mabizo uyise ayeyibiza ngawo. **19** Izisebenzi zika-Isaka zagebha esigodini zafumana umthombo olamanzi amahle khonapho. **20** Kodwa abelusi baseGerari baxabana labelusi baka-Isaka bathi, “Amanzi la ngawethu!” Ngakho umthombo lowo wawuthi yi-Eseki, ngoba bawubanga laye. **21** Ngakho basebesimba omunye umthombo, kodwa lawo bawubanga njalo; wasewubiza ngokuthi yiSithina. **22** Wasuka lapho wayagebha omunye umthombo, akwabe kusaba khona owubangayo. Wawuthi yiRehobhothi, esithi, “Manje uThixo usesiphile indawo, sesizaphumelela kuleli ilizwe.” **23** Esuka lapho waya eBherishebha. **24** Ngalobobusuku uThixo wabonakala kuye wathi, “NginguNkulunkulu kayihlo u-Abrahama. Ungesabi, ngoba ngilawe; ngizakubusisa ngandise ubunengi bezizukulwane zakho ngenxa yenceku yami u-Abrahama.” **25** U-Isaka wakha i-Alithari khonapho wamemeza ibizo likaThixo. Wamisa ithente lakhe khonapho, izisebenzi zakhe zemba umthombo khonapho. **26** Ngalesosikhathi u-Abhimelekhi weza kuye evela eGerari, elo-Ahuzathi umeluleki wakhe loFikholi umlawuli wamabutho akhe. **27** U-Isaka wababuza wathi, “Lilandeni kimi, njengoba lalingizonda laze langixotsha?” **28** Bamphendula bathi, “Sabona kamhlophe ukuthi uThixo wayelawe; yikho sasesicabanga ukuthi kumele kube lesivumelwano esibotshiweyo phakathi kwethu lawe. Kasenze isibopho lawe **29** esokuthi kawusoze usihlukuluze, njengoba lathi singazange sikulimaze ngalutho kodwa sakuvalelisa ngokuthula. Khathesi usubusisiwe nguThixo.” **30** U-Isaka wasebenzela idili,

badla banatha. **31** Ekuseni kakhulu ngelanga elilandelayo amadoda wonke enza isifungo omunye komunye. U-Isaka wasebavulela indlela bahamba ngokuthula. **32** Ngalolosuku izisebenzi zika-Isaka zabuya zamtshela ngomthombo ezaziwugebhile. Zathi, “Sesiwatholile amanzi!” **33** Wawuthi yiShibha, osekuze kube namuhla idolobho kuthiwa yiBherishebha. **34** Kwathi u-Esawu eseleminyaka yobudala engamatshumi amane, wathatha uJudithi indodakazi kaBheri umHithi njalo loBhasemathi indodakazi ka-Eloni umHithi. **35** Baletha ukukhathazeka kakhulu ku-Isaka loRabheka.

27 Kwathi u-Isaka eseluphele, amehlo akhe esethundubele okokuthi wayengasaboni, wabiza u-Esawu indodana yakhe endala wathi kuye, “Ndodana yami.” Waphendula wathi, “Ngilapha.” **2** U-Isaka wathi, “Manje sengilixhegu, njalo kangilazi ilanga lami lokufa. **3** Thatha izikhali zakho, isikhwama semitshoko yakho ledandili lakho ungene iganga uyengizingelela inyamazana. **4** Ungilungisele ukudla okumnandi engikuthandayo ukulethe kimi lapha ngidle, ukuze ngikuphe isibusiso sami ngingakafi.” **5** URabheka wayelalele u-Isaka ekhuluma lendodana yakhe u-Esawu. Kwathi u-Esawu esephumile waya egangeni ukuyazingela inyamazana ukuze ayilethe, **6** uRabheka wathi endodaneni yakhe uJakhobe, “Khangela, ngizwe uyihlo esithi kumnewenu u-Esawu **7** ‘Ngilethela inyamazana ungilungisele ukudla okumnandi ngidle, ukuze ngikuphe isibusiso sami phambi kukaThixo ngingakafi.’ **8** Manje-ke lalela kuhle, ndodana yami, wenze lokho engikutshela khona: **9** Yana emhlambini

ulethe lapha kimi amazinyane embuzi amabili anonileyo, ukuze ngilungisele uyihlo ukudla okumnandi ngendlela akuthanda ngayo. **10** Wena ubusukusa kuyihlo adle, abesekunika isibusiso sakhe engakafi.” **11** UJakhobe wathi kuRabheka unina, “Kodwa umnewethu u-Esawu lihwanqa, mina ngilejwabu elitshelelayo. **12** Pho ubaba angangibamba ke? Kuzabonakala ukuthi ngiyamqila ngibe sengizehlisele isiqalekiso phezu kwami esikhundleni sesibusiso.” **13** Unina wathi kuye, “Ndodana yami, lesosiqalekiso kasehlele kimi. Wena yenza lokho engikutshela khona kuphela; hamba uyengithathela wona.” **14** Ngakho wahamba wayawathatha wawaletha kunina, yena walungisa ukudla okumnandi, ngaleyondlela eyayithandwa nguyise. **15** URabheka wasethatha izigqoko ezithandekayo zika-Esawu indodana yakhe endala, ezazikhona endlini, wazigqokisa indodana yakhe encane, uJakhobe. **16** Wabuya wamgoqela izandla zakhe lentamo lapho okwakubutshelezi khona ngesikhumba sembuzi. **17** Waseqhubela indodana yakhe uJakhobe ukudla lokho okumnandi kanye lesinkwa ayesenzile. **18** Waya kuyise wafika wathi, “Baba.” Wasabela wathi, “Yebo, ndodana yami. Ngubani?” **19** UJakhobe wathi kuyise, “Ngingu-Esawu izibulo lakho. Sengenzile njengokungilayela kwakho. Vuka uhlale udle inyama yami yenyamazana ukuze ungiphe isibusiso sakho.” **20** U-Isaka wayibuza indodana yakhe wathi, “Uyizuze njani masinyane kangaka, ndodana yami?” Waphendula wathi, “uThixo uNkulunkulu wakho ungiphumelelisile.” **21** U-Isaka wasesithi kuJakhobe, “Sondela eduze ngikuthinte,

ndodana yami, ukuze ngazi ngempela ukuthi uyiyo indodana yami u-Esawu noma hatshi.” **22** UJakhobe wasondela kuyise u-Isaka wamthinta wathi, “Ilizwi ngelikaJakhobe, kodwa izandla yizandla zika-Esawu.” **23** Kazange amazi ngoba izandla zakhe zaziloboya njengezikamnewabo u-Esawu; ngakho wambusisa. **24** Wabuza wathi, “Kambe unguye na u-Esawu indodana yami?” Waphendula wathi, “Nginguye.” **25** Wasesithi, “Ndodana yami, ngipha inyama yakho yenyamazana ngidle, ukuze ngikuphe isibusiso sami.” UJakhobe wamupha wadla; waletha lewayini wanatha. **26** Uyise u-Isaka wathi kuye, “Woza lapha, ndodana yami, ungame.” **27** Wasesiya kuye wamanga. Kwathi u-Isaka esewuzwile umnuko wezigqoko zakhe, wambusisa wathi, “Yeka, umnuko wendodana yami unjengomnuko wensimu uThixo ayibusisileyo. **28** Sengathi uNkulunkulu angakupha amazolo asezulwini lokuvunda komhlabathi, inala yamabele lewayini elitsha. **29** Sengathi izizwe zingakukhonza labantu bakukhothamele. Ube yinkosi phezu kwabafowenu, njalo sengathi amadodana kanyoko angakukhothamela. Sengathi labo abakuqalekisayo labo baqalekiswe labakubusisayo babusiswe.” **30** U-Isaka eseqedile ukumbusisa njalo uJakhobe esathi uyasuka kuyise, umnewabo u-Esawu wabengena evela zingela. **31** Laye njalo walungisa ukudla okumnandi wakuletha kuyise. Wasesithi kuye, “Baba, vuka udle inyama yami yenyamazana, ukuze ungiphe isibusiso sakho.” **32** Uyise u-Isaka wambuza wathi, “Ungubani wena?” Waphendula wathi, “Ngiyindodana yakho, izibulo lakho u-Esawu.” **33**

U-Isaka wathuthumela kakhulu wathi, “Kanti ubengubani ozingele inyamazana wayiletha kimi? Ngiyidlile khathesi nje usuzafika, ngambusisa njalo ngempela uzakubusiswa!”

34 Kwathi u-Esawu ewezwa amazwi kayise, wakhala kakhulu okuzwisa ubuhlungu wathi kuyise, “Ngibusisa lami njalo, baba!”

35 Kodwa wathi, “Umfowenu uze ngobuqili wathatha isibusiso sakho.”

36 U-Esawu wathi, “Kakumfanelanga na ukuthiwa nguJakhobe? Lokhu sokungokwesibili engiqila: Wathatha ubuzibulo bami, manje usethethe isibusiso sami?”

Wasebuza wathi, “Kawungigcinelanga yini mina esinye isibusiso?”

37 U-Isaka wamphendula u-Esawu wathi, “Sengimenze waba yinkosi phezu kwakho, ngenza zonke izihlobo zakhe zaba yizisebenzi zakhe, njalo ngamsekela ngenala yamabele langewayini elitsha. Kambe ngingabe ngisakwenzelani, ndodana yami?”

38 U-Esawu wathi kuyise, “Kanti ulesibusiso esisodwa kuphela na baba? Ngibusisa lami, baba!”

U-Esawu wasekhala kakhulu ephumisela.

39 Uyise u-Isaka wamphendula wathi, “Umuzi wakho uzakuba khatshana lokuvunda komhlaba, khatshana lamazolo asezulwini eliphezulu.

40 Uzaphila ngokusebenzisa inkemba njalo uzamkhonza umfowenu. Kodwa kuzakuthi laphe usudlubulunda, uzalilahla ijogwe lakhe lisuke entanyeni yakho.”

41 U-Esawu wabambela uJakhobe isikhwili ngenxa yesibusiso uyise ayemuphe sona. Wazitshela wathi, “Insuku zokulilela ubaba seziseduze; laphe-ke ngizambulala umfowethu uJakhobe.”

42 Kwathi uRabheka esezwile okwakutshiwo yindodana yakhe endala u-Esawu, wabiza indodana yakhe encinyane

uJakhobe wathi kuye, “Umnewenu u-Esawu uziduduza ngomcabango wokuthi akubulale. **43** Ngakho-ke wena ndodana yami, yenza lokho engikutshela khona: Baleka masinyane uye kumfowethu uLabhani eHarani. **44** Uhlale khonale ulaka lomfowenu luze ludede. **45** Kuzakuthi nxa umnewenu engasakuzondelanga esekhohliwe ukuthi kuyini owakwenza kuye, ngizathumela ilizwi ukuthi ubuye usuka khonale. Kambe kungaba yini ukuthi ngilahlekelwe yini lobabili ngasuku lunye na?” **46** URabheka wasesithi ku-Isaka, “Ukuphila sokunginenga ngenxa yabafazi bamaHithi laba. Nxa uJakhobe engathatha umfazi ebfazini balelizwe, abafazi bamaHithi abanje, ukuphila kwami kuyabe kungasazi.”

28 Ngakho u-Isaka wabiza uJakhobe wambusisa wamlaya wathi: “Ungathathi umfazi womKhenani. **2** Hamba khathesi uye ePhadani Aramu, emzini kayihlomkhulu uBhethuweli. Thatha khona umfazi, emadodakazini kaLabhani, umnewabo kanyoko. **3** Sengathi uNkulunkulu uSomandla angakubusisa akuphe inzalo, andise ubunengi bayo lize libe yizizwe ezinengi. **4** Sengathi angakupha wena kanye lezizukulwane zakho isibusiso leso esaphiwa u-Abrahama, ukuze lilithathe ilizwe leli ohlezi kulo manje njengwezizweni, ilizwe uNkulunkulu alipha u-Abrahama.” **5** Ngakho u-Isaka wasemvalelisa uJakhobe, waya ePhadani Aramu, kuLabhani indodana kaBhethuweli um’Aramu, umnewabo kaRabheka, owayengunina kaJakhobe lo-Esawu. **6** U-Esawu wezwa ukuthi u-Isaka wayembusisile uJakhobe njalo wamthumela ePhadani Aramu ukuthi ayothatha

umfazi khona, lokuthi wathi embusisa wamlaya wathi, “Ungathathi umfazi ongumKhenani,” 7 lokuthi uJakhobe wayebalalele uyise lonina wahamba waya ePhadani Aramu. 8 U-Esawu wakunanzelela ukuthi abafazi bamaKhenani babeyisinengiso kuyise u-Isaka; 9 ngakho wasesiya ku-Ishumayeli wathatha uMahalathi, udadewabo kaNebhayothi, indodakazi ka-Ishumayeli indodana ka-Abhrahama, phezu kwabanye abafazi ayevele eselabo. 10 UJakhobe wasuka eBherishebha waqonda eHarani. 11 Wafika kwenye indawo, wema lapho ukuthi alale khona ngoba ilanga laselitshonile. Wathatha ilitshe khona walenza umqamelo walala. 12 Wehlelwa liphupho wabona ilele ligxile phansi emhlabeni, isiqongo salo sifinyelela ezulwini, kwathi izingilosi zikaNkulunkulu zabe ziqansa zisehla kulo. 13 Laphaya ngaphezu kwalo kwakumi uThixo esithi: “nginguThixo, uNkulunkulu kayihlo u-Abhrahama loNkulunkulu ka-Isaka. Ngizakupha wena kanye lezizukulwane zakho ilizwe leli olele kulo. 14 Izizukulwane zakho zizakuba njengothuli lomhlabathi, njalo lizaqhela liye entshonalanga lasempumalanga, enyakatho laseningizimu. Bonke abantu bomhlaba bazabusi ngenxa yakho lenzalo yakho. 15 Ngilawe njalo ngizakulinda loba ungaze uye ngaphi, njalo ngizakubuyisa kulelilizwe. Kangizukukudela ngize ngikwenze lokho engikuthembise khona.” 16 UJakhobe wathi evuka ebuthongweni bakhe wacabanga wathi, “Ngeqiniso uThixo ukhona kule indawo, kodwa bengingakunanzeleli.” 17 Wesaba wathi, “Yeka ukwesabeka kwale indawo ehloniphekayo! Ngempela iyindlu kaNkulunkulu; leli

lisango lasezulwini.” **18** Kusisa ekuseni kakhulu uJakhobe walithatha ilithe ayelele eliqamele walimisa laba yinsika wathela amafutha phezu kwalo. **19** Indawo leyo wayibiza wathi yiBhetheli, ikanti idolobho lakhona lalithiwa yiLuzi. **20** Ngakho uJakhobe wenza isifungo wathi, “Nxa uNkulunkulu ezakuba lami angilondoloze kuloluhambo engikulo, angiphe ukudla lezigqoko, **21** ngibuyele emzini kababa ngiphilile, lapho uThixo uzakuba nguNkulunkulu wami **22** njalo lelitshe leli engilenze insika lizakuba yindlu kaNkulunkulu, njalo kuzakuthi konke onginika khona ngizakunika wena okwetshumi.”

29 UJakhobe waseqhubeka ngohambo lwakhe wayafika elizweni labantu bempumalanga. **2** Wabona khonale umthombo esiqintini, kulemihlambi yezimvu emithathu ilele eduzane kwawo ngoba imihlambi yayinatha khonapho emthonjeni lowo. Iilithe elalivale umlomo womthombo lalilikhulu. **3** Kwakusithi yonke imihlambi ingabuthana khona, abelusi baligiqe ilithe balisuse emlonyeni womthombo banathise izimvu. Besebelibuyisela ilithe endaweni yalo emlonyeni womthombo. **4** UJakhobe wabuza abelusi wathi, “Bafowethu, livela ngaphi?” Baphendula bathi, “Sivela eHarani.” **5** Wathi, “Liyamazi yini uLabhani, umzukulu kaNahori?” Baphendula bathi, “Yebo, siyamazi.” **6** UJakhobe wasebabuza wathi, “Uyaphila yini?” Bathi, “Yebo, uyaphila; nansi indodakazi yakhe uRasheli esiza lezimvu.” **7** Wathi, “Khangelani, ilanga lilokhu lisemini; akukabi yisikhathi sokuthi imihlambi ibuthwe. Zinathiseni izimvu lezi lizibuyisele emadlweni.” **8**

Baphendula bathi, “Asingeke, ize iqale iqoqane yonke imihlambi, ilitshe beselususwa emlonyeni womthombo. Besesizinathisa-ke izimvu.” **9** Wathi elokhu esakhuluma labo uRasheli wafika lezimvu zikayise, kalokho wayengumelusi. **10** UJakhobe wathi ebona uRasheli indodakazi kaLabhani, umnewabo kanina esiza lezimvu zikaLabhani, wahamba wayagiqqa ilitshe elalisemlonyeni womthombo wanathisa izimvu zikamalumakhe. **11** UJakhobe wasesanga uRasheli njalo wakhala kakhulu. **12** Wayesemtshelile uRasheli ukuthi wayeyisihlobo sikayise lokuthi wayeyindodana kaRabheka. Ngakho intombi yagijima yayabikela uyise. **13** ULabhani wonela ukuwuzwa umbiko ngoJakhobe, indodana kadadewabo, wahle waphuthuma wayamhlangabeza. Wamgona, wamanga, wamletha ngekhaya, lapho uJakhobe amtshela khona izinto lezi. **14** ULabhani wasesithi kuye, “Uyinyama yami legazi lami.” UJakhobe esehlale laye okwenyanga yonke, **15** uLabhani wathi kuye, “Kambe sekungathi ngoba uyisihlobo sami ubusungisebenzela ungangaholi lutho? Akungitshela ukuthi umholo wakho ungaba yini?” **16** ULabhani wayelamadodakazi amabili; ibizo lendala lalinguLeya, encinyane inguRasheli. **17** ULeya wayelamehlo abuthakathaka, kodwa uRasheli wayelesimo esibukekayo, emuhle. **18** UJakhobe wezwa emthanda uRasheli wasesithi, “Ngizakusebenzela okweminyaka eyisikhombisa ukuze ungangiphe indodakazi yakho encane uRasheli.” **19** ULabhani wathi, “Kungcono ngimuphe wena kulokuba ngimuphe enye indoda. Hlala lapha lami.” **20** UJakhobe waseyisebenza iminyaka eyisikhombisa ukuze

azuze uRasheli, kodwa yakhanya ingathi yizinsukwana ezimbalwa kuye ngenxa yothando kuye. **21** UJakhobe wasesithi kuLabhani, “Ngipha-ke umkami. Isikhathi sami sesigcwalisekile, sengifuna ukwembatha laye.” **22** Ngakho uLabhani wasenxusa bonke abantu bendawo wenza idili. **23** Kodwa kwathi sekusihlwa, wathatha indodakazi yakhe uLeya wamupha uJakhobe, uJakhobe wembatha laye. **24** ULabhani waphinda wapha uLeya incekekazi yakhe uZilipha ukuba ibe yincekekazi yakhe. **25** Kwathi sokusile, wabona kunguLeya! UJakhobe wathi kuLabhani, “Kuyini lokhu okwenzileyo kimi? Mina ngasebenzela uRasheli, kakunjalo na? Kungani ungikhohlisile?” **26** ULabhani waphendula wathi, “Kakusiwo mkhuba wethu lapha ukwendisa indodakazi encane endala ingakendi. **27** Qeda iviki yokucola lo omdala; besesikupha lalo omncane njalo ngemva kokumsebenzela eminye iminyaka eyisikhombisa.” **28** UJakhobe wenza njalo. Waqeda iviki eloLeya, uLabhani wasemupha indodakazi yakhe uRasheli ukuba ibe ngumkakhe. **29** ULabhani wanika indodakazi yakhe uRasheli incekekazi yakhe uBhiliha ukuba abe yincekekazi yakhe. **30** UJakhobe waselala loRasheli, wamthanda ukwedlula uLeya. Wasesebenzela uLabhani okweminye iminyaka eyisikhombisa njalo. **31** UThixo wathi ngokubona ukuthi uLeya wayengathandwa, wavula inzalo yakhe, kodwa uRasheli wayeyinyumba. **32** ULeya wathatha isisu wazala indodana. Wamutha ibizo wathi nguRubheni, ngoba wathi, “Kungenxa yokuthi uThixo usebonile ukuhlupheka kwami. Ngempela umkami usezangithanda manje.” **33** Wathatha isisu njalo, wathi

esephinde umfana njalo wathi, “Ngoba uThixo wezwa ukuthi kangithandwa, wanginika lo njalo.” Ngakho wamutha wathi nguSimiyoni. **34** Wasithatha njalo isisu, kwathi esezele omunye umfana wathi, “Khathesike umkami usezabambelela kimi ngoba sengimzalele amadodana amathathu.” Yikho wathiwa nguLevi. **35** Waphinda wasithatha isisu, wazuza umfana wathi, “Ngalesisikhathi ngizadumisa uThixo.” Wamutha wathi nguJuda. Wasesima ukuzuza abantwana.

30 URasheli wathi ebona ukuthi wayengazaleli uJakhobe abantwana, wasekhwelezela udadewabo. Wasesithi kuJakhobe, “Ngipha abantwana, kumbe ngifel!” **2** UJakhobe wamzondela wathi, “Sengisesikhundleni sikaNkulunkulu yini mina, onguye okuvale ukuthi ungazali?” **3** Yena wasesithi, “Nangu uBhiliha incekekazi yami. Lala laye ukuze angizalele abantwana, ukuze kuthi ngaye ngibe lemuli.” **4** Ngakho wasemupha incekekazi yakhe uBhiliha njengomfazi. UJakhobe wembatha laye, **5** wazithwala wamzalela indodana. **6** Ngakho uRasheli wathi, “UNkulunkulu usengigezile; ulalele ukuncenga kwami wasenginika indodana.” Ngenxa yalokhu wayitha wathi nguDani. **7** Incekekazi kaRasheli, uBhiliha, yathatha isisu njalo yazalela uJakhobe indodana yesibili. **8** URasheli wasesithi, “Kade kuyimpi phakathi kwami lodadewethu, mina senginqobile.” Wasemuthi nguNafithali. **9** ULeya wathi ngokubona ukuthi kasazali wathatha incekekazi yakhe uZilipha wayipha uJakhobe njengomfazi. **10** Incekekazi kaLeya uZilipha yazalela uJakhobe indodana. **11** ULeya

wasesithi, “Inhlanhla engakanani!” Wamutha ibizo wathi nguGadi. **12** Incekukazi kaLeya uZilipha yazalela uJakhobe indodana yesibili. **13** ULeya wathi, “Uthi ngiyathaba yini! Abafazi bazakuthi ngiyathaba.” Yikho wambiza ngokuthi ngu-Asheri. **14** Ngesikhathi sokuvuna ingqoloyi uRubheni waya emasimini wafumana izihlahlakazana zamamandraki waziletha kunina uLeya. URasheli wathi kuLeya, “Ngicela ezinye zezihlahlakazana zendodana yakho.” **15** Kodwa wathi kuye, “Kakukwanelisanga na ukuthi wangemuka indoda? Usufuna ukuthatha lamamandraki endodana yami njalo?” URasheli wathi, “Kulungile, angazalala ngakwakho lamuhla ukuze ngizuze amamandraki endodana yakho.” **16** Ngakho kwathi uJakhobe efika evela emasimini ngaleyontambama, uLeya wamhlangabeza wathi, “Kumele ulale ngakwami lamuhla. Ngikuqhatshile ngamamandraki endodana yami.” Ngakho wembatha laye ngalobobusuku. **17** UNkulunkulu wamlalela uLeya, wathatha isisu wazalela uJakhobe indodana yesihlanu. **18** ULeya wathi, “UNKulunkulu usengiphe umvuzo ngenxa yokuthi nganika indoda yami incekukazi yami.” Ngakho wamutha wathi ngu-Isakhari. **19** ULeya waphinda wasithatha njalo isisu wazalela uJakhobe indodana yesithupha. **20** Ngakho uLeya wathi, “UNKulunkulu usengiphe isipho esiligugu. Khathesi umkami usezangiphatha ngenhlonipho, ngoba sengimzalele amadodana ayisithupha.” Wasemutha wathi nguZebhuluni. **21** Emva kwesikhathi esithile wazala intombazana wayithi nguDina. **22** UNkulunkulu wamkhumbula uRasheli; wezwa ukukhala kwakhe wavula

isibeletho sakhe. **23** Wathatha isisu wazala indodana, wathi, “UNkulunkulu uselikusile ihlazo lami.” **24** Wamutha wathi nguJosefa, wathi, “Sengathi uThixo angangipha enye indodana.” **25** URasheli esezele uJosefa uJakhobe wathi kuLabhani, “Ngivumela ukuthi ngibuyele elizweni lakithi. **26** Ngipha omkami labantwana engibasebenzeleyo kuwe, ngihle ngihambe. Uyawazi umsebenzi engiwusebenzileyo kuwe lapha.” **27** Kodwa uLabhani wathi kuye, “Nxa ungithanda, hlala. Sengibonile ngokwambulelwa ukuthi uThixo ungibusisile ngenxa yakho.” **28** Wengeza ngokuthi, “Qamba loba yiphi inhlawulo oyifunayo, ngizakupha.” **29** UJakhobe wathi kuye, “Uyakwazi ukuthi ngikusebenzele njani lokuthi izifuyo zakho zigcinakale njani ziphethwe yimi. **30** Okuncinyane owawulakho ngingakafiki sekusele kwanda kakhulu, njalo uThixo ukubusisile langabe kungaphi lapho engike ngaba khona. Kodwa manje ngizaze ngiwenzele nini mina umuzi wami ulutho?” **31** Wabuza wathi, “Ngikupheni na?” Waphendula uJakhobe wathi, “Ungangiphi lutho. Kodwa ake ungenzele lokhu kodwa, ukuze ngiqhubeke ngisondla imihlambi yakho: **32** Wothi ngingene emihlambini yakho lamuhla ngikhuphe kuyo zonke izimvu ezilamachatha kumbe amabala, lamazinyane wonke amnyama lembuzi zonke ezilamabala kumbe amachatha. Yizo ezizakuba yinhlawulo yami. **33** Ngesikhathi esizayo ubuqotho bami buzavela nxa uhlola inhlawulo onginike yona. Ingqe yiphi imbuzi engizabe ngilayo engelamachatha kumbe amabala, loba lizinyane lemvu elingamnyama lizakubalwa

njengelebiweyo.” **34** ULabhani wathi, “Kulungile, kakube njengokutsho kwakho.” **35** Mhlalokho wazikhupha zonke impongo ezazingamaqamule kumbe ezilamabala, njalo lezinsikazi ezilamachatha kumbe ezilamabala (zonke ezazilokumhlophe kuzo) lamazinyane ezimvu wonke amnyama zonke wathi zikhangelwe ngamadodana akhe. **36** Wasebeka umango wensuku ezintathu phakathi kwakhe loJakhobe, kodwa uJakhobe wayelokhu esondla yonke imihlambi eseleyo kaLabhani. **37** Kwathi uJakhobe wagamula ingatsha zesihlahla sephopla, eze-alimondi lezepulane wahamba ezixoxa amaxolo wenza imidwa kwavela kuzo isigodo esimhlophe. **38** Ingatsha lezi ezixoxiweyo wazibeka kuyo yonke imikolo yokunathela imihlambi ukuthi zime ziqondane lezifuyo nxa zinatha. Kwakusithi lezozifuyo ezidabuleyo zizonatha **39** zifike zixakane phambi kwezingatsha. Zazizala amazinyane alamabala ayimidwa loba alamachatha kumbe amabala nje. **40** UJakhobe wawakhetha wawabeka wodwa amazinyane, kodwa lezo ezinye waziyekela zadunga lezo ezingamaqamule lezimnyama ezazingezikaLabhani. Ngaleyondlela, wenza imihlambi ehlukeneyo eyakhe kaze ayihlanganisa lekaLabhani. **41** Kwakusithi kungadabula ezinsikazi eziqinileyo, uJakhobe wayefaka imiqwayi emikolweni phambi kwezifuyo ukuze zixakane eduze kwayo, **42** kodwa nxa ezinsikazi zingezibuthakathaka wayengayifaki imiqwayi. Ngakho izifuyo ezibuthakathaka zaba ngezikaLabhani, eziqinileyo zabuya ngoJakhobe. **43** Ngale indlela indoda le yanatha kakhulu yaba lemihlambi

emikhulu, lezincekukazi, lezincku kanye lamakamela labobabhemi.

31 UJakhobe wezwa ukuthi amadodana kaLabhani ayesithi, “UJakhobe usethethe konke ubaba ayelakho njalo usezuze yonke inotho ebingekababa.” **2** Njalo uJakhobe wananzelela ukuthi uLabhani wayengasamphathi njengakuqala. **3** UThixo wasesithi kuJakhobe, “Buyela elizweni laboyihlo lasezihlotsheni zakho, mina ngizakuba lawe.” **4** Ngakho uJakhobe wasethumela ilizwi kuRasheli loLeya ukuthi beze egangeni lapho imihlambi yakhe eyayikhona. **5** Wathi kubo, “Sengibona ukuthi uyihlo kasangiphathi njengakuqala, kodwa uNkulunkulu kababa ube lami. **6** Liyakwazi ukuthi ngamsebenzela uyihlo ngamandla ami wonke, **7** kodwa uyihlo ungidlezelele ngokuguqula umholo wami okwezikhathi ezilitshumi. Kodwa uNkulunkulu kamvumelanga ukuthi angilimaze. **8** Kwakusithi angathi, ‘Ezizamabalabala ngezakho, ezomholo,’ imihlambi yonke izale ezimabalabala; kuthi angathi, ‘Ezingamaqamule zizakuba ngumholo wakho,’ yonke imihlambi izale amazinyane angamaqamule. **9** Ngaleyondlela uNkulunkulu usethethe imihlambi kayihlo wayipha mina. **10** Ngesikhathi sokuxotshwa lokumitha kwemihlambi, ngaba lephupho lapho okwathi ngikhangela ngabona ukuthi impongo ezazixotsha umhlambi zazingamaqamule, kumbe zingamafahlafahla kumbe zizamabala. **11** Ingilosi kaNkulunkulu yathi kimi kulelophupho, ‘Jakhobe.’ Ngasabela ngathi, ‘Ngilapha.’ **12** Yathi, ‘Khangela ukuthi zonke impongo ezixotsha umhlambi ngezingamaqamule, ngezingamafahlafahla

kumbe ngezilamabala, ngoba ngikubonile konke lokho uLabhani abekwenza kuwe. **13** NginguNkulunkulu waseBhetheli, lapho owagcoba khona insika njalo lapho owenza khona isifungo kimi. Suka kulelizwe khona manje ubuyele elizweni lakini.” **14** URasheli loLeya baphendula bathi, “Sivele siseselesabelo selifa likababa na? **15** Kasinjengabezizweni kuye na? Kakusikho kodwa ukuthi walobolisa ngathi, kodwa sowakusebenzisa konke esalotsholwa ngakho. **16** Ngempela yonke inotho uNkulunkulu ayemuka ubaba ngeyethu labantwabethu. Ngakho yenza loba yini uNkulunkulu akutshele yona.” **17** UJakhobe wasegadisa abantwabakhe labomkakhe emakameleni, **18** waziqhuba zonke izifuyo zakhe zahamba phambili, kanye lempahla zonke ayezizuzile ePhadani Aramu, esebuyela kuyise u-Isaka elizweni laseKhenani. **19** Kwathi uLabhani ehambile eyogunda izimvu zakhe, uRasheli weba izithombe zikayise. **20** Phezu kwalokho uJakhobe wakhohlisa uLabhani um’Aramu ngokungamtsheli ukuthi yena wayesebaleka. **21** Ngakho wabaleka lakho konke okwakungokwakhe, wachapha umfula iYufrathe, waqonda elizweni lamaqaqa eleGiliyadi. **22** Ngosuku lwesithathu uLabhani watshelwa ukuthi uJakhobe wayesebalekile. **23** Wathatha izihlobo zakhe bangena emzileni kaJakhobe okwensuku eziyisikhombisa baze bayambamba elizweni lamaqaqa eleGiliyadi. **24** UNkulunkulu weza kuLabhani um’Aramu ephutsheni ebusuku wathi kuye, “Unanzelele ukuthi ungaze watsho lutho kuJakhobe, loba lungoluhle kumbe olubi.” **25** UJakhobe wayemise ithente lakhe elizweni

lamaqaqa eGiliyadi eficwa khona nguLabhani, uLabhani laye lezihlobo zakhe bakha izihonqo khonapho. **26** Ngakho uLabhani wasesithi kuJakhobe, “Wenzeni manje? Ungikhohlisile, njalo uthumbe amadodakazi ami njengabathunjiweyo empini. **27** Kungani ubalekele ngasese wangikhohlisa na? Kungani ungangazisanga ukuze ngikuvalise ngentokozo langokutshaya izigubhu lamachacho? **28** Kawuzange ume ukuthi ngange abazukulu bami lamadodakazi ami ngibavalelise. Wenze into eyibuthutha. **29** Ngilamandla okukulimaza; kodwa ngobusuku obudluleyo uNkulunkulu kayihlo uthe kimi, ‘Unanzelele ungaze watsho lutho kuJakhobe, loba ngoluhle kumbe ngolubi.’ **30** Manje ususukile ngoba ubulangazelela ukubuyela emzini kayihlo. Kodwa kungani webe izithombe zami na?” **31** UJakhobe wamphendula uLabhani wathi, “Bengisesaba ukuthi uzangemuka amadodakazi akho ngamandla. **32** Kodwa nxa ufumana loba ngubani olezithombe zakho, kayikuphila. Ake ubone, lezihlobo zakho zikhona, ingabe kulolutho lwakho yini lapha kimi; nxa lukhona, luthathe.” UJakhobe wayengazi ukuthi uRasheli wayezebile izithombe. **33** Ngakho uLabhani wangena ethenteni likaJakhobe lethenteni likaLeya lethenteni lezincekukazi zombili, kodwa kafumananga lutho. Ephuma ethenteni likaLeya, wangena ethenteni likaRasheli. **34** URasheli wayethethe izithombe lezo, wazifihla phakathi kwesihlalo sekamela lakhe, wasehlala phezu kwazo. ULabhani wabhudula kukho konke okwakusethenteni, katholanga lutho. **35** URasheli wathi kuyise, “Ungazondi nkosi yami ukuthi kungani

ngingakusukumeli, kungenxa yokuba ngisesikhathini.”
Ngakho wabhudula, kodwa akaze azifumana izithombe zangekhaya. **36** UJakhobe wazonda kubi wamthwalisa nzima uLabhani. Wambuza wathi, “Icala lami ngelani? Ngenze sono bani ukuze ungizingele kanje? **37** Njengoba usuziguduzile zonke impahla zami, kuyini osukufumene okungokomuzi wakho na? Kubeke khonapha phambi kwezihlobo zakho lezami batsho okuyikho phakathi kwethu sobabili. **38** Sengibe lawe okweminyaka engamatshumi amabili. Izimvu zakho lembuzi zakho kazizange ziphunze, njalo kangizange ngizihlebele inqama emihlambini yakho. **39** Kangizange ngizokutshengisa izifuyo ezidatshulwe yizilo; yimi engathwala lokho kulahlekelwa ngazihlawula. Njalo wafuna inhlawulo yalezo ezazebiwe emini loba ebusuku. **40** Impilo yami yayinje: ukutshisa kwakungibhaxabula emini, ebusuku umqando ungihaqaze, ubuthongo babaleka emehlweni ami. **41** Kwakunjalo okweminyaka engamatshumi amabili ngisemzini wakho. Ngakusebenzela okweminyaka elitshumi lane ngisebenzela amadodakazi akho womabili njalo okweminyaka eyisithupha ngisebenzela imihlambi yakho, njalo wena waguqula inhlawulo yami okwezikhathi ezilitshumi. **42** Aluba uNkulunkulu kababa, uNkulunkulu ka-Abrahama langokwesaba kuka-Isaka, ubengelami, ubuzangixotsha nje ngingaphathanga lutho. Kodwa uNkulunkulu ububonile ubunzima bami lokusebenza nzima kwezandla zami, yikho ekukhuzile izolo ebusuku.” **43** ULabhani wamphendula uJakhobe wathi, “Abesifazane ngamadodakazi ami, abantwana

ngabantwabami, lemihlambi yimihlambi yami. Kodwa kuyini engingakwenza lamuhla ngala amadodakazi ami, kumbe ngabantwana ababazeleyo na? **44** Zwana-ke, kasenze isivumelwano, wena lami, sibe ngufakazi phakathi kwethu.” **45** Ngakho uJakhobe wasethatha ilitshe walimisa laba yinsika. **46** Wasesithi ezihlotsheni zakhe, “Buthelelani amatshe.” Bawathatha amatshe aba yinqwaba, basebedlela khonapho eceleni kwenqwaba. **47** ULabhani wayibiza ngokuthi yiJegari Sahadutha, uJakhobe yena wathi yiGaledi. **48** ULabhani wathi, “Inqwaba le ingufakazi phakathi kwami lawe lamuhla.” Yikho yabizwa ngokuthi yiGaledi. **49** Yabizwa njalo ngokuthi yiMizipha, ngoba wathi, “Sengathi uThixo angalinda phakathi kwakho lami nxa sikhathshana omunye komunye. **50** Ungaze uphathe kubi amadodakazi ami, loba ungaze uthathe abanye abafazi ngaphandle kwamadodakazi ami, loba kungekho omunye umuntu olathi, khumbula ukuthi uNkulunkulu ungufakazi phakathi kwakho lami.” **51** ULabhani wathi njalo kuJakhobe, “Nansi inqwaba le, njalo nansi insika engiyimise phakathi kwakho lami. **52** Inqwaba le ingufakazi, kanye lensika le ingufakazi wokuthi kangisoze ngiyidlule inqwaba le ngize kwelakho icele ngizekonela lokuthi lawe kawuyikudlula kule inqwaba lensika uze kwelami icele uzengonela. **53** Sengathi uNkulunkulu ka-Abhrahama, loNkulunkulu kaNahori, uNkulunkulu kayise wabo angahlulela phakathi kwethu.” Ngakho uJakhobe wenza isifungo ebizweni likaMesatshwa kayise u-Isaka. **54** Wenza umhlatshelelo khonapho elizweni lamaqaqa wanxusa izihlobo zakhe

ekudleni. Sebedlile, balala khonapho. **55** Ekuseni kakhulu ngosuku olulandelayo uLabhani wanga abazukulu bakhe lamadodakazi akhe wababusisa. Wasefulathela wabuyela ekhaya.

32 UJakhobe laye wahamba ngeyakhe indlela, wasehlangabezwa yizingilosi zikaNkulunkulu. **2** Wathi ezibona uJakhobe wathi, “Leli libandla likaNkulunkulu!” Indawo leyo waseyibiza ngokuthi yiMahanayimi. **3** UJakhobe wathuma izithunywa ukuba zihambe phambili kwakhe kumnewabo u-Esawu elizweni laseSeyiri, ilizwe lika-Edomi. **4** Wazilaya wathi, “Nanku okumele likutsho enkosini yami u-Esawu, ‘Inceku yakho uJakhobe uthi bengihlezi loLabhani njalo ngihlale khona kwaze kwaba khathesi. **5** Ngilenkomo labobabhemi, ngilezimvu, lembuzi, njalo ngilezinceku lezincekukazi. Khathesi-ke sengithumela lelilizwi enkosini yami, ukuze ngithole umusa emehlweni akho.” **6** Kwathi izithunywa sezibuya kuJakhobe zathi, “Sihambile kumfowenu u-Esawu, okwamanje uyeza ukuzokuhlangabeza, ulamadoda angamakhulu amane eza lawo.” **7** UJakhobe wafikelwa yikwesaba lokukhathazeka okukhulu wasesehlukanisa phakathi abantu ayelabo baba ngamaqembu amabili, wenzenjalo lemihlambini yezimvu leyenkomo lamakamela lawo. **8** Wakhumbula wathi, “Nxa u-Esawu angafika ahlasele elinye iqembu, leloqembu eliseleyo lingahle libaleke.” **9** UJakhobe wasekhuleka wathi, “Oh Nkulunkulu kababa u-Abrahama, Nkulunkulu kababa u-Isaka, Thixo, wena owathi kimi, ‘Buyela elizweni lakini lasezihlotsheni zakho,

ngizakwenza uphumelele,’ **10** mina kangiwufanelanga wonke umusa lokuthembeka okutshengise inceku yakho. Ngangiphethe intonga yami zwi mhla ngichapha iJodani leli, kodwa khathesi sengingamaqembu amabili. **11** Ngiyakhuleka ngithi ngisindise esandleni somfowethu u-Esawu, ngoba ngiyesaba ukuthi uzakuza angihlasele, kanye labesifazane labantwababo. **12** Kodwa wena uthe, ‘Ngempela ngizakwenza uphumelele ngenze lezizukulwane zakho zibe njengetshebetshebe lolwandle elingeke labalwa.’” **13** Wahlala khonapho ngalobobusuku, kwathi kulokho ayelakho wakhetha isipho sikamnewabo u-Esawu: **14** imbuzikazi ezingamakhulu amabili lempongo ezingamatshumi amabili; izimvu ezinsikazi ezingamakhulu amabili lenqama ezingamatshumi amabili; **15** amakamela amasikazi angamatshumi amathathu lamathole awo; amankomokazi angamatshumi amane lenkunzi ezilitshumi; kanye labobabhemi abasikazi abangamatshumi amabili lemiduna yawo elitshumi. **16** Wakugcinisa izisebenzi zakhe konke, umhlambi munye wema wodwa, wathi kuzo izisebenzi zakhe, “Hambani phambi kwami, njalo litshiye ibanga phakathi kwemihlambi.” **17** Lowo owayephambili wamlaya wathi, “Nxa umnewethu u-Esawu ekuhlangabeza afike abuze athi, ‘Ungokabani wena, njalo uya ngaphi, njalo ngezikabani zonke lezizifuyo eziphambi kwakho?’” **18** Ubokuthi, ‘Ngezencekulo yakho uJakhobe. Ziyisipho esithunyelwe inkosi yami u-Esawu, laye uyeza nje emuva kwethu.’” **19** Walaya njalo isisebenzi sesibili, lesesithathu lazozonke ezinye ezaziqhuba imihlambi wathi: “Kumele

likhulume into efanayo ku-Esawu nxa lihlangana laye. **20** Njalo lingakhohlwa ukuthi, ‘Inceku yakho uJakhobe iyeza ngemva kwethu.’” Ngoba wacabanga wathi: “Ngizamthoba ngeziphho lezi engizithumela phambili; nxa sengimbona muva mhlawumbe uzangamukela.” **21** Ngakho iziphho zikaJakhobe zahanjiswa, zamandulela, kodwa yena wasala ezihonqweni ubusuku bonke. **22** Ngalobobusuku uJakhobe waphakama wathatha omkakhe bobabili, lezincekukazi zakhe zombili kanye lamadodana akhe alitshumi lamunye wawela izibuko likaJabhoki. **23** Esebachaphisile wabuye wachaphisa yonke imfuyo yakhe. **24** Ngakho uJakhobe wasala yedwa, indoda ethile yabindana laye kwaze kwaba semathathakusa. **25** Leyondoda yathi ngokubona ukuthi kayimehluli uJakhobe, yambamba inyonga, inyonga yakhe yakhumuka elokhu ebindana laleyondoda. **26** Indoda yasisithi, “Ngiyekela ngihambe ngoba sokusile.” Kodwa uJakhobe wamphendula wathi, “Kangisoze ngikwekele uhambe ngaphandle kokuthi ungibusise.” **27** Indoda yambuza yathi, “Ungubani ibizo lakho na?” Wathi, “NginguJakhobe.” **28** Indoda yasisithi, “Ibizo lakho kalisayikuba nguJakhobe, kodwa u-Israyeli, ngoba ulwe loNkulunkulu kanye labantu wanqoba.” **29** UJakhobe wathi, “Akungitshela ibizo lakho.” Kodwa waphendula wathi “Ulibuzelani ibizo lami na?” Wasembusisa khonapho. **30** Ngakho uJakhobe wabiza indawo leyo ngokuthi yiPheniyeli esithi, “Kungoba ngimbonile uNkulunkulu ubuso ngobuso, kodwa impilo yami kayilinyazwanga.” **31** Ilanga lamphumela esedlula ePheniweli, ehamba eqhugezela ngenxa yenyonga yakhe.

32 Ngakho-ke kuze kube lamuhla abako-Israyeli kabayidli inyama elomsipha osuka enyongeni, ngoba inyonga kaJakhobe yenyela eduze lomsipha.

33 UJakhobe wathi evusa amehlo wabona u-Esawu, eqhamuka lamadoda akhe angamakhulu amane; wasesehlukanisa abantwana phakathi kukaLeya, uRasheli lezincekukazi zombili. **2** Waqhuba phambili izincekukazi labantwabazo, kwalandela uLeya labantwabakhe, kweza uRasheli loJosefa ngemuva. **3** Yena ngokwakhe wahamba phambili wakhothama phansi emhlabathini kasikhombisa esebanga kumnewabo. **4** Kodwa u-Esawu wagijima wahlangabeza uJakhobe wamanga; wamgona ngezingalo entanyeni wamanga. Bakhala. **5** U-Esawu wasekhangela wabona abesifazane labantwana. Wabuza wathi, “Ngobani laba ohamba labo na?” UJakhobe waphendula wathi, “Ngabantwana uNkulunkulu abaphe ngesihle inceku yakho.” **6** Kwathi izincekukazi labantwabazo, zasondela zakhothamela phansi. **7** Kwalandela uLeya kanye labantwabakhe beza bakhothamela phansi. Abokucina kwaba nguJosefa loRasheli, labo bakhothamela phansi. **8** U-Esawu wabuza wathi, “Utshoni ngemihlambi yonke le engihlangane layo?” Wathi, “Ngeyokucela umusa kuwe, nkosi yami.” **9** Kodwa u-Esawu wathi, “Lami sengilakho okunengi, mnawami. Zigcinele lawe lokho olakho.” **10** UJakhobe wathi, “Hatshi bo, bakithi. Nxa ngisamukeleka kuwe yamukela isipho sami lesi. Ngoba ukubona ubuso bakho kufana lokubona ubuso bukaNkulunkulu, ikakhulu njengoba usungamukele ngesihle. **11** Ngicela ukuthi wamukele isipho lesi esilethwe kuwe, ngoba uNkulunkulu

ube lomusa kimi, ngaba lakho konke engikudingayo.” Kwathi ngoba uJakhobe encenga, u-Esawu wasamukela. **12** U-Esawu wasesithi, “Kasihambeni. Ngizahamba lani.” **13** Kodwa uJakhobe wathi kuye, “Inkosi yami iyazi ukuthi abantwana babuthakathaka lokuthi ngisamele nginakekele izimvukazi lamankomokazi konke okusanda kuzala. Zingahanjiswa ngamandla okwelanga elilodwa nje, izifuyo zizakufa. **14** Ngakho inkosi yami kayizihambele phambili kwenceku yayo, mina ngilandele kancane okwamandla emihlambi eqhutshwayo labantwana, ngize ngifike enkosini yami eSeyiri.” **15** U-Esawu wathi, “Nxa kunjalo ngizatshiya amanye amadoda ami lawe.” UJakhobe wabuza wathi, “Kambe ube ukwenzelani lokho? Inkosi yami kayingenzele umusa nje kube kuphela.” **16** Ngakho ngalolosuku u-Esawu wasuka esebuyela eSeyiri. **17** Kodwa uJakhobe waya eSukhothi lapho azakhela khona umuzi wakha lezibaya zezifuyo zakhe. Kungakho leyondawo ithiwa yiSukhothi. **18** UJakhobe esebuyile ePhadani Aramu wafika kuhle edolobheni laseShekhemu eKhenani wamisa izihonqo eduzane kwedolobho. **19** Ngenhlamvu zesiliva ezilikhulu wathenga isiqinti somhlabathi emadodaneni kaHamori, uyise kaShekhemu, lapho amisa khona ithente lakhe. **20** Khonapho amisa i-alithari walibiza ngokuthi yi-Eli Elohe Israyeli.

34 UDina, indodakazi kaLeya ayizalela uJakhobe wasuka wayakwethekelela abafazi balelolizwe. **2** Kwathi uShekhemu, indodana kaHamori umHivi, umbusi walowomango, ebona uDina, wamthatha wamdlova. **3** Inhliziyo yakhe yathatheka ngoDina indodakazi

kaJakhobe, wayithanda intombi le, wakhuluma layo kamnandi. **4** UShekhemu wathi kuyise uHamori, “Ngithathela intombi le ibe ngumkami.” **5** UJakhobe wathi ekuzwa ukuthi indodakazi yakhe uDina yayingcolisiwe, amadodana akhe ayeseangani lezifuyo; wathula nje aze abuya ekhaya. **6** Ngakho usekaShekhemu, uHamori wayakhuluma loJakhobe. **7** Ngalesosikhathi amadodana kaJakhobe ayesebuyile evela egangani evele esezwile okwasekwenzakele. Babelosizi njalo begcwele ulaka ngoba uShekhemu wayenze into elihlazo ko-Israyeli ngokudlova indodakazi kaJakhobe, into okwakungamelanga yenziwe. **8** Kodwa uHamori wathi kubo, “Indodana yami uShekhemu uyayithanda indodakazi yakho. Muphe yona ibe ngumkakhe. **9** Kasendiselane; sipheni amadodakazi enu, lani lizithathele amadodakazi ethu. **10** Lingazihlalela phakathi kwethu; ilizwe livulekile kini. Hlalani kulo, thengisani kulo njalo lifuye kulo.” **11** UShekhemu wasesithi kuyise kaDina lakubanewabo, “Ngicela ukuthi lingamukele, ngizalinika loba yini eliyifunayo. **12** Khulumani amalobolo lokangaziwe, mina ngizakuletha ngobunengi bakho njengokufuna kwenu, njalo ngizakuhupha konke elikubizayo. Lina ngiphani intombi kuphela nje ibe ngumkami.” **13** Kwathi ngoba udadewabo uDina wayesengcolisiwe, amadodana kaJakhobe aphenula ngobuqili ekhuluma loShekhemu loyise uHamori. **14** Athi kubo, “Asingeke senze into enjalo; ngeke siphe udadewethu indoda engasokwanga. Lokho kungaba lihlazo kithi. **15** Sizavuma kuphela nxa lenze lokhu: ukuthi libe njengathi ngokusoka

bonke abesilisa benu. **16** Lapho-ke sesingalendisela amadodakazi ethu lathi sithathe amadodakazi enu. Sizakwakha phakathi kwenu sibe ngabantu banye lani. **17** Kodwa nxa lingavumi ukusokwa sizamthatha udadewethu sihambe.” **18** Icebo labo lakhanya lilihle kuHamori loShekhemu. **19** Ijaha leli eliyilo elalihlonitshwa kakhulu emzini kayise, kalisachithanga isikhathi ukukwenza lokho ababekutshilo ngoba lalitshiseka ngendodakazi kaJakhobe. **20** Ngakho uHamori lendodana yakhe uShekhemu baya entubeni yedolobho bayabonisana lamadoda edolobho lakibo. **21** Bathi, “Amadoda la alomusa kithi. Kabahlale elizweni lethu bathengiselane labantu; ilizwe leli lilendawo enkulu abangahlala kuyo. Singathatha amadodakazi abo labo bangathatha awethu. **22** Kodwa bangavuma ukuhlala phakathi kwethu kuphela nxa abesilisa bethu bengasokwa njengabo. **23** Kambe izifuyo zabo, lempahla yabo kanye layo yonke imfuyo yabo kakukuba ngokwethu na? Ngakho kasivumeni, khona bezakwakha phakathi kwethu.” **24** Wonke amadoda ayekhona entubeni yedolobho avumelana loHamori lendodana yakhe uShekhemu, kwathi bonke abesilisa balelodelobho basokwa. **25** Ngemva kwensuku ezintathu, bonke belokhu besebuhlungwini, amadodana kaJakhobe amabili, uSimiyoni loLevi, abanewabo bakaDina, bathatha inkemba zabo balihlasela idolobho belibele, babulala bonke abesilisa. **26** OHamori lendodana yakhe uShekhemu babaquma ngenkemba bamkhupha uDina endlini kaShekhemu bahamba. **27** Amadodana kaJakhobe afikela phezu kwezidumbu aliphanga idolobho lapho

udadewabo ayengcoliselwe khona. **28** Athumba imihlambi yabo yezimvu lenkomo, labobabhemi lakho konke okwakungokwabo phakathi edolobheni langaphandle egangeni. **29** Bayiqukula yonke inotho yabo kanye labafazi labantwana, bathumba konke okwakusezindlini kwaba yimpango. **30** UJakhobe wasesithi kuSimiyoni loLevi, “Selingehlisele uhlupho langenza ngasoleka kakhulu kumaKhenani lamaPherizi, abantu abahlala elizweni leli. Thina sibalutshwana, bangahlangana bangihlasele, mina lomuzi wami sizabhujiswa.” **31** Kodwa bona baphendula bathi, “Bekufanele yini ukuthi apha the udadewethu njengesifebe na?”

35 UNkulunkulu wasesithi kuJakhobe, “Yana eBhetheli wakhe khona, njalo khonapho wakhele uNkulunkulu i-alithari, yena owabonakala kuwe lapho ubalekela umnewenu u-Esawu.” **2** Ngakho uJakhobe wasesithi kwabomuzi wakhe lakubo bonke ababelaye, “Lahlani onkulunkulu bezizweni elilabo, lizihlambulule, lintshintshe lezigqoko zenu. **3** Beselisiza sihambe siye eBhetheli lapho engizakwakha khona i-alithari likaNkulunkulu yena owangisizayo ngosuku lokuhlupheka kwami njalo olokhu elami loba ngingaze ngiye ngaphi.” **4** Basebemupha uJakhobe bonke onkulunkulu bezizweni ababelabo lamacici ayesendlebeni zabo, uJakhobe wakumbela ngaphansi kwesihlahla som’Okhi eShekhemu. **5** Emva kwalokho basebesuka, ukumesaba uNkulunkulu kwehlela imizi yonke ababakhelane layo, akwaze kwaba loyedwa owaxotshana labo. **6** UJakhobe wafika eLuzi (leyo yiBhetheli) kanye labo bonke ayelabo

elizweni laseKhenani. **7** Wakha khona i-alithari, indawo waseyibiza ngokuthi yi-Eli Bhetheli, ngoba kwakulapho uNkulunkulu aziveza khona ngesikhathi ebalekela umfowabo. **8** UDibhora, umlizane kaRabheka wafa, wembelwa ngaphansi kom'Okhi ngezansi kweBhetheli. Yikho yathiwa yi-Aloni Bhakhuthi. **9** UJakhobe esebuyile ePhadani Aramu uNkulunkulu wabonakala kuye njalo, wambusisa. **10** UNkulunkulu wathi kuye, “Ibizo lakho linguJakhobe, kodwa kawusayi kuthiwa unguJakhobe; ibizo lakho selizathiwa ungu-Israyeli.” Ngakho wamutha wathi ngu-Israyeli. **11** UNkulunkulu wathi kuye, “NginguNkulunkulu uSomandla; zalanani lande ngobunengi. Kuzaphuma kuwe isizwe lezinhlanga zezizwe, lamakhosi azavela emzimbeni wakho. **12** Ilizwe engalinika u-Abhrahama lo-Isaka ngilinka wena lawe, njalo ilizwe leli ngizalinika izizukulwane zakho eziza emva kwakho.” **13** UNkulunkulu wasephakama emtshiya endaweni lapho ayeke wakhuluma laye khona. **14** UJakhobe wamisa insika yelitshe endaweni leyo uNkulunkulu ayekhulume laye khona, wasethululela phezu kwayo umnikelo onathwayo; wathela njalo amafutha phezu kwayo. **15** UJakhobe wasebiza indawo leyo lapho uNkulunkulu akhuluma laye khona ngokuthi yiBhetheli. **16** Basebehamba besuka eBhetheli. Kwathi belokhu besesebucwala kwe-Efrathi, uRasheli wahelwa kwaba nzima ukubeletha. **17** Kwathi ekulobobunzima bokubeletha umbelethisi wathi kuye, “Ungesabi. Ngoba uzazuza enye indodana.” **18** Kwathi esephela ngoba wayesesifa wetha indodana yakhe wathi nguBheni-

Oni. Kodwa uyise wayo wayithi nguBhenjamini. **19** Wafa kanjalo uRasheli wembelwa endleleni kuyiwa e-Efrathi (kutshiwo iBhethilehema.) **20** UJakhobe wakha insika phezu kwethuna, kuze kube lamhla insika leyo itshengisa ithuna likaRasheli. **21** U-Israyeli wabuye wathutha wayamisa ithente lakhe ngale kweMigidali-Eda. **22** U-Israyeli esakhile kulowomango, uRubheni wasuka wayalala lomfazi weceleni kayise uBhiliha, njalo u-Israyeli wakuzwa. UJakhobe wayelamadodana alitshumi lambili: **23** Amadodana kaLeya ayeyila: uRubheni izibulo likaJakhobe, uSimiyoni, uLevi, uJuda, u-Isakhari loZebhuluni. **24** Amadodana kaRasheli ayeyila: uJosefa loBhenjamini. **25** Amadodana encekukazi kaRasheli, uBhiliha ayeyila: uDani loNafithali. **26** Amadodana encekukazi kaLeya uZilipha ayeyila: uGadi lo-Asheri. La ayengamadodana kaJakhobe awazalela ePhadani Aramu. **27** UJakhobe weza ekhaya kuyise u-Isaka eMamure, eduze leKhiriyathi Aribha (kutsho iHebhroni) laphe u-Abrahama lo-Isaka ababehlala khona. **28** U-Isaka waphila okweminyaka elikhulu lamatshumi ayisificaminwembili. **29** Wafika ekucineni wafa, wembelwa labantu bakibo eseluphele leminyaka yakhe isiminengi. Amadodana akhe u-Esawu loJakhobe bamngcwaba.

36 Lo ngumlando ka-Esawu (okungu-Edomi). **2** U-Esawu wathatha ebafazini baseKhenani: u-Ada indodakazi ka-Eloni umHithi, lo-Oholibhama indodakazi ka-Ana, njalo eyindodakazi kaZibhiyoni umHivi, **3** njalo loBhasemathi indodakazi ka-Ishumayeli njalo engudadewabo kaNebhayothi. **4** U-Ada wazala u-

Elifazi ku-Esawu, uBhasemathi wazala uRuweli, **5** u-Oholibhama wazala uJewushi, loJalamu loKhora. La ayengamadodana ka-Esawu, awazala eKhenani. **6** U-Esawu wathatha omkakhe lamadodana akhe kanye lamadodakazi akhe labo bonke ababesemzini wakhe kanye lezifuyo zakhe lezinye izinyamazana zakhe lempahla zonke ayezizuzile eKhenani, wasuka waya khatshana lomfowabo uJakhobe. **7** Imfuyo yabo yayinengi kakhulu okokuthi babengeke bahlale ndawonye; lomhlaba ababehlala kuwo wawungasoze ubathwale bobabili ngenxa yezifuyo zabo. **8** Ngakho u-Esawu (kutshiwo u-Edomi) wayakwakha elizweni lamaqaqa elaseSeyiri. **9** Lo ngumlando ka-Esawu uyise wama-Edomi elizweni lamaqaqa elaseSeyiri. **10** La ngamabizo amadodana ka-Esawu: U-Elifazi, indodana yomka-Esawu u-Ada, lo Ruweli indodana yomka-Esawu uBhasemathi. **11** Amadodana ka-Elifazi ayeyila: uThemani, u-Omari, uZefo, uGathamu loKhenazi. **12** Indodana ka-Esawu u-Elifazi wayelomfazi weceleni owayethiwa nguThimina, owamzalela u-Amaleki. Laba babengabazukulu baka-Ada umka-Esawu. **13** Amadodana kaRuweli ayeyila: uNahathi, uZera, uShama loMiza. Laba bebengabazukulu bomka-Esawu uBhasemathi umka-Esawu. **14** Amadodana kamka-Esawu u-Oholibhama, indodakazi ka-Ana, njalo engumzukululu kaZibhiyoni, awazalela u-Esawu ayeyila: uJewushi, uJalamu loKhora. **15** Laba babezinduna kwabosendo luka-Esawu: Amadodana ka-Elifazi izibulo lika-Esawu: Induna uThemani, u-Omari, uZefo, uKhenazi, **16** uKhora, uGathamu, lo-Amaleki. Lezi kwakuzinduna

ezidabuka ku-Elifazi, e-Edomi; zazingabazukulu baka-Ada.

17 Amadodana kaRuweli indodana ka-Esawu: Izinduna uNahathi, uZera, uShama loMiza. Lezizinduna zazidabuka kuRewuli e-Edomi; zazingabazukulu bakaBhasemathi umka-Esawu. **18** Amadodana ka-Oholibhama, umka-Esawu: Izinduna uJewushi, uJalamu loKhora. Lezi kwakuzinduna ezazidabuka kumka-Esawu, u-Oholibhama, indodakazi ka-Ana. **19** La ayengamadodana ka-Esawu (kutshiwo u-Edomi), njalo bona babezinduna zabo. **20** La ayengamadodana kaSeyiri umHori, ababehlala kulowomango: ULothani, uShobhali, uZibhiyoni, u-Ana, **21** uDishoni, u-Ezeri loDishani. La amadodana kaSeyiri e-Edomi ayeyizinduna zamaHori. **22** Amadodana kaLothani ayeyila: uHori loHemani. UThimina wayengudadewabo kaLothani. **23** Amadodana kaShobhali ayeyila: u-Alivani, uManahathi, u-Ebhali, uShefo lo-Onami. **24** Amadodana kaZibhiyoni ayeyila: u-Ayiya lo-Ana. (Lo nguyu u-Ana owafumana izintombo zamanzi atshisayo enkangala eselusa obabhemi bakayise uZibhiyoni.) **25** Abantwana baka-Ana babeyilaba: uDishoni lo-Oholibhama indodakazi ka-Ana. **26** Amadodana kaDishoni ayeyila: uHemidani, u-Eshibhani, u-Ithirani loKherani. **27** Amadodana ka-Ezeri ayeyila: uBhilihani, uZavani lo-Akhani. **28** Amadodana kaDishani ayeyila: u-Uzi lo-Arani. **29** Laba babezinduna zamaHori: ULothani, uShobhali, uZibhiyoni, u-Ana, **30** uDishoni, u-Ezeri loDishani. Laba babezinduna zamaHori kusiya ngezigaba zabo elizweni laseSeyiri. **31** La ayengamakhosi abusa e-Edomi kungakabusi inkosi yako-Israyeli: **32** UBhela indodana kaBheiyori waba

yinkosi e-Edomi. Idolobho lakhe lalibizwa ngokuthi yiDinihabha. **33** UBhela esefile, uJobhabhi indodana kaZera waseBhozira wathatha umbuso waba yinkosi. **34** UJobhabhi esefile, uHushamu waselizweni lamaThemani wathatha umbuso waba yinkosi. **35** UHushamu esefile, uHadadi indodana kaBhedadi, owanqoba uMidiyani elizweni laseMowabi, wathatha umbuso waba yinkosi. Idolobho lakhe lalibizwa ngokuthi yi-Avithi. **36** UHadadi esefile, uSamila waseMasirekha wathatha umbuso waba yinkosi. **37** USamila esefile, uShawuli waseRehobhothi phezu komfula wathatha umbuso waba yinkosi. **38** UShawuli esefile, uBhali-Hanani indodana ka-Akhibhori wathatha umbuso waba yinkosi. **39** UBhali-Hanani indodana ka-Akhibhori esefile, uHadari wathatha umbuso waba yinkosi. Idolobho lakhe labizwa ngokuthi yiPawu; njalo ibizo lomkakhe lalinguMehethabheli indodakazi kaMathiredi, indodakazi kaMe-Zahabhi. **40** Lezi kwakuzinduna ezadabuka ku-Esawu, ngamabizo azo, kusiya ngosendo lwazo lezigodi zazo: UThimina, u-Aliva, uJethethi, **41** u-Oholibhama, u-Ela, uPhinoni, **42** uKhenazi, uThemani, uMibhizari, **43** uMagidiyeli lo-Iramu. Lezi kwakuzinduna ze-Edomi, kusiya ngokuhlala kwabo elizweni ababakhe kulo. Lolu yilo-ke usendo luka-Esawu, uyise wama-Edomi.

37 UJakhobe wahlala elizweni lapho uyise laye ahlala kulo, ilizwe laseKhenani. **2** Lo ngumlando wosendo lukaJakhobe. UJosefa ijaha elalileminyaka elitshumi lesikhombisa, wayeselusa imihlambi yezimvu labanewabo, amadodana kaBhiliha lamadodana kaZilipha, abafazi

bakayise, wasebaceba kuyise. **3** U-Israyeli wasuka wamthanda uJosefa ukwedlula wonke amanye amadodana akhe, ngoba wamzala eseluphele; yikho wamenzela ijazi eliceciswe kakhulu. **4** Kwathi abafowabo bebona ukuthi uyise wayemthanda ukwedlula bonke abanye bamzonda kabazange bamkhulumise ngothando. **5** UJosefa waphupha, wathi esebatshelile ngephupho lakhe bamzonda ngokwedlulisileyo. **6** Wathi kubo, “Zwanini iphupho engibe lalo: **7** besibopha izithungo zamabele sisemasimini lapho okuthe masinyane esami isithungo saphakama sema saqonda, kwathi ezenu izithungo zasigombolozela esami, zasikhothamela phansi.” **8** Abanewabo bathi kuye. “Ufisa ukubusa phezu kwethu na? Ungasibusa ngempela na?” Basebemzonda ngamandla ngenxa yephupho lakhe lalokho ayekutshilo. **9** Waphinda waba lelinye iphupho, walitshela abanewabo. Wathi, “Lalelani, ngibe lalo elinye iphupho, kuleli, ilanga lenyanga kanye lezinkanyezi ezilitshumi lanye bezingikhothamela phansi.” **10** Wathi eselitshele uyise njalo labanewabo uyise wamkhalimela wathi, “Liphupho bani leli oliphuphileyo? Utsho ukuthi unyoko lami labanewenu sizaguqa phansi emhlabathini sibili siguqela wena?” **11** Abanewabo babalomona ngaye, kodwa uyise wayigcina engqondweni yakhe indaba le. **12** Abanewabo basuka bahamba lemihlambi kayise emadlelweni eduze kweShekhemu. **13** U-Israyeli wathi kuJosefa, “Njengoba usazi abanewenu basemadlelweni lemihlambi eduze kweShekhemu. Lalela-ke, ngifuna ukukuthuma kubo.” Waphendula wathi, “Kulungile.” **14** Ngakho wasesithi

abakhokheli, inhloko zezizwana zako-Israyeli, kumele babuthane phambi kwakho. **5** Nxa icilongo lingakhala kakhulu, izizwana ezihlala ezihonqweni ezisempumalanga zizasuka. **6** Lingakhala kakhulu okwesibili izihonqo ezingeningizimu zizasuka. Ukukhala kakhulu kwecilongo kutsho ukuthi kakusukwe. **7** Ekubuthanisweni kwabantu ndawonye, lizakhalisa amacilongo, kodwa kube lomahluko ukukhala kwawo. **8** Amadodana ka-Aroni, abaphristi, yibo abazatshaya amacilongo. Lesi siyisimiso esizakuma njalo kini lakuzizukulwane ezizayo. **9** Nxa lisilwa impi lesitha esilincindezelayo elizweni lakini, lizakhalisa kakhulu amacilongo. Ngalokho uThixo uNkulunkulu wenu uzalikhumbula njalo lisindiswe ezitheni zenu. **10** Njalo lasezikhathini zenu zentokozo, emikhosini emisiweyo kanye lemadilini okuThwasa kwenyanga, lizakhalisa amacilongo phezu kweminikelo yokutshiswa kanye leminikelo yobudlelwano, ngakho izakuba yisikhumbuzo senu phambi kukaNkulunkulu wenu. Mina nginguThixo uNkulunkulu wenu.” **11** Ngosuku lwamatshumi amabili ngenyanga yesibili ngomnyaka wesibili, iyezi lasuka phezu kweThabanikeli lobuFakazi. **12** Ngalokho abako-Israyeli basuka enkangala yaseSinayi bazula indawo ngendawo iyezi laze layakuma enkangala yasePharani. **13** Basuka, okwehlandla lakuqala ngokulaya kukaThixo ngoMosi. **14** Izigaba zezihonqo zakoJuda zasuka kuqala, ngophawu lwazo. Zazilawulwa nguNahashoni indodana ka-Aminadabi. **15** UNethaneli indodana kaZuwari ekhokhele izigaba zesizwana sika-Isakhari, **16** kuthi u-Eliyabi indodana kaHeloni ekhokhele izigaba zesizwana

sikaZebhuluni. **17** Ngakho basebechitha ithabanikeli, kwathi amaGeshoni lamaMerari ayelithwala, lawo asuka. **18** Kwalandela izigaba zezihonqo zikaRubheni, lazo zingaphansi kophawu lwazo. U-Elizuri indodana kaShedewuri wayekhokhele. **19** UShelumiyeli indodana kaZurishadayi ekhokhele isigaba sesizwana sikaSimiyoni, **20** kanti u-Eliyasafi indodana kaDuweli wayekhokhele isigaba sesizwana sikaGadi. **21** Kwasekusuka amaKhohathi, wona asuka ethwele izinto ezingcwele. Ithabanikeli kwakumele limiswe abako-Israyeli bengakafiki. **22** Izigaba zezihonqo zika-Efrayimi zalandela, ngaphansi kophawu lwazo. Owayekhokhele ngu-Elishama indodana ka-Amihudi. **23** UGamaliyeli indodana kaPhedazuri wayekhokhele isigaba sesizwana sikaManase, **24** kanti u-Abhidani indodana kaGidiyoni wakhokhela isigaba sezihonqo zesizwana sikaBhenjamini. **25** Ekucineni, beliviyo elalivimbe emuva kwazo zonke izigaba, kwaba ngabezihonqo zesizwana sikaDani, abasuka ekucineni labo bengaphansi kophawu lwabo. Owayekhokhele kwakungu-Ahiyezeri indodana ka-Amishadayi. **26** UPhagiyeli indodana ka-Okhirani wayekhokhele isigaba sesizwana sika-Asheri, **27** kanti u-Ahira indodana ka-Enani wayekhokhele isigaba sesizwana sikaNafithali. **28** Lokhu kwakuyindlela yokulandelana kokuhamba kwezigaba zabako-Israyeli ekusukeni kwabo. **29** UMosi wathi kuHobhabhi indodana kaRuweli onguMidiyani uyisezala kaMosi, “Sesisuka sisiya elizweni lelo elatshiwo nguThixo ukuthi ‘Ngizalipha lona.’ Woza sihambe lawe thina sizakuphatha kuhle, uThixo uthembise abako-

Israyeli izinto ezinhle.” **30** Waphendula wathi, “Hatshi, angiyikuhamba, ngizabuyela kwelakithi ebantwini bakithi.” **31** Kodwa uMosi wathi, “Ngiyakuncenga ungasuki phakathi kwethu. Nguwe owazi lapha okufanele sihlale khona enkangala, njalo ongaba ngamehlo ethu. **32** Nxa unghamba lathi, sizakwabelana lawe izinto ezinhle esiyabe siziphiwe nguThixo.” **33** Ngakho basuka entabeni kaThixo bahamba okwensuku ezintathu. Umtshokotsho wesivumelwano sikaThixo wahamba phambi kwabo okwalezonsuku ezintathu ukubafunela indawo yokuphumula. **34** Iyezi likaThixo lalisiba phezu kwabo emini lapho sebesuka ezihonqweni. **35** Kwakusithi lapho umtshokotsho wesivumelwano usuka, uMosi athi, “Phakama, Thixo! Sengathi izitha zingahlakazeka; sengathi izitha zakho zingabaleka phambi kwakho.” **36** Kwakusithi lingema, athi, “Buya, Thixo, kuzinkulungwane zako-Israyeli ezingabalwe.”

11 Abantu basola ngobunzima ababelabo uThixo esizwa, kwathi ekuzwa lokho wathukuthela kakhulu. Kwasekusithi umlilo ovela kuThixo wavutha phakathi kwabo waze waqothula lezinye izindawo ezisemaphethelweni ezihonqo. **2** Kwathi lapho abantu sebekhale kuMosi, yena wakhuleka kuThixo ngakho umlilo wadeda. **3** Indawo leyo yasibizwa ngokuthi yiThabhera, ngoba umlilo kaThixo wavutha phakathi kwabo. **4** Uquqaba lwabantu olwaluphakathi kwabo lwaqala ukufisa okunye ukudla, ngakho labako-Israyeli baqala ukulila bathi, “Aluba besingazuza inyama yokudla nje kodwa lokhu! **5** Sesikhumbula inhlanzi esasizidla eGibhithe

kungelambadalo lamakhomane, amakhabe, amalikhi
 lemihlobo yonke yehyanisi kanye legalikhi. **6** Pho
 khatesi lapha sesize singasakhwabithi lokudla; kasiboni
 lutho ngaphandle kwemana yonale zwi!” **7** Imana
 yayiphose ilingane lentanga yekhoriyanda ilombala
 ofana lowenhlaka. **8** Abantu babephuma bayeyibutha,
 bayichole kumbe bayigige. Babeyipheka embizeni
 kumbe benze amaqebelengwana ngayo. Yayinambitheka
 njengento ephekwe ngamafutha e-oliva. **9** Kwakusithi
 nxa kusiba lamazolo ezihonqweni ebusuku, imana
 layo ikhithika. **10** UMosi wezwa abantu bendlu inye
 ngayinye bekhala, ngulowo esemnyango wethente
 lakhe. UThixo wathukuthela kakhulu, njalo uMosi
 wakhathazeka. **11** UMosi wathi kuThixo, “Kungani
 wehlisele ubunzima encekwini yakho na? Kuyini
 engikwenzileyo okungakuthokozisanga ukuze ungeleke
 ngobunzima babantu bonke laba na? **12** Ngingunina wabo
 na? Yimi engabazalayo yini? Kungani usithi ngibaphathe
 ngezandla zami njengomongikazi ephethe usane, ngibase
 elizweni lesithembiso owafunga ngalo kubokhokho
 babo na? **13** Ngingayithatha ngaphi inyama yokupha
 abantu bonke laba? Lokhu bengikhalela besithi, ‘Sinike
 inyama sidle!’ **14** Ngeke ngibathwale abantu bonke
 laba ngingedwa; umthwalo lo unzima kakhulu kimi.
15 Nxa kuyiyo indlela ozangiphatha ngayo, ngibulala
 khatesi, nxa ngifumane umusa kuwe, ukuze ngingaboni
 ukuhlupheka kwami.” **16** UThixo wathi kuMosi:
 “Ngilethela ebadaleni bako-Israyeli abangamatshumi
 ayisikhombisa obaziyo ukuthi bangabakhokheli futhi

yizikhulu zabantu. Balethe ethenteni lokuhlangana ukuze bame lawe khonapho. **17** Ngizakwehla ngizekhuluma lawe khonapho, ngizathatha ingxenye yoMoya okuwe ngiwufake phezu kwabo. Bazakuncedisa ukuthwala umthwalo wabantu bako-Israyeli ukuze ungawuthwali wedwa. **18** Tshela abantu uthi: Zingcweliseni lilungiselela usuku lwakusasa, lapho elizakudla khona inyama. UThixo ulizwile likhala kuye lisithi, 'Ngubani ozasipha inyama ukuba sidle? Kwakungcono kithi siseGibhithe!' Khathesi uThixo uzalinika inyama, njalo lizayidla. **19** Aliyikuyidla okosuku olulodwa loba ezimbili, loba ezinhlanu, ezilitshumi loba ezingamatshumi amabili, **20** kodwa lizayidla okwenyanga yonke, ize iphume ngamakhala enu, ilitshiphele, ngoba limhlamukele uThixo ephakathi kwenu, njalo likhalile phambi kwakhe, lisithi, 'Kanti sivele sasukelani eGibhithe.'" **21** Kodwa uMosi wathi, "Mina ngilapha phakathi kwamadoda azinkulungwane ezingamakhulu ayisithupha ahamba ngezinyawo, kodwa wena uthi, 'Ngizabanika inyama abazayidla okwenyanga yonke!' **22** Bebeneneliswa na aluba bebehlatshelwe imihlambi yezimvu leyezifuyo? Babezakweneliswa na aluba begolelwe inhlanzi zonke zasolwandle?" **23** UThixo wamphendula uMosi wathi, "Kambe ingalo kaThixo imfitshane na? Uzabona-ke khathesi longabe yebo loba hayi ukuthi engikutshoyo kuzagcwaliseka kuwe." **24** Ngakho uMosi waphuma wayatshela abantu lokho okwaktshiwo nguThixo. Wahlanganisa abadala abangamatshumi ayisikhombisa wabamisa bahonqolozela ithente. **25** Ngalokho uThixo wehla ngeyezi

wakhuluma laye, yena wasethatha uMoya owawuphezu kwakhe wawethulela phezu kwabadala bebandla abangamatshumi ayisikhombisa. Kwathi uMoya usuphezu kwabo, baphrofitha, kodwa kabazange baphinde bakwenze emva kwalokho. **26** Kodwa-ke, kwakukhona amadoda amabili, kungu-Elidadi loMedadi ababesele esihonqweni. Lanxa babebalelwa ebadaleni, kodwa kabazange baphume ukuya eThenteni. Kanti-ke uMoya wawehlele phezu kwabo labo, njalo babephrofitha besesihonqweni. **27** Ijahana elincinyane lagijima layabikela uMosi lathi, “U-Elidadi loMedadi bayaphrofitha besesihonqweni.” **28** UJoshuwa indodana kaNuni, owayekade engumsekeli kaMosi kusukela ebutsheni bakhe, waphakamisa ilizwi wathi, “Mosi, nkosi yami, bathulise!” **29** Kodwa uMosi waphendula wathi, “Uyangikhwelezela na? Ngiyafisa ukuthi ngabe bonke abantu bakaThixo bangabaphrofethi njalo lokuthi UThixo wehlisele uMoya wakhe phezu kwabo!” **30** Ngakho uMosi labadala bako-Israyeli babuyela ezihonqweni. **31** Kwasekuphephetha umoya uvela kuThixo wathinta izagwaca zivela olwandle. Zakhithika zelekana ukusuka phansi okwezingalo ezimbili ezihonqweni, zendlaleka okomango ongahanjwa okosuku lonke inxa zonke. **32** Mhlalokho emini lebusuku njalo langosuku olulandelayo abantu baphuma bayabutha izagwaca. Akekho owabutha izagwaca ezinganeno kwamahomeri alitshumi. Ngakho basebezichaya indawana zonke ezihonqweni. **33** Kodwa kwathi belokhu besayihlafuna inyama bengakayiginyi, ulaka lukaThixo lwavutha phezu kwabantu, njalo wabatshaya ngokubehlisela umkhuhlane.

34 Ngakho indawo leyo yabizwa ngokuthi yiKhibhrothi Hathava, ngoba kulapho okwangcwatshwa khona abantu ababebukhali kokunye ukudla. **35** Ekusukeni kwabo eKhibhrothi Hathava abantu bahamba baze bayafika eHazerothi bahlala khona.

12 UMiryemu lo-Aroni basuka basebeqalisa ukusola uMosi ngenxa yomkakhe ongumKhushi, njengoba wayethethe umKhushi. **2** Babuzana bathi: “Kambe uMosi nguye yedwa ongumlomo kaThixo na? Kanti lathi kazange asenze izikhulumeli zakhe na?” UThixo wakuzwa lokhu. **3** (UMosi wayeyindoda ethobeke kakhulu, ethobeke ukwedlula wonke amadoda asemhlabeni.) **4** Khonokho nje uThixo wathi kuMosi, u-Aroni loMiryemu, “Phumani lize ethenteni lokuhlangana, lonke lobathathu.” Lakanye beza bobathathu. **5** UThixo wehla ngensika yeyezi; wema esangweni lethente wasebiza u-Aroni loMiryemu. Kwathi lapho sebesondele bobabili, **6** uThixo wasesithi, “Lalelani amazwi ami: Nxa kulomphrofethi kaThixo phakathi kwenu, ngiziveza kuye ngemibono, ngikhuluma laye emaphutsheni. **7** Kodwa akunjalo ngenceku yami uMosi; uthembekile endlini yami yonke. **8** Nxa ngikhuluma laye siqondana ubuso ngobuso, ngokucacileyo kungesikuphicana; uyasibona isimo sikaThixo. Kungani pho belingesabi ukusola inceku yami uMosi na?” **9** Ulaka lukaThixo lwavutha phezu kwabo, uThixo wasesuka kubo. **10** Ekusukeni kweyezi phezu kwethente, kwabonakala uMiryemu esemi lapho eselobulephero obunjengongqwaqwane. U-Aroni uthe emkhangela wambona eselobulephero; **11** wasesithi

kuMosi, “Awu, nkosi yami, ungasibeki icala ngenxa yesono esisenze ngobuwula. **12** Ungamyekeli enjengomntwana ozelwe efile, inyama yakhe idliwe nganxanye.” **13** Ngakho uMosi wakhala kuThixo wathi, “Nkulunkulu, ngiyakucela, msilise.” **14** UThixo waphendula uMosi wathi, “Kambe ngabe uyise ubemkhafulele ebusweni, ubengayikuthwala ihlazo okwensuku eziyisikhombisa na? Mkhupheni ahlale ngaphandle kwezihonqo okwensuku eziyisikhombisa; ngemva kwalokho selingambuyisa.” **15** Ngakho uMiryemu wahlaliswa ngaphandle kwezihonqo okwensuku eziyisikhombisa, ngakho abantu kabaqhubekanga ngohambo waze waphenduka. **16** Ngemva kwalokho, abantu basuka eHazerothi bayamisa izihonqo enkangala yasePharani.

13 UThixo wathi kuMosi, **2** “Thuma amadoda athile ukuba ayehlola ilizwe laseKhenani, engilinka abako-Israyeli. Kusendo ngalunye lwesizwe thuma umkhokheli oyedwa.” **3** Ngakho ngokulaya kukaThixo uMosi wabakhupha labo enkangala yePharani. Bonke babengabakhokheli bako-Israyeli. **4** Nanka amabizo abo: esizweni sikaRubheni, kwakunguShamuwa indodana kaZakhuri; **5** esizweni sikaSimiyoni, kwakunguShafathi indodana kaHori; **6** esizweni sikaJuda, kwakunguKhalebi indodana kaJefune; **7** esizweni sika-Isakhari, kwakungu-Igali indodana kaJosefa; **8** esizweni sika-Efrayimi, kwakunguHosheya indodana kaNuni; **9** esizweni sikaBhenjamini, kwakunguPhalithi indodana kaRafu; **10** esizweni sikaZebhuluni, kwakunguGadiyeli indodana kaSodi; **11** esizweni sikaManase (owesizwe sikaJosefa),

kwakunguGadi indodana kaSusi; **12** esizweni sikaDani, kwakungu-Amiyeli indodana kaGemali; **13** esizweni sika-Asheri, kwakunguSethuri indodana kaMikhayeli; **14** esizweni sikaNafithali, kwakunguNabhi indodana kaVofisi; **15** esizweni sikaGadi, kwakunguGewuweli indodana kaMakhi. **16** La ngamabizo alawomadoda athunywa nguMosi ukuyahlola ilizwe. (UMosi wetha uHosheya indodana kaNuni ibizo elithi Joshuwa.) **17** Ekubathumeni kwakhe ukuyahlola ilizwe laseKhenani, uMosi wathi kubo, “Hambani liye eNegebi likhuphukele elizweni lezintaba. **18** Likhangele ukuthi ilizwe lakhona linjani njalo lokuthi abantu bakhona balamandla kumbe babuthakathaka, balutshwana kumbe banengi. **19** Ilizwe abahlala kulo linjani? Lihle na loba libi? Amadolobho abahlala kuwo anjani? Agonjolozelwe ngemiduli loba asegekeni nje? **20** Umhlabathi wakhona unjani? Uvundile na loba ulugwadule? Langabe lilezihlahla loba hayi? Yenzani ubungcono benu libuye lezinye zezithelo zakulelizwe.” (Kwakuyisikhathi sokuvuthwa kwezithelo zakuqala zevini.) **21** Ngakho bahamba ukuyahlola ilizwe besukela eNkangala yaseZini kuze kuyefika eRehobhi, ngokuya eLebho Hamathi. **22** Bahamba-ke badabula eNegebi baze bayafika eHebhroni, lapho okwakhulala khona u-Ahimani, loSheshayi kanye loThalimayi, izizukulwane zika-Anakhi. (IHebhroni yakhiwa iminyaka eyisikhombisa kungakakhiwa idolobho laseZowani eGibhithe.) **23** Bathi befika esihotsheni sase-Eshikholi baquma ugatsha olwalulesixha sezithelo zevini. Ababili babo basithwala besigaxe egodweni

ndawonye lamaphomegranathi kanye lomkhiwa. **24**
Lindawo yabizwa ngokuthi yisihotsha sase-Eshikholi
ngenxa yesixha sezithelo zevini esaqunywa khona
ngabako-Israyeli. **25** Ngemva kwensuku ezingamatshumi
amane zokuhlola ilizwe inhloli zabuyela emuva. **26**
Babuyela kuMosi lo-Aroni lakuso sonke isizwe sako-
Israyeli eKhadeshi, enkangala yasePharani. Babikela
uMosi lo-Aroni kanye labo bonke abako-Israyeli njalo
batshengisa lezithelo zakulelolizwe. **27** Balandisela uMosi
bathi: “Sihambile elizweni lelo obukade usithume kulo,
ngempela ligeleza uchago loluju! Nanzi izithelo zalo.
28 Kodwa abantu abahlala khona balamandla kanti
lamadolobho akhona makhulu njalo avikelwe. Size sabona
lezizukulwane zika-Anakhi khonale. **29** Ama-Amaleki
ahlala eNegebi; amaHithi, lamaJebusi lama-Amori bahlala
elizweni lezintaba, amaKhenani wona ahlala eduzane
lolwandle esekele umfula uJodani.” **30** Emva kwalokho
uKhalebi wathulisa abantu phambi kukaMosi wasesithi,
“Kufanele ukuthi sihambe siyethatha ilizwe leli libe
ngelethu, ngoba singakwenza sibili.” **31** Kodwa amadoda
lawo ayehambe laye athi, “Asingeke sibahlasele abantu
labo; balamandla kulathi.” **32** Basebetshela abantu bako-
Israyeli umbiko omubi ngelizwe ababelihlolile. Bathi,
“Ilizwe esilihlolileyo liyabagabhela labantu abahlala
kulo. Bonke abantu esibabone khonale yiziqhwaga. **33**
Sibone khona amaNefilimi (isizukulwane sika-Anakhi
sivela kumaNefilimi.) Emehlweni ethu besingangentethe
phambi kwabo, lasemehlweni abo besinjalo.”

14 Ngalobobusuku abantu bonke emphakathini baphakamisa amazwi abo bakhala kakhulu. **2** Bonke abako-Israyeli bakhonona besola uMosi lo-Aroni, lonke ibandla lathi kubo, “Ngabe sahle sazifela eGibhithe, kumbe khonapha enkangala! **3** Kungani uThixo esilethe kulelizwe ukuthi sife sibulawa ngenkemba na? Amakhosikazi ethu kanye labantwabethu bazakuba yimpango. Kambe kakungcono yini ukuthi sibuyele eGibhithe na?” **4** Bakhulumisana besithi, “Asikhetheni omunye umkhokheli asibuyisele eGibhithe.” **5** Ngakho uMosi lo-Aroni bathi mbo ngobuso phansi phambi kwabantu bako-Israyeli bonke ababebuthene lapho. **6** Kwathi uJoshuwa indodana kaNuni kanye loKhalebi indodana kaJefune, ababengabanye balabo ababeyehlola ilizwe, badabula izigqoko zabo **7** bathi kubo bonke abako-Israyeli ababebuthene, “Ilizwe esadabula kulo salihlola lihle kakhulu. **8** Nxa uThixo ethokoza ngathi, uzasikhokhelela kulo, ilizwe eligeleza uchago loluju, njalo uzakusinika lona. **9** Kuphela nje lingamhlamukeli uThixo. Futhi lingabesabi abantu bakulelizwe, ngoba sizabadla sibaqede. Kabaselaso isivikelo, kodwa uThixo ulathi. Lingabesabi.” **10** Kodwa ibandla wonke wathi kabakhandwe ngamatshe. Inkazimulo kaThixo yasibonakala kubo bonke abako-Israyeli ethenteni lokuhlangana. **11** UThixo wasesithi kuMosi, “Koze kube nini abantu laba bengeyisa na? Kuzaze kube nini bengangikholwa, loba sengenze izinto ezimangalisayo phakathi kwabo na? **12** Ngizabatshaya ngomkhuhlane ngibabhubhise, kodwa wena ngizakwenza

ube yisizwe esikhulu njalo esilamandla kulabo.” **13** UMosini wasesithi kuThixo, “AmaGibhithe azakuzwa lokhu! Abantu laba bakhutshwa nguwe phakathi kwabo ngamandla akho. **14** Ngakho bazatshela abakhileyo kulelizwe ngalesisehlakalo. Bavele sebezile ukuthi wena, Oh Thixo, ulabo lababantu njalo lokuthi wena, Thixo, ubonakale uqondene labo ubuso ngobuso, lokuthi iyezi lakho lihlala liphezu kwabo, njalo lokuthi uhamba phambi kwabo ngensika yeyezi lakho emini kuthi ebusuku ngensika yomlilo. **15** Pho ungababhubhisa abantu bonke laba ngasikhathi sinye, izizwe esezizwile ngalezizindaba ngawe zizakuthi, **16** ‘UTHixo wehlulekile ukungenisa abantu laba elizweni abathembisa lona ngesifungo; ngakho usebabhubhisele enkangala.’ **17** Amandla kaThixo kabonakaliswe khathesi, njengokutsho kwakho ukuthi: **18** ‘UTHixo uyaphuza ukuthukuthela, ugcwele ngothando njalo uyathethelela isono lokuhlumuka. Kodwa kayikubayekela abalecala bengajeziswanga; ujezisa abantwana ngenxa yezono zaboyise kuze kube kusizukulwane sesithathu lesesine.’ **19** Thethelela isono salabantu, ngenxa yothando lwakho olukhulu, ubaxolele njengokubaxolela kwakho kusukela ngesikhathi abasuka ngaso eGibhithe kuze kube khathesi.” **20** UThixo waphendula wathi, “Sengibathethelele njengesicelo sakho. **21** Impela njengoba ngiphila, lanjengoba inkazimulo kaThixo igcwalise umhlaba wonke, **22** akulamuntu loyedwa owabona inkazimulo yami kanye lezibonakaliso zezimanga engazenza eGibhithe lasenkangala kodwa kaze angilalele njalo wangilinga

okungaba ngamahlandla alitshumi, **23** akukho loyedwa wabo ozalibona ilizwe engalithembisa okhokho babo ngesifungo. Futhi kakho loyedwa ongidelelayo ozalibona. **24** Kodwa ngenxa yokuthi inceku yami uKhalebi ulomoya owehlukileyo njalo ungilandela ngenhliziyo yakhe yonke, ngizamngenisa elizweni afika kulo, lizakuba yilifa lezizukulwane zakhe. **25** Njengoba ama-Amaleki lamaKhenani ehlala ezigodini, lina phendukani kusasa liqonde enkangala ngendlela yasoLwandle oLubomvu.” **26** UThixo wathi kuMosi lo-Aroni: **27** “Koze kube nini lababantu abangalunganga bekhonona bengisola na? Sengizwile ukusola lokukhonona kwabako-Israyeli. **28** Ngakho batshele uthi, ‘Njengoba ngiphila impela, kutsho uThixo, ngizakwenza kini zona lezozinto engilizwe lizikhuluma. **29** Izidumbu zenu zizagcwala enkangala yonale, lina lonke elabalwayo ngesikhathi sokubalwa kwabantu elileminyaka yokuzalwa engamatshumi amabili kusiya phezulu labo bonke abakade bekhonona bengisola. **30** Kakho loyedwa wenu ozangena elizweni engafunga ngokuphakamisa isandla ukuthi libe likhaya lenu, ngaphandle kukaKhalebi indodana kaJefune loJoshuwa indodana kaNuni. **31** Mayelana labantwana benu labo elathi bazakuba yimpango, ngizabangenisa elizweni lelo elilalileyo ukuze bathokoze kulo. **32** Kodwa lina, izidumbu zenu zizawohlokela kule inkangala. **33** Abantwabenu bazakuba ngabelusi lapha okweminyaka engamatshumi amane, behlupheka ngenxa yokungathembeki kwenu, kuze kungcwatshwe isidumbu sokucina enkangala. **34** Okweminyaka engamatshumi amane, umnyaka munye

umele usuku lunye elahlola ngalo ilizwe, lizahlupheka ngenxa yezono zenu lize lazi ukuthi kuyinto enjani nxa mina ngimelana lani.’ **35** Mina Thixo, sengikhulumile, njalo ngempela ngizazenza lezizinto ebantwini laba bonke, abamanyeneyo bemelana lami. Bazabhubha kuyonale inkangala; bazafela khonapha.” **36** Ngakho amadoda ayethunywe nguMosi ukuthi ayehlola ilizwe, lawo athi ekuphendukeni kwawo amemethekisa umbiko omubi owabangela ukuthi abantu bakhonone besola uMosi, **37** lawomadoda amemethekisa umbiko ongalunganga mayelana lelizwe atshaywa ngomkhuhlane afa phambi kukaThixo. **38** Emadodeni ayeyehlola ilizwe, kwasila kuphela uJoshuwa indodana kaNuni kanye loKhalebi indodana kaJefune. **39** Kwathi lapho uMosi esebikele bonke abako-Israyeli, bakhala kabuhlungu. **40** Ngosuku olulandelayo ekuseni kakhulu baqonda elizweni lamaqaqa. Bathi, “Sonile, sizakuya kuleyondawo esayithenjiswa nguThixo.” **41** Kodwa uMosi wathi kubo, “Kungani lingalaleli umlayo kaThixo na? Lokhu elikwenzayo akusoze kuphumelele! **42** Lingakhuphuki, ngoba uThixo kalisekeli. Lizakwehlulwa yizitha zenu, **43** ngoba lizaqondana lama-Amaleki kanye lamaKhenani khonale. Ngenxa yokuthi limhlamukele uThixo, yena kayikuba lani ngakho lizabhujiswa ngenkemba.” **44** Loba kunjalo, baqhubeka beqonde elizweni lamaqaqa benganakile, loba uMosi kumbe umtshokotsho wesivumelwano sikaThixo kungasukanga ezihonqweni. **45** Ngakho ama-Amaleki lamaKhenani ayehlala kulelolizwe lamaqaqa ehla abahlasela, ababhuqa ebaxotsha baze bayafika eHoma.

15 UThixo wathi kuMosi, **2** “Tshela abako-Israyeli uthi kubo: ‘Ngemva kokungena kwenu elizweni engilinka lona ukuba libe likhaya lenu, **3** kumele lethule iminikelo yenu eyenziwa ngomlilo kuThixo, kusukela emihlambini yenkomo leyezimvu, kube liphunga elimnandi kuThixo, kungakhathalekile ukuthi ngumnikelo wokutshiswa kumbe ngumhlatshelo, kungokwezifungo eziqakathekileyo loba iminikelo yokuzithandela loba eyemikhosi emisiweyo, **4** ngakho lowo oletha umnikelo wakhe uzakwethula kuThixo umnikelo wamabele oyingxenye eyodwa etshumini lehefa lefulawa ecolekileyo exutshaniswe lamafutha ayingxenye eyodwa kokune kwehini. **5** Lungisa lewundlu ngalinye elomnikelo wokutshiswa loba umhlatshelo ingxenye eyodwa kokune yehini yewayini njengomnikelo wokunathwayo. **6** Kuthi ngenqama ulungise umnikelo wamabele ube yisilinganiso sokubili kokulitshumi kwehefa lefulawa ecolekileyo exutshaniswe lamafutha ayisilinganiso esisodwa kokuthathu kwehini, **7** lewayini eliyisilinganiso sehini esisodwa kokuthathu kube ngumnikelo wokunathwayo. Kunikele kube liphunga elimnandi kuThixo. **8** Nxa ulungisa inkunzi eliguqa njengomnikelo wokutshiswa loba umhlatshelo, kusenzelwa isifungo esiqakathekileyo loba umnikelo wobudlelwano kuThixo, **9** lethu ndawonye lenkunzi umnikelo wamabele acholiweyo aba yifulawa ecolekileyo eyisilinganiso sehefa sokuthathu etshumini exutshaniswe lamafutha ayingxenye yehini. **10** Lethu njalo lewayini eliyizilinganiso zengxenye yehini kube ngumnikelo

wokunathwayo. Lokhu kuzakuba ngumhlatshele wokudla, iphunga elimnandi kuThixo. **11** Ngakho inkunzi inye ngayinye loba inqama, iwundlu linye ngalinye loba izinyane lembuzi, akulungiswe ngale indlela. **12** Lokhu kwenze emnikelweni ngamunye loba ulungise emingaki. **13** Wonke ozalwa lapha kumele enze lezizinto ngale indlela lapho eletha umnikelo wakhe owenziwe ngomlilo njengephunga elimnandi kuThixo. **14** Ezizukulwaneni ezilandelayo, owezizweni loba ngubani ohlezi lani nxa esethula umnikelo owenziwa ngomlilo njengoqhatshi olumnandi kuThixo, kumele enze khona lokho elikwenzayo. **15** Imithetho le kumele uyilandele wena labantu bonke kanye labezizweni abahlala phakathi kwenu; lesi yisimiso esimi njalo lakuzizukulwane ezilandelayo. Lina kanye labezizweni lizafanana phambi kukaThixo: **16** Lizabuswa ngemithetho lemilayo efananayo lina kanye labezizwe abahlala phakathi kwenu.” **17** UThixo wathi kuMosi, **18** “Tshela abako-Israyeli uthi: ‘Ekungeneni kwenu elizweni engilisa kulo **19** lingadla ukudla kwalelolizwe, yethulani ingxenye yakho ibe ngumnikelo kuThixo. **20** Lethani isinkwa esenziwe ngempuphu yakuqala lisethule njengomnikelo ovela esizeni. **21** Kuzozonke izizukulwane ezilandelayo lizakwethula umnikelo kuThixo uthethwe emputshini yenu yakuqala.” **22** “Kungakho nxa wehlulekile ukugcina loba yiphi imilayo uThixo ayinika uMosi ungananzelelanga, **23** loba yiphi imilayo kaThixo alitshela yona ngoMosi, kusukela ngosuku uThixo amupha yona kuqhubekela ezizukulwaneni ezilandelayo, **24** kanti njalo lokhu kwenzakele ngephutha

abantu bengakunanzelele, kutsho ukuthi abantu bonke bakuleyondawo bazanikela ngenkunzi eliguqa kube ngumnikelo wokutshiswa olephunga elimnandi kuThixo, ndawonye lomnikelo wamabele lowokunathwayo, kanye lempongo yomnikelo wesono njengokumisiweyo. **25** Umphristi uzakwenzela isizwe sonke sako-Israyeli indlela yokubuyisana, ngakho bazathethelelwa, ngoba bekungayingabomo njalo banikele kuThixo ngokona kwabo umhlatshelo wokudla kanye lomnikelo wesono. **26** Abantu bonke bako-Israyeli kanye labezizwe abahlala labo bazathethelelwa, ngoba bonke lababantu babengonanga ngabomo. **27** Kodwa nxa kungumuntu oyedwa owonayo kungesikho ngabomo, kumele alethe imbuzi ensikazi elomnyaka owodwa ibe ngumnikelo wesono. **28** Umphristi uzamenzela lowo owone ngokwenza isono kungesikho ngabomo indlela yokubuyisana phambi kukaThixo, kuthi ngemva kokuba indlela yokubuyisana isiyenziwe, uzathethelelwa. **29** Wonalo umthetho ngowomuntu wonke owonayo kungesikho ngabomo, kungakhathalekile ukuthi ungowako-Israyeli ozalelwe khonapha kumbe ngowezizweni. **30** Kodwa loba ngubani owenza isono ngabomo, kungaba ngowakini loba owezizweni, athuke uThixo, lowomuntu uzaxotshwa ebantwini bakibo. **31** Ngenxa yokweyisa ilizwi likaThixo lokwephula imilayo yakhe, lowomuntu ngempela kaxotshwe kwabakibo; uhlala elokhu elalo icala.” **32** Ngesikhathi abako-Israyeli besenkangala, indoda ethile yatholakala itheza inkuni ngosuku lweSabatha. **33** Kwathi labo abamficayo etheza bamusa kuMosi lo-Aroni kanye lakubo bonke abantu, **34**

ngoba kungakazakali ukuthi kumele enziweni; wavalelwa entolongweni. **35** UThixo wasesithi kuMosi, “Indoda leyo kumele ife. Abantu bonke kumele bamkhande ngamatshe ngaphandle kwezihonqo.” **36** Ngakho abantu bamusa ngaphandle kwezihonqo bamkhanda ngamatshe waze wafa, njengokulaywa kukaMosi nguThixo. **37** UThixo wathi kuMosi, **38** “Tshela abako-Israyeli uthi kubo: ‘Kuzozonke izizukulwane ezizayo, kumele lithungele izixha zentshaka emiphethweni yezembatho zenu, isixha ngasinye sibe lentambo eluhlaza. **39** Lizakhumbula imilayo yonke kaThixo njalo liyilalele izikhathi zonke nxa likhangela intshaka lezi ukuze lingazibhixi ngokulandela izinkanuko zezinhliziyu zenu kanye lamehlo enu liduhe. **40** Ngakho lizakhumbula ukuyilandela yonke imilayo yami ukuze lehlukaniselwe uNkulunkulu wenu. **41** Mina nginguThixo uNkulunkulu wenu, owalikhupha eGibhithe ukuze ngibe nguNkulunkulu wenu. NginguThixo uNkulunkulu wenu.”

16 UKhora indodana ka-Izihari, indodana kaKhohathi, indodana kaLevi, labathile abakoRubheni, uDathani kanye lo-Abhiramu, amadodana ka-Eliyabi, kanye lo-Oni indodana kaPhelethi baqala ukuba yiziqholo **2** bavukela uMosi. Bakwenza lokhu bendawonye lamanye amadoda angamakhulu amabili alamatshumi amahlanu ako-Israyeli, abakhokheli abadumileyo babantu bakuleyondawo ababekhethelwe ukuthi babe ngamalunga enkundla. **3** Beza beliqembu ukuzomelana loMosi lo-Aroni bathi kubo, “Seledlulise amalawulo! Abantu bonke bako-Israyeli bangcwele, bonke ngamunye wabo, njalo uThixo uyabasekela. Pho kungani liziphakamisa

ngaphezu kwabantu bakaThixo na?” 4 UMosi wathi ekuzwa lokhu, wawela phansi ngobuso. 5 Wasesithi kuKhora lakubalandeli bakhe: “Kusasa ekuseni uThixo uzaveza obala ukuthi ngubani ongowakhe lokuthi ngubani ongcwele, njalo uzamvumela lowomuntu ukuthi asondele kuye. Indoda azayikhetha uzayivumela ukuthi isondele phansi kwakhe. 6 Wena, Khora, kanye labalandeli bakho yenzani lokhu: Thathani indengezi 7 kuthi kusasa libasele umlilo njalo litshisele impepha kuzo phambi kukaThixo. Indoda ezakhethwa nguThixo yiyo engcwele. Lina baLevi seledlulise amalawulo!” 8 UMosi wabuye wathi kuKhora, “Khathesi lalelani-ke, lina baLevi! 9 Kanti akulanelisanga yini ukuthi uNkulunkulu ka-Israyeli ulikhethile phakathi kwabo bonke abako-Israyeli njalo walisondeza phansi kwakhe ukuze lenze umsebenzi ethabanikeleni likaThixo lokuthi lizakuma phambi kwesizwe lisenzele inkonzo na? 10 Ukusondezile wena kanye labanye bakho abangabaLevi phansi kwakhe, kodwa-ke khathesi selifuna lobuphristi. 11 Ukubambana kwakho kanye labalandeli bakho kuyikumelana loThixo limphikisa. Kambe ungubani u-Aroni elingakhonona ngaye?” 12 Ngakho uMosi wabiza uDathani lo-Abhiramu amadodana ka-Eliyabi. Kodwa bona bathi, “Vele kasibuyi! 13 Kambe bekungenelanga yini ukuthi wasikhipha elizweni eligeleza uchago loluju ukuzasibulalela enkangala na? Khathesi usufuna lokuba yinkosi phezu kwethu? 14 Kunjalo-nje, awukasingenisi elizweni eligeleza uchago loluju kumbe ukusipha ilifa lamasimu kanye lezivini. Ufuna ukukopola amehlo amadoda la na? Hatshi,

kasibuyi!” **15** Ngalokho uMosi wathukuthela kakhulu wasesithi kuThixo, “Ungawemukeli umnikelo wabo. Angithathanga lutho kubo ngitsho lobabhemi kodwa lokhu, njalo kakho loyedwa engimoneleyo.” **16** UMosi wathi kuKhora, “Wena kanye labo bonke abalandeli bakho kumele lime phambi kukaThixo kusasa, wena, bona kanye lo-Aroni. **17** Indoda inye nganye kumele ithathe udengezi ifake impepha kulo, indengezi ezingamakhulu amabili alamatshumi amahlanu, njalo iwethule phambi kukaThixo. Wena kanye lo-Aroni lani kufanele liveze ezenu indengezi.” **18** Ngakho indoda inye ngayinye yathatha udengezi lwayo, yafaka umlilo kanye lempepha kulo, njalo yema loMosi lo-Aroni esangweni lethente lokuhlangana. **19** Kwathi uKhora esebaqoqile abalandeli bakhe bephikisana labo esangweni lethente lokuhlangana, inkazimulo kaThixo yabonakala kubo bonke abantu ababebuthene kuleyondawo. **20** UThixo wathi kuMosi lo-Aroni, **21** “Sukani phakathi kwalaba ababutheneyo ukuze ngibabhubhise khathesi.” **22** Kodwa uMosi lo-Aroni bawa phansi ngobuso bakhala bathi, “Oh Nkulunkulu, Nkulunkulu wemiphefumulo yabantu bonke, uzathukuthelela abantu bonke jikelele ngenxa yomuntu oyedwa owonileyo na?” **23** Ngakho uThixo wathi kuMosi, **24** “Tshela ibandla uthi, ‘Sukani eduze kwamathente aboKhora, loDathani lo-Abhiramu.’” **25** UMosi wasukuma waya kuDathani lo-Abhiramu, kwathi labadala bako-Israyeli bamlandela. **26** Waqonqosela ibandla wathi, “Buyelani emuva lisuke emathenteni abantu laba ababi! Lingathinti lutho olungolwabo ngoba lingenzenjalo

lizakhuculwa ngenxa yezono zabo.” 27 Ngakho basuka emathenteni kaKhora, uDathani lo-Abhiramu. UDathani lo-Abhiramu basebephume phandle bemi labomkabo, labantwababo kanye labancane emasangweni amathente abo. 28 UMosi wasesithi, “Nansi indlela elizabona ngayo ukuthi uThixo ungithumile ukuzokwenza konke lokhu engikwenzayo kanye lokuthi akusingqondo yami. 29 Nxa amadoda la ezazifela ngendlela abantu abazifela ngayo, kumbe nxa bengethekelelwa emva kokwethekelela kwabantu bonke kuzabe kusitsho ukuthi uThixo kangithumanga. 30 Kodwa nxa uThixo ezakwenza esingakaze sikubone okunye okutsha kwenzakale ukuthi umhlaba uvuleke ubaginye kanye lakho konke okungokwabo, bangene bephila engcwabeni, kulapho elizakwazi khona ukuthi amadoda la ameyisile uThixo.” (Sheol h7585) 31 Kwathi eqeda ukutsho lokhu, umhlaba wavuleka ngaphansi kwabo, 32 wavuleka wabaginya bona, kanye labantwababo lamadoda wonke ayekhokhelwa nguKhora kanye lempahla zawo. 33 Batshona engcwabeni bephila, lakho konke okwakungokwabo; umhlabathi wabambokotha, kwaba yikutshabalala kwabo, basuswa kwabakibo. (Sheol h7585) 34 Besizwa ukukhala kwabo, bonke abako-Israyeli ababelapho babaleka, beklabalala besithi, “Umhlaba uzasiginya lathi!” 35 Kwavela umlilo kuThixo watshaya waqothula amadoda angamakhulu amabili alamatshumi amahlanu ayenikela ngempepha. 36 UThixo wathi kuMosi, 37 “Tshela u-Eliyazari indodana ka-Aroni, umphristi, ukuthi athathe indengezi azikhiphe emlotheni achithele amalahle endaweni

ekhatshana, ngoba indengezi lezi zingcwele, **38** indengezi zamadoda onileyo aze alahlekelwa yimpilo yawo. Khanda lezondengezi ukuze zendlaleke e-alithareni, ngoba zethulwa phambi kukaThixo zaba ngezincwele. Azibe yisibonakaliso kwabako-Israyeli.” **39** Ngakho u-Eliyazari umphristi wabutha indengezi zethusi ezazilethwe yilabo abatshayo, walungisa ukuba zikhandwe zendlalwe e-alithareni, **40** njengokulaywa kukaMosi nguThixo. Lokhu kwakuzakhumbuza abako-Israyeli ukuthi kakho ovunyelwayo ukutshisa impepha phambi kukaThixo ngaphandle kuka-Aroni lesizukulwane sakhe, funa abe njengoKhora labalandeli bakhe. **41** Ngosuku olulandelayo abako-Israyeli bonke bakhonona basola uMosi lo-Aroni. Bathi, “Selibulele abantu bakaThixo.” **42** Kodwa kwathi ibandla selibuthene bephikisa uMosi lo-Aroni njalo sebekhangele ethenteni lokuhlangana, masinyane iyezi lalisibekela kwavela inkazimulo kaThixo. **43** Ngakho uMosi lo-Aroni baya phambi kwethente lokuhlangana, **44** uThixo wasesithi kuMosi, **45** “Suka kulelibandla ukuze ngibatshabalalise.” Ngakho bawa phansi ngobuso. **46** Kusenjalo uMosi wathi ku-Aroni, “Thatha udengezi lwakho uthele impepha kulo, ndawonye lomlilo ovela e-alithareni, uphange uye ebandleni ukuze ubenzele indlela yokubuyisana. Ulaka lukaThixo lubonakele; isifo sesiqalisile.” **47** U-Aroni wenza okwaktshiwo nguMosi, waphanga wangena phakathi kwebandla. Isifo sesivele sesiqalisile ebantwini, kodwa u-Aroni wanikela impepha wabenzela indlela yokubuyisana. **48** Wema phakathi kwabaphilayo lasebefile, isifo saphela. **49** Kodwa

kwasekufe abantu abazinkulungwane ezilitshumi lane lamakhulu ayisikhombisa bebulawa yisifo, phezu kwalabo ababefe ngenxa kaKhora. **50** Ngemva kwalokho u-Aroni wabuyela kuMosi esangweni lethente lokuhlangana, njengoba isifo sasesiphelile.

17 UThixo wathi kuMosi, **2** “Tshela abako-Israyeli ukuthi bakuphe intonga ezilitshumi lambili, kuphume ibenye kumkhokheli munye ngamunye wesizwana sabokhokho bakhe. Bhala ibizo lendoda ngayinye entongeni yayo. **3** Entongeni kaLevi uzabhala ibizo lika-Aroni, ngoba kumele kube lentonga eyodwa emele inhloko inye ngayinye yesizwana sabokhokho bayo. **4** Zifake ethenteni lokuhlangana phambi komtshokotsho wobufakazi, lapho engihlangana lawe khona. **5** Intonga yendoda engizayikhetha izahluma, njalo mina ngizahle ngikuqede lokhu kukhonona okulokhu kuqhubeka kusolwa wena ngabako-Israyeli.” **6** Ngakho uMosi wakhuluma kwabako-Israyeli, abakhokheli babo bamnika intonga ezilitshumi lambili, ngayinye ingeyomkhokheli wesizwana sabokhokho bakhe, kwathi leka-Aroni yayibalelwa kuzo. **7** UMosi wabeka intonga lezo phambi kukaThixo ethenteni lobufakazi. **8** Ngosuku olulandelayo uMosi wangena ethenteni lobufakazi wabona ukuthi intonga ka-Aroni eyayimele indlu kaLevi, yayisihlumile yaqhakaza, isilamaluba njalo isithele izithelo ze-alimondi. **9** Ngakho uMosi wazisusa zonke intonga phambi kukaThixo waziletha phambi kwabo bonke abako-Israyeli. Bazikhangela, ngulowo wathatha eyakhe intonga. **10** UThixo wathi kuMosi, “Buyisela intonga

ka-Aroni phambi komtshokotsho wobufakazi, igcinwe khonapho ibe yisibonakaliso kulabo abahlamukayo. Lokhu kuzaqeda ukukhonona kwabo ngami, ukuze bangafi.”

11 UMosi wenza khona lokho kanye uThixo ayemlaye ngakho. **12** Abako-Israyeli bathi kuMosi, “Sizakufa! Sifile, sonke sesifile! **13** Loba ngubani ozasondela phansi kwethabanikeli likaThixo uzakufa. Sizakufa sonke na?”

18 UThixo wathi ku-Aroni, “Wena, lamadodana akho labemuli kayihlo lizakuba lomlandu wokukhangela ukwepfulwa kwemithetho yendawo yokukhonzela, njalo wena kanye lamadodana akho yini lodwa elizakuba lomlandu walabo abonela abaphristi. **2** Letha abaLevi bakini bevela ezizwaneni zabokhokho benu bazohlanganyela kunye lani bakuphathise wena lamadodana akho lapho lisenza inkonzo phambi kwethente lobufakazi. **3** Bazakuba ngaphansi kwakho njalo benze yonke imisebenzi yasethenti, kodwa akumelanga basondele phansi kwezimpahla zendlu engcwele kumbe e-alithareni, funa lonke, wena kanye labo life. **4** Kumele bahlanganele lawe babelomlandu wokunakekela ithente lokuhlangana, wonke umsebenzi wethenti, njalo akungabibikho loyedwa ozasondela lapho wena okhona. **5** Wena uzakuba lomlandu wokugcina indlu engcwele le-alithari, ukuze abako-Israyeli bangehlelwa lulaka njalo. **6** Mina ngokwami ngibakhethile abafowenu abaLevi phakathi kwabako-Israyeli ukuba babe yisipho kuwe, behlukanisele uThixo ukuba benze umsebenzi ethenti lokuhlangana. **7** Kodwa wena kanye lamadodana akho yini lodwa elivunyelwayo ukwenza umsebenzi

wobuphristi kukho konke okuse-alithareni langaphakathi kwekhetheni. Ngikunika umsebenzi wobuphristi kukho konke okuse-alithareni langaphakathi kwekhetheni. Ngikunika umsebenzi wobuphristi njengesipho. Loba ngubani omunye ozasondela endaweni engcwele kumele abulawe.” **8** UThixo wasesithi ku-Aroni, “Mina ngokwami yimi engikunike umlandu wokukhangela iminikelo eyethulelwa mina, yonke iminikelo engcwele engiyiphiwa ngabako-Israyeli ngiyinika wena lamadodana akho ukuba kube yingxenye yesabelo sakho esimi njalo. **9** Kumele uzuze leyongxenye yomnikelo ongcwelengcwele ongatshiswanga. Kuzozonke izipho abaziletha kimi zingumnikelo ongcwelengcwele, loba ngowamabele loba ngowesono kumbe owecala, leyongxenye yomnikelo ngeyakho lamadodana akho. **10** Idle njengento engcwelengcwele; wonke owesilisa kumele ayidle. Kumele akuphathe njengento engcwele. **11** Lokhu lakho ngokwakho: konke okubekwa eceleni kwalezizipho zonke zomnikelo wokuzunguzwa zako-Israyeli. Lokhu ngikunika wena lamadodana akho lamadodakazi akho ukuba kube yisabelo esimi njalo. Kuzakuthi wonke owendlu yakho ohlambulukileyo ngokomkhuba avunyelwe ukudla. **12** Ngikunika wonke amafutha acengekileyo e-oliva lewayini lonke elitsha elicengekileyo kanye lamabele abawanika uThixo kuyizithelo zakuqala zesivuno sabo. **13** Zonke izithelo zakuqala zomlimela abaziletha kuThixo ngezakho. Kuzakuthi wonke owendlu yakho ohlambulukileyo ngokomkhuba avunyelwe ukudla. **14** Yonke into yako-Israyeli emiselwe uThixo ngeyakho. **15**

Amazibulo wonke azelweyo, kuhlangukisa awabantu kanye lawezinyamazana, anikelwe kuThixo ngawakho. Kodwa uzahlenga wonke amadodana angamazibulo kanye lawo wonke amazibulo amaduna ezinyamazana ezingcolileyo. **16** Kuzakuthi zingafikisa inyanga eyodwa zizelwe uzihlengi ngentengo yokuhlenga ayisilinganiso samashekeli amahlanu esiliva, kusiya ngesilinganiso seshekeli lendlu engcwele, eyisisindo esingamagera angamatshumi amabili. **17** Kodwa ungahlengi amazibulo enkomo, loba awemvu loba awembuzi; ngoba angcwele. Chela igazi lawo e-alithareni ubusutshisa amahwahwa awo kube ngumhlatshele wokudla, iphunga elimnandi elithokozisa uThixo. **18** Inyama yawo izakuba ngeyakho njengoba isifuba somnikelo wokuzunguzwa kanye lomlenze kungokwakho. **19** Loba kuyini okubekwe eceleni eminkelweni engcwele eyethulwe ngabako-Israyeli kuThixo ngikunika wena kanye lamadodana njalo lamadodakazi akho ukuba kube yisabelo senu senjayelo. Lesi yisivumelwano setswayi esingapheliyo phambi kukaThixo, esakho kanye lenzalo yakho.” **20** UThixo wathi ku-Aroni, “Wena kawuyikuba lelifa elizweni labo, njalo awuyikuba lesabelo phakathi kwabo; mina ngiyisabelo sakho kanye lelifa lakho phakathi kwabako-Israyeli. **21** AbaLevi ngibanika konke okwetshumi kwelako-Israyeli kube yilifa labo ngenxa yomsebenzi abawenza ethenteni lokuhlangana. **22** Kusukela khathesi abako-Israyeli akumelanga basondele ethenteni lokuhlangana, funa babelomlandu wesono sabo bafe. **23** NgabaLevi okufanele benze umsebenzi ethenteni lokuhlangana

njalo baphathe umsebenzi wokukhangela abonayo ethenteni. Lesi yisimiso esingapheliyo lakuzizukulwane ezizayo. Kabayikuzuza ilifa phakathi kwabako-Israyeli. **24** Kodwa-ke abaLevi ngibanika okwetshumi okwethulwa ngabako-Israyeli njengomnikelo kuThixo kube yilifa labo. Kokuqondene labo yikho ngathi: ‘Kabayikuba lelifa phakathi kwabako-Israyeli.’” **25** UThixo wathi kuMosi, **26** “Tshela abaLevi utsho lokhu kubo: ‘Lapho lisamukela okwetshumi engilinika khona kuvela kwabako-Israyeli njengelifa lenu, kumele likhuphe ingxenye yetshumi kokwetshumi kube ngumnikelo kuThixo. **27** Umnikelo wenu uzabalelwa kini njengamabele avela esizeni loba umhluzi ovela esihluzweni sewayini. **28** Ngale indlela lani lizakwethula eyenu iminikelo kuThixo kukho konke okwetshumi elizakwamukela kuvela kwabako-Israyeli. Kulokho okwetshumi kumele liphe okuyisabelo sikaThixo ku-Aroni umphristi. **29** Kumele lethule njengesabelo sikaThixo okuhle ukwedlula konke njalo kungokungcwelengcwele kwakho konke elikuphiweyo.’ **30** Tshela abaLevi uthi: ‘Nxa lisethula okuhle kakhulu, kuzaphathwa kini njengesithelo esivela esizeni loba esihluzweni sewayini. **31** Lina kanye labezindlu zenu lingadla konke okunye ngaphi langaphi, ngoba kuyinkokhelo yenu yomsebenzi ethenteni lokuhlangana. **32** Ngokwethula okuhle kulakho konke aliyikuba lecala kulokho; ngakho kaliyikungcolisa iminikelo engcwele yako-Israyeli, njalo kaliyikufa.”

19 UThixo wathi kuMosi lo-Aroni: **2** “Lokhu yikho okukhangelelwe ngomthetho njengokulaya kukaThixo:

Tshela abako-Israyeli bakuphe ithokazi elibomvu elipheleleyo njalo lingelasici kanti njalo kumele kube ngelingakaze lifakwe ejogeni. **3** Liqhubeleni u-Eliyazari umphristi; kumele likhitshelwe ngaphandle kwesihonqo njalo lihlatshelwe khona. **4** Ngakho u-Eliyazari umphristi uzathatha elinye igazi lalo ngomunwe alichele kasikhombisa eqondise phambi kwethente lokuhlangana. **5** Ithokazi lizatshiswa ekhangele, isikhumba salo, inyama, igazi lomswane. **6** Umphristi uzathatha ezinye inkuni zesihlahla somsedari, ihisophi kanye lewulu ebomvu akuphosele phezu kwethokazi elitshayo. **7** Ngemva kwalokho umphristi kumele agezise izigqoko zakhe abesegeza yena ngamanzi. Ngemva kwalokhu usengangena-ke ezihonqweni, kodwa uzakuba ngongcolileyo kuze kube kusihlwa. **8** Indoda ezatshisa ithokazi kumele layo igezise izigqoko zayo njalo layo igeze ngamanzi, izakuba ngengcolileyo kuze kube kusihlwa. **9** Indoda ehlabulukileyo izabutha umlotha wethokazi iwufake endaweni ehlabulukileyo ngokomlayo ngaphandle kwesihonqo. Umlotha lo uzagcinwa ngabantu bako-Israyeli ukuze bawusebenzise emanzini okuhlambulula; ungowokuhlansa izono. **10** Indoda ebutha umlotha wethokazi kumele layo igezise izigqoko zayo, kanti njalo layo izabe ingengcolileyo kuze kube kusihlwa. Lo ngumlayo omi njalo kwabako-Israyeli labezizwe abahlala phakathi kwabo. **11** Lowo ozathintwa yisidumbu sofileyo uzabe engongcolileyo okwensuku eziyisikhombisa. **12** Kumele azihlambulule ngamanzi ngosuku lwesithathu

langosuku lwesikhombisa; kodwa nxa engazihlambululi ngosuku lwesithathu langolwesikhombisa uzabe engahlambulukanga. **13** Lowo othinta isidumbu sofileyo abesehluleka ukuzihlambulula ungcolisa ithabanikeli likaThixo. Lowomuntu kumele axotshwe kwabako-Israyeli. Ngenxa yokuthi kachelwanga ngamanzi okuhlambulula, ungongcolileyo; uzahlala engcolile. **14** Lo ngumthetho osebenza nxa umuntu efele ethenteni: Loba ngubani ongena ethenteni njalo loba ngubani ophakathi kwalo uzakuba ngongcolileyo okwensuku eziyisikhombisa, **15** njalo siphilasi siphilasi isitsha esingasibekelwanga sizabe singcolile. **16** Loba ngubani ofice isidumbu somuntu obulewe ngenkamba egangeni loba esomuntu ozifeleyo asithinte, kumbe loba ngubani othinta ithambo lomuntu ofileyo loba ingcwaba, uzakuba ngongcolileyo okwensuku eziyisikhombisa. **17** Umuntu ongcolileyo, mfakele embizeni umlotha womnikelo otshisiweyo wokuhlambulula ube usuthela amanzi ahlambulukileyo phezu kwawo. **18** Kuzakuthi-ke indoda ehlambulukileyo ngokomlayo ithathe ihisophi, iligxamuze emanzini ibe isichela ithente kanye lezitsha zonke labantu abakade belapho. Kumele ichele wonke umuntu oke wathinta ithambo lofileyo loba ingcwaba loba umuntu obuleweyo loba umuntu ozifeleyo. **19** Indoda ehlambulukileyo izachela lowo ongcolileyo ngosuku lwesithathu langosuku lwesikhombisa, kuthi-ke ngosuku lwesikhombisa ibisimhlambulula. Umuntu ohlanjululwayo kumele agezise izigqoko zakhe abesegeza umzimba wakhe ngamanzi, Ngalokhokuhlwa uzabe

esehlambululukile. **20** Kodwa umuntu ongcolileyo nxa engazihlambululanga, kumele axotshwe ebantwini, ngoba uzabe eletha ihlazo endlini engcwele kaThixo. Njengoba engachelwanga ngamanzi angcwele, kutsho ukuthi ungcolile. **21** Lesi yisimiso esimi njalo kubo. Indoda echela ngamanzi okuhlambulula layo kumele igezise izigqoko zayo, kanti njalo laye wonke ozathinta amanzi okuhlambulula uzakuba ngongcolileyo kuze kube kusihlwa. **22** Konke okuthintwe ngumuntu ongcolileyo kuzakuba ngokungcolileyo, kuthi loba ngubani okuthintayo abe ngongcolileyo kuze kuhlwe.”

20 Ngenyanga yakuqala abantu bonke bako-Israyeli bafika enkangala yaseZini, basebehlala eKhadeshi. UMiryemu wafela lapho njalo wangcwatshelwa khona. **2** Abantu baswela amanzi, ngakho babambana ekuphikiseni uMosi lo-Aroni. **3** Baxabana loMosi kanye lo-Aroni bathi, “Ngabe lathi sahle sazifela mhla abafowethu besifa phambi kukaThixo! **4** Labaethelani abantu bakaThixo kule inkangala na? Ukuze thina kanye lezifuyo zethu sizifela lapha na? **5** Lasikhuphelani eGibhithe lisiletha endaweni le embi kangaka na? Ayilamabele kumbe imikhiwa, amavini loba amaphomegranathi. Njalo akulamanzi okunatha!” **6** UMosi lo-Aroni basuka embuthanweni wabantu baya esangweni lethente lokuhlangana bawa phansi ngobuso, inkazimulo kaThixo yasibonakala kubo. **7** UThixo wathi kuMosi, **8** “Thatha intonga kuthi wena lomfowenu u-Aroni libizele abantu ndawonye. Khulumani elitsheni phambi kwabo ngakho lona lizakhupha amanzi alo. Lizathatha amanzi aphuma

edwaleni liphe abantu ukuze banathe bona kanye lezifuyo zabo.” **9** Ngakho uMosi wathatha intonga phambi kukaThixo, njengokulaywa kwakhe nguThixo. **10** UMosi lo-Aroni basebebizela abantu ndawonye phambi kwedwala, uMosi wasesithi kubo, “Lalelani, lina bahlamuki. Silikhuphele amanzi kulelidwala na?” **11** Ngakho uMosi waphakamisa ingalo yakhe watshaya idwala kabili ngentonga yakhe. Amanzi antshantshaza ephuma edwaleni, Kwathi abantu kanye lezifuyo zabo banatha. **12** Kodwa uThixo wathi kuMosi lo-Aroni, “Ngenxa yokuthi kalingethembanga okokungipha udumo njengongcwele phambi kwabako-Israyeli, kaliyikukhokhelela lababantu ekungeneni elizweni engibapha lona.” **13** La ngamanzi aseMeribha, lapho abako-Israyeli abaphikisana khona loThixo njalo kulapho uThixo abonakalisa ubungcwele bakhe phakathi kwabo. **14** UMosi wathumela izithunywa enkosini yase-Edomi zisuka eKhadeshi, esithi: “Nanku okutshiwo ngumfowenu u-Israyeli: Uyabazi bonke ubunzima obusehleleyo. **15** Okhokho bethu basuka baya eGibhithe, sahlala khona okweminyaka eminengi. AmaGibhithe asiphatha ngochuku kanye labobaba, **16** kodwa sakhala kuThixo wezwa ukukhala kwethu wasithumela ingilosi yasikhipha eGibhithe. Khathesi silapha eKhadeshi idolobho elisemngceleni welizwe lakho. **17** Ake usivumele sidlule elizweni lakho. Kasiyikudabula phakathi lakuwaphi amasimu loba isivini sakho, kumbe ukunatha amanzi loba kuwuphi umthombo. Sizahamba silandela umgwaqo wenkosi njalo kasiyikuphambukela kwesokudla kumbe kwesokunxele size sedlule elizweni

lakho.” **18** Kodwa u-Edomi waphendula wathi: “Ngeke lidlule lapha, lingake lilinge, sizaphuma silihhlasele ngenkemba.” **19** Abako-Israyeli baphendula bathi: “Sizahamba ngomgwaqo omkhulu, njalo thina loba izifuyo zethu singanatha amanzi enu, sizawabhadala. Sifuna ukuzedlulela ngenyawo kuphela nje.” **20** Abase-Edomi baphendula njalo bathi: “Lingadluli lapha.” Ngakho u-Edomi waphuma kanye lebuthe elikhulu elilamandla ukuyahlasela abako-Israyeli. **21** Njengoba u-Edomi wala ukuthi badabule elizweni labo, abako-Israyeli baphenduka bahamba ngenye indlela. **22** Isizwe sonke sako-Israyeli sasuka eKhadshi sahamba saze sayafika entabeni yaseHori. **23** Sebesentabeni yaseHori, eduze lomngcele wase-Edomi, uThixo wathi kuMosi lo-Aroni, **24** “U-Aroni usezakufa angcwatshwe. Akayikungena elizweni engilinka abako-Israyeli, ngoba lina lobabili langihlamukela emanzini aseMeribha. **25** Biza u-Aroni kanye lendodana yakhe u-Eliyazari ukhwele labo entabeni yaseHori. **26** Uhlubule u-Aroni izembatho zakhe uzigqokise indodana yakhe u-Eliyazari, ngoba u-Aroni uzalandela abakibo; uzafela khona.” **27** UMosi wenza njengokulaywa kwakhe kuThixo: Bakhwela entabeni yaseHori isizwe sonke sibakhangele. **28** UMosi wamhlubula u-Aroni izembatho zakhe wazigqokisa indodana yakhe u-Eliyazari. Ngakho u-Aroni wafela khonapho phezu kwentaba. Ngemva kwalokhu uMosi lo-Eliyazari behla entabeni, **29** Kwathi abantu bonke sebezile ukuthi u-Aroni wayesefile, yonke indlu ka-Israyeli yamlilela okwensuku ezingamatshumi amathathu.

21 Kwathi inkosi yase-Aradi engumKhenani eyayihlala eNegebi isizwa ukuthi abako-Israyeli babesiza behamba ngomgwaqo beqonde e-Atharimi, yabahlasela abako-Israyeli yaze yathumba abanye babo. **2** Ngakho u-Israyeli wenza lesisifungo kuThixo wathi: “Nxa unganikela lababantu ezandleni zethu, sizachithiza amadolobho abo nya.” **3** UThixo walalela ukuncenga kwabako-Israyeli wasenikela amaKhenani kubo. Abako-Israyeli bawaqothula amaKhenani bachithiza kanye lamadolobho awo; ngakho indawo leyo yabizwa ngokuthi yiHoma. **4** Bahamba besuka entabeni yaseHori ngendlela eqonda oLwandle oluBomvu, ukuze baceze ilizwe lase-Edomi. Kodwa besendleleni abantu basebenengekile sebephelelwe yikubekezela; **5** bakhuluma kubi besola uNkulunkulu kanye loMosi, bathi, “Lasikhuphelani na eGibhithe ukuze sizefela enkangala? Akulasinkwa! Akulamanzi! Futhi lalokhu ukudla kwenu okubi siyakuzonda.” **6** Ngakho uThixo wasebathumela izinyoka ezazilobuhlungu obesabekayo kakhulu, zabaluma abantu bako-Israyeli abanengi bafa. **7** Abantu baya kuMosi bathi, “Sonile ngokukhuluma kwethu kubi ngoThixo langokukhuluma kwethu ngawe. Akukhuleke ukuthi uThixo asuse izinyoka lezi phakathi kwethu.” Ngakho wabakhulekela abantu. **8** UThixo wathi kuMosi, “Yenza inyoka yethusi uyiphanyeke esigodweni; loba ngubani olunyiweyo angakhangela kuyo uzaphila.” **9** Ngakho uMosi wenza inyoka yethusi wayiphanyeka esigodweni. Kwakusithi lowo olunywe yinyoka angakhangela inyoka yethusi aphile. **10** Abako-Israyeli basuka

kakho umuntu owayebatshazwa kakhulu ngobuhle bakhe njengo-Abhisalomu. Kusukela ekhanda lakhe kusiya ephangweni lonyawo lwakhe kwakungekho sici kuye. **26** Kwakusithi lapho egele inwele zekhanda lakhe wayejwayele ukuzigela inwele zakhe kanye ngomnyaka nxa zasezimsinda kakhulu, wayezilinganisa esikalini, isisindo sazo sasingamakhulu amabili amashekeli ngesilinganiso sesikhosini. **27** U-Abhisalomu wazala amadodana amathathu lendodakazi eyodwa. Ibizo lendodakazi lalinguThamari, owayengumfazi omuhle. **28** U-Abhisalomu wahlala iminyaka emibili eJerusalema engabuboni ubuso benkosi. **29** Yikho u-Abhisalomu wabiza uJowabi wamthuma enkosini, kodwa uJowabi wala ukuya kuye. Wathumela okwesibili, kodwa wala ukuza. **30** Wasesithi ezincekwini zakhe, “Khangelani, insimu kaJowabi iphansi kweyami, njalo kulebhali kiyo. Hambani liyeyithungela ngomlilo.” Ngakho izinceku zika-Abhisalomu zayithungela insimu ngomlilo. **31** Lapho-ke uJowabi waya endlini ka-Abhisalomu wathi kuye, “Kungani izinceku zakho zithungele insimu yami ngomlilo?” **32** U-Abhisalomu wathi kuJowabi, “Khangela, ngithumele ilizwi kuwe ngathi, ‘Woza lapha ukuze ngikuthume enkosini ukuyabuza ukuthi, ‘Pho ngisukeleni eGeshuri? Kade kuzakuba ngcono kimi aluba ngilokhu ngikhonale!’” Khathesi nje, mina ngifuna ukubona ubuso benkosi, nxa ngilecala laloba yini kangibulale.” **33** Ngakho uJowabi waya enkosini wayitshela lokhu. Inkosi yambiza u-Abhisalomu, wafika wangena wasesithi mbo

phansi ngobuso phambi kwenkosi. Inkosi yamanga u-Abhisalomu.

15 Ngokuqhubeka kwesikhathi u-Abhisalomu wazidingela inqola yempi lamabhiza kanye labantu abangamatshumi amahlanu ukuba ngabagijima phambi kwakhe. **2** Wayevuka ekuseni kakhulu ame eceleni komgwaqo oya esangweni ledolobho. Kwakusithi loba ngubani ofikayo ukuyamangala icala enkosini ukuba liqunywe, u-Abhisalomu wayembiza athi, “Wena uvela kuliphi idolobho?” Wayephendula athi, “Inceku yakho ivela kwesinye sezizwana zako-Israyeli.” **3** Lapho-ke u-Abhisalomu wayesithi kuye, “Khangela, okufunayo kuqondile njalo kufanele, kodwa akulammeli wenkosi ukuba akuzwe.” **4** U-Abhisalomu wayeqhubeka athi, “Sekuze kungathi ngabe ngabekwa ukuba ngumahluleli elizweni! Loba ngubani olensolo kumbe icala wayezakuza kimi ngibone ukuthi wahlulelwa kuhle.” **5** Njalo kwakusithi umuntu angafika kuye akhothamele phansi phambi kwakhe, u-Abhisalomu wayeselula isandla sakhe ambambe amange. **6** U-Abhisalomu waziphatha ngale indlela kubo bonke abako-Israyeli abaya enkosini ukuyacela ukwahlulelwa kuhle, ngalokho wakhanga inhliziyo zabantu abanengi ko-Israyeli. **7** Ekupheleni kweminyaka emine, u-Abhisalomu wathi enkosini, “Ngisake ngiye eHebhroni ukuyagcwalisa isifungo engasenzayo kuThixo. **8** Inceku yakho isahlala eGeshuri e-Aramu, yenza isifungo lesi: ‘Nxa uThixo engangibuyisela eJerusalema ngizamkhonza uThixo eHebhroni.’” **9** Inkosi yathi kuye, “Hamba ngokuthula.” Ngakho waya

eHebhroni. **10** Emva kwalokho u-Abhisalomu wathuma izithunywa ezifihlakeleyo kuzozonke izizwana zakw-Israyeli ukuba zithi, “Lingezwa nje ukukhala kwecilongo, tshonini lithi, ‘U-Abhisalomu uyinkosi eHebhroni!’”

11 Abantu abangamakhulu amabili baseJerusalema babehambe lo-Abhisalomu. Babenxuswe njengezethekeli njalo behambe bekhululekile, bengazi lutho ngendaba leyo. **12** U-Abhisalomu esanikela imihlatshelo, wabiza u-Ahithofeli umGiloni, umeluleki kaDavida, ukuba eze evela eGilo, umuzi wakibo. Ngalokho icebo lomvukela laqina, labalandeli baka-Abhisalomu baqhubeka besanda. **13** Kwafika isithunywa kuDavida sathi, “Inhliziyo zabantu bako-Israyeli ziku-Abhisalomu.” **14** UDavida wasesithi kuzozonke izikhulu zakhe ezazilaye eJerusalema, “Wozani! Kumele sibaleke, hlezi kungabi lamunye wethu ozaphepha ku-Abhisalomu. Kumele sisuke masinyane hlezi asixhume alethe incithakalo kithi njalo ahlasele idolobho ngenkamba.” **15** Izikhulu zenkosi zaphendula zathi, “Izinceku zakho zilungele ukwenza loba yini umhlekezazi wethu inkosi akukhethayo.” **16** Inkosi yaphuma labendlu yayo bonke beyilandela; kodwa yatshiya abafazi beceleni abalitshumi ukuba bagcine isigodlo. **17** Ngakho inkosi yasuka, labantu bonke beyilandela, basebesima endaweni elibanga elithize. **18** Bonke abantu bayo bayedlula, ndawonye lawo wonke amaKherethi lamaPhelethi, kanye lawo wonke amaGithi angamakhulu ayisithupha ayehambe layo kusukela eGathi ahamba phambi kwenkosi. **19** Inkosi yasisithi ku-Ithayi umGithi, “Kungani uhamba lathi na? Buyela

emuva uyehlala lenkosi u-Abhisalomu. Wena ungumuntu wezizweni, owaxotshwayo elizweni lakini. **20** Ufike izolo nje. Kambe sekungathi lamhla lokhu ngikwenze uzulazule lathi, mina ngingakwazi lalapho engingaya khona? Buyela emuva uthathe abantu bakini. Sengathi uThixo angakwenzela umusa lokuhle.” **21** Kodwa u-Ithayi wayiphendula inkosi wathi, “Ngeqiniso elinjengoba uThixo ekhona, njalo njengoba umhlelezi wami inkosi, ephila, loba kungaphi lapho umhlelezi wami inkosi ezakuba ikhona, loba kusitsho ukuphila kumbe ukufa, inceku yakho izakuba khonapho.” **22** UDavida wasesithi ku-Ithayi, “Qhubeka, hamba.” Ngakho u-Ithayi umGithi wahamba labantu bakhe bonke kanye lezimuli ezazilaye. **23** Ilizwe lonke lakhala kakhulu lapho abantu bonke besedlula. Inkosi yachapha isiHotsha saseKhidironi, abantu bonke bahamba beqonde enkangala. **24** UZadokhi laye wayekhona, labaLevi bonke ababelaye babethwele ibhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu, njalo u-Abhiyathari wanikela imihlatshelo abantu bonke baze baphela ukusuka edolobheni. **25** Inkosi yasisithi kuZadokhi, “Buyisela ibhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu edolobheni. Ngingathola umusa emehlweni kaThixo, uzangibuyisela emuva enze ukuba ngilibone futhi kanye lendawo yakhe yokuhlala. **26** Kodwa angathi, ‘Kangithokozi ngawe,’ lapho-ke ngizilungisele; kenze kimi loba kuyini okukhanya kulungile kuye.” **27** Inkosi yabuya yathi kuZadokhi umphristi, “Uyazwisisa na? Buyela emuva edolobheni ngokuthula, lendodana yakho u-Ahimazi loJonathani indodana ka-Abhiyathari.

Wena lo-Abhiyathari hambani lamadodana enu. **28** Mina ngizakuma emazibukweni enkangala kuze kufike ilizwi elivela kini lingazisa.” **29** Ngakho uZadokhi lo-Abhiyathari balibuyisela eJerusalema ibhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu lahlala khona. **30** Kodwa uDavida waqhubeka ekhwela iNtaba yama-Oliva, ehamba ekhala; ikhanda lakhe lalimboziwe njalo ebhadula ngezinyawo. Bonke abantu ababelaye labo bamboza amakhanda abo njalo bakhwela bekhala. **31** UDavida wayetshelwe ukuthi, “U-Ahithofeli uphakathi kwabahlamuki lo-Abhisalomu.” Ngakho uDavida wakhuleka wathi, “Oh, Thixo phendula ukululeka kuka-Ahithofeli kube yibuthutha.” **32** Kwathi uDavida esefikile engqongeni, lapho abantu ababejayele ukukhonzela khona uNkulunkulu, uHushayi um’Arikhi wayekhona ukuba amhlangabeze, isembatho sakhe sidabukile njalo elothuli ekhanda. **33** UDavida wathi kuye, “Ungahamba lami, uzakuba ngumthwalo onzima kimi. **34** Kodwa nxa ubuyela edolobheni uyekuthi ku-Abhisalomu, ‘Ngizakuba yinceku yakho, awu nkosi, ngangiyinceku kayihlo kudala, kodwa khathesi ngizakuba yinceku yakho,’ lapho-ke ungangisiza ngokufubisa izeluleko zika-Ahithofeli. **35** Abaphristi uZadokhi lo-Abhiyathari kabayikuba khonale lawe na? Batshele konke okuzwayo esigodlweni senkosi. **36** Amadodana abo amabili, u-Ahimazi indodana kaZadokhi loJonathani indodana ka-Abhiyathari, akhonale kanye labo. Bathumele kimi ngakho konke okuzwayo.” **37** Ngakho umngane kaDavida uHushayi wafika eJerusalema khonapho u-Abhisalomu laye engena edolobheni.

16 Kwathi uDavida eshambe ibanga elifitshane ngale kwenqongo, wabona uZibha, isikhonzi sikaMefibhoshethi, elindele ukumhlangabeza, elodwendwe lwabobabhemi ababotshelwe izihlalo bethwele izinkwa ezingamakhulu amabili, ikhulu lamakhekhe ezithelo ezonyisiweyo, ikhulu lamakhekhe omkhiwa kanye lomgodla wewayini.

2 Inkosi yabuza uZibha yathi, “Ukuletheleni lokhu na?” UZibha waphendula wathi, “Obabhemi ngabendlu yenkosi ukuba bagade, izinkwa lezithelo ngokwabantu ukuba badle, iwayini ngelokuqaqabula labo abaphela amandla enkangala.”

3 Inkosi yasibuza yathi, “Indodana yendodana yenkosi yakho ingaphi na?” UZibha wathi kuyo, “Ihlezi eJerusalema, ngoba icabanga ithi, ‘Lamhla indlu ka-Israyeli izangibuyisela umbuso kababamkhulu.’”

4 Inkosi yasisithi kuZibha, “Konke okwakungokuka Mefibhoshethi khathesi sekungokwakho.” UZibha wathi, “Ngikhothama ngokuzithoba. Sengathi ngingathola umusa emehlweni akho mhlekazi wami, nkosi.”

5 Kwathi Inkosi uDavida efika eBhahurimi, umuntu wosendo lunye labendlu kaSawuli, waphuma evela lapho. Ibizo lakhe lalinguShimeyi indodana kaGera, njalo waphuma esethuka.

6 Wajikijela uDavida lezikhulu zonke zenkosi ngamatshe, lanxa amabutho wonke labalindi abakhethiweyo babengakwesokudla lakwesokhohlo kukaDavida.

7 Ekuthukeni kwakhe uShimeyi wathi, “Phuma, phuma, wena wegazi, wena sixhwali!”

8 UThixo usephindisele kuwe ngenxa yegazi lonke owalichithayo kwabendlu kaSawuli, wena osubusa esikhundleni sakhe. UThixo umbuso usewunike indodana

yakho u-Abhisalomu. Wena usudilikile ngoba ungumuntu wegazi!” **9** Lapho-ke u-Abhishayi indodana kaZeruya wathi enkosini, “Kunganiinja efileyo le ithuka inkosi yami? Ngivumelani ngiyequma ikhanda layo.” **10** Kodwa inkosi yathi, “Kuyini okulihlanganisa lami, lina madodana kaZeruya? Nxa ethuka ngenxa yokuthi uThixo uthe kuye, ‘Mthuke uDavida,’ ngubani ongabuza ukuthi, ‘Lokhu ukwenzelani na?’” **11** UDavida wasesithi ku-Abhishayi lakuzo zonke izikhulu zakhe, “Indodana yami, eyinyama yami, izama ukungibulala. Pho umBhenjamini lo-ke! Myekeleni enjalo; yekeleni athuke, ngoba uThixo umtshela ukuba enze njalo. **12** Engxenye uThixo uzalubona usizi lwami angibuyisele okuhle ngenxa yokuthukwa engikwenziwayo lamhla.” **13** Ngakho uDavida labantu bonke waqhubeka elandela umgwaqo uShimeyi yena ehamba eyame intaba maqondana laye, ehamba elokhu ethuka njalo emjikijela ngamatshe emthela langengcekeza. **14** Inkosi labantu bayo bafika lapho ababesiya khona sebediniwe. Kulapho abaphumula khona. **15** Ngalesosikhathi, u-Abhisalomu labantu bonke bako-Israyeli bafika eJerusalema, lo-Ahithofeli wayelaye. **16** Lapho-ke uHushayi um’Arikhi, umngane kaDavida, waya ku-Abhisalomu wathi kuye, “Impilo ende nkosi! Impilo ende nkosi!” **17** U-Abhisalomu wabuza uHushayi wathi, “Lolu yilo uthando olutshengisa umngane wakho na? Kungani unгахambanga lomngane wakho na?” **18** UHushayi wathi ku-Abhisalomu, “Hayi, lowo okhethwe nguThixo, langabantu laba, labantu bonke bako-Israyeli ngizakuba ngowakhe, njalo ngizahlala laye. **19** Phezu

kwalokho, ngubani engingamkhonza na? Akumelanga ngikhonze indodana na? Njengoba ngakhonza uyihlo, kanjalo ngizakukhonza.” **20** U-Abhisalomu wasesithi ku-Ahithofeli, “Ake useluleke. Kuyini esingakwenza na?” **21** U-Ahithofeli waphendula wathi, “Lala labafazi bakayihlo abaseceleni abatshiya belinde isigodlo. Lapho-ke u-Israyeli wonke uzakuzwa ukuthi wena usuzenze waba liphunga elibi emakhaleni kayihlo, njalo izandla zabantu bonke abalawe zizaqiniswa.” **22** Ngakho u-Abhisalomu bamisela ithente phezu kophahla lwendlu, walala labafazi bakayise beceleni u-Israyeli wonke ekhangele. **23** Ngalezonsuku iseluleko sika-Ahithofeli, sasifana lesalowo obuze uNkulunkulu. Lokho kwaba yiyo indlela uDavida lo-Abhisalomu abakhangela ngayo zonke izeluleko zika-Ahithofeli.

17 U-Ahithofeli wathi ku-Abhisalomu, “Kahle ngikhethe abantu abazinkulungwane ezilitshumi lambili ngiphume lamhla ebusuku ngilandela uDavida. **2** Ngingamhlasela esadiniwe engelamandla. Ngingamtshayisa ngovalo, bonke abantu abalaye bazabaleka. Ngingabulala inkosi kuphela **3** abantu bonke ngibabuyisele kuwe. Ukufa komuntu omdingayo kuzakutsho ukuphenduka kwabo bonke; bonke abantu kabayikwenziwa lutho.” **4** Icebo leli lakhanya lilihle ku-Abhisalomu lakubo bonke abadala bako-Israyeli. **5** Kodwa u-Abhisalomu wathi, “Bizani loHushayi um’Arikhi, ukuze sizwe angakutsho.” **6** UHushayi esezile kuye, u-Abhisalomu wathi, “U-Ahithofeli usesinike iseluleko lesi. Sikwenze yini lokhu akutshoyo? Nxa kungenjalo, sinike owakho umcabango.”

7 UHushayi waphendula u-Abhisalomu wathi, “Iseluleko osiphiwe ngu-Ahithofeli kasilunganga ngalesi isikhathi. 8 Uyamazi uyihlo labantu bakhe, bangamaqhawe, njalo bathukuthela okwebhele leganga lithathelwe imidlwane yalo. Langaphandle kwalokho, uyihlo liqhawe eliyaziyo impi, kabuchithi ubusuku elamabutho. 9 Lakhathesi nje, ucatshile ebhalwini loba enye indawo. Nxa yena engahlasela amabutho akho kuqala, loba ngubani ozakuzwa ngakho uzakuthi, ‘Kube lokuqothulwa phakathi kwamabutho alandela u-Abhisalomu.’ 10 Lapho-ke lebuthe elilesibindi kulawo wonke, elinhliziyo yalo ifana lenhliziyo yesilwane, lizahedezela ngokwesaba ngoba u-Israyeli wonke uyakwazi ukuthi uyihlo liqhawe kanye lokuthi labo abalaye balesibindi. 11 Ngakho ngiyakucebisa: Akuthi abako-Israyeli bonke, kusukela koDani kusiya eBherishebha, ngobunengi obunjengetshebetshebe ekhunjini lolwandle, babuthane kuwe, kuthi wena ngokwakho ubakhokhele empini. 12 Lapho-ke sizamhlasela loba kungaphi lapho angaficwa khona, njalo sizakwehlela phezu kwakhe njengamazolo ewela emhlabathini. Loba yena kumbe loba bani wabantu bakhe kakho ozasala ephila. 13 Angabalekela edolobheni u-Israyeli wonke uzakuza lezintambo edolobheni, silihudulele phansi esigodini kuze kungabe kusatholakala lesihletshana salo.” 14 U-Abhisalomu labantu bonke bako-Israyeli bathi, “Iseluleko sikaHushayi um’Arikhi singcono kulesika-Ahithofeli.” Ngoba uThixo wayeqonde ukufubisa iseluleko esilungileyo sika-Ahithofeli ukuze alethele u-Abhisalomu incithakalo. 15 UHushayi watshela uZadokhi

lo-Abhiyathari, abaphristi, wathi, “U-Ahithofeli usecebise u-Abhisalomu labadala bako-Israyeli ukuba benze ukuthi lokuthi, kodwa mina sengibacebise ukuthi benze okunje lokunje. **16** Khathesi-ke thumelani lizwi ngokuphangisa litshele uDavida ukuthi, ‘Ngalobubusuku ungalali emazibukweni asenkangala; chaphela ngaphetsheya kungekho kuphutha, hlezi inkosi labantu bonke abalayo baminzwe.” **17** UJonathani lo-Ahimazi babehlala e-Eni Rogeli. Intombazana eyinceku yayizahamba iyebatshele, labo bezahamba bayetshela inkosi uDavida, ngoba babengeke bazifake engozini yokubonakala bengena edolobheni. **18** Kodwa ijaha elithile lababona laselitshele u-Abhisalomu. Ngakho bobabili basuka masinyane baya endlini yomuntu othile eBhahurimi. Wayelomthombo egumeni lakhe, bangena kuwo. **19** Umkakhe wathatha okokwembesa wakwendlala phezu komlomo womthombo wasehaza amabele phezu kwakho. Kakho owayesazi ulutho ngakho. **20** Abantu baka-Abhisalomu sebefike kowesifazane lowo endlini, bambuza bathi, “U-Ahimazi loJonathani bangaphi?” Owesifazane wabaphendula wathi, “Bachaphele ngaphetsheya kwesifudlana.” Abantu labo badinga kodwa kabatholanga muntu, ngakho babuyela eJerusalema. **21** Abantu labo sebehambile, ababili labo baphuma emthonjeni basebesiyatshela inkosi uDavida. Bathi kuyo, “Suka uchaphe umfula masinyane; u-Ahithofeli usecebise ukuthi lokuthi okubi ngawe.” **22** Ngakho uDavida labantu bonke ababelaye basuka bachapha iJodani. Kwathi kusisa, engasekho owayesele engakachaphi iJodani. **23** Kwathi u-Ahithofeli

ebona ukuthi iseluleko sakhe sasingalandelwanga, wabophela isihlalo kubabhemi wakhe wasuka waya endlini yakhe emzini wakibo. Walungisa indlu yakhe, wasezibophela. Ngakho wafa wangcwatshwa ethuneni likayise. **24** UDavida waya eMahanayimi, kwathi u-Abhisalomu wachapha iJodani labantu bonke bako-Israyeli. **25** U-Abhisalomu wayesebeke u-Amasa ukuba ngumlawuli webutho esikhundleni sikaJowabi. U-Amasa wayeyindodana yomuntu owayethiwa nguJetha, um'Israyeli owayethethe u-Abhigeli indodakazi kaNahashi udadewabo kaZeruya unakaJowabi. **26** Abako-Israyeli lo-Abhisalomu bamisa elizweni laseGiliyadi. **27** Kwathi uDavida esefikile eMahanayimi, uShobhi indodana kaNahashi waseRabha yama-Amoni, loMakhiri indodana ka-Amiyeli waseLo-Debhari, loBhazilayi umGiliyadi waseRogelimi **28** bamlethela okokwendlala lemiganu lempahla ezenziwe ngebumba. Bamlethela lamabele kanye lebhali, ifulawa lamabele akhanzingiweyo, indumba lamalentili, **29** uluju lamasi, izimvu, letshizi evela echagweni lwamankomokazi ukuba uDavida labantu bakhe badle. Ngoba bathi, “Abantu sebelambile njalo badiniwe futhi bomile enkangala.”

18 UDavida wabutha bonke abantu ababelaye wababekela abalawuli bezinkulungwane labalawuli bamakhulu. **2** UDavida wahlukanisa amabutho akhe, ingxenye eyodwa kokuthathu ilawulwa nguJowabi, ingxenye eyodwa ingaphansi komfowabo kaJowabi u-Abhishayi indodana kaZeruya, lengxenye eyodwa kokuthathu ingaphansi kuka-Ithayi umGithi. Inkosi

yatshela amabutho yathi, “Mina ngokwami impela ngizaphuma lani.” **3** Kodwa abantu bathi, “Akumelanga uphume; nxa sizancindezeleka ukuba sibaleke, kabayikuzihlupha ngathi. Lanxa kungaze kufe ingxenye yethu, kabayikuzihlupha; kodwa wena ulingana labethu abazinkulungwane ezilitshumi. Kungabangcono khathesi ukuba usisekele usedolobheni.” **4** Inkosi yaphendula yathi, “Ngizakwenza loba kuyini lokho okukhanya kungcono kini.” Ngakho inkosi yema eceleni kwesango abantu sebephuma ngamaviyo amakhulu lawezinkulungwane. **5** Inkosi yalaya uJowabi, lo-Abhishayi kanye lo-Ithayi yathi, “Libe lesisa ejaheni u-Abhisalomu ngenxa yami.” Amabutho wonke ayizwa inkosi ilaya umlawuli ngamunye ngo-Abhisalomu. **6** Ibutho lahamba lisiya egangeni ukuyakulwa lo-Israyeli, njalo ukulwa kwenzakala eguswini lako-Efrayimi. **7** Khonapho ibutho lako-Israyeli lehlulwa ngabantu bakaDavida, njalo ukubulalana kwaba kukhulu ngalelolanga, abantu abazinkulungwane ezingamatshumi amabili. **8** Impi yaqhela yagcwala ilizwe lonke, njalo igusu laqeda abantu abanengi kulenkemba ngalolosuku. **9** Kwenzakala nje ukuthi u-Abhisalomu ahlangane labantu bakaDavida. Wayegade imbongolo yakhe, kwasekusithi imbongolo idlula ngaphansi kwezingatsha ezenileyo zesihlahla esikhulu som’Okhi, ikhanda lika-Abhisalomu labanjwa esihlahleni. Wasala elenga emoyeni, imbongolo ayeyigadile ilokhu ihamba. **10** Kwathi omunye wabantu esebone lokhu, watshela uJowabi wathi, “Ngibone u-Abhisalomu elenga esihlahleni som’Okhi.” **11** UJowabi wasesithi emuntwini owayemtshela

lokhu, “Ini? Umbonile? Pho kungani ungamcakazelanga phansi khonapho na? Kade ngizakupha amashekeli esiliva alitshumi kanye lebhanti lobuqhawe.” **12** Kodwa umuntu lowo waphendula wathi, “Lanxa amashekeli ayinkulungwane engalinganiselwa ezandleni zami, ngingeke ngiphakamise isandla sami ngihlasele indodana yenkosi. Sizizwele inkosi ilaya wena lo-Abhishayi kanye lo-Ithayi yathi, ‘Vikelani ijaha u-Abhisalomu ngenxa yami.’ **13** Aluba ngibeke ukuphila kwami engozini njalo akulanto efihlakeleyo enkosini, ubungayikuba lobuzalwane lami.” **14** UJowabi wathi, “Mina angiyikulindela wena kanje.” Ngakho wathatha imikhonto emithathu wayitikitela enhliziyweni ka-Abhisalomu, u-Abhisalomu elokhu esaphila esesihlahleni som’Okhi. **15** Njalo abathwali bezikhali zikaJowabi bamhanqa u-Abhisalomu, bamshaya bambulala. **16** Emva kwalokho uJowabi wakhalisa icilongo, amabutho aseyekela ukuxotshana lo-Israyeli, ngoba uJowabi wawamisa. **17** Bamthatha u-Abhisalomu bamphosela egodini elikhulu eguswini babuthelela inqwaba enkulu yamatshe phezu kwakhe. Ngalesosikhathi wonke u-Israyeli wabalekela ekhaya lakhe. **18** U-Abhisalomu esaphila wayethethe insika wayimisa eSigodini seNkosi njengesikhumbuzo sakhe, ngoba wacabanga wathi, “Angilandodana yokuqhuba ukukhunjulwa kwebizo lami.” Insika wayibiza ngaye, njalo ithiwa Isikhumbuzo sika-Abhisalomu kuze kube lamhla. **19** Ngalesosikhathi u-Ahimazi indodana kaZadokhi wathi, “Kuhle ngigijime ngihambise umbiko enkosini ukuthi uThixo useyihlengile esandleni sezitha zayo.” **20**

UJowabi wathi kuye, “Kawusuwe omele ahambise imibiko lamhla. Ungayihambisa imibiko ngesinye isikhathi, kodwa akumelanga wenzenjalo lamhla, ngoba indodana yenkosi ifile.” **21** UJowabi wasesithi kumKhushi, “Hamba uyetshela inkosi lokho okubonileyo.” UmKhushi wakhothama phambi kukaJowabi wasesuka egijima. **22** U-Ahimazi indodana kaZadokhi waphinda wathi kuJowabi, “Loba kunjani, ake ungivumele ngigijime ngilandele umKhushi.” Kodwa uJowabi waphendula wathi, “Ndodana yami, kungani ufuna ukuhamba? Kawulambiko ozakulethela umvuzo.” **23** Yena wathi, “Loba kunjani, mina ngifuna ukugijima.” Ngakho uJowabi wathi, “Gijima!” U-Ahimazi wagijima ngendlela yasemagcekeni, wamdlula umKhushi. **24** Kwathi uDavida ehlezi phakathi kwesango langaphakathi lelangaphandle, umlindi wakhwela waya phezulu ephahleni lwesango, phansi komduli. Kwathi lapho ekhangela, wabona umuntu egijima eyedwa. **25** Umlindi wamemeza inkosi wayibikela lokho. Inkosi yathi, “Nxa eyedwa, uzakuba lezindaba ezinhle.” Umuntu waqhubeka elokhu esondela eduze. **26** Umlindi wabona omunye umuntu egijima, wasebiza umlindi wesango ngaphansi, wathi, “Khangela, omunye umuntu ugijima eyedwa!” Inkosi yathi, “Laye uzakuba ngoletha izindaba ezinhle.” **27** Umlindi wasesithi, “Ngibona angathi owakuqala ugijima njengo-Ahimazi indodana kaZadokhi.” Inkosi yathi, “Ungumuntu olungileyo. Uza lezindaba ezinhle.” **28** Lapho-ke u-Ahimazi wamemeza enkosini wasesithi, “Konke kulungile.” Wakhothama phambi kwenkosi wathi mbo phansi ngobuso, wathi,

“Kadunyiswe uThixo uNkulunkulu wakho. Usebanikele abantu abaphakamisa izandla zabo ukuhlasela inkosi yami.” **29** Inkosi yasibuza isithi, “Ijaha u-Abhisalomu usindile na?” U-Ahimazi waphendula wathi, “Ngibone ukuphithizela okukhulu uJowabi esezathuma inceku yenkosi lami, inceku yakho, kodwa kangazi ukuthi kade kuyini.” **30** Inkosi yasisithi, “Buyela eceleni ume khona.” Ngakho wabuyela eceleni wama khona. **31** Lapho-ke umKhushi wafika wathi, “Mhlekezi wami, nkosi, zwana izindaba ezinhle! UThixo lamhla usekukhulule kubo bonke abakuhlamukelayo.” **32** Inkosi yambuza yathi, “Ijaha u-Abhisalomu usindile na?” UmKhushi waphendula wathi, “Sengathi izitha zomhlekezi inkosi yami labo bonke abayihlamukelayo ukuba bayilimaze bangaba njengejaha leliyana.” **33** Inkosi yadabuka kakhulu. Yakhwela yaya ekamelweni elingaphezu kwesango yakhala. Yahamba ikhala isithi, “Oh, ndodana yami Abhisalomu! Ndodana yami, ndodana yami Abhisalomu! Aluba kufe mina esikhundleni sakho, Oh Abhisalomu, ndodana yami, ndodana yami!”

19 UJowabi watshelwa kwathiwa, “Inkosi iyakhala ililela u-Abhisalomu.” **2** Njalo kulolonke ibutho ukunqoba kwamhlalokho kwaguqulelwa ekulileni, ngoba ngalolosuku amabutho ezwa kuthiwa, “Inkosi ilusizi ngendodana yayo.” **3** Ngalolosuku abantu bangena benyena edolobheni njengabantu abalenhloni bengena benyena lapho bebaleka empini. **4** Inkosi yamboza ubuso bayo yakhala kakhulu isithi, “Oh ndodana yami Abhisalomu! Oh Abhisalomu, ndodana yami, ndodana

yami!” 5 UJowabi wayangena endlini enkosini wathi, “Lamhla ubayangisile bonke abantu bakho, abasanda kusindisa impilo yakho lempilo yamadodana akho lamadodakazi lempilo yabomkakho kanye labafazi bakho beceleni. 6 Uthanda abakuzondayo uzonde abakuthandayo. Ukwenze kwabasobala lamhla ukuthi abalawuli bebutho labantu babo kabasilutho kuwe. Ngiyabona ukuthi ubuzathokoza aluba u-Abhisalomu ubephila lamhla thina sonke sifile. 7 Khathesi-ke phuma uyequnga abantu bakho isibindi. Ngiyafunga ngoThixo ukuthi nxa ungaphumi akulamuntu ozabe esele lawe kufika ukuhlwa. Lokhu kuzakuba kubi kakhulu kuwe kulayo yonke incithakalo eseyake yakwehlela kusukela ebutsheni bakho kuze kube khathesi.” 8 Ngakho inkosi yasukuma yahamba lesihlalo sayo esangweni. Abantu sebezwe kuthiwa, “Inkosi ihlezi esangweni,” bonke baya phambi kwayo. Ngalesosikhathi abako-Israyeli basebebalekele emizini yabo. 9 Kuzozonke izizwana zako-Israyeli, abantu bonke babephikisana besithi, “Inkosi isisindisile esandleni sezitha zethu; yiyo eyasihlengayo esandleni samaFilistiya. Kodwa khathesi isibalekile elizweni ngenxa ka-Abhisalomu; 10 njalo u-Abhisalomu, esamgcobayo ukuba asibuse, ufile empini. Ngakho kungani lingatsho lutho ngokubuyisa inkosi na?” 11 Inkosi uDavida wathumela ilizwi kuZadokhi lo-Abhiyathari, abaphristi esithi, “Buzani abadala bakoJuda ukuthi, ‘Kungani lisiba ngabokucina ekubuyiseleni inkosi esigodlweni sayo njengoba okukhulunywayo kulolonke elako-Israyeli sekufikile enkosini lapho ehlala khona

na? **12** Lingabafowethu, inyama yami legazi lami. Ngakho kungani lisiba ngabokucina ukubuyisa inkosi?

13 Njalo lithi ku-Amasa, ‘Wena kawusinyama yami legazi lami na? Sengathi uNkulunkulu angangijezisa, kube kanzima kakhulu, nxa ungasuye mlawuli webutho lami esikhundleni sikaJowabi, kusukela khathesi.’” **14** Wazuza ukusekelwa ngabantu bonke bakoJuda kwangathi babengumuntu munye. Bathumela ilizwi enkosini besithi, “Buya, wena kanye labantu bakho bonke.”

15 Ngakho inkosi yabuyela yahamba yaze yayafika eJodani. Ngalesosikhathi abantu bakoJuda basebefikile eGiligali ukuze baphume bayehlangabeza inkosi bayilethe ngaphetsheya kweJodani. **16** UShimeyi indodana kaGera, umBhenjamini waseBhahurimi, wehla ngokuphangisa labantu bakoJuda ukuyahlangabeza inkosi uDavida. **17** Wayelabantu bakoBhenjamini abayinkulungwane, kanye loZibha, isikhonzi sabendlu kaSawuli, lamadodana akhe alitshumi lanhlanu kanye lezincku ezingamatshumi amabili. Baphangisa ukuya eJodani lapho inkosi eyayikhona. **18** Bachapha ezibukweni ukuze bahambise abendlu yenkosi ngaphetsheya lokwenza loba kuyini ekufunayo. UShimeyi indodana kaGera esechaphe iJodani, waziwela phansi wathi bhazalala phambi kwenkosi **19** wathi kuyo, “Inkosi kayingangenzi olecala. Ungakhumbuli okubi okwenziwa yinceku yakho mhlekazi wami ngosuku inkosi eyasuka ngalo eJerusalema. Sengathi inkosi ingakwesula engqondweni yayo. **20** Ngoba mina ncku yakho ngiyakwazi ukuthi ngenza isono, kodwa lamhla ngize lapha njengowakuqala kuyo yonke indlu kaJosefa

ukuzahlangabeza umhlelezi wami, inkosi.” 21 Lapho-ke u-Abhishayi indodana kaZeruya wathi, “UShimeyi akumelanga abulawe ngenxa yalokhu na? Wathuka ogcotshiweyo kaThixo.” 22 UDavida waphendula wathi, “Kuyini lina lami esihlanganyela kukho, lina madodana kaZeruya? Ngalelilanga lina selibe yizitha zami! Kufanele kube lomuntu obulawayo ko-Israyeli lamhla na? Kangazi yini ukuthi lamhla ngiyinkosi yako-Israyeli?” 23 Ngakho inkosi yathi kuShimeyi, “Kawuyikufa.” Njalo inkosi yamthembisa ngokufunga. 24 UMefibhoshethi, indodana yendodana kaSawuli, laye wehla ukuyahlangabeza inkosi. Wayengazigezanga inyawo zakhe kumbe agele indevu zakhe loba agezise izigqoko zakhe kusukela ngelanga inkosi eyasuka ngalo kwaze kwaba lilanga eyabuya ngalo isindile. 25 Esefikile evela eJerusalema ukuzahlangabeza inkosi, inkosi yambuza yathi, “Kungani unghambanga lami, Mefibhoshethi?” 26 Yena wathi, “Mhlelezi wami, nkosi, njengoba mina nceku yakho ngiqhula, ngathi, ‘Ngizabophela isihlalo kubabhemi wami ngigade phezu kwaso, ukuze ngihambe lenkosi yami.’ Kodwa uZibha inceku yami wangikhohlisa. 27 Njalo usehlinikeze inceku yakho kuwe mhlelezi nkosi yami. Mhlelezi wami, inkosi injengengilosi kaNkulunkulu; ngakho yenza lokho okukuthokozisayo. 28 Bonke abenzalo kababamkhulu kabafanelanga lutho kodwa ukubulawa ngumhlelezi wami inkosi, kodwa inceku yakho uyiphe indawo phakathi kwalabo abadla etafuleni lakho. Ngakho ngilelungelo bani lokukhalaza njalo enkosini?” 29 Inkosi yathi kuye, “Usakhulumelani okunye? Ngiyalilaya wena loZibha

ukuba lahlukanelane amasimu.” **30** UMefibhoshethi wathi enkosini, “Kathathe konke, njengoba khathesi umhlekezi wami usefikile ekhaya kungekho ngozi.”

31 UBhazilayi umGiliyadi laye wehla evela eRogelimi ukuyachapha iJodani elenkosi lokuyayivalelisela khona.

32 UBhazilayi wayesengumuntu omdala, eseleminyaka engamatshumi ayisificaminwembili. Wayenike inkosi ukudla ekuhlaleni kwayo eMahanayimi, ngoba wayengumuntu onothe kakhulu. **33** Inkosi yathi kuBhazilayi, “Chaphela ngaphetsheya lami uyehlala lami eJerusalema ngizakupha okuswelayo.” **34** Kodwa uBhazilayi wayiphendula inkosi wathi, “Mingaki eminye iminyaka engisezayiphila, ukuba ngiye eJerusalema lenkosi na? **35** Khathesi ngileminyaka engamatshumi ayisificaminwembili ubudala. Ngingabe ngisawutsho yini umahluko phakathi kokuhle lokungekuhle na? Inceku yakho ingabe isakunambitha ekudlayo lekunathayo na? Ngingabe ngisawezwa amazwi abahlabeleli besilisa labesifazane na? Kungani inceku yakho kumele ibe ngomunye umthwalo njalo kumhlekezi wami, inkosi na? **36** Inceku yakho izachaphela ngaphetsheya kweJodani lenkosi ummangwana omfitshane, pho kungani inkosi kumele ingiphe umvuzo ongaka na? **37** Yekela inceku yakho ibuyele, ukuze ngiyefela emzini wakithi eduze lengcwaba likababa lomama. Kodwa nansi inceku yakho uKhimihami. Kachaphele ngaphetsheya lomhlekezi inkosi yami. Menzele lokho okukuthokozisayo.” **38** Inkosi yasisithi, “UKhimihami uzachaphela ngaphetsheya lami, njalo ngizamenzela okukuthokozisayo. Njalo loba

yini oyifuna kimi ngizakwenzela yona.” 39 Ngakho abantu bonke bachapha iJodani, inkosi yasichaphela ngaphetsheya. Inkosi yamanga uBhazilayi yambusisa, uBhazilayi wasebuyela emzini wakhe. 40 Kwathi inkosi ichaphela eGiligali, uKhimihami wachapha layo. Wonke amabutho akoJuda lengxenye yamabutho ako-Israyeli ayeyichaphisile inkosi. 41 Masinyane bonke abantu bako-Israyeli baya enkosini bathi kuyo, “Kungani abafowethu, abantu bakoJuda, bentshontshe inkosi yethu bayisa ngaphetsheya kweJodani yona labendlu yayo kanye labantu bonke na?” 42 Bonke abantu bakoJuda baphendula abantu bako-Israyeli bathi, “Lokhu sikwenzile ngoba inkosi ilobuhlobo obuseduze kakhulu lathi. Kulicaphula ngani lokho? Sike sadla olunye ulutho lwenkosi na? Sike sazithathela enye into na?” 43 Abantu bako-Israyeli basebephendula abantu bakoJuda besithi, “Thina silezabelo ezilitshumi enkosini, njalo ngaphandle kwalokho thina silelungelo elikhulu kulelenu ngoDavida. Pho kungani lisidelela? Kasibanga ngabokuqala na ukukhuluma ngokubuyisa inkosi yethu?” Kodwa abantu bakoJuda baphendula ngamazwi alukhuni kakhulu kulawabantu bako-Israyeli.

20 Ngalesosikhathi kwenzakala ukuthi umxabanisi owayethiwa nguShebha indodana kaBhikhiri umBhenjamini abekhona. Wakhalisa icilongo waklabalala esithi, “Kasilasabelo kuDavida, kasilangxenye endodaneni kaJese! Umuntu wonke ethenteni lakhe, Oh Israyeli!”

2 Ngakho bonke abantu bako-Israyeli bahlubuka kuDavida balandela uShebha indodana kaBhikhiri.

Kodwa abantu bakoJuda babambelela enkosini yabo umango wonke kusukela eJodani kusiya eJerusalema. **3** UDavida esebuyele esigodlweni sakhe eJerusalema, wathatha abafazi bakhe beceleni abalitshumi ayebatshiye begcine isigodlo wababeka endlini elindwayo. Wabanika ababekuswela, kodwa kembathanga labo. Babehlala bevalelwe kuze kube lusuku lokufa kwabo, baphila njengabafelokazi. **4** Inkosi yasisithi ku-Amasa, “Biza abantu bakoJuda beze kimi phakathi kwensuku ezintathu, lawe ube lapha wena ngokwakho.” **5** Kodwa u-Amasa eseyebiza uJuda, wathatha isikhathi eside kulaleso inkosi eyayimisele sona. **6** UDavida wasesithi ku-Abhishayi, “Khathezi uShebha indodana kaBhikhiri uzasenzela umonakalo odlula owenziwa ngu-Abhisalomu. Thatha abantu benkosi yakho umlandele, hlezi athole amadolobho avikelweyo aphunyuke kithi.” **7** Ngakho abantu bakaJowabi lamaKherethi lamaPhelethi kanye lamaqhawe wonke alamandla baphuma belawulwa ngu-Abhishayi. Bahamba besuka eJerusalema belandela uShebha indodana kaBhikhiri. **8** Kwathi besesedwaleni elikhulu eGibhiyoni, u-Amasa wayabahlangabeza. UJowabi wayegqoke ibhatshi lakhe lempi, phezu kwalo, ekhalweni lwakhe, kubophe ibhanti lilomhedla esikhwameni sawo. Esahamba esiya phambili, umhedla wawela ngaphandle kwesikhwama sawo. **9** UJowabi wasesithi ku-Amasa, “Unjani, mfowethu?” UJowabi wasebamba u-Amasa ngendevu ngesandla sakhe sokudla wasemanga. **10** U-Amasa kawunanzelelanga umhedla owawuphethwe nguJowabi, uJowabi wasemgwaza

esiswini sakhe, amathumbu akhe ahutshukela phandle emhlabathini. Lanxa engasagwazwanga futhi, u-Amasa wafa. Emva kwalokho uJowabi lomfowabo u-Abhishayi baxotshana loShebha indodana kaBhikhiri. **11** Omunye wabantu bakaJowabi wema phansi kuka-Amasa wathi, “Lowo othanda uJowabi, lalowo ongokaDavida, kalandele uJowabi!” **12** U-Amasa walala ezibhixeka egazini lakhe phakathi komgwaqo, umuntu lowo wabona ukuthi amabutho wonke afika ame khonapho. Kwathi esenanzelele ukuthi umuntu wonke owafika ku-Amasa wema, wamhudula emsusa emgwaqweni wamusa egangeni, waphosela isembatho phezu kwakhe. **13** Emva kokuba u-Amasa esesusiwe emgwaqweni, abantu bonke bedlula loJowabi ukuyaxotshana loShebha indodana kaBhikhiri. **14** UShebha wadabula phakathi kwazo zonke izizwana zako-Israyeli kusiya e-Abheli-Bhethi-Mahakha laphakathi kwesabelo sonke samaBikiri, aqoqanayo amlandela. **15** Wonke amabutho ayeloJowabi afika amvimbezela uShebha e-Abheli-Bhethi-Mahakha. Bakha idundulu lokuvimbezela elalifika edolobheni njalo laleyame izinqaba zangaphandle. Besagqula umduli ukuba bawudilize, **16** owesifazane ohlakaniphileyo wamemeza esedolobheni wathi, “Lalelani! Lalelani! Tshelani uJowabi eze lapha ukuze ngikhulume laye.” **17** Wahamba esiya kuye, wasembuza esithi, “Ungujowabi na?” Yena waphendula wathi, “Nginguye.” Wasesithi, “Lalela okuzatshiwo yincekukazi yakho.” Wathi, “Ngilalele.” **18** Owesifazane waqhubeka wathi, “Kudala babejwayele ukuthi, ‘Funani impendulo e-Abheli-Bhethi-Mahakha,’

lokho kwakuyiqeda indaba. **19** Thina singabathuleyo labathembekileyo ko-Israyeli. Wena uzama ukudiliza idolobho elingunina ko-Israyeli. Kungani ufuna ukuginya ilifa likaThixo na?” **20** UJowabi waphendula wathi, “Akusikho lokho! Akusikho lokho ukuginya loba ukudiliza! **21** Akunjalo. Umuntu othiwa nguShebha indodana kaBhikhiri, owaselizweni lezintaba lako-Efrayimi, uphakamisele inkosi isandla sakhe emelana layo, emelana loDavida. Mletheni umuntu lowo, ngisuke edolobheni.” Owesifazane wathi kuJowabi “Ikhanda lakhe lizaphoswa kuwe lisuka emdulini.” **22** Emva kwalokho owesifazane lowo waya ebantwini bonke leseluleko sakhe esikhaliphileyo, baquma ikhanda likaShebha indodana kaBhikhiri baliphosela kuJowabi. Ngakho wakhalisa icilongo, abantu bakhe bachitheka besuka edolobheni, lowo lalowo ebuyela emzini wakhe. UJowabi wabuyela enkosini eJerusalema. **23** UJowabi wayephethe lonke ibutho lako-Israyeli; uBhenaya indodana kaJehoyada ephethe amaKherethi lamaPhelethi; **24** u-Adoniramu wayephethe izibhalwa; uJehoshafathi indodana ka-Ahiludi wayengumbhali; **25** uSheva engumabhalane; uZadokhi lo-Abhiyathari bengabaphristi; **26** u-Ira umJayiri engumphristi kaDavida.

21 Ekubuseni kukaDavida kwaba lendlala iminyaka emithathu ilandelana; ngakho uDavida wabuza uThixo. UThixo wathi, “Kungenxa kaSawuli lendlu yakhe enindwe ngegazi; kungenxa yokuthi yena wabulala amaGibhiyoni.” **2** Inkosi yabiza amaGibhiyoni yakhuluma lawo. (AbaseGibhiyoni babengasiyo ngxenye ka-

Israyeli kodwa babengabasalayo bama-Amori, abako-Israyeli babefunge ukubayekela, kodwa uSawuli ngenxa yokutshisekela kwakhe u-Israyeli loJuda wafuna ukubaqeda du.) **3** UDavida wabuza amaGibhiyoni wathi, “Kuyini engingalenzela khona na? Ngingakwenza njani ukubuyisana ukuze libusise ilifa likaThixo na?” **4** AmaGibhiyoni amphendula athi, “Kasilalo ilungelo lokufuna isiliva loba igolide kuSawuli kumbe kwabendlu yakhe, lelungelo lokubulala umuntu ko-Israyeli kasilalo.” UDavida wabuza wathi, “Pho lifuna ukuthi ngilenzeleni?” **5** Bayiphendula inkosi bathi, “Umuntu owasichithayo waceba okubi ngathi saze satshabalala njalo kasaze saba lendawo loba ngaphi ko-Israyeli, **6** kasinikwe abenzalo yakhe besilisa abayisikhombisa ukuba babulawe balengiswe phambi kukaThixo eGibhiya kaSawuli, okhethiweyo kaThixo.” Ngakho inkosi yathi, “Ngizalinika bona.” **7** Kodwa uMefibhoshethi indodana kaJonathani, indodana kaSawuli, inkosi yamtshiya ngenxa yesifungo phambi kukaThixo phakathi kukaDavida loJonathani indodana kaSawuli. **8** Kodwa inkosi yathatha u-Arimoni loMefibhoshethi amadodana amabili endodakazi ka-Ayiya uRizipha, ayemzale loSawuli, kanye lamadodana amahlanu endodakazi kaSawuli uMerabi, ayewazale lo-Adiriyeli indodana kaBhazilayi waseMehola. **9** Yabanikeza kumaGibhiyoni, ababulala abachaya eqaqeni phambi kukaThixo. Bonke beyisikhombisa bafela ndawonye; babulawa ngezinsuku zakuqala zokuvuna, ukuvunwa kwebhali kuqalisa nje. **10** URizipha indodakazi ka-Ayiya wathatha isaka wazendlalela lona edwaleni.

Kusukela ekuqaliseni kokuvuna izulu laze lana livela emazulwini linetha izidumbu, kavumelanga izinyoni zasemoyeni ukuba zizithinte emini loba izinyamazana zeganga ebusuku. **11** Kwathi uDavida esetshelwe ngokwakwenziwe yindodakazi ka-Ayiya uRizipha, umfazi kaSawuli weceleni, **12** wahamba wayathatha amathambo kaSawuli lawendodana yakhe uJonathani ebantwini baseJabheshi Giliyadi. (Babewathathe ensitha enkundleni kazulu eBhethi-Shani, lapho amaFilistiya ayewachaye khona emva kokubulala kwawo uSawuli eGilibhowa.) **13** UDavida wawathatha khonapho amathambo kaSawuli lawendodana yakhe uJonathani, lamathambo alabo ababebulawe babuye bachaywa abuthwa. **14** Amathambo kaSawuli lawendodana yakhe uJonathani bawangcwaba ethuneni likasekaSawuli uKhishi, eZela koBhenjamini, benza konke njengokulaya kwenkosi. Emva kwalokho uNkulunkulu wayiphendula imikhuleko eyenzelwa ilizwe. **15** Kwaphinda kwaba lempi futhi phakathi kwamaFilistiya lo-Israyeli. UDavida wahamba labantu bakhe ukuyakulwa lamaFilistiya, wasedinwa. **16** U-Ishibhi-Bhenobi, omunye wabenzalo kaRafa, isihloko somkhonto wakhe wethusi esasilobunzima obungamashekeli angamakhulu amathathu, njalo ehlome ngenkemba entsha, wathi uzabulala uDavida. **17** Kodwa u-Abhishayi indodana kaZeruya wamhlenga uDavida; wamcakazela phansi umFilistiya lowo wambulala. Abantu bakaDavida bafunga kuye bathi, “Kawuyikuhamba lathi futhi empini, ukuze isibane sika-Israyeli singacitshwa.” **18** Ngokuqhubeka kwesikhathi kwaba lenye impi futhi lamaFilistiya, eGobi.

Ngalesosikhathi uSibhekhayi umHushathi wabulala uSafi, omunye wabosendo kaRafa. **19** Kweyinye impi lamaFilistiya njalo eGobi, u-Elihanani indodana kaJayiri umBhethilehema wabulala umfowabo kaGoliyathi umGithi, owayelomkhonto owawuloluthi olunjengogodo lomaluki. **20** Kanti njalo kwenye impi eyalwelwa eGathi, kwakulendoda enkulu kakhulu ileminwe eyisithupha esandleni ngasinye lamazwane ayisithupha enyaweni ngalunye, sekubalwa konke ndawonye kungamatshumi amabili lane. Laye wayengowosendo lukaRafa. **21** Kwathi echothoza u-Israyeli, uJonathani indodana kaShimeya, umfowabo kaDavida, wambulala. **22** Abane laba babengabosendo lukaRafa eGathi, bonke babulawa nguDavida lamabutho akhe.

22 UDavida wahlabelela uThixo amazwi alelihubo lapho uThixo wamsindisa esandleni sezitha zakhe zonke lasesandleni sikaSawuli. **2** Wathi: “UThixo ulidwala lami, inqaba yami lomsindisi wami; **3** uNkulunkulu wami ulidwala lami, lapho engiphephela khona, isihlangu sami lophondo lokusindiswa kwami. Uyinqaba yami, isiphephelo sami lomsindisi wami uyangisindisa ebantwini abalodlakela. **4** Ngakhuleka kuThixo ofanele ukudunyiswa, njalo ngikhululwe ezitheni zami. **5** Amagagasi okufa angikhulela; lezikhukhula zokubhubhisa zangikhulela. **6** Izibopho zengcwaba zangithandela; imijibila yokufa yangijamela. (Sheol h7585) **7** Ekukhathazekeni kwami ngakhuleka kuThixo; ngakhala kuNkulunkulu wami. Esethempelini lakhe walizwa ilizwi lami; ukukhala kwami kwafika ezindlebeni zakhe. **8**

Umhlaba wagedezela wamazama, izisekelo zamazulu zanyikinyeka; zagedezela ngoba wayethukuthele. **9** Intuthu yalanquka emakhaleni akhe; umlilo ohangulayo waphuma emlonyeni wakhe, amalahle avuthayo alavuka ephuma kuwo. **10** Waqhekeza amazulu wehlela phansi; amayezi amnyama ayengaphansi kwezinyawo zakhe. **11** Wagada amakherubhi waphapha; wantweza phezu kwamaphiko omoya. **12** Wenza umnyama isigubuzelo esimhanqileyo, amayezi ezulu amnyama asemkhathini. **13** Phakathi kokukhazimula kobukhona bakhe, izikhatha zombane zalavuzela khona. **14** UThixo wakhwaza esezulwini; ilizwi loPhezukonke lanqenqetha. **15** Waciba imithshoko wazihlakaza izitha, ngezikhatha zombane waziqothula. **16** Izigodi zolwandle zambulwa lezisekelo zomhlaba zavezwa obala ekukhuzeni kukaThixo, ngomfutho wokuphefumula kwamakhala akhe. **17** Welula isandla sakho usezulwini wangibamba wangihlenga enzikini yamanzi. **18** Wangihlenga esitheni sami esilamandla, ezitheni zami ezazingigabhela ngamandla. **19** Zangijamela mhla ngisebunzimeni, kodwa uThixo waba yinsika yami. **20** Wangikhupha wangibeka endaweni ebanzi; wangihlenga ngoba wayethokoza ngami. **21** UThixo ungenzele okulingene ukulunga kwami; wangivuza ngokufanele ukuhlanzeka kwezandla zami. **22** Ngoba ngizigcinile izindlela zikaThixo; angenzanga okubi ngokufulathela uNkulunkulu wami. **23** Yonke imithetho yakhe iphambi kwami; angizifulathelanga izimiso zakhe. **24** Ngibe ngilokhu ngimsulwa phambi kwakhe njalo ngisixwayile isono. **25** UThixo ungivuza ngokufanele ukulunga kwami;

ngokufanele ukhlanzeka kwami phambi kwakhe. **26**
Kwabathembekileyo lawe uthembekile, kwabamsulwa
lawe umsulwa, **27** kwabahlanzekileyo uziveza uhlanzekile,
kodwa kwabangaqondanga uziveza ukhaliphile. **28**
Uyabasindisa abathobekileyo; kodwa amehlo akho
akhangele abazigqajayo ukuba ubehlisele phansi. **29**
Uyisibane sami, Oh Thixo, uThixo uguqula ubumnyama
bami bube yikukhanya. **30** Ngosizo lwakho ngingaphuma
ngimelane lebuthe lempi, ngoNkulunkulu wami
ngingawukhwela umduli. **31** Izindlela zikaNkulunkulu
uqobo lwakhe ziphelele; ilizwi likaThixo kalilasici.
Ulihawu labo bonke abaphephela kuye. **32** Ngoba ngubani
uNkulunkulu ngaphandle kukaThixo? Njalo ngubani
oliDwala ngaphandle kukaNkulunkulu wethu na? **33**
NguNkulunkulu ongihlomisa amandla enze indlela yami
iphelele. **34** Wenza inyawo zami zibe njengezempala;
ungenza ngime ezingqongweni. **35** Ufundisa izandla
zami ukulwa impi, izingalo zami zingaligobisa idandili
lethusi. **36** Uyanginika isihlangu sakho sokunqoba;
uyazehlisela phansi ukuze ungenze ngibe mkhulu. **37**
Uqhelisa indlela enginyathela kuyo, ukuze inqagala zami
zingapheci. **38** Ngaxotshana lezitha zami ngaziqothula;
kangibuyanga ngingakazibhubhisi zonke. **39** Ngaziqothula
okupheleleyo, njalo zazingeke zisavuka; zawela ngaphansi
kwezinyawo zami. **40** Wangihlomisa ngamandla okulwa
impi; wenza abaxabana lami bakhothama ezinyaweni
zami. **41** Wenza izitha zami zafulathela zabaleka, njalo
ngazibhubhisa izitha zami. **42** Bakhala becela uncedo,
kodwa wayengekho owayengabahlenga kuThixo, kodwa

kaphendulanga. **43** Ngabatshaya bacholeka njengothuli lomhlabathi; ngabagxoba ngabanyathela njengodaka ezindleleni. **44** Ungikhulule ekuhlaselweni yilababantu; ungigcine ngiyinhloko yezizwe. Abantu engangingabazi sebebuswa yimi, **45** abezizweni bayatshotshobala phambi kwami; bathi bengizwa nje ngendaba, bangilalele. **46** Bonke badelile; beza bethuthumela bevela ezinqabeni zabo. **47** UThixo uyaphila! Alidunyiswe iDwala lami! Kaphakanyiswe uNkulunkulu wami, iDwala, uMsindisi wami! **48** UnguNkulunkulu ongiphindiselelayo, obeka izizwe ngaphansi kwami, **49** ongikhululayo ezitheni zami. Wena wangiphakamisela ngaphezu kwezitha zami; wangihlenga ebantwini bodlakela. **50** Ngakho ngizakudumisa, Oh Thixo, phakathi kwezizwe; ngizahlabelela indumiso yebizo lakho. **51** Unika inkosi yakhe ukunqoba okukhulu; ubonakalisa umusa wakhe ongapheliyo kogcotshiweyo wakhe, kuDavida lenzalo yakhe kuze kube phakade.”

23 La ngamazwi okucina kaDavida: “Umbono kaDavida indodana kaJese, umbono womuntu owaphakanyiswa ngoPhezukonke, umuntu owagcotshwa nguNkulunkulu kaJakhobe, umhlabeleli wezingoma ka-Israyeli: **2** Umoya kaThixo wakhuluma ngami, ilizwi lakhe lalisolimini lwami. **3** UNkulunkulu ka-Israyeli wakhuluma, iDwala lika-Israyeli lathi kimi: ‘Lapho umuntu ebusa abantu ngokulunga, lapho ebusa ngokwesaba uNkulunkulu, **4** unjengokukhanya kwekuseni ekuphumeni kwelanga ekuseni okungelamayezi, njengokukhanya emva kokuna kwezulu okumilisa utshani emhlabathini.’ **5** Indlu yami

kayifanelanga kuNkulunkulu na? Kanje kenzanga lami isivumelwano esingapheliyo esalungiswayo saqiniswa izigaba zonke na? Kambe kazukuphumelelisa ukusindiswa kwami angiphe konke engikufisayo na? **6** Kodwa abantu ababi bonke bazaphoselwa eceleni njengameva, angabuthwayo ngesandla. **7** Loba ngubani othinta ameva usebenzisa insimbi loba uluthi lomkhonto; ayatshiswa ngomlilo khonapho akhona.” **8** La ngamabizo amaqhawe kaDavida: UJoshebi-Bhasishebethi umThakemoni wayeyinduna yabaThatu, waphakamisela abantu abangamakhulu ayisificaminwembili umkhonto wakhe, ababulalayo ekuhlaseleni kunye. **9** Yena elandelwa ngu-Eliyazari indodana kaDodo um’Ahohi. Njengomunye wamaqhawe amathathu, wayeloDavida lapho bechothoza amaFilistiya ayebuthanele impi ePhasi Damimi. Lapho-ke abantu bako-Israyeli bahlehlela emuva, **10** kodwa yena wajama wawacakazela phansi amaFilistiya isandla sakhe saze sadinwa sanamathela enkembeni. Ngalelolanga uThixo waletha ukunqoba okukhulu. Amabutho abuyela ku-Eleyazari ukuyahlubula abafuleyo kuphela nje. **11** Phansi kwakhe kwakuloShama indodana ka-Ageye umHarari. Kwathi amaFilistiya eseqoqene endaweni eyayilezindumba ezinengi, amabutho ako-Israyeli awabalekela. **12** Kodwa uShama wajama phakathi kwensimu. Wayivikela wawacakazela phansi amaFilistiya, uThixo waletha ukunqoba okukhulu. **13** Ngesikhathi sokuvuna, abathathu ezinduneni ezingamatshumi amathathu baya kuDavida ebhalwini lwase-Adulami, lapho ibutho lamaFilistiya lalimise eSigodini saseRefayi.

14 Ngalesosikhathi uDavida wayesenqabeni, iviyo lamabutho amaFilistiya laliseBhethilehema. **15** UDavida womela amanzi wasesithi, “Oh, sengathi kungaba lomuntu ongangikhela amanzi okunatha emthonjeni oseduze lesango laseBhethilehema!” **16** Ngakho amaqhawe amathathu adabula phakathi kwamaviyo amaFilistiya, akha amanzi emthonjeni eduze lesango laseBhethilehema ahamba lawo kuDavida. Kodwa wala ukuwanatha, esikhundleni salokho wawathela phambi kukaThixo. **17** Wathi, “Akungenzeki, Oh Thixo, ukuba ngenze lokhu. Akusigazi labantu abahambe befake ukuphila kwabo engozini na?” UDavida kawanathanga. Lezi zaziyizenzo zobuqhawe zalawomabutho womathathu. **18** U-Abhishayi umfowabo kaJowabi indodana kaZeruya wayeyinduna yabaThathu labo. Waphakamisela umkhonto wakhe phezu kwabangamakhulu amathathu, ababulalayo, ngakho waba lodumo njengabaThathu. **19** Kahlonitshwanga kakhulu kulabaThathu na? Waba ngumlawuli wabo, loba engazange abe phakathi kwabo. **20** UBhenaya indodana kaJehoyada wayeliqhawe elilesibindi laseKhabhizeli, elenza izenzo zobuqhawe obukhulu. Wabulala amaqhawe amaMowabi amabili ayezintshantshu ekulweni. Wake wangena emgodini wabulala isilwane mhla kulongqwaqwane. **21** Njalo wabulala umGibhithe owayemkhulu kakhulu. Lanxa umGibhithe lowo wayephethe umkhonto, uBhenaya wamhlasela ngenduku. Wawuhluthuna umkhonto esandleni somGibhithe wabulala ngomkhonto wakhe. **22** Lezi zaziyizenzo zobuqhawe zikaBhenaya indodana

kaJehoyada; laye futhi wayedume njengamaqhawe amathathu. **23** Wayehlonitshwa kakhulu ukwedlula bonke abangamaTshumi Amathathu, kodwa wayengabalwa kanye labaThathu. U Davida wambeka ukuba abe ngumphathi wabalindi bakhe. **24** Phakathi kwabangamatshumi amathathu labo kwakuyilaba: U-Asaheli umfowabo kaJowabi, u-Elihanani indodana kaDodo waseBhethilehema, **25** uShama umHarodi, u-Elika umHarodi, **26** uHelezi umPhalithi, u-Ira indodana ka-Ikheshi waseThekhowa, **27** u-Abhiyezeri wase-Anathothi, uSibhekhayi umHushathi, **28** uZalimoni um'Ahozi, uMaharayi umNethofa, **29** uHeledi indodana kaBhana umNethofa, u-Ithayi indodana kaRibhayi owaseGibhiya koBhenjamini, **30** uBhenaya umPhirathoni, uHidayi wasezindongeni zaseGashi, **31** u-Abhi-Alibhoni um'Aribhathi, u-Azimavethi umBharihumi, **32** u-Eliyaba umShalibhoni, amadodana kaJasheni, uJonathani **33** indodana kaShama umHarari, u-Ahiyamu indodana kaSharari umHarari, **34** u-Elifelethi indodana ka-Ahasibhayi um'Mahakhathi, u-Eliyami indodana ka-Ahithofeli umGiloni, **35** uHeziro umKhameli, uPharayi um'Aribhi, **36** u-Igali indodana kaNathani waseZobha, indodana kaHagiri, **37** uZelexhi um'Amoni, uNaharayi umBherothi, owayethwala izikhali zikaJowabi, indodana kaZeruya, **38** u-Ira um'Ithira, uGarebhi um'Ithiri **39** kanye lo-Uriya umHithi. Bebonke babengamatshumi amathathu lesikhombisa.

24 Ulaka lukaThixo lwabuya lwavutha phezu kuka-Israyeli, wenza uDavida wamelana labo, esithi, “Hambani

liyebala abantu bako-Israyeli labakoJuda.” 2 Ngakho inkosi yathi kuJowabi labalawuli bebutho ababelaye, “Hambani ezizweni zonke zako-Israyeli kusukela koDani kusiya eBherishebha libhale abantu bokulwa, ukuze ngazi ukuthi bangaki.” 3 Kodwa uJowabi waphendula inkosi wathi, “Sengathi uThixo uNkulunkulu wakho angandisa amabutho ngokuphindwe okwedlula ikhulu, njalo sengathi lamehlo kamhlele wami inkosi angakubona lokho. Kodwa-ke umhlelele wami inkosi ifunelani ukwenza into enje?” 4 Kodwa ilizwi lenkosi lamenqabela uJowabi kanye labalawuli bebutho; ngakho basuka phambi kwenkosi ukuba bayebhala abantu bokulwa ko-Israyeli. 5 Sebechaphe iJodani bamisa eduze le-Aroweri, eningizimu komuzi edongeni, basebedabula phakathi kwakoGadi besedlulela eJazeri. 6 Baya eGiliyadi lasesabelweni saseThathimi Hodishi, laphambili eDani Jawani lasezindaweni eziseduze kusiya eSidoni. 7 Emva kwalokho baqonda enqabeni yaseThire lakuyo yonke imizi yamaHivi lamaKhenani. Ekucineni, baya eBherishebha eNegebi yakoJuda. 8 Sebelihambe lonke ilizwe, babuyela eJerusalema emva kwezinyanga eziyisificamunwemunye lezinsuku ezingamatshumi amabili. 9 UJowabi wafika wabikela inkosi inani lamadoda ayengalwa empini: Ko-Israyeli kwakulamadoda azinkulungwane ezingamakhulu amahlanu aqinileyo ayelakho ukuthi angayiphatha inkemba, koJuda. 10 Emva kokubala abantu bokulwa uDavida wakhathazeka enhliziyweni yakhe, wasesithi kuThixo, “Ngonile kakhulu ngalokhu engikwenzileyo. Khathesi-ke, awu Thixo, ngiyakuncenga, susa icala

lenceku yakho. Ngenze ubuwula obukhulu kakhulu.”

babefanele bayilinde; njalo yibo ababelezihluthulelo beyivula ngokusa insuku zonke. **28** Abanye babo babegcina izitsha zenkonzo ezazisetshenziswa ethempelini; babezibala zingena babuye bazibale njalo seziphuma. **29** Abanye njalo babegcine impahla yendlini lakho konke okwakusendlini engcwele, kanye lokugcina ifulawa lewayini, lamafutha, impepha leziyoliso. **30** Kodwa abanye abaphristi babesebenza ukuhlanganisa iziyoliso. **31** UmLevi obizwa ngokuthi nguMathithiya, indodana elizibulo likaShalumi umKhora, wayephiwe umlandu wokubumba isinkwa somnikelo. **32** Abanye abazalwane bamaKhohathi babephethe umsebenzi ngamaSabatha wonke owo kubumba isinkwa esokubekwa etafuleni. **33** Labo ababengabahlabeleli, bezinhloko zezindlu zabaLevi, babehlala ezindlini phakathi kwethempeli bengaphiwanga eminye imisebenzi ngoba babephathekile kowabo emini lebusuku. **34** Bonke laba babezinhloko zezindlu zenzalo kaLevi, izinduna njengokulotshiweyo eluhlwini losendo lwabo, njalo babehlala eJerusalema. **35** uJeyiyeli uyise kaGibhiyoni wayehlala eGibhiyoni. Ibizo lomkakhe lalinguMahakha, **36** njalo indodana yakhe elizibulo kwakungu-Abhidoni eselanywa nguZuri, loKhishi, loBhali, loNeri, loNadabi, **37** loGedori, loAhiyo, loZakhariya kanye loMikhilothi. **38** UMikhilothi wayenguyise kaShimeyamu. Laba labo babehlala eJerusalema eduze lezihlobo zabo. **39** UNeri wayenguyise kaKhishi, uKhishi enguyise kaSawuli, uSawuli enguyise kaJonathani, loMalikhi-Shuwa, lo-Abhinadabi kanye loEshi-Bhali. **40** Indodana kaJonathani kwakunguMeri-

Bhali, yena enguyise kaMikha. **41** Amadodana kaMikha ayeyila: uPhithoni, uMeleki, uThareya kanye lo-Ahazi. **42** U-Ahazi wayenguyise kaJada, uJada enguyise ka-Alemethi, lo-Azimavethi loZimri, yena uZimri enguyise kaMoza. **43** UMoza wayenguyise kaBhineya; uRefaya eyindodana yakhe, lo-Eleyasa indodana yakhe kanye lo-Azeli indodana yakhe. **44** U-Azeli wayelamadodana ayisithupha, amabizo awo eyila: u-Azirikhamu, loBhokheru, lo-Ishumayeli. LoSheyariya, lo-Obhadaya kanye loHanani. Laba babengamadodana ka-Azeli.

10 AmaFilistiya alwa lo-Israyeli; abako-Israyeli babaleka, njalo abanengi bafela eNtabeni yase Gilibhowa. **2** AmaFilistiya axotshana kanzima loSawuli kanye lamadodana akhe, abulala amadodana akhe uJonathani, lo-Abhinadabi kanye loMalikhi-Shuwa. **3** Impi yatshisa macele wonke kuSawuli, njalo kwathi abatshoki bemitshoko sebemxhumile, bamlimaza. **4** USawuli wathi kumthwali wezikhali zakhe, “Hwatsha inkemba yakho ungigwaze, hlezi abantu laba abangasokanga bafike bangigwaze bangenze ihlazo.” Kodwa umphathi wezikhali zakhe wesaba, akaze akwenza lokho, ngakho uSawuli wathatha inkemba yakhe waziwisela phezu kwayo. **5** Kwathi umphathi wezikhali ebona ukuthi uSawuli wayesefile, laye waziwisela phezu kwenkemba yakhe, wafa. **6** Ngakho uSawuli lamadodana akhe amathathu bafa, labo bonke abendlu yakhe bafa ndawonye. **7** Kwathi bonke abako-Israyeli ababesigodini bebona ukuthi ibutho lalibalekile lokuthi uSawuli kanye lamadodana akhe basebefile, batshiya imizi yabo

babaleka. AmaFilistiya afika ahlala kuyo. **8** Ngelanga elalandelayo, amaFilistiya esefikile ukuba akhuthuze abafileyo, afica uSawuli lamadodana akhe befile eNtabeni yase Gilibhowa. **9** Bamkhuthuza baze bamquma ikhanda lakhe balithatha kanye lezikhali zakhe, basebethuma izithunyuwa kulolonke ilizwe lamaFilistiya ukuthi zimemezele lindaba ezithombeni zabo lebantwini bakibo. **10** Abeka izikhali zakhe ethempelini labonkulunkulu babo kwathi ikhanda lakhe balibeka ethempelini likaDagoni. **11** Abantu bonke baseJabheshi Giliyadi sebezwire ngokwakwenziwe ngamaFilistiya kuSawuli, **12** wonke amaqhawe alezibindi ahamba ayathatha isidumbu sikaSawuli lezamadodana akhe aya lazo eJabheshi. Basebengcwaba amathambo abo ngaphansi kwesihlahla esikhulu eJabheshi, bazila insuku eziyisikhombisa. **13** USawuli wafa ngoba wayengathembekanga kuThixo; kaligcinanga ilizwi likaThixo wakhe waze wayadinga ukuqondiswa yizangoma, **14** esikhundleni sokukhuleka kuThixo. Ngakho uThixo wamenza wafa wathatha ubukhosi wabunika uDavida indodana kaJese.

11 Bonke abako-Israyeli baya kuDavida eHebhroni bafika bathi: “Thina siyinyama yakho legazi lakho. **2** Esikhathini esedlulayo, lanxa uSawuli eseseyinkosi, wena nguwe owawukhokhela u-Israyeli emkhankasweni wezimpi. Njalo uThixo uNkulunkulu wakho wathi kuwe, ‘Wena uzakuba ngumelusi wabantu bami u-Israyeli, njalo uzakuba ngumbusi wabo.’” **3** Kwathi abadala bonke bako-Israyeli sebefikile enkosini uDavida eHebhroni, wenza isivumelwano labo eHebhroni

phambi kukaThixo, basebegcoba uDavida ukuba abe yinkosi ko-Israyeli, njengesithembiso sikaThixo asenza ngoSamuyeli. **4** UDavida labo bonke abako-Israyeli baya eJerusalema (kusitsho iJebusi). AmaJebusi ayehlala khona **5** athi kuDavida, “Kawuyikungena lapha.” Kodwa lanxa kunjalo, uDavida wayithumba inqaba yaseZiyoni, uMuzi kaDavida. **6** UDavida wayethe, “Ozakhokhela ekuhlaseleni amaJebusi uzakuba nguMlawuli omkhulu wempi.” UJowabi indodana kaZeruya nguye owaqala ukuya khona, ngakho wazuza ubukhokheli. **7** UDavida wasehlala enqabeni, yikho yathiwa ibizo lokuthi nguMuzi kaDavida. **8** Wakha idolobho inxa zonke kusukela emadundulwini kuze kuyefinyelela emidulini ehonqolozeleyo, ngalesosikhathi uJowabi esakha evuselela umuzi. **9** UDavida waqhubeka njalo esiba lamandla, ngoba uThixo uSomandla wayelaye. **10** Lezi zinduna zamaqhawe kaDavida ezazimsekele ngokuqinileyo embusweni kanye laye wonke u-Israyeli, ukuba abe yinkosi, njengokuthembisa kukaThixo. **11** Lolu yiluhlu lwalawo maqhawe kaDavida: UJashobheyamu, umHakhimoni, wayengumlawuli wezikhulu; waphakamisela amadoda angamakhulu amathathu umkhonto wakhe, ababulalayo ekuhlaseleni kunye. **12** Yena elandelwa ngu-Eliyazari indodana kaDodo um’Ahozi omunye wamaqhawe amathathu. **13** WayeloDavida ePhasi Damimi, ekuhlomeni kwamaFilistiya elungiselela ukudibana empini. Endaweni ethile kwakulensimu yebhali, amabutho abaleka ebalekela amaFilistiya. **14** Kodwa bona bema bajama phakathi kwensimu. Bayivikela bawabulala amaFilistiya,

uThixo wabapha ukunqoba okukhulu. **15** Izinduna ezintathu kwezingamatshumi amathathu zaya edwaleni kuDavida ebhalwini lwase-Adulami, ngalesosikhathi amanye amaFilistiya ayebuthene eSigodini saseRefayi. **16** Ngalesosikhathi uDavida wayesenqabeni, iviyo lamabutho amaFilistiya laliseBhethilehema. **17** UDavida womela amanzi wasesithi, “Oh, sengathi kungaba lomuntu ongangikhela amanzi okunatha emthonjeni oseduze lesango laseBhethilehema!” **18** Ngakho abathathu laba badabula phakathi kweviyo lamaFilistiya bayakukha amanzi eduzane lesango laseBhethilehema bayawanika uDavida. Kodwa wala ukuwanatha, wakhetha ukuwathululela phambi kukaThixo. **19** Wasesithi, “UNkulunkulu kangangivumeli ukukwenza lokhu! Kufanele yini ukuthi nginathe igazi lalababantu abanikele impilo yabo engozini bewaletha?” Ngoba babeka impilo zabo engozini bewaletha, uDavida kawanathanga. Lezi zaziyizenzo zobuqhawe zalawomabutho womathathu. **20** U-Abhishayi umfowabo kaJowabi wayeyinduna yabaThathu labo. Waphakamisela umkhonto wakhe phezu kwabangamakhulu amathathu, ababulalayo, ngakho waba lodumo njengabaThathu. **21** Waba lodumo oluphindwe kabili phezu kwalaba abaThathu waze waba ngumlawuli wabo, loba engazange abe phakathi kwabo. **22** UBhenaya indodana kaJehoyada wayeliqhawe elilesibindi laseKhabhizeli, elenza izenzo zobuqhawe obukhulu. Wabulala amaqhawe amaMowabi amabili ayezintshantshu ekulweni. Wake wangena emgodini wabulala isilwane mhla kulongqwaqwane. **23** Wabulala

umGibhithe owayemude okwezingalo eyisikhombisa njalo eqatha. Lanxa umGibhithe wayephethe umkhonto esandleni kwakungani uphethe umkhonto onjengogodo lomaluki, uBhenayiya waqondana laye ngenduku. Wahluthuna umkhonto esandleni somGibhithe wambulala ngawo umkhonto wakhe. **24** Lezi zaziyizenzo zobuqhawe zikaBhenaya indodana kaJehoyada, laye futhi wayedume njengamaqhawe amathathu. **25** Wayehlonitshwa kakhulu ukwedlula bonke abangamatshumi amathathu, kodwa wayengabalwa kanye labaThathu. UDavid wambeka ukuba abe ngumphathi wabalindi bakhe. **26** Amaqhawe ayelamandla ayeyila: u-Asaheli umfowabo kaJowabi, u-Elihanani indodana kaDodo waseBhethilehema, **27** uShamothi umHarori, uHelezi umPheloni, **28** u-Ira indodana ka-Ikheshi waseThekhowa, u-Abhiyezeri wase-Anathothi, **29** uSibhekhayi umHushathi, u-Ilayi um'Ahoi, **30** uMaharayi umNethofathi, uHeledi indodana kaBhana umNethofa, **31** u-Ithayi indodana kaRibhayi owaseGibhiya koBhenjamini, uBhenaya umPhirathoni, **32** uHurayi wasezindongeni zaseGashi, u-Abhiyeli um'Aribhathi, **33** u-Azimavethi umBhaharumi, u-Eliyaba umShalibhoni, **34** amadodana kaHashemi umGizoni, uJonathani indodana kaShageye umHarari, **35** u-Ahiyamu indodana kaSakhari umHarari, u-Elifali indodana ka-Uri, **36** uHeferi indodana kaMekherathi, u-Ahija umPheloni, **37** uHeziro umKhameli, uNarayi indodana ka-Ezibhayi, **38** uJoweli umfowabo kaNathani, uMibhari indodana kaHagiri, **39** uZelexhi um'Amoni, uNaharayi umBherothi, owayethwala izikhali zikaJowabi indodana kaZeruya, **40** u-Ira um'Ithira,

uGarebhi um'Ithiri, **41** u-Uriya umHithi, uZabhadi indodana ka-Ahilayi, **42** lo-Adina indodana kaShiza owakoRubheni, owayeyinduna yakoRubheni, kanye labangamatshumi amathathu ababelaye, **43** loHanani indodana kaMahakha, loJoshafathi um'Mithini, **44** lo-Uziya um'Ashitherathi, loShama loJeyiyeli amadodana kaHothamu um'Aroweri, **45** loJediyeli indodana kaShimiri, umfowabo uJoha umThizi, **46** lo-Eliyeli um'Mahavi, loJeribhayi loJoshaviya amadodana ka-Elinamu, lo-Ithima waseMowabi, **47** lo-Eliyeli, lo-Obhedi kanye loJasiyeli waseMezobha.

12 La ngamabutho ayeloDavida eZikhilagi, ngesikhathi engavunyelwa ukubonakala kuSawuli indodana kaKhishi (kwakungamaqhawe ayemhlomulele empini; **2** ayehlome ngemitshoko, ezingcitshi ekutshokeni lokutshaya ngezavutha loba ejikijela ngesokudla loba ngesenxele; ayeyizihlobo zikaSawuli engawesizwe sikaBhenjamini): **3** U-Ahiyezeri induna yawo loJowashi amadodana kaShemaha owaseGibhiya; loJeziyeli loPhelethi amadodana ka-Azimavethi; loBherakha, loJehu um'Anathothi, **4** kanye lo-Ishimaya umGibhiyoni, indoda eyayilamandla amakhulu kwabangamatshumi amathathu, engumkhokheli wabangamatshumi amathathu, loJeremiya, loJahaziyeli, loJohanani, loJozabhadi umGederathi, **5** lo-Eluzayi, loJerimothi, loBheliya, loShemariya kanye loShefathiya umHarufi, **6** lo-Elikhana, lo-Ishiya, lo-Azareli, loJowezeri loJashobheyamu amaKhora; **7** kanye loJowela loZebhadiya amadodana kaJerohamu waseGedori. **8** Abanye abakoGadi

babalekela kuDavida enqabeni yakhe enkangala. Babengamabutho alezibindi, belungele ukulwa njalo bekwazi ukuphatha ihawu lomkhonto. Ubuso babo babungobezilwane, njalo belesiqubu njengamagogo ezintabeni. **9** U-Ezeri wayeyinduna, u-Obhadaya engumsekeli womlawuli, u-Eliyabi engowesithathu, **10** uMishimana engowesine, uJeremiya engowesihlanu, **11** u-Athayi engowesithupha, u-Eliyeli engowesikhombisa, **12** uJohanani engowesificaminwembili, u-Elizabhadi engowesificamunwemunye, **13** uJeremiya engumsekeli wetshumi kanye loMakhabhanayi owayengowetshumi lanye. **14** Amadoda akoGadi ayengabalawuli bamabutho, kuthi omncinyane wabo wayengamelana labalikhulu kodwa omkhulu wabo engamelana labayinkulungwane. **15** Yiwo la amadoda achapha uJodani ngenyanga yakuqala umfula ugcwele uphuphuma emakhunjini awo wonke, yiwo njalo abaxotsha bonke ababehlala ezihotsheni, empumalanga kanye lasentshonalanga. **16** Amanye amadoda akoBhenjamini lamanye ayevela koJuda lawo alandela uDavida khonale enqabeni yakhe. **17** UDavida waphuma ukuba ayewahlangabeza wathi kuwo: “Nxa lingilandela ngokuthula, lizongiphathisa njengabangane, ngizimisele ukuhlanganyela kanye lani. Kodwa nxa lidinga ukunginikela ezitheni zami, mina ngimsulwa, uNkulunkulu wabokhokho kakubone lokho, alijezise.” **18** Ngakho uMoya wasesehlela ku-Amasayi, umlawuli wabangamatshumi amaThathu, wathi: “Singabakho thina, wena Davida! Sikanye lawe wena ndodana kaJese! Impumelelo, impumelelo kuwe,

njalo impumelelo kulabo abaphathisana lawe! Ngoba uNkulunkulu wakho uzakusiza.” Ngakho uDavida wabamukela wabenza abakhokheli bamaviyo amabutho ayehlasela. **19** Amanye amadoda akoManase abalekela kuDavida ekuhambeni kwakhe lamaFilistiya esiyahlasela uSawuli. (Yena kanye lamabutho akhe kasazangeancedise amaFilistiya, ngoba ngemva kokubuzisisana, ababusi bawo bathi kaxotshwe. Bathi bona: “Uyingozi kithi, ngoba angasiphendukela abuyele enkosini yakhe uSawuli.”) **20** UDavida wathi esiya eZikhilagi, nanka amadoda abaleka koManase amlandela: ngu-Adina, loJozabhadi, loJediyeli, loMikhayeli, loJozabhadi, lo-Elihu kanye loZilethayi ababengabalawuli benkulungwane koManase. **21** Bancedisa uDavida ekulweni lamaviyo abahlaseli, ngoba bonke babengamabutho alezibindi, njalo basebengabalawuli phakathi kwamabutho akhe. **22** Insuku zonke, ukusa kwamalanga, kwakutheleka abantu bezoncedisa uDavida, waze waba lebuthe elikhulu, njengebuthe likaNkulunkulu. **23** Nanka amanani amadoda ayehlomele impi eza kuDavida eHebhroni ezomncedisa ukuthatha umbuso kaSawuli, njengokutsho kukaThixo: **24** amadoda ayevela koJuda ehlome ngamahawu lemikhonto ayezinkulungwane eziyisithupha lamakhulu ayisificaminwembili ehlomele ukulwa impi; **25** abakaSimiyoni, amabutho ayelungele ukuhlasela babezinkulungwane eziyisikhombisa lekhulu, **26** amadoda akoLevi ayezinkulungwane ezine lamakhulu ayisithupha, **27** kubalwa loJehoyada, umkhokheli wabendlu ka-Aroni babezinkulungwane ezintathu

lamakhulu ayisikhombisa zamadoda **28** kanye loZadokhi, ibutho elaliseselijaha lilesibindi, lilezikhulu zendlu yakwabo ezingamatshumi amabili lambili; **29** amadoda akoBhenjamini, labakibo kaSawuli babezinkulungwane ezintathu, ababesele bethembekile kuSawuli kuze kufike lesisikhathi yibo ababebanengi kulelonani; **30** amadoda ako-Efrayimi, amadoda ayelezibindi, edumile ezizwaneni zawo, ayezinkulungwane ezingamatshumi amabili lamakhulu ayisificaminwembili, **31** amadoda ayevela kungxenye yesizwana sikaManase, ekhethwe ngamabizo awo ukuba azobeka uDavida ukuthi abe yinkosi, ayezinkulungwane ezilitshumi lesificaminwembili; **32** amadoda ayevela ko-Isakhari, ayezwisisa umumo walesosikhathi njalo esazi ukuthi u-Israyeli kumele enzeni. Kwakuzinduna ezingamakhulu amabili kanye lezihlobo zazo ezazingaphansi kwazo; **33** amadoda ayevela koZebhuluni, amabutho ayezingwazi empini, ngezikhali zemihlobo etshiyeneyo, eza ukuzancedisa uDavida ngokuzinikela okungalakuthandabuza, ayezinkulungwane ezingamatshumi amahlanu; **34** amadoda ayevela koNafithali kwakuyizikhulu eziyinkulungwane eyodwa, kanye lamadoda ayephethe amahawu lemikhonto ayezinkulungwane ezingamatshumi amathathu lesikhombisa; **35** amadoda ayevela koDani, ezimisele ukulwa empini, ayezinkulungwane ezingamatshumi amabili lesificaminwembili lamakhulu ayisithupha; **36** amadoda ayevela ko-Asheri, amabutho ayevele ekwejayele ukulwa empini njalo ezimisele ukulwa, ayezinkulungwane ezingamatshumi amane; **37** njalo

ngempumalanga yeJodani, amadoda akoRubheni, koGadi lakungxenye yesizwana sikaManase, ayehlome ngemihlobohlobo yezikhali, ayezinkulungwane ezilikhulu lamatshumi amabili. **38** Bonke laba babengamabutho azinikeleyo ukungena laloba yisiphi isigaba. Ngamabutho aya eHebhroni ezimisele ukufika abeke uDavida esihlalweni sobukhosi abe yinkosi ka-Israyeli. Abanye bonke abako-Israyeli babengqondonye befisa ukwethesa uDavida ubukhosi. **39** Wonke lamadoda athatha insuku ezintathu eloDavida, esidla njalo enatha, njengoba izimuli zawo zaziwalungisele umphako. **40** Konke labomakhelwane babo, ababevela kude khonale ku-Isakhari, loZebhuluni lakuNafithali beza bethwele ukudla ngabobabhemi, amakamela, imbongolo langenkabi. Kwakulefulawa enengi, amakhekhe omkhiwane, amakhekhe erezini, iwayini, amafutha, inkomo lezimvu, ngoba kwakulokujabula ko-Israyeli.

13 UDavida wacebisana lezikhulu zakhe zonke, abalawuli bezinkulungwane labalawuli bamakhulu. **2** Wasesithi kuwo wonke umbuthano wako-Israyeli: “Nxa likubona kulungile njalo nxa kuyintando kaThixo uNkulunkulu wethu, asithumeleni ilizwi eduze lakhatshana kubo bonke abafowethu kuwo wonke amazwe ako-Israyeli, kanye lakubaphristi labaLevi abalabo khonale emadolobheni abo lasemadlelweni abo, sibanxusa ukuthi beze bazohlanganyela kanye lathi. **3** Asibuyiseni ibhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu wethu kithi, ngoba asizange sibuze kulo ngesikhathi sokubusa kukaSawuli.” **4** Bonke ababebuthene bavumelana ukukwenza lokho,

ngoba bonke abantu bakubona kufanele ukukwenza lokho. **5** Ngakho uDavida wahlanganisa ama-Israyeli wonke, kusukela eMfuleni uShihori eGibhithe kusiya eLebho Hamathi, ukuyathatha ibhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu eKhiriyathi-Jeyarimi. **6** UDavida labo bonke abako-Israyeli ababelaye baya eBhala yakoJuda (iKhiriyathi-Jeyarimi) ukuthi baye khonale bayebuya lebhokisi lesivumelwano sikaThixo uNkulunkulu, osesihlalweni sobukhosi ephahlwe ngamaKherubhi, ibhokisi lesivumelwano sikaThixo elibizwa ngaleloBizo. **7** Balisusa ibhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu endlini ka-Abhinadabi ngenqola entsha, eyayiqondiswa ngu-Uza lo-Ahiyo. **8** UDavida labo bonke abako-Israyeli babejabula bezithokozisa ngamandla abo wonke phambi kukaNkulunkulu, ngezingoma betshaya lamachacho, lezingungu, lezigubhu, lamacilongo. **9** Bathi befika esizeni sokubhulela eKhidoni, u-Uza welula isandla sakhe ezama ukuzinzisa ibhokisi lesivumelwano sikaThixo, ngoba inkabi zazikhubekile. **10** Ulaka lukaThixo lwavutha ku-Uza, wamtshaya wafa ngoba wayebeke isandla sakhe phezu kwebhokisi lesivumelwano sikaThixo. Ngakho wahle wafa khonapho phambi kukaThixo. **11** Ngakho uDavida wathukuthela ngoba ulaka lukaThixo lwavutha ku-Uza, njalo kuze kube lalamuhla indawo leyo ibizwa ngokuthi yiPherezi Uza. **12** UDavida wamesaba uNkulunkulu ngalolosuku waze wabuza wathi: “Pho ngingaliletha njani kimi ibhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu?” **13** Kasazange alithathe ibhokisi lesivumelwano ukuze libe kuye eMzini kaDavida. Kodwa-ke walisa eceleni endlini

ka-Obhedi-Edomi umGithi. **14** Ibhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu lahlala kwabendlu ka-Obhedi-Edomi endlini yakhe okwezinyanga ezintathu, yikho uThixo wabusisa indlu yakhe lakho konke okwakungokwakhe.

14 Ngalesosikhathi uHiramu inkosi yaseThire wathumela izithunywa kuDavida, ndawonye lezigodo zomsedari, ababazi bamatshe kanye lababazi ukuthi bayemakhela isigodlo. **2** UDavida wahle wakwazi ukuthi uThixo usembekile ukuba abe yinkosi ka-Israyeli lokuthi umbuso wakhe uphakanyisiwe kakhulu ngenxa yabantu bakhe bako-Israyeli. **3** EJerusalema uDavida wathatha abanye abafazi wazala amanye amadodana lamadodakazi. **4** Nanka amabizo abantwana abazalelwa khona: uShamuwa, uShobabi, uNathani, uSolomoni, **5** u-Ibhari, u-Elishuwa, u-Eliphelethi, **6** uNoga, uNefegi, uJafiya, **7** u-Elishama, uBheyeliyada kanye lo-Elifelethi. **8** AmaFilistiya athi esizwa ukuthi uDavida usegcotshwe ukuba yinkosi yalo lonke elako-Israyeli, aphuma wonke ehlome ephelele esiyamzingela, kodwa uDavida wakuzwa lokho wahle waphuma yena ukuyawahlangabeza. **9** AmaFilistiya ayesefikile njalo ukuyahlasela eSigodini saseRefayi; **10** ngakho uDavida wabuza kuNkulunkulu wathi: “Ngihambe ngiyewahlasela amaFilistiya na? Uzawanikela kimi na?” UThixo wamphendula wathi, “Hamba, ngizawanikela kuwe.” **11** Ngakho uDavida lamabutho akhe aya eBhali Pherazimi lapho awehlula khona. Wathi: “Njengamanzi efohla, uNkulunkulu ufohlele ezitheni zami ngesandla sami.” Ngakho leyondawo yasibizwa ngokuthi yiBhali Pherazimi. **12** AmaFilistiya ayebaleke atshiya onkulunkulu

bawo khonale, uDavida wathi kabatshiswe ngomlilo. **13** AmaFilistiya aphinda njalo ukuhlasela isigodi, **14** ngakho uDavida wabuza kuNkulunkulu njalo, uNkulunkulu wamphendula wathi, “Ungasuki uqonde phambili kodwa bazingeleze ubusubahlasela uvelela ezihlahleni zebhalisamu. **15** Kuzakuthi lapho usizwa izisinde zabahambayo ezihlahleni zebhalisamu, uphume uhlasele, ngoba lokho kuzabe kusitsho ukuthi uNkulunkulu usehambe phambi kwakho ukuyanqoba amabutho amaFilistiya.” **16** Ngakho uDavida wenza njengokulaywa kwakhe nguNkulunkulu, njalo bawacakazela phansi amaFilistiya umango wonke kusukela eGibhiyoni kusiya eGezeri. **17** Yikho udumo lukaDavida lwanda lwafinyelela kuwo wonke amazwe, uThixo wenza izizwe zonke zimesabe.

15 Ngemva kokuba uDavida esakhile ezakhe izindlu eMzini kaDavida, wakha indawo yebhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu, walimisela ithente kuleyondawo. **2** UDavida wasesithi: “Kakho ozathwala ibhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu ngaphandle kwabaLevi ngoba uThixo wabakhethela ukuthwala ibhokisi lesivumelwano sikaThixo lokumkhonza kuze kube nininini.” **3** UDavida wasehlanganisa bonke abako-Israyeli eJerusalema ukuze balethe ibhokisi lesivumelwano sikaThixo endaweni ayeyilungisele lona. **4** Wahlanganisa abosendo luka-Aroni labaLevi ngezindlu zabo: **5** Kwabendlu kaKhohathi, kwakungu-Uriyeli umkhokheli lezihlobo ezilikhulu lamatshumi amabili; **6** kwabendlu kaMerari, kwakungu-Asaya umkhokheli lezihlobo

ezingamakhulu amabili lamatshumi amabili; **7** kwabendlu kaGeshoni, kwakunguJoweli umkhokheli lezihlobo ezilikhulu labantu abangamatshumi amathathu; **8** kwabendlu ka-Elizafani, kwakunguShemaya umkhokheli lezihlobo ezingamakhulu amabili; **9** kwabendlu kaHebhroni, kwakungu-Eliyeli umkhokheli lezihlobo ezingamatshumi ayisificaminwembili; **10** kwabendlu ka-Uziyeli, kwakungu-Aminadabi umkhokheli lezihlobo ezilikhulu labantu abalitshumi lambili. **11** UDavida wasenxusa abaphristi uZadokhi lo-Abhiyathari kanye lo-Uriyeli, lo-Asaya, loJoweli, loShemaya, lo-Eliyeli lo-Abhinadabi abaLevi. **12** Wasesithi kubo, “Lina lizinhloko zezindlu zabaLevi, zihlambululeni lina kanye lezihlobo zenu ukuze liyethatha ibhokisi lesivumelwano sikaThixo, uNkulunkulu ka-Israyeli, lililethe endaweni engiyilungisele lona. **13** UThixo uNkulunkulu wethu wasithukuthelela ngenxa yokuthi lina abaLevi, ayisini elathwala ibhokisi lesivumelwano sikaThixo kuqala. Asizanga sibuze kuThixo ukuthi kwakumele senzeni njengokulaya kwakhe.” **14** Ngakho abaphristi labaLevi bazihlambulula ukuze bathwale ibhokisi lesivumelwano sikaThixo, uNkulunkulu ka-Israyeli. **15** Yikho abaLevi bathwala ibhokisi lesivumelwano sikaThixo ngezibambo zezigodo emahlombe abo, njengokulaya kukaMosi kulandelwa ilizwi likaThixo. **16** UDavida watshela abakhokheli babaLevi ukuthi bakhethe abafowabo ukuthi babe ngabahlabeleli ukuze bahlabelele izingoma ezimnandi, betshaya amachacho lezigubhu lemihubhe. **17** AbaLevi bakhetha uHemani indodana

kaJoweli; kubafowabo, u-Asafi indodana kaBherekhiya;
lakubafowabo amaMerari, u-Ethani indodana kaKhushaya;
18 kanye labafowabo ngokulandelana ngezikhundla:
uZakhariya, loJahaziyeli, loShemiramothi, loJeyiyeli,
lo-Uni, lo-Eliyabi, loBhenaya, loMaseya, loMathithiya,
lo-Elifelehu, loMikhineya, lo-Obhedi-Edomi kanye
loJehiyeli abalindi bamasango. **19** Abahlabeleli uHemani
lo-Asafi kanye lo-Ethani babezatshaya izigubhu
zethusi; **20** loZakhariya, lo-Aziyeli, loShemiramothi,
loJehiyeli, lo-Uni, lo-Eliyabi, loMaseya kanye loBhenaya
babezatshaya imihubhe, ngokuhambelana le-alamothi
21 loMathithiya, lo-Elifelehu, loMikhineya, lo-Obhedi-
Edomi, loJeyiyeli kanye lo-Azaziya babezatshaya
imiqangala, njengokuqondiswa kwabo yishiminithi, **22**
uKhenaniya umkhokheli kubaLevi wayengumhlabelisi;
wayephethe lapha ngoba wayeligabazi. **23** UBherekhiya
lo-Elikhana babengabalindi bamasango ebhokisi
lesivumelwano, **24** loShebhaniya, loJoshafathi loNethaneli,
lo-Amasayi, loZakhariya, loBhenaya kanye lo-Eliyezari
bengabaphristi bokuvuthela icilongo phambi kwebhokisi
lesivumelwano sikaNkulunkulu. U-Obhedi-Edomi
loJehiya labo babengabalindi beminyango yebhokisi
lesivumelwano. **25** Ngakho uDavida labadala bako-
Israyeli labalawuli bamaxuku enkulungwane bahamba
ukuyathatha ibhokisi lesivumelwano sikaThixo endlini
ka-Obhedi-Edomi, bahamba ngokujabula. **26** Ngoba
uNkulunkulu wayebasizile abakoLevi ababethwele
ibhokisi lesivumelwano sikaThixo, benza umhlatshelelo
wenkunzi eziyisikhombisa lenqama eziyisikhombisa.

27 UDavida labo bonke abaLevi ababethwele ibhokisi lesivumelwano sikaThixo labahlabeleli loKhenaniya umkhokheli wabahlabeleli babegqoke izigqoko zelembu lelineni elihle, uDavida wayegqoke lesigqoko semahlombe selineni elihle. 28 Ngakho abako-Israyeli ngobunengi babo baletha ibhokisi lesivumelwano sikaThixo ngomdumo omkhulu, bevuthela impondo zenqama betshaya lamacilongo, lezigubhu lamachacho lemihubhe. 29 Ekungeneni kwebhokisi lesivumelwano sikaThixo eMzini kaDavida, uMikhali indodakazi kaSawuli wayebukele elunguze ngefazitela. Wathi ebona inkosi uDavida izithokozisa igida, wayeyisa ngenhliziyo yakhe.

16 Balithwala ibhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu bayalingenisa ethenteni uDavida ayelilungiselele lona, banikela ngeminikelo yokutshiswa leyobudlelwano phambi kukaNkulunkulu. 2 UDavida eseqedile ukunikela ngeminikelo yokutshiswa langeyobudlelwano, wabusisa abantu ngebizo likaThixo. 3 Wababela bonke abako-Israyeli, abesilisa labesifazane, yilowo lalowo isinkwa, lekhekhe lezithelo kanye lekhekhe lamavini awonyisiweyo. 4 Wakhetha abanye abaLevi ukukhonza phambi kwebhokisi lesivumelwano sikaThixo bedumisa uThixo, bebonga uNkulunkulu ka-Israyeli: 5 Induna kwakungu-Asafi, uZakhariya engumsekeli, kulandela uJeyeli, loShemiramothi, loJehiyeli, loMathithiya, lo-Eliyabi, loBhenaya, lo-Obhedi-Edomi kanye loJeyiyeli. Babezatshaya amachacho lemihubhe, u-Asafi etshaya izigubhu, 6 abaphristi uBhenaya loJahaziyeli bengabokuvuthela amacilongo

phambi kwebhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu. **7** Ngalolosuku uDavida wamisa ukuba u-Asafi labanye bakhe bahlabelele lelihubo bebonga uThixo: **8** Bongani uThixo, memezani ibizo lakhe, lizazise phakathi kwabantu izenzo zakhe. **9** Hlabelelani kuye, hlabelelani indumiso kuye; likhulume ngezenzo zakhe zonke ezimangalisayo. **10** Jabulani ebizweni lakhe elingcwele; kazithokoze inhliziyo zabo abamdingayo uThixo. **11** Dingani uThixo lamandla akhe, limdinge yena njalonjalo. **12** Khumbulani izenzo zakhe ezimangalisayo azenzayo, izimangaliso azenzayo, lezahlulelo azikhulumayo, **13** lina zizukulwane zika-Israyeli inceku yakhe, lina madodana kaJakhobe, abakhethiweyo bakhe. **14** Yena unguThixo uNkulunkulu wethu; izahlulelo zakhe zigcwele wonke umhlaba. **15** Uyakhumbula isivumelwano sakhe nini lanini, ilizwi lomlayo wakhe, okwezizukulwane ezizinkulungwane, **16** isivumelwano asenza lo-Abhrahama, isifungo asenza lo-Isaka, **17** wasiqinisa kuJakhobe saba yisimiso, laku-Israyeli saba yisivumelwano esingapheliyo, **18** wathi “Ngizalinika ilizwe laseKhenani njengesabelo selifa lenu.” **19** Kwathi lisesebalutshwana, bebalutshwana kakhulu, beyizihambi kulo, **20** bezula kuzizwe ngezizwe besuka komunye umbuso besiya komunye. **21** Kavumelanga loba ngubani ukubancindezela; wawakhuza amakhosi ngenxa yabo, **22** “Lingabathinti abagcotshiweyo bami; lingahlukuluzi abaphrofethi bami.” **23** Hlabelani kuThixo lina, mhlaba wonke, limemezele insindiso yakhe insuku ngezinsuku. **24** Fakazani ngobukhosi bakhe ezizweni zonke, lemisebenzi yakhe emangalisayo

phakathi kwabantu bonke. **25** Ngoba umkhulu uThixo, ufanele ukudunyiswa ngokuphindiweyo; kumele esatshwe ngaphezu kwabonkulunkulu bonke. **26** Ngoba bonke onkulunkulu bezizwe bayizithombe; kodwa uThixo wadala amazulu. **27** Inkazimulo lobukhosi kuphambi Kwakhe Amandla lentokozo kusendaweni yakhe yokuhlala. **28** Mnikeni uThixo, lina zizukulwane zezizwe. Mnikeni uThixo ubukhosi lamandla. **29** Mnikeni uThixo udumo olufanele ibizo lakhe. Lethani umnikelo libuye phambi kwakhe. Mkhonzeni uThixo enkazimulweni yobungcwele bakhe; **30** thuthumelani phambi kwakhe mhlaba wonke! Umhlaba ugxilile, ngeke ugudluzwe. **31** Amazulu kawathokoze, lomhlaba ujabule, kabathi phakathi kwabezizwe, “UThixo uyabusa.” **32** Ulwandle kaluhlokome lakho konke okukulo, amasimu kawathakazelele lakho konke okukuwo. **33** Lapho ke izihlahla zonke zeganga zizahlabela ngentokozo phambi kukaThixo, ngoba uyeza ukuzakwahlulela umhlaba. **34** Bongani uThixo ngoba ulungile. Uthando lwakhe olungapheliyo lumi kokuphela. **35** Celani lithi: “Sisindise, Oh Nkulunkulu Mkhululi wethu, usiqoqe usikhulule phakathi kwezizwe, ukuze silibonge ibizo lakho elingcwele, sijabule ekukudumiseni.” **36** Kabongwe uThixo, uNkulunkulu ka-Israyeli, kusukela endulo kuze kube nininini. Bonke abantu bathi: “Ameni. Kabongwe uThixo!” **37** UDavida wasetshiya o-Asafi labakhula bakhe ukuba bagcine ibhokisi lesivumelwano sikaThixo, bakhonze njalo benze konke okufanele kwenziwe lapho ngezinsuku zonke. **38** Abanye abatshiya lapho ukuze

bakhonze labo ngo-Obhedi-Edomi labakhula bakhe, ababengamatshumi ayisithupha lasificaminwembali. U-Obhedi-Edomi indodana kaJeduthuni, kanye loHosa babengabalindi bamasango. **39** UDavida watshiya uZadokhi umphristi kanye labanye abaphristi phambi kwethabanikeli likaThixo endaweni ephakemeyo yokukhonzela eGibhiyoni **40** ukunikela kuThixo iminikelo yokutshiswa e-alithareni ngezikhathi zonke, ekuseni lantambama, njengokulotshiweyo eMthethweni kaThixo, awupha abako-Israyeli. **41** Abanye abasala labo babengoHemani loJeduthuni labanye bonke balabo ababekhethiwe beqanjwa ngamabizo ukuba badumise uThixo, “ngoba uthando lwakhe lumi kuze kube nininini.” **42** UHemani loJeduthuni babengabokuvuthela amacilongo lokutshaya izigubhu lamanye amachacho ezingoma ezingcwele. Amadodana kaJeduthuni ayehlala esangweni. **43** Abanye bonke basuka, ngulowo lalowo waqonda emzini wakhe, uDavida wabuyela emzini wakhe ukuyabusisa abendlu yakhe.

17 UDavida eshlezi esigodlweni sakhe wasesithi kuNathani umphrofethi, “Uyabona, mina ngihlezi esigodlweni esakhiwa ngomsedari, kodwa ibhokisi lesivumelwano sikaThixo lingaphansi kwethente.” **2** UNathani wathi kuDavida, “Konke okusengqondweni yakho, kwenze, ngoba uNkulunkulu ulawe.” **3** Ngalobobusuku ilizwi likaNkulunkulu leza kuNathani, lisithi: **4** “Hamba uyetshela inceku yami uDavida uthi, ‘Nanku okutshiwo nguThixo: Ayisuwe ozangakhela indlu yokuhlala kuyo. **5** Angikahlali endlini kusukela mhla

ngakhulula abako-Israyeli eGibhithe kuze kube lamuhla. Sengibhode ngisuka kulelithente ngaya kuleliyana, ngisuka endaweni ethile yokuhlala ngisiya kweyinye. **6** Konke lapho engihambe khona labako-Israyeli, kambe kukhona lapho engike ngathi kubakhokheli babo engabalaya ukuthi beluse abantu bami, “Kungani lingangakhelanga indlu yemisedari na?” **7** Ngakho tshela inceku yami uDavida ukuthi, ‘Nanku okutshiwo nguThixo uSomandla: Ngakuthatha emadlelweni ekweluseni izimvu, ukuze ube ngumbusi wabantu bami abako-Israyeli. **8** Ngibe ngilawe lapho obuhamba khona, ngizinqobile zonke izitha zakho phambi kwakho. Ngalokho ibizo lakho ngizalenza libe lodumo olufana lamabizo amadoda adume kakhulu emhlabeni. **9** Njalo ngizalungisela abantu bami bako-Israyeli indawo engeyabo ngibafake khona labo babe lekhaya labo lapho abangayikuhlutshwa khona. Abantu abangangileyo abasayikubancindezela futhi, njengalokhu abakwenza kuqala **10** lalokhu asebephikelele ukukwenza kusukela esikhathini engamisa ngaso abakhokheli ebantwini bami u-Israyeli. Ngizazinqoba zonke izitha zakho. Ngियाqinisa kuwe ukuthi uThixo uzakwakhela indlu: **11** Kuzakuthi nxa insuku zakho seziphelile ususiya kubokhokho bakho, ngizakwenza inzalo yakho ithathe isikhundla sakho, omunye wamadodana akho, njalo ngizawuqinisa umbuso wakhe. **12** Lowo nguye ozangakhela indlu yami, ngakho ngizamisa isihlalo sombuso wakhe kuze kube nininini. **13** Ngizakuba nguyise, yena abe yindodana yami. Angiyikususa uthando lwami kuye, njengalokhu engakwenza kulowo owakwandulelayo. **14**

Ngizambeka yena endlini yami lasembusweni wami kuze kube nininini, lombuso wakhe uzakuma kokuphela.” **15** UNathani wabikela uDavida amazwi wonke esambulelo. **16** Ngakho inkosi uDavida wangena wahlala phambi kukaThixo, wasesithi, “Ngingubani mina, awu Thixo Nkulunkulu wami, bayini abendlu yami, lokho okwenze waze wangibeka kulesi isimo? **17** Kanti njalonje lakho kubuye kukhanye kungathi kakwenelanga emehlweni akho, Oh Nkulunkulu, usukhulume ngelizayo ngendlu yenceku yakho. Ungiphethe Nkulunkulu wami, awu Thixo Nkulunkulu wami, kungathi ngingomunye wabaphakemeyo kakhulu. **18** Kambe kuyini okunye uDavida angakutsho kuwe ngokuhlonipha okwenze encekwini yakho? Ngoba wena uyayazi inceku yakho, **19** Oh Thixo. Ngenxa yenceku yakho, njalo langentando yakho, uyenzile into le enkulu, waziveza obala lezithembiso ezinkulu kangaka. **20** Kakho ofanana lawe, Oh Thixo, njalo kakho omunye uNkulunkulu kodwa nguwe kuphela, njengoba sesizwile ngezethu indlebe. **21** Njalo ngubani ongafanana labantu bakho bako-Israyeli esiyiso sodwa isizwe emhlabeni esiloNkulunkulu owayazikhululela abantu, lokuzenzela ibizo, lokwenza imimangaliso enzima ngokuxotsha izizwe phambi kwabantu bakho, owabakhulula eGibhithe? **22** Wabenza abantu bakho u-Israyeli baba ngabantu bakho kuze kube nini lanini, njalo wena, Thixo, usunguNkulunkulu wabo. **23** Lakhathesi, Thixo akuthi lesosithembiso owasenza encekwini yakho labendlu yayo sigwaliseke kuze kube nininini. Yenza njengokuthembisa kwakho, **24** kuze

kubonakale ukuthi ibizo lakho lizaphakanyiswa kuze kube nininini. Ngakho abantu bazakuthi, ‘UThixo uSomandla, uNkulunkulu ka-Israyeli, ngoka-Israyeli uNkulunkulu!’ Kuthi indlu yenceku yakho imiswe phambi kwakho. **25** Wena Nkulunkulu wami ukuveze obala encekwini yakho ukuthi uzayakhela indlu. Ngalokho inceku yakho isithole isibindi sokukhuleka kuwe. **26** Oh Thixo, unguNkulunkulu wena! Usuthembise lezizinto ezinhle encekwini yakho. **27** Ngakho kukuthokozisile ukubusisa indlu yenceku yakho, ukuthi ibe khona phambi kwakho kuze kube nininini ebusweni bakho; ngoba wena, Oh Thixo, uyibusisile, njalo izabusiwa nini lanini.”

18 Ngokuqhubeka kwesikhathi uDavida wahlasela amaFilistiya wawanqoba, wathumba iGathi lemuzana eseduzane layo eyayiphethwe ngamaFilistiya. **2** UDavida wanqoba njalo amaMowabi aba ngaphansi kwakhe athela kuye. **3** Kanti njalo, uDavida walwa loHadadezeri inkosi yaseZobha, kwaze kwafika eHamathi, esiyamisa umbuso wakhe emangweni olandela uMfula iYufrathe. **4** UDavida wathumba izinqola zakhe zokulwa eziyinkulungwane, abatshayeli bazo abazinkulungwane eziyisikhombisa lamabutho ahamba phansi azinkulungwane ezingamatshumi amabili. Wawaquma imisila wonke amabhiza ezinqola zokulwa kwasala alikhulu kuphela. **5** Kwathi ama-Aramu aseDamaseko ezoncedisa uHadadezeri inkosi yaseZobha, uDavida wawatshaya wawabhuqa ama-Aramu kwafa azinkulungwane ezingamakhulu amabili lambili. **6** Wenza izinqaba e-Aramu embusweni waseDamaseko, ama-

Aramu aba ngaphansi kombuso wakhe athela kuye. UThixo wanika uDavida ukunqoba kuzozonke izindawo ayezihlasela. **7** UDavida wathatha amahawu egolide ayephethwe yizikhulu zikaHadadezeri wawathwalela eJerusalema. **8** Kusukela eThebha laseKhuni, imizi eyayingekaHadadezeri, uDavida wathatha khona ithusi elinengi kakhulu, lelo uSolomoni enza ngalo uLwandle lwethusi, izinsika lezinye impahla ezabunjwa ngethusi. **9** Kuthe lapho Towu inkosi yaseHamathi isizwe ukuthi uDavida usenqobe lonke ibutho likaHadadezeri inkosi yaseZobha, **10** wathumela indodana yakhe uHadoramu enkosini uDavida ukuthi iyembingelela emenzela amhlophe ngokunqoba uHadadezeri owayekade esilwa impi loTowu. UHadoramu wayethwele imihlobohlobo yezimpahla zegolide lesiliva kanye lezethusi. **11** Inkosi uDavida yazahlukanisela kuThixo, lezo zinto njengalokho eyayikwenze impahla zegolide lesiliva ezazithunjwe kulezozizwe zama-Edomi lamaMowabi, lama-Amoni, lamaFilistiya lama-Amaleki. **12** U-Abhishayi indodana kaZeruya watshaya wabhuka ama-Edomi azinkulungwane ezilitshumi lasificaminwembili eSigodini seTswayi. **13** Wabeka inkamba zamabutho okulinda e-Edomi, bonke abase-Edomi babangaphansi kombuso kaDavida. UThixo wapha uDavida ukunqoba kuzozonke izindawo ayesiya kuzo. **14** UDavida wabusa kulolonke elako-Israyeli, esenza okuqondileyo lokulungele abantu bakhe bonke. **15** UJowabi indodana kaZeruya wayephethe amabutho; uJehoshafathi indodana ka-Ahiludi engumlobi, **16** uZadokhi indodana ka-Ahithubi lo-Ahimeleki indodana ka-Abhiyathari

babengabaphristi; uShavisha wayengumabhalane; **17** uBhenaya indodana kaJehoyada wayephethe amaKherethi lamaPhelethi, lamadodana kaDavida ayeyizikhulu ayeseduzane lenkosi embusweni.

19 Kwathi emva kwesikhathi, uNahashi inkosi yama-Amoni wafa, ngakho indodana yakhe yathatha isikhundla yaba yinkosi. **2** UDavida wacabanga wathi, “Ngizakuba lomusa kuHanuni indodana kaNahashi ngoba uyise wayelomusa kimi.” Ngakho uDavida wathuma izithunywa ukuyakhalela uHanuni ngoyise. Izithunywa zikaDavida zithe zifika kuHanuni ukuthi zimkhalele elizweni lama-Amoni, **3** izikhulu zama-Amoni zathi kuHanuni, “Wena nkosi unakana ukuthi uDavida uhlonipha uyihlo ngokuthuma izithunywa zokukukhalela na? Amadoda akhe la kawasizinhloli ezithunywe ukuzahlola umumo welizwe ukuze ahluthune umbuso na?” **4** Ngenxa yalokho uHanuni wabamba izithunywa zikaDavida, waziphuca, waquma izigqoko zazo zafika ezibunu, wasezixotsha. **5** Kwathi uDavida esekuzwile lokho wathuma izithunywa ukuba zihlangabeze izithunywa, njengoba zazihlukuluzwe zayangiswa kakhulu. Inkosi yathi, “Lina hlalani eJerikho indevu zenu zize zikhule, libe selisiza ngapha.” **6** Kwathi ama-Amoni esebonile ukuthi asenuka emakhaleni kaDavida, uHanuni lama-Amoni bathumela amathalenta esiliva ayinkulungwane okuqhatsha izinqola zokulwa labatshayeli bazo e-Aramu Naharayimu, le-Aramu-Mahakha laseZobha. **7** Baqhatsha izinqola zokulwa labatshayeli bazo abazinkulungwane ezingamatshumi amathathu lambili, banxusa lenkosi

uMahakha lamabutho akhe, yona eyeza yazakanisa eMedebha labantu bayo, ama-Amoni lawo eqoqana emadolobheni awo aphuma ukuya empini. **8** Uthe ekuzwa lokho uDavida, wathumela uJowabi kanye lamabutho akhe wonke. **9** Ama-Amoni asondela esehlome aphelela emangenelweni edolobho lakibo, kanti amakhosi ayenxusiwe ayejamile lawo wodwa egangeni. **10** UJowabi wabona ukuthi kwakulamaviyo amabutho phambi kwakhe langemva kwakhe, ngakho wakhetha amanye amaqhawe athenjiweyo ko-Israyeli wabahlela ukuba bamelane lama-Aramu. **11** Amanye amabutho ayesele wathi kawalawulwe ngu-Abhishayi umfowabo, wona-ke ajamelana lama-Amoni. **12** UJowabi wasesithi, “Nxa ama-Aramu ezangikhulela, wena uzangihlomulela; kanti-ke nxa ama-Amoni ezakukhulela lami ngizakuhlomulela. **13** Qina, kasilwe ngesibindi silwela abantu bakithi lemizi kaNkulunkulu wethu. UThixo uzakwenza lokho okufaneleyo njengokubona kwakhe.” **14** Ngakho uJowabi lamabutho ayelawo wasuka ukuyakulwa lama-Aramu, wona ahle abaleka phambi kwakhe. **15** Kuthe ama-Amoni ebona ukuthi ama-Aramu ayabaleka, abaleka lawo phambi kuka-Abhishayi umfowabo kaJowabi, abuyela phakathi kwedolobho. Ngakho uJowabi wasebuyela eJerusalema. **16** Kwathi ama-Aramu esebonile ukuthi ehlulwe ngama-Israyeli, athuma izithunywa zayaphendula ama-Aramu ayengaphetsheya koMfula, kanye loShofaki umlawuli wamabutho kaHadadezeri lamabutho ayekhokhele. **17** Kwathi uDavida esekutsheliwe lokhu, waqoqa bonke abako-Israyeli, wachapha uJodani, wajamelana labo

ngamaviyo ayeqondene laye. UDavida walungiselela amaviyo akhe ukudibana lama-Aramu empini, lakanye alwa lawo. **18** Abaleka ebona u-Israyeli, ngakho uDavida wabulala abatshayeli bezinqola zokulwa abazinkulungwane eziyisikhombisa lamabutho ahamba ngezinyawo azinkulungwane ezingamakhulu amane. Waze wabulala loShofaki umlawuli wamabutho akhona. **19** Kwathi izinceku zikaHadadezeri zibona ukuthi zehlulwe ngabako-Israyeli, zaxolisana loDavida, zathela kuye. Ngakho ama-Aramu awathandanga ukunceda ama-Amoni kusukela lapho.

20 Kwathi entwasa, ngesikhathi sokuphuma kwezimpi zamakhosi ukuyakulwa, uJowabi wakhokhela amabutho ayehlomile. Watshaya wabhuqa ilizwe lama-Amoni waze wayavimbezela ilizwe laseRabha, kodwa uDavida wasala eJerusalema. UJowabi wahlasela iRabha wayitshiya ingamanxiwa. **2** UDavida wathatha umqhele owawusekhanda lenkosi yabo isisindo sawo sasilithalenta legolide, uceciswe ngamatshe aligugu, umqhele wasufakwa ekhanda likaDavida. Wathatha impango enengi kakhulu kulelodobho, **3** njalo abantu ababelapho wabasusa wabasa lapho ababezasebenza khona gadalala ngamasaha, ngamapiki ensimbi kanye lamahloka. Lokhu uDavida wakwenza kuwo wonke amadolobho ama-Amoni. Kwathi uDavida ngokwakhe kanye lamabutho akhe wonke babuyela eJerusalema. **4** Ngokuqhubeka kwesikhathi, kwaqhamuka impi yamaFilistiya, eGezeri. Ngalesosikhathi uSibhekhayi umHushathi wabulala uSiphayi, omunye wabosendo

lwamaRefayi kwaba yikwehlulwa kwamaFilistiya. **5** Kweyinye impi lamaFilistiya, u-Elihanani indodana kaJayiri wabulala uLahimi umfowabo kaGoliyathi umGithi, owayelomkhonto ololuthi olunjengolomeluki. **6** Kanti njalo kwenye impi, eyalwelwa eGathi, kwakulendoda enkulu kakhulu ileminwe eyisithupha esandleni ngasinye, lamazwane ayisithupha enyaweni ngalunye, sekubalwa konke ndawonye kungamatshumi amabili lane. Laye wayengowosendo lukaRafa. **7** Ngokuchothoza kwakhe abako-Israyeli, uJonathani indodana kaShimeya, umfowabo kaDavida, wambulala. **8** Laba ngabosendo lukaRafa eGathi, njalo bafela ezandleni zikaDavida lamabutho akhe.

21 USathane wasemelana labako-Israyeli njalo wafuqela uDavida ukuba abale abantu bako-Israyeli. **2** Ngakho uDavida wathi kuJowabi kanye labalawuli bamabutho, “Hambani liyebala u-Israyeli kusukela eBherisheba kusiya koDani. Beseliphenduka lizongitshela ukuze ngazi ukuthi bangaki khonale.” **3** Kodwa uJowabi waphendula wathi, “Sengathi uThixo angandisa amabutho akhe ngokuphindwe okwedlula ikhulu. Mhlekezazi wami nkosi, kambe kabasibantu benkosi yami bonke laba? Inkosi yami ifunelani ukukwenza lokhu? Kungani ithanda ukwehlisela icala phezu kwabako-Israyeli?” **4** Loba kwakunjalo, uJowabi wakhulelwa yilizwi lenkosi, ngakho uJowabi walibhoda lonke elako-Israyeli wasebuyela eJerusalema. **5** UJowabi wafika wabikela uDavida inani lamadoda ayengalwa empini: Kulolonke elako-Israyeli kwakulamadoda ayisigidi lezinkulungwane ezilikhulu

ayelakho ukuthi angayiphatha inkemba, kubalwa labazinkulungwane ezingamakhulu amane alamatshumi ayisikhombisa koJuda. **6** Kodwa ekubaleni kwakhe uJowabi kazange ahlanganise abaLevi labakaBhenjamini, ngoba umlayo wenkosi wawumnenga. **7** Kanti njalo lowomlayo wawuyisono phambi kukaNkulunkulu, lakanye wamjezisa u-Israyeli. **8** Ngakho uDavida wasesithi kuNkulunkulu, “Ngonile kakhulu phambi kwakho ngokwenza lokhu. Ngakho, ngiyakuncenga, susa umlandu lo encekwini yakho. Ngenze ubuwula obukhulu kakhulu.” **9** UThixo wakhuluma loGadi, umboni kaDavida, wathi: **10** “Hamba uyetshela uDavida ukuthi, ‘Nanku okutshiwo nguThixo: Ngikunika ukuthi ukhethe phakathi kokuthathu. Khetha okukodwa okumele ngikwehlisele khona mina.’” **11** Ngakho uGadi waya kuDavida wathi kuye, “Nanku okutshiwo nguThixo: ‘Zikhethele wena okufunayo: **12** iminyaka emithathu yendlala, loba izinyanga ezintathu zokududulwa uxotshwa yizitha zakho, ngenkemba zazo zikukhulela, loba insuku ezintathu zokumelana lenkemba kaThixo, kuyikuthi kuyabe kuyisifo elizweni, ingilosi kaThixo iletha incithakalo kulolonke elako-Israyeli.’ Ngakho, khathesi khetha ukuthi ngifike ngithini kulo ongithumileyo.” **13** UDavida wathi kuGadi, “Ngisosizini olukhulu kakhulu; kungangcono ngiznikele ezandleni zikaThixo, ngoba umusa wakhe mkhulu kakhulu; kodwa unganginikeli ezandleni zabantu.” **14** Ngakho uThixo wathumela isifo ko-Israyeli, kwafa amadoda azinkulungwane ezingamatshumi ayisikhombisa ko-Israyeli. **15** Njalo uNkulunkulu wasethumela ingilosi ukuba

iyechitha iJerusalema. Kodwa ingilosi ithe isakwenza lokho, uThixo wazisola ngencithakalo eyayizakwenzakala wahle wakhuza ingilosi eyayizabhubhisa abantu wathi, “Kwanele! Susa isandla sakho.” Ingilosi kaThixo ngalesosikhathi yayisimi esizeni sika-Onani umJebusi. **16** UDavida wakhangela phezulu wabona ingilosi kaThixo imi phakathi kwezulu lomhlaba, iphethe inkemba esandleni sayo phezu kweJerusalema. Ngakho uDavida labadala, begqoke amasaka, bawa phansi ngobuso. **17** UDavida wathi kuNkulunkulu, “Angithi yimi engithe akubalwe amadoda okulwa na? Yimi engonileyo ngadala isono. Laba abasilutho yizimvu ezilandelayo. Benzeni? Oh Thixo Nkulunkulu wami, isandla sakho asiwele phezu kwami labendlu yami, kodwa akuthi isifo singasali ebantwini bakho.” **18** Ngakho ingilosi kaThixo yathuma uGadi ukuthi ayetshela uDavida ukuthi ayekwakha i-alithari likaThixo esizeni sika-Onani umJebusi. **19** Lakanye uDavida walalela ilizwi elakhitshwa nguGadi ngebizo likaThixo. **20** U-Onani esabhula ingqoloyi, wanyemukula wabona ingilosi; amadodana akhe amane ayelaye acatsha. **21** Kwasekufika uDavida, kuthe u-Onani embona, watshiya ukubhula wayakhothamela uDavida elokhu ebuso bukhothamele phansi. **22** UDavida wathi kuye, “Ake ungivumele ngibone isiza sakho sokubhulela amabele ukuze ngakhe i-alithari likaThixo, ukuze isifo esisebantwini simiswe. Ngithengisela sona ngentengo yaso egcweleyo.” **23** U-Onani wathi kuDavida, “Sithathe! Inkosi yami kayenze lokho ebona kuyithokozisa. Khangela, mina ngizaletha inkabi zomnikelo wokutshiswa, lemibhulo

yokubhula izakuba zinkuni, ingqoloyi izakuba ngumnikelo wamabele. Konke lokhu ngiyakunika.” 24 Kodwa inkosi uDavida yathi ku-Onani, “Hayi, ngifuna ukuthenga ngentengo egcweleyo. Angiyikuthatha okuya kuThixo okungokwakho, angiyikunikela umnikelo wokutshiswa engingawuthenganga.” 25 Ngakho uDavida wanika u-Onani amashekeli egolide angamakhulu ayisithupha ethenga leyondawo. 26 UDavida wakhela uThixo i-alithari kuleyondawo wanikela iminikelo yokutshiswa leminikelo yobudlelwano. Wakhuleka kuThixo, uThixo wamphendula ngomlilo uvela ezulwini phezu kwe-alithari lomnikelo wokutshiswa. 27 Ngakho uThixo wakhuluma lengilosi, yona yasibuyisela inkemba yayo esikhwameni sayo. 28 Ngalesosikhathi, uDavida esebonile ukuthi uThixo wayemphendule esizeni sika-Onani umJebusi, wanikela iminikelo kuleyondawo. 29 Ithabanikeli likaThixo, elalaxhiwe nguMosi enkangala, kanye le-alithari leminikelo yokutshiswa ngalesosikhathi kwakusendaweni ephakemeyo eGibhiyoni. 30 Kodwa uDavida wehluleka ukuya khona ukuze abuze kuNkulunkulu ngoba wayesesaba inkemba yengilosi kaThixo.

22 UDavida wasesithi, “Indlu kaThixo uNkulunkulu izakuba khonapha, kanye le-alithari lomnikelo wokutshiswa ka-Israyeli.” 2 Ngakho uDavida wakhupha ilizwi lokuthi bonke abezizweni abahlala ko-Israyeli babuthaniswe, kwathi phakathi kwabo wakhetha ababazi bamatshe ukuze balungise babaze amatshe okwakha indlu kaNkulunkulu. 3 Wabuthanisa insimbi enengi kakhulu yokwenza izipikili zezivalo lezinsimbi zokuhlanganisa,

wabuthanisa lethusi elinengi elingelakulinganiswa. **4** Wadinga lezigodo zomsedari ezinengi ezingelakubalwa, ngoba amaSidoni labaseThire baletha inani lazo elikhulu kakhulu kuDavida. **5** UDavida wasesithi, “Indodana yami uSolomoni isengumntwana njalo ayikabi lolwazi, ngoba phela indlu ezakwakhelwa uThixo kumele ibe yindlu ebukekayo kakhulu ibe lodumo lesithunzi emehlweni ezizwe zonke. Ngakho ngizalungiselela ukwakhiwa kwayo.” Yikho uDavida walungiselela ngokujulileyo esaphila. **6** Wasebiza uSolomoni indodana yakhe, wamlaya ukuthi akhele uThixo, uNkulunkulu ka-Israyeli indlu. **7** UDavida wathi kuSolomoni: “Ndodana yami, ngangizimisele ukwakhela iBizo likaThixo, uNkulunkulu wami indlu. **8** Kodwa ilizwi likaThixo lafika kimi lisithi: ‘Wena uchithe igazi elinengi, walwa izimpi ezinengi. Kawuyikwakhela iBizo lami indlu, ngoba uchithe igazi elinengi kakhulu emhlabeni. **9** Kodwa, uzazala indodana ezakuba ngumuntu othanda ukuthula; ngizayiphumuza ezitheni zayo inxa zonke. Izathiwa nguSolomoni, njalo ngizanika u-Israyeli ukuthula ensukwini zokubusa kwakhe. **10** Nguye ozakwakhela iBizo lami indlu. Uzakuba yindodana yami, mina ngizakuba nguyise. Njalo ngizaqinisa ubukhosi bakhe ko-Israyeli kuze kube nininini.’ **11** Ndodana yami, uThixo kabe lawe ukuze uphumelele ukwakha indlu kaThixo uNkulunkulu wakho, njengokutsho kwakhe ngawe. **12** Sengathi uThixo angakunika ukuhlakanipha lokuqedisisa, ukuze kuthi lapho ekunika amandla ko-Israyeli, uwulondoloze umlayo kaThixo uNkulunkulu wakho. **13** Uzaphumelela nxa

unanzelela ukugcina izimiso lemithetho uThixo ayinika u-Israyeli ngoMosi. Qina, ube lesibindi. Ungesabi utshaywe luvalo. **14** Ngayo yonke imizamo yami ngilungisele indlu kaThixo amathalenta egolide azinkulungwane ezilikhulu, lamathalenta esiliva ayisigidi, lethusi kanye lensimbi okulesisindo esingelakubalwa, lezigodo kanye lamatshe. Lawe ungengezelela kulokho. **15** Ulezisebenzi ezinengi, ababazi bamatshe, labakha ngamatshe, lababazi, lezingcitshi zemisebenzi yonke, **16** eyegolide, isiliva, ithusi kanye lensimbi, izingcitshi ezingelakubalwa. Qalisa-ke umsebenzi, uThixo abe lawe.” **17** UDavida waselaya bonke abakhokheli bako-Israyeli ukuba basize uSolomoni indodana yakhe. **18** Wathi kubo, “uThixo uNkulunkulu wenu kakho kini na? Kalinikanga ukuthula inxa zonke na? Ngoba unikele abantu belizwe esandleni sami, lelizwe libuswa nguThixo labantu bakhe. **19** Ngakho nikelani inhliziyo zenu ekufuneni uThixo uNkulunkulu wenu. Qalisani ukwakha indlu kaThixo uNkulunkulu, ukuze ibhokisi lesivumelwano sikaThixo lezitsha zikaThixo ezingcwele kungeniswe ethempelini elizakwakhelwa iBizo likaThixo.”

23 Kwathi uDavida esemdala eseluphele, wabeka uSolomoni indodana yakhe ukuba abe yinkosi ko-Israyeli. **2** Wasehlanganisa bonke abakhokheli bako-Israyeli, labaphristi kanye labaLevi. **3** AbaLevi abaleminyaka esukela kwengamatshumi amathathu kusiya phezulu babalwa, inani lamadoda laba zinkulungwane ezingamatshumi amathathu lasificaminwembali. **4** UDavida wasesithi: “Phakathi

kumbe ukunqoba impi kuye ngamandla; kakutsho ukuthi ukudla kuya kwabahlakaniphileyo kumbe inotho kwabakhaliphileyo loba okuhle kwehlele abafundileyo; kodwa kuya ngesikhathi langenhlanhla kubani lobani. **12** Futhi kakho owaziyo ukuthi isikhathi sakhe sizafika nini: Njengezinhlanzi ezigolwa kabuhlungu ngamambule loba izinyoni zibanjwa esifini, kanjalo abantu bafikelwa yizikhathi ezimbi ezibafikela belibele. **13** Ngaphinda ngabona ngaphansi kwelanga lesisibonelo sokuhlakanipha esagxila engqondweni yami: **14** Kwake kwaba khona idolobho elincinyane elalilabantu abalutshwana kulo. Kwasuka inkosi elamandla yalihlasela, yalihonqolozela yakha amadundulu amakhulu okuvimbezela. **15** Kulelodolobho kwakuhlala indoda ethile engesulutho kodwa ihlakaniphile, ngakho yawusindisa umuzi lowo ngokuhlakanipha kwayo. Kodwa kakho loyedwa owaphinde wayikhumbula leyondoda eyayingebani. **16** Yikho-ke ngasengisithi, “Ukuhlakanipha kungcono kulamandla.” Kodwa ukuhlakanipha komuntukazana kuyeyiswa lamazwi akhe akasanakwa. **17** Amazwi apholileyo abahlakaniphileyo afanele alalelwe ngcono kulokumemeza kombusi weziwula. **18** Ukuhlakanipha kungcono kulezikhali zempi, umoni oyedwa uyabuchitha bonke ubuhle.

10 Njengoba impukane ezifele phakathi kwamakha ziwenza anuke kubi, kunjalo lobuwula obuncinyane bugabhela ukuhlakanipha lodumo. **2** Inhliziyo yolungileyo ikhungathekela ekulungeni, kodwa inhliziyo yesiwula ikhungathekela ebubini. **3** Loba ehamba nje emgwaqweni

oyisiwula kalangqondo, utshengisa loba ngubani
ubuphukuphuku bakhe. **4** Aluba umbusi ekuthukuthelela,
ungasuki esikhundleni sakho; ukuthobeka kungathoba
umonakalo obungaba khona. **5** Bukhona ububi
esengibubonile ngaphansi kwelanga, kuliphutha elenziwa
ngumbusi: **6** Iziwula ziphakanyiselwa ezikhundleni
ezinengi eziphezulu, kodwa abanothileyo belezikhundla
eziphansi. **7** Sengibone izichaka zigade amabhiza, kuthi
amakhosana ahambe ngezinyawo njengezichaka. **8**
Lowo ogebha umgodi angawela kuwo; odiliza umduli
angalunywa yinyoka. **9** Oqhekeza amatshe angalinyazwa
yiwo; obanda inkuni angaba sengozi yazo. **10**
Lapho ihloka libuthundu ubukhali balo bungalolwanga,
kudingeka amandla amanengi kodwa ubungcitshi
buyaphumelelisa. **11** Nxa inyoka ihle ilume ingakalunjwa,
umlumbi kaselanzuzo. **12** Amazwi aphuma emlonyeni
wesihlakaniphi amnandi, kodwa isiwula sichithwa
yizindebe zaso. **13** Ekuqaleni amazwi aso ayibuwula;
ekucineni aseyikuwumana okubi **14** njalo isiwula
sanda ngamazwi. Kakho okwaziyo okuzayo ngubani
ongamazisa okuzakwenzakala ngemva kwakhe na? **15**
Umtshikatshika wesiwula uyasidinisa; kasiyazi indlela
eya edolobheni. **16** Maye kuwe, wena lizwe onkosi
yalo yayiyisichaka, amakhosana akho azitika ngamadili
ekuseni. **17** Ubusisiwe wena, wena lizwe onkosi yalo izalwa
esikhosini amakhosana alo adla ngezikhathi eziqondileyo
edlela ukuqina hatshi ukudakwa. **18** Nxa indoda
ilivila intungo ziyabhensa; nxa izandla zayo ziyekethisa
indlu iyavuzwa. **19** Idili lenzelwa ukujabula, lewayini

lenza impilo ibe mnandi, kodwa imali yiyo impendulo yakho konke. **20** Ungayithuki inkosi lasemicabangweni yakho, loba uqalekise abanothileyo loba usendlini yakho yokulala, ngoba mhlawumbe inyoni yasemoyeni ingawathwala amazwi akho, loba inyoni ephaphayo ingayabika okutshoyo.

11 Phosela isinkwa sakho phezu kwamanzi, ngoba ngemva kwensuku ezinengi uzasifumana futhi. **2** Yabela abayisikhombisa, yebo abayisificaminwembili, ngoba kawuwazi umonakalo ongehlela elizweni. **3** Nxa amayezi ethwele, anisa izulu emhlabathini. Aluba isihlahla singawela eningizimu loba enhla, silala khonapho esiwele khona. **4** Lowo onanzelela umoya kayikuhlanyela; lowo okhangela amayezi akazukuvuna. **5** Njengoba ungayazi indlela yomoya, loba ukubunjwa komzimba esiswini sikanina, yikho ungeke uzwisise umsebenzi kaNkulunkulu, uMenzi wezinto zonke. **6** Hlanyela inhlanyelo yakho ekuseni, kuthi ntambama uphumuze izandla zakho, ngoba kawukwazi okuzaphumelela, kumbe yilokhu loba yilokhuyana, langabe kokubili kuzalunga ngokufananayo. **7** Ukukhanya kumnandi, njalo kuhle emehlweni ukubona ilanga. **8** Umuntu angaze aphile iminyaka emingaki, kayikholise yonke. Kodwa makakhumbule insuku zobumnyama, ngoba zizabe zizinengi. Konke okuzakuza kuyize. **9** Jabula nsizwa usesemutsha, uvumele inhliziyo yakho ikuthokozise ensukwini zobutsha bakho. Landela izindlela zenhliziyo yakho lakho konke amehlo akho akubonayo, kodwa yazi ukuthi ngenxa yazo zonke lezizinto uNkulunkulu uzakumisa ekwahlulelweni. **10**

Ngakho-ke, susa ukukhathazeka enhliziyweni yakho ulahlele kude inhlupheko zomzimba wakho, ngoba ubutsha lamadlabuzane kuyize.

12 Khumbula uMdali wakho ngezinsuku zobutsha bakho, kungakafiki insuku zokuhlupheka njalo kusondele leminyaka lapho ozakuthi, “Angizuzi kuthokoza kuyo”
2 andubana ilanga lokukhanya kanye lenyanga lezinkanyezi kufiphale, lamayezi achitheke ngemva kwezulu; **3** lapho abalindi bendlu bezathuthumela, amadoda aqinileyo akhokhobe, labacholi batshiye umsebenzi ngoba sebebalutshwana, kuthi labalunguzayo ngamawindi sebebona lufifi; **4** lapho iminyango ephumela emigwaqweni isivaliwe lomsindo wokuchola usufiphala; lapho abantu besethuswa yikukhala kwenyoni, lezingoma zazo zincipha; **5** lapho abantu sebesesaba izindawo eziphakemeyo lezingozi emigwaqweni; lapho isihlahla se-alimondi sesiqhakaza lentethe isihamba ngokuzihudula nje njalo kungasekho ukulangazelela. Lapho-ke umuntu usesiya ekhaya lakhe laphakade njalo abalilayo bagcwale emigwaqweni. **6** Mkhumbule intambo yesiliva ingakaqamuki, kumbe umganu wegolide ungakabhidlizwa; lodiwo lungakahlizwa emthonjeni, loba ivili lephulwe emgodini wamanzi, **7** kuthi umhlabathi ubuyele emhlabathini lapho owavela khona, lomphfumulo ubuyele kuNkulunkulu onguye owawuphayo. **8** “Ize! Ize!” kutsho uMtshumayeli, “Konke kuyize!” **9** UMtshumayeli wayehlakaniphile, njalo esabela abantu ulwazi. Wazidla ingqondo wadingisisa wamisa kuhle izaga ezinengi. **10** UMtshumayeli

wadingisisa ukuze azuze amazwi ayiwonawona, kwathi-
ke konke akulobayo kwaqonda njalo kuliqiniso. **11**
Amazwi abahlakaniphileyo anjengenswazi zokwethusa
izimvu, izitsho zabo eziqoqiweyo zinjengezipikili
ezibethelwe zatshona, zivela kuMalusi munye. **12**
Limuka, ndodana yami, loba kuyini okudlula lapho.
Ukulotshwa kwezincwadi ezinengi akulamkhawulo, njalo
ukufunda kakhulu kuhlukuluza umzimba. **13** Manje-ke
konke sekuzwakele; nansi isiphetho sendaba: Mesabe
uNkulunkulu ugcine imiyalo yakhe, ngoba lo yiwo wonke
umlandu womuntu. **14** Ngoba uNkulunkulu uzazahlulela
zonke izenzo, lalokho okufihliweyo loba kuhle loba kubi.

Ingoma Yezingoma

1 Ingoma yezingoma kaSolomoni. **2** Kangange ngezangiwo zomlomo wakhe ngoba uthando lwakho lumnandi kulewayini. **3** Limnandi iphunga lamagcobo akho; ibizo lakho linjengamakha atheliweyo. Yikho izintombi zikuthanda kangaka! **4** Ngithatha uhambe lami, kasiphangise! Inkosi kayingingenise endlini yayo. Abangane Siyathokoza njalo siyajabula ngawe; sizalubabaza uthando lwakho okudlula iwayini. Umlobokazi Kabazenzi ukuba bakuthande! **5** Ngimnyama kodwa ngiyabukeka, lina madodakazi aseJerusalema ngimnyama okwamathente aseKhedari, okwamakhetheni amathente kaSolomoni. **6** Linganginyonkoloji ngoba ngimnyama, ngimnyama ngenxa yokutshiswa lilanga. Abanewethu bangizondela bangenza umlindi wesivini; angabe ngisanaka esami isivini. **7** Akungitshela, wena engikuthandayo, uyelusela ngaphi imihlambi yezimvu zakho lokuthi ziphumula ngaphi izimvu zakho emini? Kungani ngisiba njengomfazi ombozileyo eceleni kwemihlambi yabangane bakho na? **8** Nxa ungazi, wena omuhle okudlula bonke abesifazane, landela umkhondo wezimvu udlisele amazinyane embuzi zakho eduze lamathente abelusi. **9** Sithandwa sami, ngikufanisa lebhiza elisikazi elibotshwe enqoleni kaFaro. **10** Izihlathi zakho zinhle ngokuceciswa, intamo yakho ngobuhlalu obucazimulayo. **11** Sizakwenzela amacici egolide, ebalazwe ngesiliva. **12** Khonapho inkosi isetafuleni amakha ami enadi alanquza iphunga lawo elimnandi. **13** Kimi isithandwa sami sinjengemfuko yemure ithe khoxo

phakathi kwamabele ami. **14** Kimi isithandwa sami sinjengelixha lempoko zehena eliphuma esivinini se-Eni-Gedi. **15** Bakithi, umuhle njani sithandwa sami! Ngeqiniso umuhle! Amehlo akho angamajuba. **16** Umuhle ngempela, sithandwa sami! Bakithi, uyabukeka! Umbheda wethu butshani obuluhlaza tshoko. **17** Izinsika zendlu yethu ngezomsedari lezintungo ngezefire.

2 Ngililuba laseSharoni, imbali yasezigodini. **2** Njengembali phakathi kwameva sinjalo isithandwa sami phakathi kwezintombi. **3** Njengesihlahla se-aphula phakathi kwezihlahla zeganga sinjalo isithandwa sami phakathi kwamajaha. Kumnandi kimi ukuhlala emthunzini waso, lezithelo zakhe ziyahlabusa kimi. **4** Useke wangisa endlini yedili, lohawu lwakhe kimi luthando. **5** Ngiqinisani ngamavini awonyisiweyo, lingivuselele ngama-aphula, ngoba sengiyathiswa luthando. **6** Ingalo yakhe yobunxele ngiyiqamele, kuthi ingalo yakhe yokunene ingigonile. **7** Madodakazi aseJerusalema, ngiyaliqonqosela ngezimpala langezimpalakazi zeganga. Lingalunyakazisi loba liluvuse uthando luze luzifunele lona. **8** Zwanini! Yisithandwa sami! Khangelani! Nansi siyeza, siseqa ezintabeni siqolotsha emaqaqeni. **9** Isithandwa sami sinjengempala loba ithole lomziki. Khangela! Nansiyana simi ngale komduli wakwethu, sikhangele sibona emawindini, silunguza ngezimbotshana. **10** Isithandwa sami sakhuluma sathi kimi, “Sukuma, sithandwa sami, wena omuhle, woza sihambe. **11** Khangela! Ubusika sebudlulile; isikhathi sezulu sesidlule. **12** Amaluba asebonakala emangweni;

isikhathi sokuhlabelela kwezinyoni sesifikile, ukukhala kwamajuba sekuzwakala elizweni lakithi. **13** Umkhiwa usuthela izithelo zawo zakuqala; amavini aqhakazayo aseletha iphunga elimnandi. Sukuma, woza sithandwa sami; wena omuhle wami, woza sihambe.” **14** Juba lami elisezingoxweni zedwala, ekusithekeni kwamawa entaba, akungitshengise ubuso bakho, akungizwise ilizwi lakho; ngoba limnandi ilizwi lakho, lobuso bakho buyabukeka. **15** Sibambeleni amakhanka, amakhanka amancinyane onayo ezivinini, izivini zethu esezithela. **16** Isithandwa sami ngesami lami ngingowakhe; uzithokozisa ngoba phakathi kwamaluba. **17** Akuze kube emadabukakusa lapho kunyamalala khona izithunzi, phenduka sithandwa sami, ube njengempala loba njengegogo elisengumntwana phezu kwezintaba ezilamakhelekethe.

3 Ubusuku bonke ngisembhedeni wami ngamdinga lowo othandwa yinhliziyi yami; ngamdinga kodwa kangimfumananga. **2** Sengivuka manje ngizulazule phakathi kwedolobho, emigwaqweni lasemagcekeni alo; ngizalibhudula ngidinga othandwa yinhliziyi yami. Kanjalo ngamdinga kodwa angaze ngamthola. **3** Abalindi bangifika belokhu benquma phakathi kwedolobho. “Like lambona yini lowo othandwa yinhliziyi yami?” **4** Ngathi ngisedlula kubo ngabe ngimbona othandwa yinhliziyi yami. Ngambamba angaze ngamyekela ukuba ahambe ngaze ngamletha endlini kamama, endlini yakhe lowo owangizalayo. **5** Madodakazi aseJerusalema, ngiyaliqonqosela ngezimpala langezimpalakazi zeganga. Lingalunyakazisi loba liluvuse uthando luze luzifunele

lona. **6** Ngubani lo ozayo eqhamuka enkangala kungathi yisikhatha sentuthu, eziqhole ngamakha emure lenhlaka eyenziwe ngemihlobo yonke yezinongo zomthengisi? **7** Khangela! Yinqola kaSolomoni, isekelwe ngamabutho angamatshumi ayisithupha, angabathenjwa abayinqaba ko-Israyeli, **8** bonke begqize izinkemba enqulwini, bonke sebake bazilwa izimpi, ngulowo lalowo inkemba yakhe eceleni kwakhe, elungele ukuhlathshwa komkhosi ebusuku. **9** Inkosi uSolomoni yazenzela inqola leyo; yayenza ngezigodo zeLebhanoni. **10** Imijabo yayo yayenza ngesiliva, isisekelo sayo yasenza ngegolide. Isihlalo sayo yasithungela ilembu eliyibubende ingaphakathi yayo yaceciswa ngothando ngamadodakazi aseJerusalema. **11** Phumani phandle madodakazi aseZiyoni, libone iNkosi uSolomoni ithwele umqhele, umqhele ewetheswa ngunina mhla welanga atshada ngalo, ilanga inhliziyo yakhe yathokoza ngalo.

4 Kayisibuhle bakho, sithandwa sami! Awu, ayisibuhle, bakithi! Amehlo akho embeswe liveli, angamajuba. Inwele zakho zinjengomhlambi wembuzi zisehla entabeni iGiliyadi. **2** Amazinyo akho anjengomhlambi wezimvu zisanda kugundwa, zivela geziswa yileyo ihamba laleyo efanana layo; kayikho ethe qekele yodwa. **3** Izindebe zakho zinjengozwezwe olubomvu; muhle umlomo wakho. Izihlathi zakho ezembeswe liveli lakho ezinjengephomegranathi elidatshulwe phakathi. **4** Intamo yakho injengomphotshongo wokulinda kaDavida, owakhiwa waba muhle kakhulu; kulengiswe kuwo amahawu ayinkulungwane, wonke angamahawu

amaqhawe. **5** Amabele akho omabili anjengamazinyane amabili, njengamaphahla amazinyane empala adla utshani phakathi kwezimbali. **6** Nxa kusesemadabukakusa izithunzi zingakabaleki emuntwini, ngizakuya entabeni yemure laseqaqeni lwamakha amnandi. **7** Umuhle kakhulukazi, ntokazi yami; kakulanto engenhle kuwe. **8** Woza, mlobokazi wami, sisuke eLebhanoni, woza sisuke eLebhanoni. Yehla emaweni ase-Amana, wehle esiqongweni saseSeniri, isiqongo seHemoni, ezimbalwini zezingonyama lezintabeni okuhlala ingwe kuzo. **9** Uyithumbile inhliziyo yami, dadewethu, mlobokazi wami; uyithumbile inhliziyo yami ngokungithi jeqe ngamehlo akho, langengqongqo elilodwa lobuhlalu bakho. **10** Luthokozisa kanganani uthando lwakho, dadewethu, mlobokazi wami! Lumnandi kakhulu kulewayini, lephunga lamakha akho kulawo wonke amafutha! **11** Izindebe zakho ziconsa ubumnandi njengoluju, mlobokazi wami; uchago loluju kungaphansi kolimi lwakho. Iphunga lezivunulo zakho linjengeleLebhanoni. **12** Uyisivande esibiyelweyo, dadewethu, mlobokazi wami; ungumthombo obiyelweyo, lesiphethu esihuqelweyo sagcikwa. **13** Izilimo zakho ziyisivande samaphomegranathi alezithelo ezinhle zilehena lenadi, **14** inadi lesafuroni, ikhalamu lesinamoni, lemihlobo yonke yezihlahla zempepha, imure lenhlaba lazozonke iziyoliso zekhethelo. **15** Uyisiphethu sesivandeni, umthombo ogeleza amanzi ugeleza usehla eLebhanoni. **16** Vuka moya wenyakatho, woza moya weningizimu! Phephetha esivandeni sami, ukuze amakha

aso agcwale indawo yonke. Akuthi isithandwa sami size esivandeni saso sikholise izithelo zaso zekhethelo.

5 Sengingenile esivandeni sami, dadewethu, mlobokazi wami; sengiyibuthile imure yami lesiyoliso sami. Sengizidlile inhlanga zami loluju lwami; sengiyinathile iwayini yami lochago lwami. Abangane Dlanini, bangane, linathe; nathani lizidele, lina zithandani. **2** Ngalala kodwa inhliziyo yami ivukile. Zwana! Isithandwa sami siyaqoqoda: “Ngivulela, dadewethu, sithandwa sami, juba lami, wena ongelasiyinga. Ikhanda lami ligcwele amazolo, inwele zami zilobumanzi bobusuku.” **3** Sengisikhulule isigqoko sami ngisigqoke futhi na? Sengizizezile inyawo zami ngibuye ngizingcolise futhi na? **4** Isithandwa sami sangenisa isandla saso embotsheni yomnyango; inhliziyo yami yagubhazela ifuna sona. **5** Ngavuka ngayasivulela isithandwa sami, izandla zami zijuluka imure, iminwe yami igeleza imure, phezu kwezibambo zekhiye. **6** Ngasivulela isithandwa sami, kodwa isithandwa sami sasesisukile, sasesihambile. Inhliziyo yami yadangala ngoba sesihambile. Ngasithalaza kodwa ngasiswela. Ngasimemeza kodwa kasisabelanga. **7** Abalindi bangibona ngesikhathi bebhodabhoda, behlola idolobho. Bangitshaya bangilimaza; bangihlubula bathatha ibhatshi lami, labobalindi bemiduli! **8** Lina madodakazi aseJerusalema, ngiyaliqonqosela nxa lisithola isithandwa sami lizasitshelani? Sitssheleni ukuthi mina sengiyathiswa luthando. **9** Isithandwa sakho singcono ngani kulezinye izithandwa wena omuhle okudlula bonke abesifazane? Singcono ngani isithandwa sakho kulezinye osungaze

usiqonqosele kangaka? **10** Isithandwa sami siyakhazimula sincwaba, siyabonakala laphakathi kwezinkulungwane ezilitshumi. **11** Ikhanda laso liligolide elicengwe kakhulu; inwele zaso ziyibulembu, zimnyama okwewabayi. **12** Amehlo aso anjengamajuba esezifuleni ezilamanzi, agezwe ngochago, amiswa njengamatshe engcebo. **13** Izihlathi zaso zinjengendima yeziyoliso ezilephunga lamakha. Izindebe zaso zinjengezimbali, ziconsa imure. **14** Izingalo zaso yimiqwayi yegolide elixutshwe ngekhrisolithe. Umzimba waso unjengophondo lwendlovu olulolongiweyo lwaceciswa ngamasafire. **15** Imilenze yaso yizinsika zelitshe eliqinileyo elibutshelezi elimiswe ezisekelweni zegolide elicengekileyo. Isithombo saso sinjengeLebhanoni, njengemisedari yakhona eyebanga laphezulu. **16** Umlomo waso uyibumnandi qobo lwabo; siyabukeka ngokupheleleyo. Lesi yiso isithandwa sami, yena umngane wami, we madodakazi aseJerusalema.

6 Sesiye ngaphi isithandwa sakho wena omuhle kulabo bonke abesifazane? Siqonde ngaphi isithandwa sakho ukuze sikudingise sona? **2** Isithandwa sami sehlele ngesivandeni saso, endimeni yamaluba eziyoliso, ukuzulazula ezivandeni lokuqunta izimbali. **3** Ngingowaso isithandwa sami, laso singesami; uzithokozisa ngoba phakathi kwamaluba. **4** Umuhle, sithandwa sami, njengeThiza, uthandeka njengeJerusalema, ulesithunzi njengamabutho ephethe uphawu lwempi. **5** Susa amehlo akho kimi; angihubula igwebu. Inwele zakho zinjengomhlambi wembuzi zisehla eGiliyadi. **6** Amazinyo akho anjengomhlambi wezimvu zivela geziswa yileyo

ihamba laleyo efanana layo; akula ehamba yodwa. **7** Izihlathi zakho ezivalwe liveli lakho zinjengezingxenye zesithelo sephomegranathi. **8** Kungabe kukhona amakhosikazi angamatshumi ayisithupha, labanye abafazi beceleni abangamatshumi ayisificaminwembili, lezintombi ezipheleleyo ezingelakubalwa; **9** kodwa ijuba lami, opheleleyo wami, wehlukene, nguyeyedwa kunina, uyintandokazi yalowo owamzalayo. Izintombi zambona zathi ubusisiwe; amakhosikazi labafazi beceleni bambabaza. **10** Ngubani lo oqhamuka njengokusa, omuhle njengenyanga, okhazimula njengelanga, olobukhosi njengezinkanyezi ziludwendwe? **11** Ngehlela esivandeni esilezithelo ezilenkelo ngisiyabona amahlumela esigodini, ngisiyabona ingabe amavini ayesenunkula yini langabe amaphomegranathi ayeseqhakazile na. **12** Ngisalibele nje isifiso sami sangibeka ezinqoleni zobukhosi ezabantu bakithi. **13** Phenduka, phenduka, wena mShulamithi; phenduka, phenduka, ukuze sikubuke! Umyeni Liyabe limbukelani umShulamithi kungathi libuka umgido kaMahanayimi?

7 Zinhle kakhulu inyawo zakho emanyathelweni, awu ndodakazi yenkosana! Amathebe mahle anjengamatshe aligugu, ingathi abunjwa kuhle yingcitshi. **2** Inkaba yakho yindingilizana yesiphathelo esihle esihlala sigcwele iwayini elixutshiweyo. Ukhalo lwakho luyinqunjana yengqoloyi ezingelezwe yizimbali. **3** Amabele akho anjengamazinyane amabili, njengamaphahla empala. **4** Intamo yakho injengomphotshongo wempondo zendlovu. Amehlo akho ayiziziba zeHeshibhoni

eduze lesango laseBhathi Rabhimi. Impumulo yakho injengomphotshongo waseLebhanoni ukhangele eDamaseko. **5** Ikhanda lakho lingumqhele kuwe njengentaba iKhameli. Inwele zakho zingumceciso wobukhosi; inkosi ithunjiwe ngamagoda azo. **6** Wamuhle bantu njalo uyathokozisa, wena sithandwa, ngezintokozo zakho! **7** Uluthi lwakho luthe klwi, njengesihlahla sephamu, lamabele akho anjengelixha lezithelo. **8** Ngathi, “Ngizakhwela esihlahleni sephamu; ngizaziphatha lezozithelo zalo.” Sengathi amabele akho angaba njengamaxha evini, amakha okuphefumula kwakho abe njengama-aphula, **9** lomlomo wakho ube njengewayini elidlula wonke. Umlobokazi Sengathi iwayini lelo lingaya kusithandwa sami, ligeleze kakuhle ezindebeni lasemazinyweni. **10** Ngingowaso isithandwa sami, silangathela mina. **11** Woza, sithandwa sami, kasihambe siye emaphandleni, kasiyolala emizini. **12** Kasihambe ekuseni ezivinini ukuyabona ingabe amavini asenunkula na, ingabe amaluba amaphomegranathi awo aseqhakazile lapho ngizakupha uthando lwami. **13** Izihlahla zamamandraki zikhupha iphunga elimnandi, kuthi emnyango wakwethu kube lezibiliboco zonke ezintsha lezindala, engikubekele zona, sithandwa sami.

8 Aluba nje unjengomfowethu kimi, owondliwa emunya emabeleni kamama! Lapho-ke, nxa ngikufica phandle, ngithi loba ngikwanga, angabikhona ongisolayo. **2** Ngabe ngiyakudonsa ngikuse endlini kamama yena owangikhulisayo. Ngabe ngikupha iwayini elixutshiweyo unathe, uluju lwamaphomegranathi ami. **3** Ingalo yakhe

yobunxele ngiyiqamele kuthi ingalo yakhe yokunene ingigonile. **4** Madodakazi aseJerusalema, ngiyaliqonqosela: Lingalunyakazisi loba liluvuse uthando luze luzifunele lona. **5** Ngubani lo oqhamukayo evela enkangala na, eyeme isithandwa sakhe? Umlobokazi Ngikuvusile ngaphansi kwesihlahla se-aphula; kulapho unyoko akumithela khona, kulapho ahelelwa wakuzalela khona. **6** Ngibeka ngibe njengesidindo enhliziyweni yakho, njengesidindo engalweni yakho; ngoba uthando lulamandla njengokufa, ubukhwele balo kabuyekethisi njengengcwaba. Luyatshisa njengomlilo obhebha kakhulu, njengelangabi elivuthayo. **(Sheol h7585)** **7** Impophoma zamanzi ngeke zilucime uthando; imifula ngeke ilukhukhule. Nxa umuntu enganika yonke inotho yomuza wakhe ngenxa yothando kungaba yinhlekisa. **8** Silentombazana engumnawethu, njalo kayikaphuhli. Sizamenzelani kambe umnawethu mhla sekuthiwa uyacelwa? **9** Uba engumduli, sizakwakha imiphotshongo yesiliva phezu kwakhe. Uba engumnyango, sizamvala ngamapulanka esihlahla somsedari. **10** Ngingumduli, lamabele ami anjengemiphotshongo. Yikho-nje emehlweni akhe sengifana lalowo olethe ukusuthiseka. **11** USolomoni wayelesivini eBhali Hamoni; wasiqhatshisela ebalimini isivini sakhe. Munye ngamunye kwakumele athele umthelo wezithelo zawo ongamashekeli esiliva ayinkulungwane. **12** Kodwa esami isivini ngesami ukupha santando; amashekeli lawo ayinkulungwane ngawakho, bakithi Solomoni, lamakhulu amabili amashekeli ngawalabo abalondoloza izithelo zawo. **13** Wena

ohlala ezivandeni labangane bekususa isizungu, ake
ngilizwe ilizwi lakho! **14** Masihambe, sithandwa sami,
woba njengembabala kumbe njengejongosana lomziki
ezintabeni ezigcwele amakha.

U-Isaya

1 Umbono omayelana ngoJuda leJerusalema owabonwa ngu-Isaya indodana ka-Amozi ensukwini zokubusa kuka-Uziya, loJothamu, lo-Ahazi loHezekhiya amakhosi akoJuda. **2** Zwanini, mazulu! Lalelani, mhlaba! Ngoba uThixo usekhulumile: “Ngondla abantwana ngabakhulisa, kodwa sebengihlamukele. **3** Inkabi iyamazi umniniyo, lobabhemi uyasazi isibaya somnikazi wakhe, kodwa u-Israyeli kazi, abantu bami kabaqedisisi.” **4** Maye kuso isizwe esonayo, abantu abathwele amacala, inzalo yabenza okubi, abantwana abaxhwalileyo! Sebemlahlile uThixo; bamdelele oNgcwele ka-Israyeli, bamfulathela. **5** Kungani kumele litshaywe futhi? Kungani liqhubeka ngokuhlamuka? Ikhanda lakho lonke lilimele, yonke inhliziyo yakho ihlukuluziwe. **6** Kusukela ngaphansi kwentende yonyawo lwakho kusiya esicholo sekhanda lakho akukho kuphelela, kodwa izilonda lemvivinya kuphela, kanye lamanxeba; akugeziswanga, akubotshwanga kumbe kwathanjiswa ngamafutha. **7** Ilizwe lenu lichithekile, amadolobho enu atshiswa ngomlilo, umhlaba wenu uphundlwa ngabezizweni, phambi kwenu uqobo, uchitheka njengalapho udilizwa ngabezizweni. **8** Indodakazi yaseZiyoni isele njengedumba esivinini, njengendlwana ensimini yamajodo, njengedolobho elihonqolozelweyo. **9** Aluba uThixo uSomandla kasitshiyelanga abalutshwana abasindayo, sasizakuba njengeSodoma; sasizafana leGomora. **10** Zwanini ilizwi likaThixo, lina babusi baseSodoma, lalalani umthetho kaNkulunkulu wethu,

lina bantu baseGomora! **11** “Ubunengi bemihlatshelo yenu buyini kimi?” kutsho uThixo. “Ngileminikelo yokutshiswa edlula efunekayo, eyenqama lamahwahwa ezifuyo ezinonisiweyo; igazi lenkunzi, lelamawundlu lelembuzi kalingithokozisi. **12** Lapho lisiza phambi kwami, ngubani othe linyathele amaguma ami na? **13** Yekelani ukuletha iminikelo eyize! Impepha yenu iyisinengiso kimi. Angingeke ngibezezelele imbuthano yenu yobubi, eyokuThwasa kweNyanga, amaSabatha lemihlangano. **14** Umphefumulo wami uyawazonda amadili enu okuthwasa kwezinyanga lemikhosi yenu emisiweyo. Sekube ngumthwalo kimi; sengikhathele ngokukuthwala. **15** Lapho lichaya izandla zenu likhuleka, ngizalifihlela amehlo ami; loba selikhuleka imikhuleko eminengi, angiyikulalela. Izandla zenu zigcwele igazi! **16** Gezani libe ngabahlambulukileyo. Susani izenzo zenu ezimbi phambi kobuso bami; yekelani ukwenza okubi. **17** Fundani ukwenza okulungileyo; funani ukwahlulela okuhle. Khuthazani abancindezelweyo. Vikelani izintandane; lamulelani umfelokazi. **18** Wozani, siqondisane sindawonye,” kutsho uThixo. “Lanxa izono zenu zibomvu gebhu, zizakuba mhlophe njengonqwaqwane, loba zibomvu njengegazi, zizakuba njengoboya bezimvu. **19** Nxa livuma njalo lilalela, lizakudla okuhle kwelizwe; **20** kodwa nxa linqaba, lihlamuka, lizadliwa yinkemba.” Ngoba umlomo kaThixo usukhulumile. **21** Khangelani ukuthi idolobho elithembekileyo seliphenduke laba yisifebe kanjani! Lake lagcwala ngokufaneleyo; ukulunga kwakuhlala kulo, kodwa khathesi sekuhlala

ababulali! **22** Isiliva senu sesingamanye, iwayini lenu elihle selihlanganiswe lamanzi. **23** Ababusi benu bangabahlamuki, abangane bamasela; bonke bathanda izivalamlomo, bafune izipho. Izintandane kabazivikeli; indaba yomfelokazi kayifiki kibo. **24** Ngakho ke iNkosi, uThixo uSomandla, uMnini mandla ka-Israyeli, uthi: “Yebo! Ngizabhodlisela ezitheni zami, ngibuye ngiphindisele kwabayizitha zami. **25** Ngizaphakamisela isandla sami kini; ngizawahlambulula ngokupheleleyo amanye enu, ngisuse lakho konke ukungcola kwenu. **26** Ngizabuyisa abehluleli benu njengezinsukwini zakudala, labeluleki benu njengasekuqaleni. Muva uzabizwa ngokuthi iDolobho Lokulunga, iDolobho Elithembekileyo.” **27** IZiyoni izahlengwa ngemfanelo, abaphendukayo bayo bahlangwe ngokulunga. **28** Kodwa abahlamuki lezoni bazachithwa, lalabo abalahla uThixo bazabhubha. **29** “Lizayangeka ngenxa yezihlahla zom’okhi ezingcwele elazithokozisa ngazo. Lizadana ngamasimu elawakhethayo. **30** Lizafana lom’okhi olamahlamvu asebuna, lanjengensimu engelamanzi. **31** Indoda elamandla izafana lencwathi, umsebenzi wayo ufane lenhlansi; kokubili kuzakutsha kanyekanye, kungekho ozacitsha umlilo.”

2 Lokhu yikho okwabonwa ngu-Isaya indodana ka-Amozi mayelana loJuda leJerusalema: **2** Ngezinsuku zokucina intaba yethempeli likaThixo izamiswa njengenhloko phakathi kwezintaba; izaphakanyiselwa phezu kwezintaba njalo izizwe zonke zizabekelela zisiya kuyo. **3** Abantu abanengi bazakuza bathi, “Wozani siye phezu

kwentaba kaThixo, siye ethempelini likaNkulunkulu kaJakhobe. Uzasifundisa izindlela zakhe, ukuze sihambe emikhondweni yakhe.” Umthetho uzavela eZiyoni, ilizwi likaThixo livele eJerusalema. **4** Uzakwahlulela phakathi kwezizwe, alamule ingxabano zabantu abanengi. Bazakhanda izinkemba zabo zibe yimihlathi yamakhuba, lemikhonto yabo ibe ngamahloka okuthena izihlahla. Isizwe asiyikuhlomela isizwe ngenkemba loba sifundele ukulwa impi futhi. **5** Woza, ndlu kaJakhobe, kasihambe ekukhanyeni kukaThixo. **6** Wena, Thixo, usubahlile abantu bakho, isizukulwane sikaJakhobe. Bagcwele ukholo oluyize lwaseMpumalanga benza lemisebenzi yobungoma njengamaFilisti, njalo babambana izandla labangakholwayo. **7** Ilizwe labo ligcwele isiliva legolide; inotho yabo ayilakuphela. Ilizwe labo ligcwele amabhiza; izinqola zabo zempi kazipheli. **8** Ilizwe labo ligcwele izithombe; bakhothamela umsebenzi wezandla zabo, lakulokho okwenziwa yiminwe yabo. **9** Ngakho abantu bazakwehliselwa phansi bonke bazehliswa ungabathetheleli. **10** Ngenani ezimbalwini zamatshe lasemhlabathini, licatshele ukwesabeka kukaThixo lenkazimulo yobukhosi bakhe! **11** Amehlo omuntu oziphakamisayo azathotshiswa, lokuziphakamisa kwabantu kwehliselwe phansi; uThixo kuphela nguye ozaphakanyiswa ngalolosuku. **12** UThixo uSomandla ulosuku alubekele bonke abazazigqajayo labazikhukhumezayo; lakho konke okuphakemeyo (kuzathotshiswa), **13** olwazo zonke izihlahla zemisedari zaseLebhanoni ezinde leziphakemeyo, lazozonke izihlahla

zom'Okhi zaseBhashani, **14** olwazo zonke izintaba ezindekazi lamaqaqa wonke aphakemeyo, **15** olwayo yonke imiphotshongo ephakemeyo layo yonke imiduli eyinqaba, **16** olwemikhumbi yonke yaseThashishi layo yonke imikolo emihle. **17** Ukuziphakamisa kwabantu kuzakwehliselwa phansi, ukuzazisa kwabantu kuthobekiswe; uThixo kuphela nguye ozadunyiswa ngalolosuku, **18** izithombe zizanyamalala zithi nya. **19** Abantu bazabalekela ezimbalwini zamatshe lasemilindini emhlabathini bebalekela ukwesabeka kukaThixo lenkazimulo yobukhosi bakhe lapho ephakama ukuba anyikinye umhlaba. **20** Ngalolosuku abantu bazazilahlela emvukuzaneni lakubomalulwane izithombe zabo zesiliva lezegolide abazenzela ukuba bazikhonze. **21** Bazabalekela ezimbalwini zamatshe lasezingoxweni zamawa bebalekela ukwesabeka kukaThixo lenkazimulo yobukhosi bakhe, lapho ephakama ukuba anyikinye umhlaba. **22** Yekelani ukwethemba umuntu olomphefumulo nje kuphela emakhaleni akhe. Ngoba uyini yena na?

3 Khangelani khathesi UThixo, uThixo uSomandla usezasusa eJerusalema lelizweni lakoJuda okufunekayo losizo: konke ukudla lamanzi, **2** iqhawe lebutho, umahluleli lomphrofethi, isangoma lomuntu omdala, **3** induna yebutho labangamatshumi amahlanu lamadoda ayizikhulu, umeluleki, ingcitshi yemisebenzi, lesanuse esihlakaniphileyo. **4** “Ngizakwenza abafana babeyizikhulu zabo; abantwana nje bazababusa.” **5** Abantu bazancindezelana, umuntu avukele umuntu, umakhelwane avukele umakhelwane. Abatsha bazavukela

abadala, abeyisekayo bavukele abahlonitshwa. **6** Indoda izabamba omunye wabafowabo emzini kayise ithi, “Ulesembatho, woba ngumkhokheli wethu, inqwaba yamanxiwa le izakuba ngaphansi kombuso wakho.” **7** Kodwa ngalolosuku uzakhala athi, “Angilamasiza. Endlini yami akulakudla loba izigqoko; ungangenzi umkhokheli wabantu.” **8** IJerusalema liyadiyazela, uJuda uyawa; amazwi abo lezenzo zabo kuphambene loThixo, kweyisa ubukhosi bakhe. **9** Ukukhangeleka kobuso babo kufakaza kubi ngabo; babukisa izono zabo njengeSodoma; kabazifihli. Maye kubo! Bazilethele incithakalo phezu kwabo. **10** Tshela abalungileyo ukuthi kuzakuba kuhle kubo, ngoba bazakholisa izithelo zezenzo zabo. **11** Maye kwababi! Incithakalo isiphezu kwabo! Bazaphindiselwa ngalokho izandla zabo ezikwenzileyo. **12** Abatsha bancindezela abantu bami, abesifazane bayababusa. Awu, bantu bami, abakhokheli benu bayaliduhisa; bayaliphambula endleleni. **13** UThixo uphakama ukuba afakaze indaba yakhe, uyasukuma ukuba ahlulele abantu. **14** UThixo uqalisa ukwahlulela abadala labakhokheli babantu esithi, “Yini elitshabalalise isivini sami; elikuthumbe kubayanga kusezindlini zenu. **15** Litshoni ngokuchoboza abantu bami langokuchola ubuso babayanga?” kutsho iNkosi, uThixo uSomandla. **16** UThixo uthi, “Abesifazane baseZiyoni bayaziphakamisa, bahamba belule izintamo, behuga ngamehlo abo, begwenxeka ngamanyathelo amancane, izigqizo zikhencezela enqaleni zabo. **17** Ngakho-ke uThixo uzakwenza amakhanda abesifazane baseZiyoni abe

lezilonda; uThixo uzakwenza isikhumba samakhanda abo siphuceke.” 18 Ngalolosuku uThixo uzahluthuna imiceciso yabo: amasongo, imincwazi, lemigaxo yentanyeni 19 amacici, izigqizo lezimbombozo, 20 amaqhiye, izigetsho lamabhanti; amambodlela amakha lezintebe, 21 indandatho ezilophawu lamasongo empumulo, 22 izembatho ezinhle lezingubo lezigqoko, izikhwama 23 lezibuko, lezigqoko zelineni, imiqhele lamaveli. 24 Endaweni yephunga elimnandi kuzakuba lomnuko omubi; endaweni yebhanti kuzakuba legoda, endaweni yenwele ezilungiswe kuhle kuzakuba lempabanga, endaweni yezigqoko ezinhle kuzakuba ngamasaka, endaweni yobuhle, kuzakuba lihlazo. 25 Amadoda akini azakuwa ngenkamba, kanjalo lamabutho akini empini. 26 Amasango aseZiyoni azakhala alile, kuthi yona ihlale phansi ichithekile.

4 Ngalolosuku abesifazane abayisikhombisa bazabamba indoda yinye bathi, “Sizakudla ukudla kwethu sigqoke izigqoko zethu; sivumele kuphela nje ukuba sibizwe ngebizo lakho. Susa ihlazo lethu.” 2 Ngalolosuku uGatsha lukaThixo luzakuba luhle lube yinkazimulo, lezithelo zelizwe zizakuba ligugu lenkazimulo kwabasindayo ko-Israyeli. 3 Labo abatshiywe eZiyoni, abasele eJerusalema, kuzathiwa bangcwele, labo bonke abalotshiweyo phakathi kwabaphilayo eJerusalema. 4 INkosi izagezisa ingcekeza yabesifazane baseZiyoni, izahlambulula amachatha egazi eJerusalema ngomoya wokwahlulela langomoya womlilo. 5 Lapho-ke, phezu kwayo yonke iNtaba iZiyoni langaphezulu kwabo bonke abahlangana khona,

uThixo uzakwenza iyezi lentuthu emini, lokukhanya kwamalangabi omlilo ebusuku; ngaphezu kwenkazimulo yonke kuzakuba lesivikelo esinjengophahla. **6** Sizakuba yisisitho lomthunzi wokuvika ukutshisa kwemini, isiphephelo lendawo yokucatshela isiphepho lezulu.

5 Ngizahlabelela lowo engimthandayo ingoma ngesivini sakhe: Othandwa yimi wayelesivini eqaqeni oluvundileyo. **2** Wasigebha, wasusa amatshe kuso, wahlanyela kuso amavini amahle. Wakha umphotshongo ophakemeyo phakathi kwaso njalo wagebha lesikhamelo sewayini kuso. Walindela izithelo ezinhle, kodwa amavini athela ezimbi kuphela. **3** “Manje-ke lina abahlala eJerusalema lani madoda akoJuda, yahlulelani phakathi kwami lesivini sami. **4** Kuyini okudlula lapho okwakumele kwenziwe esivinini sami engingakwenzanga kuso na? Lapho ngangilindele izithelo ezinhle kungani sona sathela ezimbi kuphela na? **5** Khathesi-ke sengizalitshela engizakwenza esivinini sami: Ngizasusa uthango lwaso; sizadilizwa. Ngizabhidliza umduli waso, sizagxotshwa ngezinyawo. **6** Ngizasenza sibe liganga kungabikho ukuthenwa kumbe ukuhlakulwa; inkotha lameva kuzakhula kuso. Ngizalaya amayezi anganisi zulu kuso.” **7** Isivini sikaThixo uSomandla yindlu ka-Israyeli; abantu bakoJuda bayinsimu eligugu kuye. Wayelindele okufaneleyo, kodwa wabona ukuchitheka kwegazi; endaweni yokulunga, wezwa ukukhala kosizi. **8** Maye kini elengeza izindlu ngezindlu lihlanganise insimu ensimini kuze kusweleke indawo eseleyo, njalo lihlala lodwa elizweni. **9** UThixo uSomandla usetshilo

ngisizwa wathi: “Ngeqiniso izindlu ezinengi zizakuba ngamanxiwa; ezinkulu ezinhle zisale zingaselamuntu ohlala kuzo. **10** Izindima ezilitshumi zesivini zizathela ifatshi elilodwa lewayini, ihomeri lenhlanyelo lithele ihefa lamabele.” **11** Maye kulabo abavuka ngovivi ekuseni begijimela ukunatha utshwala; abaqhubekayo kuze kube phakathi kobusuku baze badakwe butshwala. **12** Balamachacho lemihubhe emadilini abo, amagedla, imihlanga, lewayini, kodwa kabazinaki izenzo zikaThixo, akukho nhlonipho yomsebenzi wezandla zakhe. **13** Ngakho-ke abantu bami bazakuya ekuthunjweni ngenxa yokungazwisisi; izikhulu zabo zizabulawa yindlala lenengi labo lizakoma ngomhawu wamanzi. **14** Ngakho indawo yabafileyo izakwelula imihlathi yayo, ikhamise umlomo wayo okungelamkhawulo; izikhulu zabo lenengi labo bawele phakathi labo bonke abaxokozelayo labazithokozisayo. (Sheol h7585) **15** Abantu bazakwehliselwa phansi, abantu bazathobekiswa, amehlo abaziphakamisayo athotshiswe. **16** Kodwa uThixo uSomandla uzaphakanyiswa ngokwahlulela kwakhe okuhle; ubungcwele bukaNkulunkulu buzabonakala ngokulunga kwakhe. **17** Lapho-ke izimvu zizakudla angathi kusemadlelweni azo, amazinyane adle emanxiweni ezinothi. **18** Maye kulabo abahudula isono ngentambo zenkohliso lobubi kungathi kungamagoda enqola, **19** kulabo abathi, “UNkulunkulu kaphangise, kaphangisise umsebenzi wakhe ukuze siwubone. Kalisondele icebo loNgcwele ka-Israyeli kalize ukuze silazi.” **20** Maye kulabo abathi okubi kuhle bathi okuhle

kubi, ababeka umnyama esikhundleni sokukhanya; ukukhanya esikhundleni somnyama; ababeka okubabayo esikhundleni sokumnandi, okumnandi esikhundleni sokubabayo. **21** Maye kulabo abahlakaniphileyo emehlweni abo njalo besile ekuboneni kwabo. **22** Maye kulabo abangamaqhawe ekunatheni iwayini njalo bezintshantshu ekuhlanganiseni okunathwayo, **23** abakhulula abalamacala ngenxa yokufunjathiswa. Kodwa banqabele abamsulwa imfanelo yabo. **24** Ngakho-ke, njengalokhu umlilo utshisa inhlanga, utshani obomileyo buphelela phakathi kwamalangabi, ngokunjalo impande zabo zizabola. Lamaluba abo aphephuke njengothuli; ngoba bawalile umthetho kaThixo uSomandla balidelela ilizwi loNgcwele ka-Israyeli. **25** Ngakho ulaka lukaThixo luzavutha ebantwini bakhe; isandla sakhe siphakeme njalo uyabatshaya. Izintaba ziyanyikinyeka, izidumbu zabafuleyo zinjengezibi ezindleleni. Ikanti kukho konke lokhu ulaka lwakhe kaluphelanga, isandla sakhe silokhu siphakanyisiwe. **26** Uphakamisela izizwe ezikude uphawu, ubatshayela ikhwelo abasemaphethelweni omhlaba. Nampa besiza ngokuphangisa langejubane! **27** Kakho omunye wabo odinwayo loba okhubekayo, kakho owozelayo kumbe olalayo, akukho bhanti elixegiswayo ekhalweni, akukho ntambo yenyathelo equmekileyo. **28** Imitshoko yabo ibukhali, wonke amadandili abo agotshisiwe; amasondo amabhiza abo afana lelitshe elilukhuni, amavili ezinqola zabo zokulwa anjengesivunguzane. **29** Ukubhonga kwabo kufana lokwesilwane, babhonga njengezilwane ezikhulayo,

bayabhavuma lapho bebamba inyamazana edliwayo, babaleke layo kungekho ongabemuka. **30** Ngalolosuku bazabhavumela phezu kwayo njengokubhavuma kolwandle. Njalo nxa umuntu ekhangela ilizwe, uzabona umnyama losizi; lelanga lizakwenziwa libe mnyama ngamayezi.

6 Ngomnyaka inkosi u-Uziya eyafa ngawo, ngabona uThixo ehlezi esihlalweni sobukhosi esiphezulu esiphakemeyo, injobo yesembatho sakhe igcwele ithempeli. **2** Ngaphezu kwakhe kwakulamaserafimu, elinye lelinye lilempiko eziyisithupha. Ayegubuzele ubuso bawo ngezimpiko ezimbili, egubuzele inyawo zawo ngezimbili, ephapha ngezimbili. **3** Elinye lamemezela kwelinye lisithi: “Ungcwele, ungcwele, ungcwele uThixo uSomandla, umhlaba wonke ugcwele inkazimulo yakhe.” **4** Ekuzwakaleni kwamazwi awo imigubazi lombundu kwanyikinyeka, kwathi ithempeli lagcwala intuthu. **5** Mina ngakhala ngathi, “Maye mina! Sengibhujisiwe! Ngoba ngingumuntu olezindebe ezingcolileyo, njalo ngihlala phakathi kwabantu abalezindebe ezingcolileyo, lamehlo ami asebone iNkosi, uThixo uSomandla.” **6** Lapho-ke elinye lamaserafimu laphaphela kimi liphethe ilahle elivuthayo esandleni salo elalilithethe ngodlawu e-alithareni. **7** Lathinta umlomo wami ngalo lathi, “Khangela, lokhu sekuthinte izindebe zakho; icala lakho selisusiwe, njalo lesono sakho sesihlawulelwe.” **8** Ngasengisizwa ilizwi leNkosi lisithi, “Ngizathuma bani na? Ngubani na ozasihambela?” Mina ngathi, “Ngilapha. Ngithuma!” **9** Yasisithi, “Hamba uyetshela

abantu uthi: ‘Zwanini kokuphela, kodwa lingaqedisisi; libone kokuphela, kodwa lingabonisisi.’ **10** Yenza inhliziyo yalababantu ibe lukhuni; wenze indlebe zabo zibe buthundu, uvale amehlo abo. Hlezi babone ngamehlo abo, bezwe ngezindlebe zabo, baqedisise ngezinhliziyo zabo, baphenduke basiliswe.” **11** Ngasengisithi, “Koze kube nini, Nkosi?” Yona yaphendula yathi: “Amadolobho aze achitheke njalo kungaselabantu kuwo, izindlu zize zisale zingaselabantu, lamasimu ephundleke abhuquzeka, **12** uThixo aze axotshela umuntu wonke khatshana njalo ilizwe lidelwe ngokupheleleyo. **13** Lanxa ingxenye eyodwa etshumini isala elizweni izachithwa futhi. Kodwa njengezihlahla zetherebhinti lemi-okhi zitshiya izidindi lapho seziganyulwe, ngokunjalo inhlanyelo engcwele izakuba yisidindi elizweni.”

7 Kwathi u-Ahazi indodana kaJothamu, indodana ka-Uziya, eyinkosi yakoJuda, uRezini inkosi yase-Aramu loPhekha indodana kaRemaliya inkosi yako-Israyeli basuka bayahlasela iJerusalema, kodwa kabalinqobanga. **2** Indlu kaDavida yatshelwa kwathiwa, “I-Aramu isimanyene lo-Efrayimi,” inhliziyo ka-Ahazi lezabantu bakhe zanyikinyeka njengezihlahla zegusu zinyikinywa ngumoya. **3** UThixo wasesithi ku-Isaya, “Hamba wena lendodana yakho uSheyari-Jashubi ukuba lihlangabeze u-Ahazi ekucineni komgelo wamanzi oweChibi Elingaphezulu, emgwaqweni oya Ensimini Yomgezisi. **4** Lithi kuye, ‘Nanzelela, hlala ngokuthula, njalo ungesabi. Inhliziyo yakho kayingadeli ngenxa yolaka olwesabekayo lukaRezini lo-Aramu lolwendodana

kaRemaliya.” 5 U-Aramu lo-Efrayimi lendodana kaRemaliya sebecebe ukukutshabalalisa besithi, 6 “Kasihlaseleni ilizwe lakoJuda; kasilidabuleni phakathi silabelane, senze indodana kaThabheli ibe yinkosi yalo.” 7 Kodwa-ke lokhu yikho okutshiwo nguThixo Wobukhosi ukuthi: “Akuyikuphumelela, akuyikwenzakala, 8 ngoba inhloko ye-Aramu yiDamaseko, inhloko yeDamaseko nguRezini kuphela. Phakathi kweminyaka engamatshumi ayisithupha lanhlanu u-Efrayimi uzakuba esetshabalele engaseyiso sizwe. 9 Inhloko ka-Efrayimi yiSamariya, inhloko yeSamariya yindodana kaRemaliya kuphela. Nxa lingami liqine okholweni lweni alisoze livele lime.” 10 UThixo wakhuluma njalo ku-Ahazi wathi, 11 “Cela isibonakaliso kuThixo uNkulunkulu wakho, ingabe ekujuleni kwezulu loba phezulu engqongweni.” (Sheol h7585) 12 Kodwa u-Ahazi wathi, “Angiyikucela. Angiyikulinga uThixo.” 13 U-Isaya wasesithi, “Khathesi-ke zwana wena lendlu kaDavida. Akwenelanga na ukulinga ukubekezela kwabantu? Uzalinga lokubekezela kukaNkulunkulu wami njalo na? 14 Ngakho-ke iNkosi ngokwayo izanika isibonakaliso: Intombi egcweleyo izakhulelwa izale indodana bayibize ngokuthi ngu-Emanuweli. 15 Uzakudla amasi loluju lapho eselolwazi olwaneleyo ukuba ale okubi akhethe okulungileyo. 16 Kodwa-ke umfana engakazi okwaneleyo ukuba ale okubi akhethe okulungileyo, ilizwe lamakhosi amabili owesabayo lizachithwa. 17 UThixo uzakwehlisela phezu kwakho laphezu kwabantu bakho, laphezu kwendlu kayihlo, isikhathi esingafani lesinye kusukela u-Efrayimi ebhazuka kuJuda, uzaletsa

inkosi yase-Asiriya.” **18** Ngalelolanga uThixo uzatshaya ikhwelo ebiza impukane ezisekudabukeni kwezifula zaseGibhithe lezinyosi eziselizweni lase-Asiriya. **19** Zizakuza zonke zihlale ezingoxweni ezingamawa, ezimbalwini zamadwala, ezihlahleni zonke zameva kuwo wonke amagodi amanzi. **20** Ngalolosuku iNkosi izasebenzisa impuco ebolekwe enkosini yase-Asiriya ngaphetsheya koMfula iYufrathe ukuphuca ikhanda lakho loboya obusembaleni yakho, lokugunda indevu zakho lazo. **21** Ngalolosuku umuntu uzafuya ithokazi elilodwa lembuzi ezimbili. **22** Ngenxa yobunengi bochago oluzavela kuzo, uzakuba lamasazi azawadla. Bonke abazasala elizweni bazakudla amasi loluju. **23** Ngalolosuku, ezindaweni zonke lapho okwakulamavini ayinkulungwane alingana amashekeli esiliva ayinkulungwane, kuzakuba lokhula lameva kuphela. **24** Abantu bazakuya khona belamadandili lemitshoko ngoba ilizwe lizakuba seligcwele ukhula lameva. **25** Emaqeqeni wonke ake alinywa ngekhuba kawusayikuya khona ngenxa yokwesaba ukhula lameva, azakuba yindawo yokwelusela inkomo lamadlelo ezimvu.

8 UThixo wathi kimi, “Thatha isibhebhedu selitshe esikhulu ulobe kuso ngolimi olujwayelekileyo ukuthi: Maheri-Shalali-Hashi-Bhazi (okutsho ukuthi: abaphanga ukuhuquluza okuphangiweyo). **2** Ngizabiza u-Uriya umphristi loZakhariya indodana kaJebherekhiya njengabofakazi bami abathembekileyo.” **3** Ngemva kwalokho ngaya kumphrofethikazi, wathatha isisu, wazala indodana. UThixo wasesithi kimi, “Mbize ngokuthi nguMaheri-Shalali-Hashi-Bhazi. **4** Kuzakuthi

umfana engakakwazi ukuthi ‘Ubaba’ loba ‘Umama,’
inotho yaseDamaseko lempahla ethunjwe eSamariya
kuzathathwa yinkosi yase-Asiriya.” 5 UThixo wakhuluma
kimi futhi wathi: 6 “Ngenxa yokuthi abantu laba
sebewalile amanzi ageleza kuhle aseShilowa bethokozela
uRezini lendodana kaRemaliya, 7 ngakho-ke iNkosi
isiseduze ukubaethela izikhukhula zamanzi ezilamandla,
eziyinkosi yase-Asiriya lobukhosi bayo bonke, zivela
eYufrathe. Azachithekela ngaphandle kwayo yonke
imigelo yawo, ageleze phezu kwamakhumbi ayo wonke,
8 afohlele kojuda, agcwale kulo, adlule phakathi kwalo
efika entanyeni. Impiko zawo ezeluliweyo zizakwembesa
ububanzi belizwe lakho, Awu, Emanuweli!” 9 Hlabani
umkhosi wempi lina zizwe, lichithwe! Lalelani lonke lina
mazwe akude. Lungiselani impi, lichithwe! Lungiselani
impi lichithwe! 10 Lungisani icebo lenu, kodwa kalisoze
liphumelele: bumbani isu lenu, kodwa kaliyikuma,
ngoba uNkulunkulu ulathi. 11 UThixo wakhuluma kimi
isandla sakhe esilamandla siphezu kwami, engixwayisa
ukuba ngingalandeli indlela yalababantu. Wathi: 12
“Ungabokuthi kungamacebo amabi konke abantu laba
abathi kungamacebo amabi; ungakwesabi abakwesabayo
njalo ungakuqhuqi. 13 UThixo uSomandla nguye
okumele limazi engongcwele, nguye okumele limesabe,
nguye okumele limqhuqhe. 14 Uzakuba yisiphephelo;
kodwa kuzo zombili izindlu zako-Israyeli uzakuba
yilitshe elikhubekisa abantu ledwala elibenza bawe.
Ebantwini baseJerusalema uzakuba yisifu lomjibila. 15
Inengi labo lizakhubeka; bazakuwa bephuke, bazathiywa

bathunjwe.” **16** Bopha ubufakazi besixwayiso, uqinise umthetho phakathi kwabafundi bakaNkulunkulu. **17** Ngizamlindela uThixo, ofihlela indlu kaJakhobe ubuso bakhe. Ngizabeka ithemba lami kuye. **18** Mina ngilapha, kanye labantwana uThixo angiphe bona. Siyizibonakaliso lempawu ku-Israyeli ezivela kuThixo uSomandla, ohlala entabeni iZiyoni. **19** Nxa abantu bekutshela ukuthi buza abalamadlozi labalemimoya yobuthakathi, labanyenyezayo bengunguza, kambe abantu akumelanga babuzisise uNkulunkulu wabo na? Kungani abaphilayo libabuzela kwabafayo na? **20** Emthethweni lakubo ubufakazi! Nxa bengakhulumi ngokumayelana lelizwi leli, kabalakho ukukhanya kokusa. **21** Bazazula lelizwe behlulukelwe, belambile. Lapho sebephalwe yindlala, bazathukuthela, bathuke inkosi yabo loNkulunkulu wabo bekhangele phezulu. **22** Emva kwalokho bazakhangela emhlabeni babone usizi kuphela, lomnyama owesabekayo, njalo bazaphoselwa emnyameni opheleleyo.

9 Kodwa-ke akusayikuba khona ukudangala kulabo ababesosizini. Ensukwini ezedlulayo walithobisa ilizwe likaZebhuluni lelizwe likaNafithali. Kodwa ensukwini ezizayo uzayipha udumo iGalile yabezizweni, eNdleleni eya oLwandle elandela iJodani: **2** Abantu abahamba emnyameni sebone ukukhanya okukhulu; kulabo abahlala elizweni lethunzi lokufa ukukhanya sekukhanyisile. **3** Usikhulisile isizwe wandisa intokozo yabo, bayathokoza phambi kwakho njengabantu bethokoza ekuvuneni, njengempi ithokoza isaba impango. **4** Ngoba njengamhla wokwehlulwa kukaMidiyani

usulephule ijogwe elibasindayo, umgoqo onqume emahlombe abo, intonga yomncindezeli wabo. **5** Lonke inyathela lebuthe elisetshenziswe empini, kanye lazozonke izigqoko ezigiqwe egazini kuzakuya ekutshisweni; kuzakuba ngokokubasisa umlilo. **6** Ngoba sizalelwe umntwana, siphawe indodana, umbuso uzakuba phezu kwamahlombe akhe. Uzabizwa ngokuthi uMeluleki Omangalisayo, uNkulunkulu uSomandla, uBaba Waphakade, iNkosana yokuThula. **7** Ukwanda kombuso wakhe lokuthula akuyikuba lomkhawulo. Uzabusa esihlalweni sobukhosi sikaDavida laphezu kombuso wakhe, ewumisa njalo ewuqinisa ngokufaneleyo langokulunga, kusukela ngalesisikhathi kuze kube nini lanini. Ukutshiseka kukaThixo uSomandla kuzakufeza lokhu. **8** INkosi isithumele ilizwi lesixwayiso kuJakhobe lizakwehlela phezu kuka-Israyeli. **9** Abantu bonke bazakwazi u-Efrayimi labakhele eSamariya, abathi ngokuzigqaja langokuzikhukhumeza kwenhliziyo, **10** “Izitina sezidilikele phansi, kodwa sizakwakha njalo ngamatshe abaziweyo; imikhiwa isiganyulelwe phansi, kodwa sizafaka imisedari endaweni yayo.” **11** Kodwa uThixo usebaqinisele izitha zikaRezini, njalo usetshotshozele izitha zabo. **12** Ama-Aramu avela empumalanga lamaFilistiya avela entshonalanga asedle u-Israyeli ngomlomo ovulekileyo. Kodwa kukho konke lokhu, ukuthukuthela kwakhe akupheli, isandla sakhe silokhu siphakanyisiwe. **13** Kodwa abantu abakabuyeli kuye owabatshayayo. Loba badinge uThixo uSomandla. **14** Ngakho uThixo uzaquma ko-Israyeli ikhanda

lomsila, ugatsha lwelala lomhlanga ngasuku lunye; **15** abadala lezikhulu balikhanda, abaphrofethi abafundisa amanga bangumsila. **16** Labo abakhokhela abantu laba bayabalahlekisa, labo abakhokhelwayo bayedukiswa. **17** Ngakho iNkosi kayiyikuthokoza ngezinsizwa zabo, izintandane labafelokazi kayiyikuba lozwelo kubo, ngoba bonke bayameyisa uNkulunkulu, njalo babi; imilomo yonke ikhuluma amanyala. Kodwa kukho konke lokhu, ukuthukuthela kwayo akupheli, isandla sayo silokhu siphakanyisiwe. **18** Ngeqiniso ububi butshisa njengomlilo, budla ukhula lameva, buthungela izixuku zehlathi zivuthe amalangabi izikhatha zentuthu ziqonga zisiya phezulu. **19** Ngolaka lukaThixo uSomandla ilizwe lizatshiswa, abantu bazakuba zinkuni zomlilo, kakho ozaphephisa umfowabo. **20** Bazaqeda kwesokudla kodwa babe belokhu belambile; bazakudla kwesokhohlo, kodwa bangasuthi. Omunye lomunye uzakudla abantwabakhe: **21** UManase uzakudla u-Efrayimi, u-Efrayimi adle uManase; bobabili bazamelana loJuda. Kukho konke lokhu, ukuthukuthela kwakhe akupheli, isandla sakhe silokhu siphakanyisiwe.

10 Maye kulabo abenza imithetho emibi, lakulabo ababhala izimiso ezincindezelayo, **2** ukuba kwamukwe abayanga amalungelo abo lokugodla okufaneleyo kwabantu bami abancindezelweyo; bazingela abafelokazi baqhwege izintandane. **3** Lizakwenzani ngosuku lokuthonisiswa lapho incithakalo isiza ivela khatshana? Lizabalekela kubani ukuba lithole usizo na? Lizayitshiya ngaphi inotho yenu? **4** Akukho okuzasala, kodwa ukuba baquthe phakathi kwabathunjiweyo loba

14 Esikhundleni salokho, bona balandele ubulukhuni bezinhliziyi zabo; balandele oBhali, njengokufundiswa kwabo ngoyise.” **15** Ngakho-ke, uThixo uSomandla, uNkulunkulu ka-Israyeli uthi: “Khangelani, abantu laba ngizabadlisa ukudla okubabayo ngibanathise lamanzi alobuthi. **16** Ngizabahlakazela ezizweni bona kanye laboyise abangazange bazazi, njalo ngizabalandela ngenkomba ngize ngibaqede du.” **17** UThixo uSomandla uthi: “Cabangani khathesi! Bizani abesifazane abalilayo beze, libize labo abalobuciko obumangalisayo. **18** Kabeze ngokuphangisa, basesililela amehlo ethu aze ehlise inyembezi lempophoma zamanzi zigeleze, ziphuma enkopheni zethu.” **19** Ilizwi lokukhala liyezwakala livela eZiyoni: “Yeka kunganani ukuchithakala kwethu! Yeka ubukhulu behlazo lethu! Kumele sisuke elizweni lethu ngoba izindlu zethu zidiliziwe.” **20** Khathesi, lina abesifazane, zwanini ilizwi likaThixo, vulani indlebe zenu lizwe amazwi omlomo wakhe. Fundisani amadodakazi enu ukulila, lifundisane amazwi okukhala.

21 Ukufa kukhwele kwangena ngamafastela ethu, njalo kungenile lasezinqabeni zethu, sekususe abantwana emigwaqweni kanye lamajaha ezindaweni zikazulu.

22 Tshono uthi, uThixo uthi, “izidumbu zabafileyo zizalala njengezibi egangeni, njengamabele aqunywe ngemva kovunayo, okungekho ozawabutha.” **23** UThixo uthi: “Ohlakaniphileyo kangazincomi ngokuhlakanipha kwakhe, loba indoda elamandla izincome ngamandla ayo, loba indoda enothileyo izincome ngenotho yayo, **24** kodwa lowo ozincomayo, kazincome ngokuthi uyaqedisisa njalo uyangazi, ukuthi mina nginguThixo, osebenzisa umusa, imfanelo lokulunga emhlabeni, ngoba lezizinto ziyangithokozisa,” kutsho uThixo. **25** UThixo uthi, “Insuku zizeza, lapho engizabajezisa khona bonke abasoke enyameni kuphela, **26** iGibhithe, loJuda, lo-Edomi, lo-Amoni loMowabi labo bonke abahlala enkangala ezindaweni ezikhatshana. Ngoba izizwe zonke lezi kazisokanga, njalo lendlu yonke ka-Israyeli kayisokanga enhliziyweni.”

10 Zwana okutshiwo nguThixo kuwe, wena ndlu ka-Israyeli. **2** UThixo uthi: “Lingazifundi izindlela zezizwe kumbe ukwethuswa yizibonakaliso zasemkhathini, lanxa nje izizwe zisethuswa yizo. **3** Ngoba imikhuba yabantu iyize, bagamula isihlahla ehlathini, ingcwethi isibaze ngetshizela yayo. **4** Bayasicecisa ngesiliva langegolide, basibethele ngesando langezipikili ukuze singanyikinyeki. **5** Njengezinto zokwethusa endimeni yamajodo, izithombe zabo azikhulumi, kumele zithwalwe ngoba azingeke zihambe. Lingazesabi, azingeke zenze okubi, lokuhle

azingeke zikwenze.” **6** Kakho ofana lawe, wena Thixo, wena umkhulu, lebizu lakho lilamandla amakhulu. **7** Ngubani ongeke akwesabe, wena Nkosi yezizwe? Lokhu kukufanele. Phakathi kwabantu bonke abahlakaniphileyo bezizwe lakuyo yonke imibuso yabo, kakho onjengawe. **8** Bonke kabalangqondo njalo bayizithutha, bafundiswa yizithombe zezigodo eziyize. **9** Isiliva esikhandiweyo siyaletswa sivele eThashishi legolide livela e-Ufazi. Okwenziwe yingcwethi lomkhandi wegolide kugqokiswa okuluhlaza lokuyibubende, njalo konke kwenziwe zingcitshi. **10** Kodwa uThixo unguNkulunkulu oqotho, unguNkulunkulu ophilayo, iNkosi yanininini. Lapho ethukuthele, umhlaba uyagedezela, izizwe azingeke zimelane lolaka lwakhe. **11** “Batshele lokhu uthi, onkulunkulu laba, abangawenzanga amazulu lomhlaba, bazabhubha emhlabeni langaphansi kwamazulu.” **12** Kodwa uNkulunkulu wenza umhlaba ngamandla akhe, wamisa umhlaba ngokuhlakanipha kwakhe, njalo wendlala lamazulu ngokuqedisisa kwakhe. **13** Lapho evungama, amanzi asemazulwini ayahlokoma, wenza amayezi aphakame evela emikhawulweni yomhlaba. Uthumela umbane ulezulu njalo akhuphe umoya eziphaleni zakhe. **14** Abantu bonke kabalangqondo njalo kabalalwazi, wonke umkhandi wegolide uyangiswa yizithombe zakhe. Izithombe zakhe azenzayo ziyinkohliso, kazilamphefumulo phakathi kwazo. **15** Ziyize, izinto zenhlelisa nje, lapho ukwahlulelwa kwazo sekufikile, zizabhubha. **16** Lowo oyiNgxenye kaJakhobe kafani lalaba, ngoba unguMenzi wezinto zonke, kubalwa lo-Israyeli,

isizwe selifa lakhe, ibizo lakhe nguThixo uSomandla. **17** Qoqani impahla yenu ukuba lisuke elizweni, lina elihlezi livinjezelwe. **18** Ngoba uThixo uthi, “Ngalesisikhathi ngizabaphosela phandle labo abahlala kulelizwe, ngizabehlisela usizi ukuze bathunjwe.” **19** Maye mina ngenxa yokulimala kwami! Inxeba lami kalelapheki! Ikanti ngazitshela ngathi, “Lo ngumkhuhlane wami, njalo kumele ngiwubekezelele.” **20** Ithente lami lidiliziwe, izintambo zalo zonke ziqumekile. Amadodana ami asukile kimi njalo kawasekho, kakho oseleyo ukuba angimisele ithente lami, loba ongangilungisela amakhethehi ami. **21** Abelusi kabalangqondo njalo kabambuzi uThixo, ngakho kabaphumeleli, njalo lemihlambi yabo yonke ihlakazekile. **22** Lalelani! Umbiko uyeza, ukuxokozela okukhulu okuvela elizweni lenyakatho! Kuzakwenza amadolobho akoJuda achitheke, abe yizikhundla zamakhanka. **23** Ngiyazi, Oh Thixo, ukuthi ukuphila komuntu akusikho kwakhe, umuntu akusikho kwakhe ukuthi aqondise izinyathelo zakhe. **24** Ngiqondise Thixo, kodwa kube ngokulunga, kungabi ngolaka lwakho, hlezi ungenze ngibe yize. **25** Yehlisela ulaka lwakho phezu kwezizwe ezingakwamukeliyo, phezu kwabantu abangakhuleki ebizweni lakho. Ngoba bamdlile uJakhobe, bamdlile waphela bachitha lelizwe lakhe.

11 Leli yilizwi elafika kuJeremiya livela kuThixo lisithi: **2** “Zwana izimiso zesivumelwano lesi uzitshele abantu bakoJuda lalabo abahlala eJerusalema. **3** Batshele uthi uThixo, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: ‘Uqalekisiwe umuntu ongalandeli izimiso zesivumelwano lesi, **4**

izimiso engalaya ngazo okhokho benu ekubakhupheni kwami eGibhithe, esasiyisithando sokuncibilikisa insimbi.’ Ngathi, ‘Lalelani ilizwi lami lenze konke engililaya khona, lizakuba ngabantu bami, mina ngibe nguNkulunkulu wenu. **5** Lapho-ke ngizagcwalisa isifungo sami engasifunga kubokhokho benu, ukubanika ilizwe eligeleza uchago loluju,’ ilizwe elihlezi kulo khathesi.” Ngaphendula ngathi, “Akube njalo Thixo.” **6** UThixo wasesithi kimi, “Memezela wonke amazwi la emadolobheni akoJuda lasemigwaqweni yaseJerusalema uthi: ‘Zwanini izimiso zesivumelwano lesi lizilandele. **7** Kusukela ekukhupheni kwami okhokho benu eGibhithe kuze kube lamhla, ngabalaya njalonjalo ngisithi, “Lalelani ilizwi lami.” **8** Kodwa kabazange balalele kumbe banake; esikhundleni salokho, bona balandela inkani yezinhliziyi zabo ezimbi. Ngakho ngabehlisela zonke izithuko zesivumelwano engangibalaye ukuba basilandele kodwa kabaze basigcina.” **9** UThixo wasesithi kimi, “Kulokuhlama okukhona ebantwini bakoJuda lakulabo abahlala eJerusalema. **10** Sebebuyele ezonweni zabokhokho babo, abalayo ukulalela amazwi ami. Balandele abanye onkulunkulu ukuba babakhonze. Indlu ka-Israyeli lendlu kaJuda, zombili zisephule isivumelwano engasenza labokhokho bazo. **11** Ngakho nanku akutshoyo uThixo: ‘Ngizabehlisela umonakalo abangeke baphephe kuwo. Lanxa sebekhala kimi kangiyikubalalela. **12** Amadolobho akoJuda labantu baseJerusalema bazakuyakhala kubonkulunkulu ababatshisela impepha, kodwa kabasoze babasize ngalutho lapho uhlupho selubehlela. **13** Wena Juda ubunengi babonkulunkulu

bakho bunjengobamadolobho akho, njalo lama-alithare owakhele ukutshisela impepha kulowonkulunkulu olihlazo, uBhali, ubunengi bawo bunjengobemigwaqo yaseJerusalema.’ 14 Abantu laba ungabakhulekeli kumbe ubakhulumele loba ubacelele, ngoba angiyikulalela lapho bekhala kimi esikhathini sokuhlupheka kwabo. 15 Othandekayo wami wenzani ethempelini lami eceba amaqhinga amabi labanengi? Kambe inyama ebusisiweyo ingaphuthisa ukujeziswa kwakho na? Lapho uphatheka ngobubi bakho, uyajabula.” 16 UThixo wakubiza ngokuthi uyisihlahla se-oliva esihlumileyo esilezithelo ezinhle. Kodwa ngokuhlokoma kwesiphepho esikhulu uzasithungela ngomlilo, ingatsha zaso zephuke. 17 UThixo uSomandla, owakuhlanyelayo, usememezele umonakalo kuwe, ngoba indlu ka-Israyeli lendlu kaJuda zenze okubi zangithukuthelisa ngokutshisela uBhali impepha. 18 Ngenxa yokuthi uThixo waveza icebo labo kimi, ngalazi, ngoba ngalesosikhathi wangitshengisa ababekwenza. 19 Ngangifana lewundlu elithambileyo lisiwa ekuhlatshweni; ngangingazi ukuthi basebebumbe icebo ngami, besithi, “Kasiqumeni isihlahla kanye lezithelo zaso; kasimsuseni elizweni labaphilayo, ukuze ibizo lakhe lingakhunjulwa futhi.” 20 Kodwa, wena, Thixo Somandla, wena owahlulela ngokulunga njalo uhlola inhliziyo lengqondo, yenza ngibone ukuphindisela kwakho kubo, ngoba isisusa sami ngisinikela kuwe. 21 Ngakho-ke nanku okutshiwo nguThixo mayelana labantu base-Anathothi abafuna ukukubulala besithi, “Ungaphrofethi ngebizo likaThixo funa sikubulale” 22

ngakho uThixo uSomandla uthi: “Ngizabajezisa. Amajaha akibo azabulawa yinkemba, amadodana lamadodakazi abo abulawe yindlala. **23** Akuyikuba khona osalayo kubo, ngoba ngizaletha incithakalo ebantwini base-Anathothi ngomnyaka wokujeziswa kwabo.”

12 Wena ulungile izikhathi zonke, Oh Thixo, lapho ngiletha indaba kuwe. Ikanti ngingakhuluma lawe ngokulunga kwakho: Kungani indlela yababi iphumelela na? Kungani abangathembekanga behlezi kuhle na? **2** Ubahlanye, njalo sebemilile; bayakhula bathele izithelo. Bahlezi bekhuluma ngawe, kodwa ezinhliziyweni zabo ukhatshana. **3** Kodwa mina, Oh Thixo, uyangazi; uyangibona uhlole imicabango yami ngawe. Bahudule njengezimvu eziyahlatshwa! Bamisele usuku lokubulawa! **4** Koze kube nini ilizwe lomile lotshani iganga lonke bubunile? Ngenxa yokuthi labo abahlala kulo babi, izinyamazana lezinyoni sezibhubhile. Kanti futhi abantu bathi, “Kasoze akubone okwenzakala kithi.” **5** “Nxa ugijime labantu ngezinyawo bakudinisa, ungancintisana njani lamabhiza na? Nxa ukhubeka elizweni elingelangozi, pho uzakwanelisa njani ezixukwini zaseJodani na? **6** Abafowenu, abendlu yakwenu labo futhi bakunikele; baklabalale batsho okubi ngawe. Ungabathembi, lanxa bekhuluma kuhle ngawe. **7** Indlu yami ngizayitshiya, ngilidele ilifa lami; lowo engimthandayo ngizamnikela ezandleni zezitha zakhe. **8** Ilifa lami kimi selibe njengesilwane ehlathini. Liyangihwabhela; ngakho ngiyalizonda. **9** Ilifa lami kimi kaselibe njengeniyoni emabalabala edla inyama ehanqwa ngezinye izinyoni

ezidla inyama, ziyihlasela na? Hamba uyebutha zonke izinyamazana zeganga; uzilethe ukuba zidle. **10** Abelusi abanengi bazasichitha isivini sami bagandele insimu yami; bazaguqula insimu yami enhle ibe lugwadule oluphundlekileyo. **11** Izakwenziwa ugwadule, yome iphundlekile phambi kwami; ilizwe lonke lizachitheka ngoba kakho olinakayo. **12** Emiqolweni yonke engelalutho enkangala abachithi bazaphithizela, ngoba inkemba kaThixo izakudla kusukela komunye umkhawulo welizwe kusiya komunye; kakho ozavikeleka. **13** Bazahlanyela ingqoloyi kodwa bavune ameva; bazazidinisa kodwa bangazuzi lutho. Ngakho wobani lenhloni ngesivuno senu ngenxa yolaka olwesabekayo lukaThixo.” **14** UThixo uthi: “Bonke omakhelwane bami ababi abathumba ilifa engalinika abantu bami bako-Israyeli, ngizabasusa emazweni abo ngisuse lendlu kaJuda phakathi kwabo. **15** Kodwa emva kokubasusa kwami, ngizaphinda ngibe lesihawu ngibuyisele omunye lomunye wabo endaweni eyilifa lakhe elizweni lakhe. **16** Bangazifunda kuhle izindlela zabantu bami njalo bafunge ngebizo lami besithi, ‘Ngeqiniso elinjengoba uThixo ephila’ lanxa nje bake bafundisa abantu bami ukufunga ngoBhali, bazahlaliswa phakathi kwabantu bami. **17** Kodwa nxa isizwe singalaleli, ngizasisusa ngokupheleleyo ngisibhubhise,” kutsho uThixo.

13 UThixo wathi kimi: “Hamba uyethenga ibhanti lelineni ubophe ukhalo lwakho ngalo, kodwa lingathinti amanzi.” **2** Ngakho ngathenga ibhanti, njengokulaya kukaThixo, ngabopha ukhalo lwami ngalo. **3** Ilizwi

likaThixo labuya lafika kimi ngokwesibili lathi: **4** “Thatha ibhanti olithengileyo obophe ngalo ukhalo lwakho, uye eYufrathe, khathesi nje ulifihle khona eminkenkeni yamatshe.” **5** Ngakho ngahamba ngayalifihla eYufrathe, njengokutsho kukaThixo kimi. **6** Sekudlule insuku ezinengi uThixo wathi kimi, “Hamba khathesi eYufrathe uyethatha ibhanti engathi lifihle khona.” **7** Ngakho ngaya eYufrathe ngegebha lapho engangifihle khona ibhanti, kodwa laselonakele impela lingaselasizo. **8** Lapho-ke kwafika ilizwi likaThixo kimi lisithi: **9** “UThixo uthi: ‘Ngendlela efanayo ngizakuchitha ukuzigqaja kukaJuda lokuzigqaja okukhulu kweJerusalema. **10** Lababantu abangalunganga, abalayo ukulalela amazwi ami, abalandela ubulakhuni bezinhliziyi zabo badinge abanye onkulunkulu ukuba babasebenzele njalo babakhonze, bazakuba njengebhanti leli, bengelasizo loluncane! **11** Ngoba njengebhanti libopha ukhalo lomuntu, ngayibophela kanjalo kimi yonke indlu ka-Israyeli layo yonke indlu kaJuda, kutsho uThixo, ukuba babengabantu bami ngenxa yodumo lwami, ukubongwa lokudunyiswa. Kodwa kabalalelanga.” **12** “Batshele uthi, ‘UThixo, uNkulunkulu ka-Israyeli uthi, zonke izikhumba zewayini kumele zigcwaliswe ngewayini.’ Bona bangathi kuwe, ‘Kanti thina kasikwazi yini ukuthi izikhumba zonke kumele zigcwaliswe ngewayini?’ **13** wena uthi kubo, ‘UThixo uthi: Ngizabenza badakwe bonke abahlala kulelizwe, kanye lamakhosi ahlala esihlalweni sobukhosi sikaDavida, abaphristi, abaphrofethi labo bonke abahlala eJerusalema. **14** Ngizabamahlaza omunye

komunye, oyise lamadodana ngokufananayo, kutsho uThixo. Angiyikuvumela isihawu loba umusa kumbe uzwelo ukuba kungivimbele ukubabhubhisa.” **15** Zwanini lilalele, lingazigqaji, ngoba uThixo usekhulumile. **16** Dumisani uThixo uNkulunkulu wenu engakaletshi ubumnyama, inyawo zenu zingakakhubeki emaqaqeni asesembeswa yibumnyama. Lilindele ukukhanya, kodwa yena uzakwenza kube yibumnyama, akuphendule kube yibumnyama obesabekayo. **17** Kodwa nxa lingalaleli, ngizakhalela ensitha ngenxa yokuzigqaja kwenu; amehlo ami azalila kabuhlungu, ageleze inyembezi, ngoba umhlambi kaThixo uzathunjwa. **18** Tshono enkosini lasendlovukazini uthi, “Yehlani ezihlalweni zenu zobukhosi lize phansi, ngoba imiqhele yenu emihle kakhulu izakuwa emakhanda enu.” **19** Amadolobho aseNegebi azavalwa, njalo akuyikuba khona ozawavula. UJuda wonke uzathathwa asiwe ekuthunjweni, uzasiwa ekuthunjweni ngokupheleleyo. **20** Phakamisani amehlo enu libone labo abavela enyakatho. Ungaphi umhlambi ababewugcinisiwe, izimvu elalizazisa ngazo na? **21** Lizakuthini lapho uThixo esebabeka phezu kwenu labo elabenza babangabangane benu abaqakathekileyo na? Kaliyikubanjwa yibuhlungu obufana lobowesifazane ehelelwa na? **22** Njalo nxa uzibuza usithi, “Kungani lokhu kwenzakele kimi na?” Kungenxa yezono zakho ezinengi ukuthi izidwaba zakho zidatshulwe lomzimba wakho waphathwa kubi. **23** UmTopiya angaliguqula yini ijwabu lakhe loba ingwe iguqule amabala ayo na? Lani lingeke lenze okuhle lina selajwayela ukwenza okubi. **24**

“Ngizalihlakaza njengamakhoba ephetshulwa ngumoya wasenkangala. **25** Lokhu yikho okungokwenu, isabelo engilimisele sona,” kutsho uThixo, “ngoba lingikhohliwe lathemba onkulunkulu bamanga. **26** Ngizaphekulela izidwaba zakho ebusweni bakho ukuba kubonakale ihlazo lakho, **27** ubufebe bakho lokububuliswa yisigwebo, ukufebe kwakho ungelanhloni! Ngizibonile izenzo zakho ezenyanyekayo phezu kwamaqaqa lasegangeni. Maye kuwe, wena Jerusalema! Koze kube nini unghambulukanga na?”

14 Leli yilizwi likaThixo elafika kuJeremiya mayelana lokoma elizweni lisithi: **2** “UJuda uyalila, amadolobho akhe ayahlupheka; alilela ilizwe, njalo isililo siyaqonga sivela eJerusalema. **3** Izikhulu zithuma izinceku zazo ukuyafuna amanzi; ziya emithonjeni kodwa zifice amanzi engekho. Ziyabuyela lemigqomo yazo ingelalutho; zithithibele njalo zidanile, zemboze amakhanda azo. **4** Umhlabathi uqhekezekile ngoba akulazulu elizweni; abalimi bathithibele njalo bemboze amakhanda abo. **5** Lenyamazana ensikazi egangeni iyabalekela inkonyane layo elizelweyo ngoba akulatshani. **6** Obabhemi beganga bema emiqolweni elugwadule bakhefuzele njengamakhanka; amehlo abo asefiphele ngenxa yokuswela amadlelo.” **7** Lanxa izono zethu zifakaza kubi ngathi, Oh Thixo, ake wenze okunye ngenxa yebizo lakho. Ngoba ukuhlelela kwethu emuva kunengi; sonile kuwe. **8** Oh Themba lika-Israyeli, uMhlengi wakhe ezikhathini zokuhlupheka, kungani usiba njengowezizweni elizweni, njengesihambi esihlala ubusuku obubodwa kuphela? **9**

Kungani usiba njengomuntu ojunyiweyo, lanjengebutho elingelamandla okusiza na? Ukhona phakathi kwethu, wena Thixo, njalo sibizwa ngebizo lakho; ungasilahli! **10** Nanku okutshiwo nguThixo ngalababantu: “Bayakuthanda kakhulu ukuntula; kabazibambi inyawo zabo. Ngakho uThixo kayikubamukela; khathesi uzakhumbula ububi babo abajezisele izono zabo.” **11** UThixo wasesithi kimi, “Ungakhulekeli inhlalakahle yabantu laba. **12** Lanxa bezila ukudla, ukukhala kwabo angiyikukulalela; loba benikela iminikelo yokutshiswa kanye leminikelo yamabele, angiyikuyamukela. Esikhundleni salokho, ngizabaqeda du ngenkemba, ngendlala langezifo.” **13** Kodwa mina ngathi, “Awu Thixo Wobukhosi, abaphrofethi bahlezi bebatshela besithi, ‘Kaliyikubona inkemba loba libulawe yindlala. Impela, ngizalipha ukuthula okungapheliyo kule indawo.” **14** UThixo wasesithi kimi, “Abaphrofethi baphrofetha amanga ngebizo lami. Angibathumanga njalo angibakhethanga kumbe ngikhulume labo. Baphrofetha imibono yamanga kini, ukuhlahlula, ukukhonza izithombe lenkohliso yezingqondo zabo. **15** Ngakho-ke, nanku okutshiwo nguThixo ngabaphrofethi abaphrofetha ngebizo lami ukuthi: Kangizange ngibathume, kodwa bona bathi, ‘Akulankemba kumbe indlala ezathinta ilizwe leli.’ Bona labo abaphrofethi bazabhujiswa ngenkemba langendlala. **16** Abantu abaphrofetha kubo bazaphoselwa phandle emigwaqweni yaseJerusalema ngenxa yendlala lenkemba. Akulamuntu ozabangcwaba kumbe omkabo, amadodana abo loba amadodakazi abo. Ngizabehlisela ingozi ebafaneleyo. **17** Khuluma ilizwi leli kubo uthi:

‘Amehlo ami kawehlise inyembezi ebusuku lemini zingomi; ngoba indodakazi yami egcweleyo, labantu bami balimele kakhulu, balinyazwe yikutshaywa okwesabekayo. **18** Nxa ngingena elizweni, ngibona labo ababulawa ngenkamba; nxa ngingena edolobheni ngibona umonakalo owenziwa yindlala. Bobabili umphrofethi lomphristi sebeye elizweni abangalaziyo.” **19** UJuda usumlahle kokuphela na? IZiyoni uyaleyisa na? Usitshayeleni kangaka size singelapheki na? Sasilindele ukuthula kodwa akulabuhle obaba khona, isikhathi sokwelatshwa kodwa kulokwesaba kuphela. **20** Awu Thixo, siyakuvuma ukona kwethu kanye lokona kwabokhokho bethu; impela sonile kuwe. **21** Ngenxa yebizo lakho ungasenyanyi; ungasigconi isihlalo sakho sobukhosi esihle kakhulu. Khumbula isivumelwano sakho lathi ungasephuli. **22** Zikhona yini izithombe eziyize zezizwe ezinganisa izulu na? Imikhathi yona ngokwayo iyalinisa izulu na? Hatshi, nguwe, Thixo Nkulunkulu wethu. Ngakho ithemba lethu likuwe, ngoba nguwe owenza konke lokhu.

15 UThixo wasesithi kimi, “Lanxa uMosi loSamuyeli bengema phambi kwami, inhliziyo yami ingeke iphendukele kulababantu. Basuse phambi kwami! Kabahambe! **2** Bangakubuza bathi, ‘Sizakuya ngaphi na?’ uthi kubo, uThixo uthi: ‘Abamiselwe ukufa, baya ekufeni; abenkamba, enkembeni; abendlala, endlaleni; abokuthunjwa, ekuthunjweni.’ **3** Ngizabathumela imihlobo emine yabachithi,” kutsho uThixo, “inkamba yokubulala lezinja zokuhudulela khatshana njalo lezinyoni zasemoyeni kanye lezinyamazana zeganga ukuba zidle

zibhuqe. **4** Ngizabenza banengeke emibusweni yonke yasemhlabeni ngenxa yalokho okwenziwa eJerusalema nguManase indodana kaHezekhiya inkosi yakoJuda. **5** Ngubani ozakuba lesihawu kuwe wena Jerusalema? Ngubani ozakukhalela na? Ngubani ozakuma abuze ukuthi unjani na? **6** Ungalile,” kutsho uThixo. “Uqhubeka uhlehlela emuva. Ngakho ngizabeka izandla phezu kwakho ngikuchithe; ngingeke ngibe lesihawu futhi. **7** Ngizabahlungula ngefologwe yokwela emasangweni amadolobho elizwe. Ngizaletha ukufelwa lokuchitheka ebantwini bami, ngoba kabaguqulanga izindlela zabo. **8** Ngizakwenza abafelokazi babo bande kakhulu kuletshebetshebe lasolwandle. Emini ngizakwehlisela umbulali phezu kwabonina bamajaha akibo; khonokho ngizabehlisela usizi lokwesaba. **9** Unina wabayisikhombisa uzaqaleka aphefumule okokucina. Ilanga lakhe lizatshona kusesemini; uzayangiswa njalo eyiswe. Izinsalela ngizaziqeda ngenkemba phambi kwezitha zazo,” kutsho uThixo. **10** Maye, wena mama, ngokuthi wangizala, mina muntu ilizwe lonke elibangisana laye njalo liphikisana laye! Kangikaze ngebolekise loba ngeboleke, kodwa bonke bayangithuka. **11** UThixo wathi, “Ngeqiniso ngizakukhulula ngenjongo enhle; ngeqiniso ngizakwenza izitha zakho zikuncenge ezikhathini zomonakalo lezokuhlupheka. **12** Umuntu angayiqamula insimbi, insimbi evela enyakatho kumbe ithusi na? **13** Inotho yakho lamatshe akho aligugu ngizakwenza kube yimpango, yamahala, ngenxa yezono zakho kulolonke ilizwe lakini. **14** Ngizakwenza ube

yisigqili sezitha zakho elizweni ongalaziyo, ngoba ulaka lwami luzabhebha umlilo ozakutshisa.” **15** Uyazwisisa wena Thixo; ngikhumbula ungikhathalele. Ungiphindiselele kwabangihluphayo. Uyabekezela, ungangigudluli; khumbula ukuthi ngithukwa njani ngenxa yakho. **16** Ekufikeni kwamazwi akho, ngawadla; ayeyintokozo yami lenjabulo yenhliziyo yami, ngoba mina ngibizwa ngebizo lakho, wena Thixo Nkulunkulu Somandla. **17** Kangizange ngihlale enhlanganisweni yabazithokozisayo, kumbe ngijabule labo; ngahlala ngedwa ngoba isandla sakho sasiphezu kwami njalo wawungenze ngagcwala intukuthelo. **18** Kungani ubuhlungu engibuzwayo bungapheli lenxeba lami lilibi kakhulu njalo lingelapheki na? Kimi uzakuba njengesifula esikhohlisayo, lanjengomthombo ongelamanzi na? **19** Ngakho uThixo uthi: “Ungaphenduka, ngizakubuyisela ukuze ungikhonze; nxa ukhuluma amazwi afaneleyo, hatshi angasizi lutho, uzakuba yisikhulumeli sami. Abantu laba kabaphendukele kuwe, kodwa wena akumelanga uphendukele kubo. **20** Ngizakwenza ube ngumduli kulababantu, umduli ovikelweyo wethusi; bazakulwa lawe kodwa kabayikukwehlula, ngoba mina ngilawe ukuba ngikuhlenge ngikusize,” kutsho uThixo. **21** “Ngizakuhlenga ezandleni zababi ngikukhulule ezandleni zabalesihluku.”

16 Ilizwi likaThixo lafika kimi futhi lisithi: **2** “Ungathathi mfazi ube lamadodana loba amadodakazi kule indawo.” **3** Ngoba mayelana lamadodana lamadodakazi azalelwe kulelilizwe kanye labesifazane abangonina lamadoda

angoyise uThixo uthi: **4** “Bazakufa bebulawa yimikhuhlane eyesabekayo. Kabayikukhalelwa loba bangcwatshwe, kodwa bazakuba njengezibi emhlabathini. Bazabhubha ngenkemba langendlala, njalo izidumbu zabo zizakuba yikudla kwezinyoni zasemoyeni lezinyamazana zeganga.”

5 Ngoba nanku akutshoyo uThixo: “Ungangeni endlini elokudla kwesililo; ungayilila kumbe utshengisele uzwelo, ngoba isibusiso sami, lothando lwami kanye lesihawu sami, sengikususile kulababantu,” kutsho uThixo. **6** “Bonke abaphakemeyo labantukazana bazakufa kulelilizwe. Kabayikungcwatshwa kumbe bakhalelwe, njalo kakho ozazisika kumbe aphuce ikhanda lakhe ngenxa yabo. **7** Kakho ozabanika ukudla ukuba abaduduze labo abalilela ofileyo, loba kunguyise kumbe unina, kakho lozabanika amanzi ukuba abaduduze. **8** Njalo ungangeni endlini eledili ukuba uhlale phansi udle unathe. **9** Ngoba uThixo uSomandla, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Phambi kobuso bakho njalo ensukwini zakho ngizawuqeda umsindo wentokozo lokuthaba kanye lamazwi abalobokazi labayeni kule indawo. **10** Lapho abantu laba ubatshela konke lokhu besebekubuza besithi, ‘Kungani uThixo esemise ukusehlisela inkemenkeme engaka na? Senze bubi bani na? Sono bani esisenze kuThixo uNkulunkulu wethu?’ **11** wena wothi kubo, ‘Kungenxa yokuthi okhokho benu bangifulathela,’ kutsho uThixo, ‘njalo balandela abanye onkulunkulu babasebenzela, babakhonza. Bangifulathela njalo kabayigcinanga imithetho yami. **12** Kodwa lina selenze okubi kakhulu kulabokhokho benu. Khangelani ukuthi lowo lalowo wenu uyilandela njani inkani

yenhliziy o yakhe embi esikhundleni sokuthi angilalele. **13** Ngakho ngizalilahlela ngaphandle kwalelizwe elizweni lina loba oyihlo abangazange balazi, lapho elizakhonza khona abanye onkulunkulu emini lebusuku, ngoba angiyikuba lomusa kini.” **14** UThixo uthi, “Kodwa insuku zizeza lapho abantu bengayikuthi, ‘Ngeqiniso elinjengokuthi uThixo ukhona, yena owakhupha abako-Israyeli eGibhithe,’ **15** kodwa bazakuthi, ‘Ngeqiniso elinjengokuthi uThixo ukhona, yena owakhupha abako-Israyeli elizweni lasenyakatho lakuwo wonke amazwe ayebaxotshele kuwo.’ Ngoba ngizababuyisela elizweni engalinika okhokho babo.” **16** UThixo uthi, “Kodwa khathesi ngizathumela abagoli benhlanzi abanengi, bazababamba. Emva kwalokho ngizathumela abazingeli abanengi, bazabazingela ezintabeni zonke lasemaqaqeni wonke njalo lasezingoxweni zamadwala. **17** Amehlo ami akuzo zonke izindlela zabo; kabafihlakalanga kimi, lesono sabo kasiwacatshelanga amehlo ami. **18** Ngizaphindisela ngokuphindiweyo ububi babo lesono sabo, ngoba bangcolise ilizwe lami ngezinto ezingaphiliyo zezifanekiso zabo ezingamanyala, bagcwalisa lelifa lami ngezithombe zabo ezinengekayo.” **19** Awu Thixo, mandla ami lenqaba yami, siphephelo sami ngesikhathi sokuhlupheka, izizwe zizakuza kuwe zivela emikhawulweni yomhlaba zithi, “Okhokho babengelalutho kodwa onkulunkulu bamanga, izithombe eziyize ezingabasizanga ngalutho. **20** Kambe abantu bayazenzela onkulunkulu babo na? Ye, kodwa kayisibo onkulunkulu!” **21** “Ngakho ngizabafundisa,

khathesi ngizabafundisa amandla ami lobukhulu bami.
Lapho-ke bazakwazi ukuthi ibizo lami nguThixo.”

17 “Isono sikaJuda sidwetshe ngensimbi, sabhalwa ngomcijo wedayimani ezicecedwini zenhliziyo zabo lasempondweni zama-alithare abo. **2** Labantwababo bayawakhumbula ama-alithare abo lezinsika zika-Ashera phansi kwezihlahla eziluhlaza laphezu kwamaqaqa aphakemeyo. **3** Intaba yami eselizweni lenotho yenu kanye lemfuyo yenu yonke ngizakunikela kube yimpango, ndawonye lezindawo zenu eziphakemeyo, ngenxa yokona kulolonke ilizwe lenu. **4** Ngenxa yezici zenu lizalahlekelwa yilifa engalinika lona. Ngizalenza libe yizigqili zezitha zenu elizweni elingalaziyo, ngoba livuse ulaka lwami, njalo luzavutha kuze kube nininini.” **5** UThixo uthi: “Uqalekisiwe lowo othemba umuntu, othembe ukuthi amandla akhe asenyameni, onhliziyo yakhe ihlamukela uThixo. **6** Uzakuba njengesihlahlanyana enkangala; ukuphumelela kayikukubona ekufikeni kwakho. Uzahlala ezindaweni ezomileyo enkangala, elizweni letswayi elingahlali muntu. **7** Kodwa ubusisiwe umuntu othemba uThixo, othemba lakhe likuye. **8** Uzakuba njengesihlahla esihlanyelwe eduze lamanzi esinabisela impande zaso esifuleni. Kasesabi lapho ukutshisa kufika; amahlamvu aso ahlala eluhlaza. Kasikhathazeki ngomnyaka wokoma; kasiphuthi ukuthela izithelo.” **9** Inhliziyo iyakhohlisa okudlula izinto zonke njalo imbi kakhulu. Ngubani ongayizwisisa na? **10** “Mina Thixo ngiyayihlola inhliziyo ngihlole lengqondo, ukuba umuntu ngimnike okufanele ukwenza kwakhe

mayelana lalokho okufanele izenzo zakhe.” **11** Umuntu ozuza inotho ngezindlela ezimbi unjengesikhwehle esichamisela amaqanda esingawaqandelanga. Lapho ingxenye yokuphila kwakhe isidlule, izaphela, kuthi ekucineni abonakale eyisithutha. **12** Isihlalo sobukhosi, esikhazimulayo esaphakanyiswayo kusukela ekuqaleni, siyindawo yethu yokuphephela. **13** Awu Thixo, themba lika-Israyeli, bonke abakudelayo bazayangiswa. Labo abakuhlamukelayo bazabhalwa othulini ngoba bedele uThixo, umthombo wamanzi okuphila. **14** Ngisilisa, Thixo, njalo ngizasiliswa; ungikhulule, ngizakhululeka, ngoba nguwe engimdumisayo. **15** Bahlala besithi kimi, “Lingaphi ilizwi likaThixo na? Kaligcwaliseke khathesi!” **16** Angibalekanga ekubeni ngumelusi wenu; liyakwazi ukuthi angilufisanga usuku lokuphela ithemba. Okudlula endebeni zami kusobala kini. **17** Ungabi ngowesabekayo kimi; uyisiphephelo sami ngosuku lokuhlupheka. **18** Abangihluphayo kabayangiswe, kodwa mina ungivikele ehlazweni; kababe lokwesaba, kodwa mina ungivikele ekwesabeni. Balethele usuku lobubi. Ubabhubhise ngokuqothula okuphindiweyo. **19** UThixo wathi kimi: “Hamba uyekuma esangweni labantu, amakhosi akoJuda angena ngalo njalo aphume ngalo; ume futhi lakuwo wonke amanye amasango aseJerusalema. **20** Uthi kubo, ‘Zwanini ilizwi likaThixo, lina makhosi akoJuda labo bonke abantu abahlala koJuda kanye labantu bonke abahlala eJerusalema abangena ngala amasango. **21** UThixo uthi: Qaphelani lingathwali mthwalo ngosuku lweSabatha loba liwungenise ngamasango aseJerusalema.

22 Lingaphumisi mthwalo ezindlini zenu kumbe lenze loba yiwuphi umsebenzi ngosuku lweSabatha, kodwa ligcine iSabatha lingcwele, njengokulaya kwami okhokho benu. **23** Kodwa kabalalelanga loba banake; izintamo zabo zazilukhuni njalo kabalalelanga kumbe bamukele ukulaywa. **24** UThixo uthi: Kodwa nxa liqaphele ukungilalela, lingangenisi mthwalo ngamasango edolobho leli ngeSabatha, kodwa ligcina usuku lweSabatha lungcwele ngokungenzi msebenzi ngalo, **25** lapho-ke amakhosi ahlezi esihlalweni sobukhosi sikaDavida azangena lezikhulu zawo ngamasango edolobho leli. Wona lezikhulu zawo bazafika begade izinqola zempi lamabhiza, belabantu bakoJuda lalabo abahlala eJerusalema; bahlale kulo idolobho kuze kube nininini. **26** Abantu bazakuza bevela emadolobheni akoJuda lasemizini egqagqele iJerusalema, bevela elizweni lakoBhenjamini lasezintatshaneni zangasentshonalanga, bevela elizweni lamaqaqa laseNegebi, beletha iminikelo yokutshiswa lemihlatshelo, iminikelo yamabele, impepha kanye leminikelo yokubonga endlini kaThixo. **27** Kodwa nxa lingangilaleli ekuthini ligcine usuku lweSabatha lungcwele ngokungathwali mthwalo lapho lingena ngamasango aseJerusalema ngosuku lweSabatha, lapho-ke ngizaphemba umlilo ongacitshekiyo emasangweni eJerusalema ozaqothula izinqaba zalo.”

18 Leli yilizwi elafika kuJeremiya livela kuThixo lisithi: **2** “Suka wehlele endlini yombumbi, lapho engizakutshelela khona ilizwi lami.” **3** Ngakho ngehlela endlini yombumbi, ngambona esebenza ngevili. **4**

Kodwa imbiza ayeyibumba ngebumba yonakala ezandleni zakhe; ngakho umbumbi wayenza yaba ngenye imbiza, ngendlela ayibona ingcono kuye. **5** Ilizwi likaThixo laselifika kimi lisithi; **6** “Wena ndlu ka-Israyeli, ngingeze ngenza kuwe njengokwenziwa ngumbumbi lo na?” kutsho uThixo. “Njengebumba esandleni sombumbi lawe unjalo esandleni sami, wena ndlu ka-Israyeli. **7** Nxa ngimemezela langasiphi isikhathi ukuthi isizwe loba umbuso uzasuswa udilizwe, uchithwe, **8** kuthi isizwe leso engisixwayisileyo siphenduke eubini baso, ngizaxola ngingabe ngisasehlisela ebesengimise ukusehlisela khona. **9** Njalo nxa ngesinye isikhathi ngimemezela ukuthi isizwe kumbe umbuso ngizawakha ngiwumise, **10** ube ususenza ububi emehlweni ami njalo ungangilaleli, ngizacabanga kutsha ngokuhle ebesengicebe ukukwenzela khona. **11** Ngakho khathesi tshela abantu bakoJuda lalabo abahlala eJerusalema uthi, ‘Nanku okutshiwo nguThixo: Khangelani! Ngilungisela ukulehlisela umonakalo njalo ngibumba lecebo ngani. Ngakho phendukani ezindleleni zenu ezimbi, omunye lomunye wenu, lilungise izindlela zenu lezenzo zenu.’ **12** Kodwa bazaphendula bathi, ‘Akusizi lutho. Sizaqhubeka ngamacebo ethu; lowo lalowo wethu uzalandela ubulukhuni benhliziyo yakhe embi.’” **13** Ngakho uThixo uthi: “Buzani phakathi kwezizwe ukuthi: Ngubani owake wezwa okunjengalokhu na? Kwenziwe into eyesabekayo kakhulu, yenziwe yintombi egcweleyo u-Israyeli. **14** Ungqwaqwane waseLebhanoni uyake unyamalale emithezukweni yayo elamatshe na? Amanzi akhona aqandayo avela kude

ayake eme ukugeleza na? **15** Kodwa abantu bami sebengikhohliwe; batshisela izithombe eziyize impepha, ezabenza bakhubeka ezindleleni zabo lasemikhondweni yasendulo. Zabenza bahamba ngezindledlana zeganga lasemigwaqweni engalungiswanga. **16** Ilizwe labo lizatshabalaliswa, into yokuhlekwa usulu; bonke abadlula khona bazakwethuka banyikinye amakhanda abo. **17** Njengomoya ovela empumalanga, ngizabahlakaza phambi kwezitha zabo; ngizabafulathela ngibancitshe ubuso bami ngosuku lokuhlupheka kwabo.” **18** Bona bathi, “Wozani sicebe amacebo amabi ngoJeremiya; ngoba ukufundisa kwabaphristi umthetho akusoze kuphuthe, kumbe ukweluleka kwezihlakaniphi, loba ilizwi elivela kubaphrofethi. Ngakho wozani, simhlasele ngemilomo yethu singananzi lutho alutshoyo.” **19** Ake ungizwe, awu Thixo; ulalele okutshiwo yizitha zami! **20** Okuhle kuphindiselwa ngokubi na? Ikanti sebengimbele igodi. Khumbula ukuba ngema phambi kwakho ngabakhulumela ukuba ususe ulaka lwakho kubo. **21** Ngakho-ke abantwababo banikele endlaleni; ubaqhubele emandleni enkemba. Abafazi babo kabangabi labantwana njalo babe ngabafelokazi; amadoda abo kawabulawe, amajaha akhona abulawe ngenkemba empini. **22** Kakuzwakale ukukhala ezindlini zabo, lapho usulethe abahlaseli ukuba babajume, ngoba sebegebhe igodi ukuba bangithumbe njalo bathiya inyawo zami ngemijibila. **23** Kodwa uyawazi, wena Thixo, wonke amaqhinga abo okungibulala. Ungabathetheleli amacala abo loba ucitshe izono zabo phambi kobuso bakho.

Kabachithwe phambi kwakho; bahlasele ngesikhathi sokuthukuthela kwakho.

19 Lokhu yikho akutshoyo uThixo: “Hamba uyethenga udiwo kumbumbi wezimbiza. Thatha abanye abadala babantu labanye babaphristi **2** uhambe labo esigodini seBheni-Hinomu, eduze lentuba yeSango loDengezi. Umemezele amazwi engikutshela wona, **3** uthi, ‘Zwanini ilizwi likaThixo, lina makhosi akoJuda lani bantu abahlala eJerusalema. UThixo uSomandla, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Lalelani! Ngizaletha umonakalo kule indawo ozabanda indlebe zomuntu wonke owuzwayo. **4** Ngoba bangidelile kwathi indawo le bayenza eyabonkulunkulu bezizweni; kuyo batshisele imihlatshelo onkulunkulu abangabaziyo, bona labokhokho babo kanye lamakhosi akoJuda, njalo indawo le sebayigcwalisa igazi labantu abangelacala. **5** Sebakhele uBhali izindawo eziphakemeyo ukuba batshise amadodana abo emlilweni njengeminikelo yokutshiswa kuBhali, into engingazange ngibalaye kumbe ngitsho ukuthi bayenze, kumbe ukuthi ike ifike engqondweni yami. **6** Ngakho qaphelani, insuku ziyeza, kutsho uThixo, lapho abantu bengayikubiza indawo le ngokuthi Thofethi loba iSigodi seBheni-Hinomu kodwa iSigodi sokuBulala. **7** Kuyonale indawo ngizawachitha amacebo kaJuda laweJerusalema. Ngizabenza bafe ngenkamba phambi kwezitha zabo, lasezandleni zalabo abafuna ukubabulala, njalo ngizanikela izidumbu zabo ukuba zibe yikudla kwezinyoni zasemoyeni lezinyamazana zeganga. **8** Idolobho leli ngizalichitha ngilenze libe yinto yokwesatshwa lenhlelekisa; bonke abadlula khona

bazathuthumela njalo baklolode ngenxa yamanxeba alo wonke. **9** Ngizabenza badle inyama yamadodana abo leyamadodakazi abo, njalo labo bazadlana inyama ngesikhathi esinzima sokuvinjezelwa kwabo yizitha ezifuna ukubabulala.’ **10** Emva kwalokho bulala udiwo labo abahamba lawe bekhangele, **11** ubususithi kubo, ‘UTHixo uSomandla uthi: Ngizasiphahlaza isizwe lesi kanye ledolobho leli njengokuphahlazwa kodiwo lombumbi lolu olungeke lulungiswe futhi. Abafuleyo bazabangcwaba eThofethi kuze kusweleke indawo. **12** Lokhu yikho engizakwenza kule indawo lakulabo abahlala lapha, kutsho uThixo. Idolobho leli ngizalenza lifanane leThofethi. **13** Izindlu zaseJerusalema kanye lezamazakosi akoJuda zizangcoliswa njengale indawo, iThofethi, zonke izindlu lapho abazatshisela khona impepha phezu kwezimpahla kuwo wonke amaxuku ezinkanyezi, bathelela abanye onkulunkulu umnikelo wokunathwayo.”’ **14** UJeremiya wabuya evela eThofethi, lapho uThixo ayemthume ukuyaphrofetha khona, wasesima egumeni lethempeli likaThixo wathi ebantwini bonke, **15** “UTHixo uSomandla, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: ‘Lalelani! Ngizakwehlisela kulelidolobho lasemizini elizungezileyo wonke umonakalo engawutshoyo, ngoba izintamo zabo zilukhuni njalo bayala ukulalela amazwi ami.”’

20 Kwathi uPhashuri umphristi indodana ka-Imeri, induna enkulu ethempelini likaThixo, ezwe uJeremiya ephrofetha lezizinto, **2** wenza ukuthi uJeremiya umphrofethi atshaywe njalo wamvalela esitokisini eSangweni laPhezulu koBhenjamini ethempelini

likaThixo. **3** Ngosuku olwalandelayo, uPhashuri esemkhupha esitokisini, uJeremiya wathi kuye, “Ibizo lakho oliphiwe nguThixo akusiPhashuri, kodwa uMagori-Misabibi, **4** ngoba uThixo uthi: ‘Ngizakwenza ubelucuku ngokwakho lakubo bonke abangane bakho; uzababona ngamehlo akho besiwa ngenkemba yezitha zabo. UJuda wonke ngizamnikela enkosini yaseBhabhiloni, ezabathumba ibase eBhabhiloni loba ibabulale ngenkemba. **5** Yonke inotho yedolobho leli ngizayipha izitha zabo lazozonke izithelo zalo, zonke izinto zalo eziligugu kanye lemfuyo yonke yamakhosi akoJuda zizayithumba njengempango ziyithwalele eBhabhiloni. **6** Wena Phashuri, labo bonke abahlala endlini yakho lizathunjwa liye eBhabhiloni. Uzafela khonale, ungcwatshwe khonale, wena kanye labangane bakho bonke ophrofetha amanga kubo.” **7** Awu Thixo, wangiyenga, ngayengeka; wangehlula wanqoba. Ngiyahlekwa insuku zonke; bonke bayangiklolodela. **8** Zonke izikhathi lapho ngikhuluma, ngiyakhala ngimemezela ukuba kube lodlakela lokuchitheka. Ngakho ilizwi likaThixo selingilethele isithuko lensolo ilanga lonke. **9** Kodwa nxa ngisithi, “Kangiyikumqamba loba ngikhulume ngebizo lakhe futhi,” ilizwi lakhe lisenhliziyweni yami njengomlilo, umlilo ovaletwe emathanjeni ami. Sengidiniwe ngokuligodla ngaphakathi; impela, ngingeke nganelise. **10** Ngizwa abanengi benyenyeza besithi, “Kulokuthuthumela indawo yonke! Mmangaleleni! Kasimangalele!” Abangane bami bonke balindele ukuwa kwami, besithi, “Mhlawumbe

uzakhohliseka; besesimehlula siphindisele kuye.” **11** Kodwa uThixo ulami njengebutho elilamandla; ngakho abangihluphayo bazakuwa banganoqobi. Bazakwehluleka njalo bayangeke kakhulu; ihlazo labo kaliyikukhohlakala lanini. **12** Awu Thixo Somandla, wena ohlola abalungileyo, uhlole inhliziyo lengqondo, kangibone ukuphindisela kwakho kubo, ngoba indaba yami ngiyinikele kuwe. **13** Hlabelani uThixo! Limdumise uThixo! Uhlenga impilo yabaswelayo ezandleni zababi. **14** Kaluqalekiswe usuku engazalwa ngalo! Usuku umama angizala ngalo kalungabusiwa! **15** Kaqalekiswe umuntu owayabikela ubaba izindaba, owamemeza wathaba, esithi, “Uzalelwe indodana!” **16** Lowomuntu kabe njengamadolobho uThixo awachitha kungekho sihawu. Kezwe ukulila ekuseni, lomkhosi wempi emini. **17** Ngoba kangibulalelanga esiswini, umama enjengengcwaba lami, isisu sakhe sikhukhumele kokuphela. **18** Ngaphumelani esiswini ukuba ngibone uhlupho losizi njalo akuthi ngiphethe insuku zami ngiphakathi kwehlazo?

21 Ilizwi lafika kuJeremiya livela kuThixo lapho uZedekhiya inkosi wayethume kuye uPhashuri indodana kaMalikhija lomphristi uZefaniya indodana kaMaseya. Bathi: **2** “Ake usibuzele kuThixo khathesi nje, ngoba uNebhukhadineza inkosi yaseBhabhiloni uyasihlasela. Mhlawumbe uThixo angasenzela izimanga njengasezikhathini ezedlulayo ukuze asuke kithi.” **3** Kodwa uJeremiya wathi kubo, “Tshelani uZedekhiya lithi: **4** ‘UThixo, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Sekuseduze ukuthi ngiziphendulele kuwe izikhali zempi ezisezandleni

zakho, ozisebenzisayo ekulweni lenkosi yaseBhabhiloni lamaKhaladiya angaphandle komduli ekuvimbezele. Njalo ngizawaqoqa phakathi kwalelidolobho. **5** Mina uqobo ngizakulwa lawe ngesandla eseluliweyo langengalo elamandla ngentukuthelo langokufuthelana kanye lolaka olukhulu. **6** Ngizabats haya abahlala kulelidolobho, abantu lezifuyo njalo bazabulawa yisifo esesabekayo. **7** Emva kwalokho, kutsho uThixo, uZedekhiya inkosi yakoJuda, lezikhulu zakhe kanye labantu bakulelidolobho abaphepha emkhuhlaneni, enkembeni lasendlaleni, ngizabanikela kuNebhukhadineza inkosi yaseBhabhiloni lasezitheni zabo ezifuna ukubabulala. Uzababulala ngenkemba; kayikuba lomusa kumbe uzwelo loba isihawu.’ **8** Phezu kwalokho, abantu batshele uthi, ‘UThixo uthi: Khangelani, ngiyalimisela phambi kwenu indlela yokuphila lendlela yokufa. **9** Loba ngubani osala kulelidolobho uzabulawa ngenkemba, yindlala loba ngumkhuhlane. Kodwa loba ngubani ophumayo kulo ayezinkela kumaKhaladiya alivimbezeleyo uzasila, aphunyuke lokuphila kwakhe. **10** Sengiqonde ukwenza okubi kulelidolobho hatshi okuhle, kutsho uThixo. Lizanikelwa ezandleni zenkosi yaseBhabhiloni, ezalitshabalalisa ngomlilo.’ **11** Phezu kwalokho, wothi endlini yenkosi yakoJuda, ‘Zwanini ilizwi likaThixo; **12** lina abendlu kaDavida, uThixo uthi: Yenzani ukulunga insuku zonke ekuseni; mhlengeni esandleni somncindezeli wakhe lowo ophangiweyo, hlezi ulaka lwami luqubuke, lutshise njengomlilo ngenxa yobubi elibenzileyo, lutshise engekho ongalucitsha. **13** Ngimelane lawe, Jerusalema, wena ohlala

ngaphezu kwalesisigodi, emagcekeni alamadwala, kutsho uThixo, lina elithi, “Ngubani ongazasihlasela na? Ngubani ongangena esiphephelweni sethu na?” **14** Ngizalijezisa njengokufanele izono zenu, kutsho uThixo. Ngizaphemba umlilo emahlathini enu ozalobisa konke okuseduze lani.”

22 Nanku akutshoyo uThixo: “Hamba wehlele endlini yenkosi yakoJuda umemezele khona ilizwi leli uthi, **2** ‘Zwana ilizwi likaThixo, we nkosi yakoJuda, wena ohlala esihlalweni sobukhosi sikaDavida, wena lezikhulu zakho kanye labantu bakho abangena ngamasango la. **3** UThixo uthi: Yenzani okulungileyo lokuqondileyo. Mhlenge esandleni somncindezeli wakhe lowo ophangiweyo. Lingenzi okubi loba udlakela kowezizweni, intandane loba umfelokazi, njalo lingachithi igazi elingelacala kule indawo. **4** Ngoba nxa linanzelela ukulandela imilayo le, amakhosi ahlala esihlalweni sobukhosi sikaDavida azangena ngamasango ale indawo, egade izinqola zempi lamabhiza, elezikhulu zawo kanye labantu bawo. **5** Kodwa nxa imilayo le lingayilaleli, kutsho uThixo, ngifunga ngami ukuthi indawo le izakuba lunxiwa.” **6** Ngoba mayelana lendawo yenkosi yakoJuda uThixo uthi: “Lanxa unjengeGilyadi kimi, lanjengengqongo yeLebhanoni, ngeqiniso ngizakwenza ufane lenkangala, lanjengamadolobho angahlali muntu. **7** Ngizakuthumela abachithi, indoda nganye ilezikhali zayo, njalo bazaquma imijabo yenu emihle yemisedari bayiphosele emlilweni. **8** Abantu abavela ezizweni ezinengi bazadlula kulelidolobho babuzane besithi, ‘Kungani uThixo enze into enje kulelidolobho elikhulu na?’ **9** Impendulo izakuthi: ‘Ngoba

basidelile isivumelwano sikaThixo uNkulunkulu wabo bakhonza abanye onkulunkulu njalo babasebenzela.” **10** Lingayikhaleli inkosi efileyo loba lililele ukulilahlekela kwayo; kodwa, khalelani kakhulu othunjiweyo, ngoba kasayikubuya njalo loba abone ilizwe lakibo futhi. **11** Ngoba mayelana loShalumi indodana kaJosiya, owangena esikhundleni sikayise esiba yinkosi yakoJuda kodwa osesukile kule indawo: UThixo uthi, “Kasoze abuye futhi. **12** Uzafela kuleyondawo asiwa kuyo ethunjiwe; ilizwe leli kasoze alibone futhi.” **13** “Maye kuye owakha indlu yakhe yobukhosi ngokungalungi, lezindlu zakhe zangaphezulu ngokungafanelanga, esenza abantu bakibo basebenzele ize, engabahlisi lutho ngokusebenza kwabo. **14** Uthi, ‘Ngizazakhela indlu enkulu yobukhosi elezitezi ezibanzi.’ Ngakho uyenza ibe lamawindi amakhulu, ayinameke ngemisidari, ayicombe ngokubomvu. **15** Ukuba lemisedari eminenginengi kukwenza ube yinkosi na? Uyihlo kazange abe lokudla lokunathwayo na? Wenza okuqondileyo lokulungileyo, ngakho konke kwamlungela. **16** Wavikela amalungelo abayanga labaswelayo, ngakho konke kwamlungela. Lokho akusikho okutsho ukungazi na?” kutsho uThixo. **17** “Kodwa amehlo akho lenhliziyo yakho kukhangele inzuzo yenkohliso, lokuchitha igazi elingelacala, ukuncindezela kanye lodlakela.” **18** Ngakho mayelana loJehoyakhimi indodana kaJosiya, inkosi yakoJuda, uThixo uthi: “Kabayikumkhalela besithi: ‘Maye ngomfowethu! Maye ngodadewethu!’ Kabayikumkhalela besithi: ‘Maye ngenkosi yami! Maye ngobuhle bayo obukhulu!’ **19** Uzangcwatshwa njengobabhemi, ahudulwe

aphoselwe ngaphandle kwamasango aseJerusalema.” **20**
“Qansa uye eLebhanoni umemeze, wenze ilizwi lakho
lizwakale eBhashani; memeza use-Abharimi, ngoba
bonke abamanyane lawe banqotshiwe. **21** Ngakuxwayisa
uzibona uvikelekile, kodwa wena wathi, ‘Angiyikulalela!’
Le ibe iyindlela yakho kusukela ebutsheni bakho;
kawungilalelanga. **22** Umoya uzabaxotshela khatshana
bonke abelusi bakho, labamanyene lawe bazathunjwa.
Lapho-ke uzayangeka ube lenhloni ngenxa yobubi bakho
bonke. **23** Lina abahlala ‘eLebhanoni,’ eligcineke kuhle
ezindlini zemisedari, lizabubula kakhulu lapho inhlungu
zilehlela, ubuhlungu obunjengowesifazane ehelelwa!”
24 UThixo uthi, “Ngeqiniso njengoba ngikhona, lanxa
ngabe wena, Jehoyakhini ndodana kaJehoyakhimi inkosi
yakoJuda, wawuyindandatho ebukekayo esandleni sami
sokunene, ngangizakukhupha. **25** Ngizakunikela kulabo
abafuna ukukubulala, labo obesabayo, uNebhukhadineza
inkosi yaseBhabhiloni lakumaKhaladiya. **26** Wena
kanye lonyoko owakuzalayo ngizaliphosela kwelinye
ilizwe, lapho elingazalelwanga khona, lapho elizafela
khona lobabili. **27** Kaliyikuphinda libuye elizweni
elifisa ukuza kulo.” **28** Umuntu lo, uJehoyakhini,
uyimbiza efileyo, edelelwayo, into engafunwa muntu na?
Kungani yena labantwabakhe bezaphoselwa ngaphandle,
balahlelwe elizweni abangalaziyo na? **29** Wena lizwe,
lizwe, lizwe, zwana ilizwi likaThixo! **30** UThixo uthi:
“Bhalani umuntu lo njengongelabantwana, umuntu
ongayikuphumelela empilweni yakhe, ngoba kakho

owenzalo yakhe ozaphumelela, kakho ozahlala esihlalweni sobukhosi sikaDavida loba abuse futhi koJuda.”

23 “Maye kubelusi abachitha izimvu zedlelo lami njalo bezihlakaza!” kutsho uThixo. **2** Ngakho uThixo, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi kubelusi abelusa abantu bami: “Ngenxa yokuthi lina lihlakaze umhlambi wami lawuxotshela khatshana kalaze lawunaka, ngizakwehlisela isijeziso phezu kwenu ngenxa yobubi elibenzileyo,” kutsho uThixo. **3** “Mina ngokwami ngizabutha insalela zezimvu zami emazweni wonke engangizixotshela kuwo ngizibuyisele edlelweni lazo, lapho ezizazalana khona zande. **4** Ngizazilethela abelusi abazazelusa, njalo kazisayikwesaba loba zithuthumele, loba enye yazo ilahleke,” kutsho uThixo. **5** UThixo uthi, “Ziyeza insuku, lapho uDavida ngizamvusele uGatsha olulungileyo, iNkosi ezabusa ngokuhlakanipha, yenze okulungileyo, lokufaneleyo elizweni. **6** Ensukwini zayo uJuda uzasindiswa, lo-Israyeli ahlale evikelekile. Ibizo azabizwa ngalo yileli elithi: UThixo Oyikulunga Kwethu.” **7** UThixo uthi, “Ngakho-ke, insuku ziyeza, lapho abantu bengasayikuthi, ‘Ngeqiniso elinjengoba uThixo ekhona, yena owakhupha u-Israyeli eGibhithe,’ **8** kodwa bazakuthi, ‘Ngeqiniso elinjengoba uThixo ekhona, yena owakhipha izizukulwane zika-Israyeli elizweni elisenyakatho lakuwo wonke amazwe abaxotshela kuwo.’ Lapho-ke bazahlala elizweni labo.” **9** Mayelana labaphrofethi: Inhliziyo yami idabukile ngaphakathi kwami; wonke amathambo ami ayaqhaqhazela. Ngifana lomuntu odakiweyo, lanjengomuntu owehlulwa liwayini,

ngenxa kaThixo lamazwi akhe angcwele. **10** Ilizwe leli ligcwele izifebe; ngenxa yesiqalekiso ilizwe lomile lamadlelo enkangala abunile. Abaphrofethi balandela indlela embi, basebenzisa amandla abo ngokungalungi. **11** “Umprofethi lomphristi kabakholwa kunkulunkulu; lasethempelini lami ngiyabufumana ububi babo,” kutsho uThixo. **12** “Ngakho indlela yabo izatshelela; bazaxotshelwa emnyameni njalo lapho bazakuwa. Ngizabehlisela umonakalo ngomnyaka wokujeziswa kwabo,” kutsho uThixo. **13** “Phakathi kwabaphrofethi baseSamariya ngabona into eyenyanyekayo: Baphrofetha ngoBhali njalo baholela abantu bami ekulahlekeni. **14** Lakubaphrofethi baseJerusalema sengibone into eyesabekayo: Bayafeba baphile ngamanga. Baqinisa izandla zabenza okubi, ukuba kungabikhona oququka eubini bakhe. Kimi bonke banjengeSodoma; abantu baseJerusalema banjengeGomora.” **15** Ngakho, mayelana labaphrofethi uThixo uSomandla uthi: “Ngizabenza badle ukudla okubabayo, banathe lamanzi aletshefu, ngoba kusukela kubaphrofethi baseJerusalema ukungakholwa kuNkulunkulu sekugcwele ilizwe lonke.” **16** UThixo uSomandla uthi: “Lingalaleli okuphrofethwa ngabaphrofethi kini; balenza lithembe amanga. Bakhuluma imibono evela ezingqondweni zabo, engaveli emlonyeni kaThixo. **17** Bahlala besithi kulabo abangidelelayo, ‘UThixo uthi: Lizakuba lokuthula.’ Lakubo bonke abalandela inkani yezinhliziyi zabo bathi, ‘Akulabubi obuzalehlela.’ **18** Kodwa nguphi wabo owake wema emhlanganweni kaThixo ukuba abone kumbe ezwe

ilizwi lakhe na? Ngubani olilaleleyo walizwa ilizwi lakhe?
19 Khangelani, isiphepho sikaThixo sizaphutsha silulaka, isavunguzane esibhoda ngolaka phezu kwamakhanda ababi. **20** Ulaka lukaThixo kaluyikuphela aze azifeze ngokupheleleyo injongo zenhliziyo yakhe. Ensukwini ezizayo lizakuzwisisa kuhle lokhu. **21** Abaphrofethi laba angibathumanga; kodwa bagijima lemibiko yabo; kangizange ngikhulume labo, kodwa sebeprofethile. **22** Kodwa aluba babekhona emhlanganweni wami, ngabe bamemezela amazwi ami ebantwini bami njalo ngabe babaphendula ezindleleni zabo ezimbi lasezenzweni zabo ezimbi.” **23** UThixo uthi, “NginguNkulunkulu oseduze kuphela, uNkulunkulu ongekho khatshana na? **24** Umuntu angacatsha endaweni efihlakeleyo ukuba ngingamboni na?” kutsho uThixo. “Angithi ngigcwele ezulwini lasemhlabeni na?” kutsho uThixo. **25** “Ngikuzwile okutshiwo ngabaphrofethi abaphrofetha amanga ngebizo lami. Bathi, ‘Ngiphuphile! Ngiphuphile!’ **26** Koze kube nini lokhu kuqhubeka ezinhliziyweni zalaba abaphrofethi abalamanga na? **27** Bacabanga ukuthi amaphupho abawatshelanayo azakwenza abantu bami bakhohlwe ibizo lami, njengabokhokho babo abakhohlwa ibizo lami ngenxa yokukhonza uBhali. **28** Akuthi umprofethi ophupha iphupho kalitsho, kodwa lowo olelizwi lami kalikhulume ngobuqotho, ngoba amakhoba angenzani lamabele na?” kutsho uThixo. **29** “Ilizwi lami kalinjengomlilo,” kutsho uThixo, “lanjengesando esidabula idwala libe yizicucu na?” **30** UThixo uthi, “Ngakho, ngimelana labaphrofethi

abantshontsha kwabanye amazwi okuthiwa avela kimi.

39 Khangelani izandla zami lezinyawo zami. Yimi mina ngokwami! Ngithintani libone; ithonga kalilanyama lamathambo njengoba libona ukuthi mina ngilakho.” 40 Esetshilo lokhu wabatshengisa izandla lezinyawo zakhe. 41 Kwathi belokhu bengakholwa ngenxa yokuthaba lokumangala wababuza wathi, “Lilakho okokudla lapha na?” 42 Bamupha iqatha lenhlanzi exatshiweyo, 43 wayithatha wayidla phambi kwabo. 44 Wathi kubo, “Lokhu yikho engalitshela khona ngiseselani ukuthi: Konke kumele kugcwaliseke okwalotshwa ngami eMthethweni kaMosi labaPhrofethi lamaHubo.” 45 Wasebavula ingqondo zabo ukuze bakwazi ukuzwisisa imibhalo. 46 Wabatshela wathi, “Nanku okulotshiweyo: UKhristu uzahlupheka aphinde avuke kwabafuleyo ngosuku lwesithathu, 47 njalo ukuphenduka lokuthethelelwa kwezono kuzatshunyayelwa ebizweni lakhe ezizweni zonke, kuqala eJerusalema. 48 Lingofakazi balezizinto. 49 Ngizalithumezela lokho uBaba akuthembisileyo; kodwa libohlala edolobheni lize liphiwe amandla avela phezulu.” 50 Kwathi esebakhokhele waya labo eduze leBhethani waphakamisa izandla zakhe wababusisa. 51 Uthe elokhu esababusisa, wabatshiya, wenyukiselwa ezulwini. 52 Basebemkhonza, babuyela eJerusalema bethokoza kakhulu. 53 Bahlala kokuphela ethempelini bedumisa uNkulunkulu.

UJohane

1 Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayeloNkulunkulu, njalo uLizwi wayenguNkulunkulu. **2** WayeloNkulunkulu ekuqaleni. **3** Izinto zonke zenziwa ngaye; ngaphandle kwakhe kube akukho okwenziwayo. **4** Kwakukhona ukuphila kuye, lokho kuphila kwakuyikukhanya kwabantu. **5** Ukukhanya kukhanya emnyameni, kodwa umnyama awukakuzwisi. **6** Kwafika umuntu ethunywe nguNkulunkulu, ibizo lakhe wayenguJohane. **7** Weza njengomfakazi ezoqinisa mayelana lalokho kukhanya ukuze kuthi ngaye bonke abantu bakholwe. **8** Yena qobo lwakhe wayengesi lokho kukhanya; weza nje njengomfakazi wokukhanya lokho. **9** Ukukhanya okuliqiniso okunika ukukhanya emuntwini wonke kwakusiza emhlabeni. **10** Wayesemhlabeni, kodwa lanxa umhlaba wenziwa ngaye, umhlaba kawumazanga. **11** Weza kulokho okwakungokwakhe, kodwa khona kakumemukelanga. **12** Ikanti kulabo bonke abamamukelayo, kulabo abakholwayo ebizweni lakhe, wabapha ilungelo lokuba ngabantwana bakaNkulunkulu, **13** abantwana abangazalwanga ngokwemvelo, kumbe ngokukhetha komuntu, loba ngokufuna kwendoda kodwa bezelwe nguNkulunkulu. **14** ULizwi waba yinyama, wahlala phakathi kwethu. Siyibonile inkazimulo yakhe; inkazimulo yeNdodana eyiyo yodwa, eyavela kuYise, igcwele umusa leqiniso. **15** UJohane wafakaza ngayo. Wamemeza esithi, “Lo nguyeyengangikhuluma ngaye ngisithi, ‘Lowo oza ngemva kwami usengedlule ngoba wayevele ephambi kwami.’” **16** Ngenxa yokujula komusa

wakhe sonke sesamukele umusa emuseni esasivele siwuphiwe. **17** Ngoba umthetho wa lethwa ngoMosi; umusa leqiniso kweza ngoJesu Khristu. **18** Kakho osewake wambona uNkulunkulu, kodwa iNdodana eyiyo yodwa, yona enguNkulunkulu njalo eseceleni eduze kukaYise, isimenze waziwa. **19** Lobu yibo ubufakazi bukaJohane lapho abakhokheli bamaJuda aseJerusalema abathuma khona abaphristi labaLevi ukuyambuza ukuthi wayengubani. **20** Kehlulekanga ukuzichaza, kodwa wazichaza ekhululekile wathi, “Kangisuye uKhristu.” **21** Bambuza bathi, “Pho ungubani na? Ungu-Elija yini?” Wathi, “Kangisuye.” “Ungumphrofethi na?” Waphendula wathi, “Hatshi.” **22** Bacina ngokuthi, “Ungubani? Siphelimpendulo esizayisa kulabo abasithumileyo. Uzibiza ngokuthi ungubani na?” **23** UJohane wabaphendula ngamazwi ka-Isaya umphrofethi wathi, “Ngiyilizwi lalowo omemezayo enkangala lisithi, ‘Lungiselani iNkosi indlela iqonde.’” **24** Kwasekusithi abafarisi ababethunyiwe **25** bambuza bathi, “Kungani pho ubhaphathiza nxa ungasuye uKhristu, kumbe u-Elija loba umphrofethi na?” **26** UJohane waphendula wathi, “Mina ngibhaphathiza ngamanzi, kodwa phakathi kwenu kumi elingamaziyo. **27** Nguye lowo ozayo ngemva kwami, mina engingafanelanga ukuthukulula imichilo yamanyathela akhe.” **28** Konke lokhu kwenzeka eBhethani ngaphetsheya kweJodani lapho uJohane ayebhaphathiza khona. **29** Ngelanga elilandelayo uJohane wabona uJesu esiza kuye wathi, “Khangelani, nanti iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono somhlaba! **30** Nguye lo engangimutsho ngize

ngithi, 'Umuntu ozayo ngemva kwami usengedlule ngoba wayevele ephambi kwami.' **31** Mina ngokwami bengingamazi, kodwa okwenze ngeza ngibhaphathiza ngamanzi kwakuyikwenzela ukuthi abonakaliswe ku-Israyeli." **32** UJohane waseletha lobubufakazi: "Ngabona uMoya esehla evela ezulwini enjengejuba wahlala phezu kwakhe. **33** Lami uqobo lwami ngangingamazi, kodwa lowo owangithumayo ukubhaphathiza ngamanzi wathi, 'Lowomuntu ozabona uMoya usehla uhlala kuye nguye kanye ozabhaphathiza ngoMoya oNgcwele.' **34** Sengibonile yikho sengifakaza ukuthi lo ungoKhetliweyo kaNkulunkulu." **35** Ngelanga elilandelayo uJohane wayekhona, elabafundi bakhe ababili. **36** Wathi ebona uJesu esedlula lapho wathi, "Khangelani, nanti iWundlu likaNkulunkulu!" **37** Abafundi ababili labo bathi bekuzwa lokhu basebelandela uJesu. **38** UJesu wathi enyemukula wababona bemlandela, wababuza wathi, "Lifunani na?" Bathi, "Rabi" (okutsho ukuthi "Mfundisi"), "uhlala ngaphi?" **39** Waphendula wathi, "Wozani, lizabona." Ngakho bahamba bayabona lapho ayehlala khona, batshona laye mhlalokho. Kwakungaba lihora letshumi. **40** U-Andreya, umfowabo kaSimoni Phethro wayengomunye wababili abezwayo okwakukhulunywa nguJohane njalo abayibo abalandela uJesu. **41** Into yokuqala ayenzayo u-Andreya yikudinga umfowabo uSimoni wamtshela wathi, "Sesimfumene uMesiya" (okutsho uKhristu). **42** Wasemletha kuJesu. UJesu wamkhangela wathi, "UnguSimoni indodana kaJohane. Usuzathiwa unguKhefasi" (okuchasiswa ngokuthi, nguPhethro).

43 Ngelanga elilandelayo uJesu wafuna ukusuka aye eGalile. Wabona uFiliphu wathi kuye, “Ngilandela.”

44 UFiliphu wayengowedolobheni lase-Bhethisayida, njengo-Andreya loPhethro. 45 UFiliphu wadinga uNathaneli wamtshela wathi, “Sesimfumene lowo uMosi aloba ngaye eMthethweni, njalo abaphrofethi labo abaloba ngaye, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa.”

46 UNathaneli wabuza wathi, “ENazaretha! Kulolutho oluhle olungavela khona na?” UFiliphu wathi, “Woza uzebona.” 47 Kwathi uJesu ebona uNathaneli eqhamuka laphaya wathi ngaye, “Nangu um’Israyeli oqotho, okungekho nkohliso kuye.” 48 UNathaneli wambuza wathi, “Ungazela ngaphi na?” UJesu waphendula wathi, “Ngikubonile usahlezi ngaphansi kwesihlahla somkhiwa uFiliphu engakakubizi.” 49 UNathaneli wasefakaza wathi, “Rabi, uyindodana kaNkulunkulu; uyiNkosi ka-Israyeli.” 50 UJesu wathi, “Ukholwa ngoba ngithe ngikubone ngaphansi kwesihlahla somkhiwa. Usazobona izinto ezinkulu kulalokho.” 51 Waphinda wengeza wathi, “Ngikutshela iqiniso, uzabona izulu livuleka, lezingilosi zikaNkulunkulu zikhwela zisehlela eNdodaneni yoMuntu.”

2 Ngosuku lwesithathu kwaba khona umthimba eKhana laseGalile. Unina kaJesu wayekhona, 2 loJesu labafundi bakhe labo babenxusiwe emthimbeni. 3 Kwathi iwayini seliphelile unina kaJesu wathi kuye, “Sebephelelwe liwayini.” 4 UJesu waphendula wathi, “Mama, mina lawe singena njani kulokho na? Isikhathi sami kasikafiki.”

5 Unina wasesithi ezincekwini, “Libokwenza loba

kuyini azalitshela khona.” 6 Eduze kwalapho kwakumi imbiza zamatshe eziyisithupha, uhlobo lolo amaJuda ayelusebenzisa enkonzweni yokuzihlambulula, imbiza yinye ingagcwala amalitha alikhulu kusiya ekhulwini elilamatshumi amahlanu. 7 UJesu wathi ezincekwini, “Zigcwaliseni amanzi imbiza lezi”; ngakho bazigcwalisa zathi phamu. 8 Wasezitshela wathi, “Khanini-ke liphe umphathi wedili.” Benza njalo, 9 umphathi wedili wahubula wawanambitha amanzi ayesehendulwe abaliwayini. Kakwazanga ukuthi lavela ngaphi, kodwa izinceku ezaziwakhile amanzi zazisazi. Wasebizela umyeni eceleni 10 wathi, “Wonke umuntu uletha iwayini elimnandi kuqala, kuthi nxa izethekeli sezinathe kakhulu abesekhupha elibi; kodwa wena ugodle elimnandi kuze kube khathesi.” 11 Lo waba ngumangaliso wakhe wokuqala, uJesu awenza eKhana laseGalile. Wabonakalisa kanjalo inkazimulo yakhe, abafundi bakhe basebebeka ukhohlo lwabo kuye. 12 Ngemva komthimba wasuka waya eKhaphenawume wayahlala insukwana ezimbalwa elonina, labafowabo labafundi bakhe. 13 Kwasekuyisikhathi sePhasika lamaJuda eleminyaka yonke, uJesu wasesiya eJerusalema. 14 Emagumeni ethempeli wafumana abantu bethengisa inkomo, izimvu lamajuba, labanye behlezi ematafuleni bentshintsha izimali. 15 Waseseluka izintambo wenza isaswebhu wabadudula bonke emagumeni ethempeli, konke izimvu lenkomo; wayichithiza imali yabantshintshi bayo, wagenqula lamatafula abo. 16 Wathi kulabo ababethengisa amajuba, “Akhupheni lapha! Likuthatha ngaphi ukwenza indlu

kaBaba umsika wokuthengiselana na?” 17 Abafundi bakhe bakhumbula ukuthi kulotshiwe ukuthi: “Ukunqinekela indlu yakho kuzangidla ngaphakathi.” 18 Lapho amaJuda asemncindezela ngokuthi, “Ungasitshengisa simangaliso bani ukubonisa amandla akho okwenza zonke lezizinto?” 19 Wabaphendula uJesu wathi, “Dilizani ithempeli leli, kodwa mina ngizalimisa njalo ngezinsuku ezintathu.” 20 AmaJuda aphenhula athi, “Sekuthethe iminyaka engamatshumi amane lesithupha ukwakha ithempeli leli, kodwa wena ungalivusa ngezinsuku ezintathu na?” 21 Kodwa ithempeli ayekhulume ngalo kwakungumzimba wakhe. 22 Ngenxa kokuvuswa kwabafuleyo abafundi bakhe bakukhumbula lokho ayekukhulumile. Ngakho bawukholwa uMbhala kanye lamazwi uJesu awakhulumayo. 23 Kwathi ngesikhathi eseMkhosini wePhasika eJerusalema, abantu abanengi bayibona imimangaliso ayeyenza basebekholwa ebizweni lakhe. 24 Kodwa uJesu kazange azidele kubo, ngoba wayebazi bonke abantu. 25 Wayengabudingi ubufakazi bomuntu ngoba wayekwazi okungaphakathi komuntu munye ngamunye.

3 Kwakulendoda engumFarisi eyayithiwa nguNikhodimasi, ililunga lomphakathi wamaJuda abusayo. 2 Yaya kuJesu ebusuku yathi, “Rabi, siyazi ukuthi ungumfundisi ovela kuNkulunkulu. Ngoba kakho obengayenza imimangaliso oyenzayo wena nxa uNkulunkulu engelaye.” 3 UJesu waphendula wathi, “Ngempela ngiqinisile ngithi kini, akakho ozawubona umbuso kaNkulunkulu ngaphandle kokuba

azalwe kutsha.” 4 UNikhodimasi wathi, “Kanti umuntu angazalwa kanjani yena esemdala na? Ngeqiniso, angazake angene ngokwesibili esiswini sikanina ukuze azalwe!” 5 UJesu waphendula wathi, “Ngempela ngiqinisile ngithi, ngaphandle kokuthi umuntu azalwe ngamanzi langoMoya, angeke awungene umbuso kaNkulunkulu. 6 Inyama izala inyama, kodwa uMoya uzala umoya. 7 Ungamangaliswa yikuthi ngithi, ‘Kumele lizalwe kutsha.’ 8 Umoya uphephethela loba kungaphi lapho othanda khona. Ungakuzwa ukuvunguza kwawo, kodwa ungeke utsho ukuthi uvela ngaphi loba ukuthi uya ngaphi. Ngakho kunjalo emuntwini wonke ozelwe ngoMoya.” 9 UNikhodimasi wabuza wathi, “Lokhu kungenzeka kanjani na?” 10 UJesu wathi, “Ungumfundisi wako-Israyeli, pho kungani ungazwisisi izinto lezi na? 11 Ngqiqinisile ngithi sikhuluma ngesikwaziyo njalo sifakaza ngesikubonileyo, kodwa lina bantu kalibamukeli ubufakazi bethu. 12 Ngikhulume kini ngezinto zalapha emhlabeni, kodwa kalikholwa; pho lizakholwa kanjani nxa ngingakhuluma ngokwasezulwini? 13 Kakho osewake waya ezulwini ngaphandle kwalowo owavela ezulwini, iNdodana yoMuntu. 14 NjengoMosi owaphakamisa inyoka enkangala, ngokunjalo iNdodana yoMuntu kumele iphakanyiswe, 15 ukuze kuthi lowo lalowo okholwa kuyo abe lokuphila okungapheliyo.” (aiōnios g166) 16 UNkulunkulu walithanda ilizwe kangaka waze wanikela iNdodana yakhe eyiyo yodwa ukuze kuthi loba ngubani okholwa kuyo angabhubhi, kodwa abe lokuphila okungapheliyo. (aiōnios g166) 17 Ngoba uNkulunkulu

kathumanga iNdodana yakhe emhlabeni ukuze iwulahle umhlaba, kodwa ukuze umhlaba usindiswe ngayo. **18** Loba ngubani okholwa kuyo kalahlwa, kodwa ongakholwayo uvele uselahliwe ngoba kakholwanga ebizweni leNdodana eyiyo yodwa kaNkulunkulu. **19** Nanku ukuqunywa kwecala: Ukukhanya sekufikile emhlabeni, kodwa abantu bathanda ubumnyama kulokukhanya ngoba imisebenzi yabo yayimibi. **20** Wonke umuntu owenza ububi uyakuzonda ukukhanya, njalo kezi ekukhanyeni ngoba esesaba ukuthi izenzo zakhe zizabekwa obala. **21** Kodwa loba ngubani ophila ngeqiniso uyeza ekukhanyeni ukuze kubonakale kamlhophe ukuthi lokho akwenzileyo ukwenze ngoNkulunkulu. **22** Ngemva kwalokhu uJesu labafundi bakhe basuka baya emaphandleni aseJudiya lapho ahlala labo okwesikhathi esithile ebhaphathiza. **23** Ngalesosikhathi uJohane laye wayebhaphathiza e-Ayeroni eduze leSalimi ngoba kwakulamanzi amanengi njalo abantu babethululeka kokuphela bezobhaphathizwa. **24** (Lokhu kwakumandulo kokuphoselwa kukaJohane entolongweni.) **25** Kwavuka ukuphikisana phakathi kwabanye abafundi bakaJohane lomunye umJuda mayelana lomkhuba wokuzihlambulula. **26** Beza kuJohane bathi kuye, “Rabi, indoda leyana eyayilawe ngaphetsheya kweJodani; yona leyana owafakaza ngayo; iyabhaphathiza bonke abantu sebesiya kuyo.” **27** Waphendula uJohane wathi, “Umuntu wamukela kuphela lokho akuphiwayo kuvela ezulwini. **28** Lina ngokwenu lingakufakaza ukuthi ngathi, ‘Kangisuye uKhristu, kodwa ngithunyiwe ukumandulela.’ **29** Umtshakazi ngowomyeni. Umkhaphi

womyeni uyamnakekela, amlalele, abelokuthokoza nxa esizwa ilizwi lomyeni. Lokho kuthokoza ngokwami njalo okwamanje sekuphelele. **30** Yena ufanele abemkhulu; mina kufanele kunciphe ukuqakatheka kwami.” **31** Lowo ovela phezulu ungaphezulu kwakho konke; lowo ovela emhlabeni ungowomhlaba, ukhuluma njengalowo ovela emhlabeni. Lowo ovela ezulwini ungaphezu kwakho konke. **32** Ufakaza ngalokho akubonileyo lakuzwileyo, kodwa kakho owamukela ubufakazi bakhe. **33** Lowomuntu obamukelayo usegcizelele ukuthi uNkulunkulu uqinisile. **34** Ngoba lowo uNkulunkulu amthumileyo ukhuluma amazwi kaNkulunkulu; yena uNkulunkulu umupha umoya kungelakulinganiswa. **35** UYise uyayithanda iNdodana njalo useyiphe amandla phezu kwezinto zonke. **36** Loba ngubani obeke ithemba lakhe eNdodaneni ulokuphila okungapheliyo, kodwa loba ngubani oyilahlayo iNdodana kazukuyibona leyompilo ngoba ulaka lukaNkulunkulu lohlala luphezu kwakhe. (aiōnios g166)

4 UJesu wezwa ukuthi abaFarisi basebekuzwile ukuthi usebhaphathize abantu wabuye waba labafundi abanengi kuloJohane, **2** loba nje iqiniso kuyikuthi kwakungasuye uJesu owayebhaphathiza, kodwa kubhaphathiza abafundi bakhe. **3** Kwathi esekuzwile lokho, wasuka eJudiya wabuyela futhi eGalile. **4** Manje kwakumele adabule eSamariya. **5** Ngakho wafika emzini waseSamariya owawuthiwa yiSikhari, eduzane lesiqinti uJakhobe ayesinike indodana yakhe uJosefa. **6** Umthombo kaJakhobe wawukhonapho, uJesu wathi esediniwe ngohambo, wahlala phansi malungana lomthombo.

Kwakusemini enkulu. **7** Kwathi umfazi waseSamariya efika ukuzakukha amanzi uJesu wathi kuye, “Ake unginathise.” **8** (Abafundi bakhe babeye emzini ukuyathenga ukudla.) **9** Umfazi waseSamariya wathi kuye, “UngumJuda, mina ngingumfazi waseSamariya. Pho ungacela kanjani ukuthi unathiswe yimi?” (Phela amaJuda kawadlalani lamaSamariya.) **10** UJesu wamphendula wathi, “Aluba ubusazi isipho sikaNkulunkulu lokuthi ungubani lowo ocela ukuthi umnathise, ngabe umcelile wakupha amanzi okuphila.” **11** Umfazi wathi, “Nkosi, wena kawulakho okokukhisa amanzi, futhi umthombo uyatshona. Ungawathatha ngaphi lawomanzi okuphila na? **12** Wena umkhulu na kulobaba uJakhobe owasipha umthombo lo laye wanatha kuwo kanye lamadodana akhe lezimvu zakhe kanye lezifuyo zakhe?” **13** UJesu waphendula wathi, “Wonke umuntu onatha amanzi la uzaphinda ome futhi, **14** kodwa lowo onatha amanzi engimnika wona, kasoze abuye ome lanini. Ngempela amanzi engimnika wona azakuba ngumfula ogelezela ekuphileni okungapheliyo.” (aiōn g165, aiōnios g166) **15** Umfazi wathi kuye, “Nkosi, ngipha lawomanzi ukuze ngingaphindi ngome, ngingabi ngilokhu ngisiza lapha ngizokukha amanzi.” **16** Wathi kowesifazane, “Hamba uyebiza umkakho uze laye lapha.” **17** Waphendula wathi, “Kangilandoda.” UJesu wathi kuye, “Uqondile nxa usithi kawulandoda. **18** Iqiniso yikuthi usube lamadoda amahlanu, futhi indoda le olayo khathesi kayisiyakho. Lokho okutshiloyo kuliqiniso.” **19** Owesifazane wathi, “Nkosi, sengibona ukuthi ungumphrofethi. **20** Okhokho

bethu babekhonzwa phezu kwentaba le, kodwa lina maJuda lithi indawo okumele sikhonzele kuyo iseJerusalema.”

21 UJesu wathi, “nkosazana, ngikholwa, siyeza isikhathi lapho elingezukumkhonza uBaba entabeni kumbe eJerusalema. **22** Lina maSamariya likhonza elingakwaziyo; thina sikhonza lokho esikwaziyo, ngoba insindiso ivela kumaJuda. **23** Kodwa siyeza isikhathi, yebo manje sesifikile lapho abakhonzi beqiniso bezamkhonza uBaba ngomoya langeqiniso, ngoba yibo abakhonzi abanjalo uBaba abadingayo. **24** UNkulunkulu ungumoya, labo abamkhonzayo kumele bamkhonze ngomoya langeqiniso.” **25** Owesifazane wathi, “Ngiyakwazi ukuthi uMesiya (othiwa nguKhristu) uyeza. Esefikile uzasichazela konke.” **26** UJesu wasesithi, “Mina engikhuluma lawe nginguye.” **27** Ngalesosikhathi abafundi bakhe baphenduka, bamangala ukufumana uJesu ekhuluma lowesifazane. Kodwa kakho owabuzayo wathi, “Ufunani na?” kumbe athi, “Kungani ukhuluma lowesifazane na?” **28** Owesifazane watshiya inkonxa yakhe wabuyela emzini wakibo wathi ebantwini, **29** “Wozani lizobona indoda engitshele konke esengake ngakwenza. Kambe angaba nguye yini uKhristu?” **30** Baphuma emzini lowo baqonda kuye. **31** Kusenzakala konke lokhu abafundi bakhe bamncenga bathi, “Rabi, ake udle ulutho.” **32** Kodwa wathi kubo, “Ngilokudla engikudlayo elingakwaziyo lina.” **33** Abafundi babuzana bathi, “Kambe ngabe ukhona omlethele ukudla na?” **34** UJesu wathi, “Okwami ukudla yikwenza intando yalowo ongithumileyo lokuphelelisa umsebenzi wakhe. **35** Kanti angithi lithi, ‘Kusele izinyanga

ezine ukuthi kufike isikhathi sokuvuna'? Ngithi vulani amehlo enu likhangele amasimu! Amabele aselungele ukuvunwa. **36** Khathesi lokhu, umvuni uvele usehle ezuya iholo lakhe, usebuthela amabele ekuphileni kwaphakade, ukuze umhlanyeli lomvuni bajabule ndawonye. (aiōnios g166) **37** Ngakho ilizwi elithi, 'Omunye uyahlanyela, omunye avune' liliqiniso. **38** Ngalithuma ukuyavuna lokho elingakusebenzelanga. Abanye bawenzile umsebenzi onzima, lina selivune umvuzo womsebenzi wabo." **39** AmaSamariya amanengi akulowomuzi akholwa kuye ngenxa yobufakazi bowesifazane owathi, "Ungitshele konke esengake ngakwenza." **40** Ngakho amaSamariya esefike kuye amcela ukuthi ahlale labo, wasehlala insuku ezimbili. **41** Ngenxa yamazwi akhe abanengi baba ngamakholwa. **42** Bathi kowesifazane, "Kasisakholwa kuphela ngenxa yalokho okutshiloyo; manje sesizizwele thina ngokwethu, ngakho sesisazi ukuthi umuntu lo ngeqiniso unguMsindisi womhlaba." **43** Ngemva kwalezonsuku ezimbili, uJesu wasuka waya eGalile. **44** (Phela uJesu yena ngokwakhe wayetshilo ukuthi umphrofethi kalalo udumo elizweni lakibo.) **45** Wathi efika eGalile, amaGalile amamukela ngokumthakazelela. Ayekubonile konke lokho akwenzayo eJerusalema, eMkhosini wePhasika, ngoba lawo ayekhona khonale. **46** Wabuya njalo wethekelela eKhana laseGalile, lapho aphenyula khona amanzi abaliwayini. Kwakukhona lapho isiphathamandla sasesikhosini esasigulelwa yindodana yaso eKhaphenawume. **47** Kwathi indoda leyo isizwile ukuthi uJesu wayesefikile eGalile evela eJudiya, yaya

kuye yamncenga ukuthi eze azosilisa indodana yayo eyayisibangwa lezibi. **48** UJesu wasitshela wathi, “Ngaphandle kokuthi lina bantu libone izibonakaliso ezididayo lezimangaliso kalisoze lafa lakholwa.” **49** Sathi isiphathamandla sasesikhosini, “Nkosi, woza umntanami engakafi.” **50** UJesu waphendula wathi, “Usungahamba. Indodana yakho izaphila.” Indoda yalikhholwa ilizwi likajesu yahamba. **51** Yathi ilokhu isesendleleni, izinceku zayo zayihlangabeza zayibikela ukuthi indodana yayo yayisiluleme. **52** Isibuzile ukuthi kwakuyisikhathi bani lapho indodana yayo eyasila ngaso, zathi kuyo, “Umkhuhlane uyixolele izolo ngehola lakuqala emini.” **53** Uyise wananzelela ukuthi leso yiso kanye isikhathi uJesu atsho kuye ukuthi, “Indodana yakho izaphila.” Ngakho yena kanye labendlu yakhe bonke bakholwa. **54** Lo kwakungumangaliso wesibili uJesu awenzayo esefikile eGalile evela eJudiya.

5 Emva kwesikhathi esithile uJesu waya eJerusalema emkhosini wamaJuda. **2** EJerusalema kukhona ichibi eduze lesango leZimvu, elithiwa ngesi-Aramu yiBhethisayida, elalihonqolozelwe ngensika ezinhlanu ezibiyelweyo. **3** Khonapho abantu abayizilima abanengi babandise ukuhlala khona, iziphofu, abaqhulayo, abome imihlubulo [belindele ukudungwa kwamanzi; **4** ngoba kwakusithi ngezikhathi ezithile ingilosi yeNkosi yayisehlela echibini, idungadunge amanzi besekusithi umuntu oqalayo ukungena emanzini ngemva kokudungeka kwawo asiliswe loba kuwuphi umkhuhlane owawumbambile]. **5** Omunye owayelapho wayeyisigoga okweminyaka engamatshumi

amathathu lesificaminwembili. **6** Kwathi uJesu embona elele khonapho njalo esetsheliwe ukuthi kade abanjalo okwesikhathi eside, wambuza wathi, “Uyafuna na ukusila?” **7** Oyisilima waphendula wathi, “Nkosi, kangilamuntu wokungisiza angingenise echibini lapho amanzi edungwa. Ngithi lapho ngizama ukungena omunye angingenele kuqala.” **8** UJesu wasethi kuye, “Sukuma! Thatha icansi lakho uhambe.” **9** Khonokho nje indoda yasila; yathatha icansi layo yahamba. Lokhu kwenzakala ngelanga leSabatha, **10** amaJuda asesithi endodeni eyayisilisiwe, “KuliSabatha; umthetho uyakwalela ukuthi uthwale icansi lakho.” **11** Kodwa yaphendula yathi, “Umuntu ongisilisiweyo uthe, ‘Thatha icansi lakho uhambe.’” **12** Aseyibuza athi, “Ngubani yena lowo okutshela ukuthi uthathe icansi uhambe?” **13** Indoda leyo eyasiliswayo yayingafanisi lakufanisa ukuthi kambe ngabe wayengubani, ngoba uJesu wayesethe nyelele wangena phakathi kwabantu. **14** Emva kwalokho uJesu wayifumana ethempelini indoda leyo wathi kuyo, “Khangela-ke ususile njalo. Khawula ukwenza isono funa okubi ukwedlula okokuqala kukwehlele.” **15** Indoda leyo yasuka yayatshela amaJuda ukuthi kwakunguJesu owayeyisilisiwe. **16** Ngakho amaJuda amkhahlameza uJesu ngoba wayesenza izinto lezi ngeSabatha. **17** UJesu wathi kubo, “UBaba uhlezi esemsebenzini wakhe kuze kube namuhla, lami njalo ngiyasebenza.” **18** Ngalesisizatho amaJuda azama kakhulu ukumbulala; wayengephuli iSabatha kuphela kodwa wayebiza uNkulunkulu ngokuthi nguYise, ezenza yena olingana loNkulunkulu. **19** UJesu wabanika

impendulo le: “Ngiqinisile ngithi iNdodana ingeke yenze lutho ngokwayo; ingenza kuphela lokho ebona uYise ekwenza, ngoba loba kuyini uYise akwenzayo leNdodana iyakwenza. **20** Ngoba uYise uyayithanda iNdodana, uyitshengisa konke akwenzayo. Yebo, lizamangala ukuthi uzayitshengisa izinto ezinkulu kulalezi. **21** Njengalokhu uYise evusa abafileyo abaphe ukuphila, kanjalo iNdodana inika ukuphila kulabo ethanda ukubanika khona. **22** Okunye njalo, uYise kahluleli muntu, kodwa usebeke konke ukwahlulela ezandleni zeNdodana, **23** ukuze bonke bayidumise iNdodana njengalokhu bedumisa uYise. Lowo ongayidumisiyo iNdodana kamdumisi uYise oyithumileyo. **24** Ngiqinisile ngithi lowo owezwayo amazwi ami amkholwe lowo ongithumileyo ulokuphila okungapheliyo njalo kazukulahlwa; usechaphile wasuka ekufeni waya ekuphileni. (aiōnios g166) **25** Ngiqinisile ngithi, isikhathi siyeza njalo sivele sesifikile lapho abafileyo bezalizwa ilizwi leNdodana kaNkulunkulu, kuthi bonke abezwayo baphile. **26** Njengoba uYise elokuphila kuye yena ngokwakhe, ngakho useyinikile iNdodana ukuba ibe lokuphila kuyo yona ngokwayo. **27** Njalo useyiphile amandla okwahlulela ngoba iyiNdodana yoMuntu. **28** Kakungalimangalisi lokhu ngoba siyeza isikhathi lapho bonke abasemathuneni abo bezalizwa ilizwi layo **29** baphume, labo abenze okuhle bazavuka baphile, lalabo abenze ububi bazavuka balahlwe. **30** Mina ngokwami ngingeke ngenze lutho; ngahlulela njengokutshelwa kwami, futhi ukwahlulela kwami kuqondile, ngoba kangidingi kuzithabisa, kodwa

ukuthabisa lowo ongithumileyo.” **31** “Nxa ngizifakazela mina ngokwami ubufakazi bami kabuqinisekanga. **32** Ukhona omunye ofakaza kuhle ngami njalo ngiyazi ukuthi ubufakazi bakhe ngami buqinisekile. **33** Selike lathumela kuJohane yena walifakazela iqiniso. **34** Kakutsho ukuthi ngamukela ubufakazi bomuntu; kodwa ngikuthinta lokhu ukuze lisindiswe. **35** UJohane wayeyisibane esabhebhayo sanika ukukhanya, lakhetha ukuthokoza ngokukhanya kwakhe okwesikhatshana. **36** Ngilabo ubufakazi obulesisindo esikhulu kulobukaJohane. Ngoba umsebenzi uBaba anginike wona ukuba ngiwuqedise, wona engiwenzayo uyafakaza ukuthi uBaba ungithumile. **37** Njalo uBaba ongithumileyo usefakazile yena ngokwakhe ngami. Kalikaze lilizwe ilizwi lakhe kumbe libone isimo sakhe **38** njalo ilizwi lakhe kalihlali kini ngoba kalimkholwa lowo amthumileyo. **39** Liphenyisisa imibhalo liyihlola ngoba licabanga ukuthi ngayo lilakho ukuphila okungapheliyo. Yiyo le imibhalo efakaza ngami, (aiōnios g166) **40** ikanti liyala ukuza kimi lizozuza ukuphila. **41** Kangilwamukeli udumo olusuka ebantwini, **42** kodwa ngiyalazi lina. Ngiyazi ukuthi kalilalo uthando lukaNkulunkulu ezinhliziyweni zenu. **43** Ngibuye ngebizo likaBaba kodwa kalingamukeli; kodwa nxa omunye efika ngebizo lakhe, lizamamukela. **44** Lingakholwa kanjani nxa lisamukela udumo elizipha lona kodwa lingenzi mizamo yokuzuza udumo oluvela kuNkulunkulu onguye yedwa na? **45** Kodwa lingacabangi ukuthi ngizalethesa icala phambi kukaBaba. Umangaleli wenu nguMosi, okukuye elibeke khona amathemba enu. **46** Kube lamkholwa uMosi,

ngabe liyangikholwa ngoba wabhala ngami. **47** Kodwa njengoba lingakukholwa lokho akubhalayo, lizakukholwa kanjani lokho engikutshoyo na?”

6 Ngemva kwalokhu uJesu wachaphela ngaphetsheya koLwandle lwaseGalile (kutshiwo uLwandle lwaseThibheriyasi), **2** njalo walandelwa lixuku elikhulu labantu ngoba babona imimangaliso ayeyenzile kwababegula. **3** UJesu wasesiya eceleni kwentaba wahlala khona labafundi bakhe. **4** UMkhosi wePhasika wamaJuda wawusondele. **5** UJesu wathi uyakhangela wabona ixuku labantu elikhulu lisiza kuye, wathi kuFiliphu, “Singasithenga ngaphi isinkwa ukuze abantu laba badle?” **6** Wabuza lokhu emlinga nje kuphela ngoba wayevele esekwazi ayezakwenza. **7** UFiliphu wamphendula wathi, “Amadenari angamakhulu amabili ngeke athenge isinkwa esenela ukuthi umuntu munye nje azuze ucezwana!” **8** Omunye wabafundi bakhe, u-Andreya, umfowabo kaSimoni Phethro wakhuluma wathi, **9** “Nangu umfana olezinkwa zebhali ezinhlanu lenhlanzi ezimbili ezincinyane, kodwa zingafika ngaphi ebantwini abanengi kangaka na?” **10** UJesu wathi, “Hlalisani abantu phansi.” Kwakulotshani obunengi kuleyondawo, asehlala phansi (amadoda ubunengi bawo bungaba zinkulungwane ezinhlanu). **11** UJesu wasezithatha izinkwa, wakhuleka, wasezabela labo abasebehlezi phansi, wabapha njengokufuna kwabo. Wenza njalo langenhlanzi. **12** Kwathi bonke sebesuthi, wasesithi kubafundi bakhe, “Buthani imvuthu eziseleyo. Kakungalahlwa lutho.” **13** Ngakho bazibutha bagcwalisa

izitsha ezilithumi lambili ngemvuthu zezinkwa zebhali ezatshiywa yilabo ababedlile. **14** Abantu sebewubonile umangaliso awenzayo uJesu baqalisa ukuthi, “Ngeqiniso lo nguye uMphrofethi ozafika emhlabeni.” **15** UJesu esazi ukuthi babeqonde ukuzomenza inkosi ngenkani, wathi nyelele wabuyela entabeni yedwa. **16** Kwathi kusihlwa abafundi behlela esizibeni, **17** lapho abawela khona isikepe bachapha isiziba baya eKhaphenawume. Ngalesosikhathi kwasekuhlwile, uJesu elokhu engakabuyi kubo. **18** Kwakuvunguza umoya omkhulu amanzi asequbuka kubi. **19** Sebegwedle okwamakhilomitha amahlanu loba ayisithupha bambona uJesu esiza esikepeni ehamba phezu kwamanzi; bethuka kakhulu. **20** Kodwa wathi kubo, “Yimi; lingesabi.” **21** Babefuna ukumngenisa esikepeni, kwathi masinyane isikepe sahle safika ekhunjini lapho ababeqonde khona. **22** Ngelanga elilandelayo ixuku labantu elalisele ekhunjini elinganeno lananzelela ukuthi kwakukade kulesikepe esisodwa, lokuthi uJesu kangenanga kuso kanye labafundi bakhe, kodwa babehambe bodwa. **23** Kwasekufika ezinye izikepe zivela eThibheriyasi zamiswa eduze lalapho abantu ababedlele khona isinkwa ngemva kokuba iNkosi isiqale yakhuleka. **24** Ixuku lonela ukunanzelela ukuthi uJesu kanye labafundi bakhe babengasekho lapho, bangena ezikepeni baya eKhaphenawume ukuyadinga uJesu. **25** Bathi sebemfumene ngaphetsheya kwechibi bambuza bathi, “Rabi, kanti ufike nini lapha?” **26** UJesu waphendula wathi, “Ngiqinisile ukuthi kalingidingi ngoba libone imimangaliso, kodwa ngoba lidle izinkwa

lasutha. **27** Lingasebenzeli ukudla okubolayo, kodwa sebenzelani ukudla okuhlala okwempilo engapheliyo elizakuphiwa yiNdodana yoMuntu. UBaba uNkulunkulu usebeke kuyo uphawu lwakhe.” (aiōnios g166) **28** Basebembuza bathi, “Kumele senzeni ukuze senze umsebenzi kaNkulunkulu na?” **29** UJesu waphendula wathi, “Umsebenzi kaNkulunkulu yilo: ukukholwa kulowo amthumileyo.” **30** Basebembuza bathi, “Uzasitshengisa simangaliso bani esizasibona ukuze sikukholwe na? Kuyini ozakwenza? **31** Okhokho badla imana enkangala; njengoba kulotshiwe ukuthi: ‘Wabapha isinkwa sivela ezulwini ukuba badle.’” **32** UJesu wathi kubo, “Ngiqinisile ngithi, kacusuye uMosi olinike isinkwa sivela ezulwini, kodwa nguBaba olinika isinkwa seqiniso sivela ezulwini. **33** Ngoba isinkwa sikaNkulunkulu singulowo owehla ezulwini anike ukuphila emhlabeni.” **34** Bathi, “Nkosi, kusukela manje siphe lesisinkwa sokuphila.” **35** UJesu wachaza wathi, “Ngiyisinkwa sokuphila. Lowo ozayo kimi kasoze afa alamba, lalowo okholwa kimi kasoze aphinde ome. **36** Kodwa njengoba ngilitshelile selingibonile, kodwa lokhe lingakholwa. **37** Konke lokho uBaba anginika khona kuzakuza kimi njalo lowo oza kimi kangisoze ngimlahle. **38** Ngoba ngehlile ezulwini, hatshi ukuzokwenza eyami intando kodwa ukwenza intando yalowo ongithumileyo. **39** Intando yakhe ongithumileyo yile, ukuthi ngingalahlekelwa langokukodwa kwalokho anginike khona, kodwa ngibavuse ngosuku lokucina. **40** Ngoba intando kaBaba iyikuthi bonke abakhangela eNdodaneni bakholwe kuyo bazakuba lokuphila

okungapheliyo njalo ngizabavusa ngosuku lokucina.”
(aiōnios g166) 41 Esizwa lokhu amaJuda aqalisa ukukhonona
ngaye ngoba wathi, “Ngiyisinkwa esehlayo sivela
ezulwini.” 42 Athi, “Kanti kasuJesu lo indodana kaJosefa
na? Oyise lonina kasibazi na? Pho angakutsho kanjani
manje ukuthi, ‘Ngehla ngivela ezulwini?’” 43 UJesu
wathi, “Yekelani ukukhonona phakathi kwenu. 44 Kakho
ongeza kimi ngaphandle kokuthi uBaba ongithumileyo
amsondeze, mina-ke ngizamvusa ngosuku lokucina. 45
Kulotshiwe kubaphrofethi ukuthi: ‘Bonke bazafundiswa
nguNkulunkulu.’Wonke lowo olalela uBaba afunde
kuye uyeza kimi. 46 Kakho osewake wambona uBaba
ngaphandle kwalowo ovela kuNkulunkulu; nguye
kuphela ombonileyo uBaba. 47 Ngiqinisile ukuthi lowo
okholwayo ulokuphila okungapheliyo. (aiōnios g166) 48
Ngiyisinkwa sokuphila. 49 Okhokho benu bayidla imana
enkangala, kodwa bafa. 50 Kodwa nansi isinkwa esehla
sivela ezulwini, umuntu angasidla angabe esafa. 51
Ngiyisinkwa esiphilayo esehlela phansi sivela ezulwini.
Nxa umuntu angasidla lesisinkwa, uzaphila laphakade.
Lesosinkwa siyinyama yami engizayinikela ukuphila
komhlaba.” (aiōn g165) 52 Lapho-ke, amaJuda aseqalisa
ukuphikisana ngamandla esithi, “Umuntu lo angasipha
kanjani inyama yakhe ukuba siyidle na?” 53 UJesu
wathi kubo, “Ngiqinisile ngithi, ngaphandle kokuba
lidle inyama yeNdodana yoMuntu, linathe igazi layo,
kalilakuphila phakathi kwenu. 54 Lowo odla inyama yami
njalo anathe igazi lami ulokuphila okungapheliyo njalo
ngizamvusa ngosuku lokucina. (aiōnios g166) 55 Ngoba

inyama iyikhona kudla okuqotho legazi lami liyikunatha okuqotho. **56** Lowo odla inyama yami njalo anathe igazi lami uhlala kimi, lami kuye. **57** Njengoba uBaba ophilayo wangithuma njalo ngiphila ngenxa kaBaba, kanjalo lowo odla mina uzaphila ngenxa yami. **58** Lesi yiso isinkwa esehla sivela ezulwini. Okhokho benu badla imana, kodwa bafa, kodwa odla lesisinkwa uzaphila lanininini.” (aiōn g165) **59** Wakutsho lokhu efundisa esinagogweni eKhaphenawume. **60** Bathi bekuzwa lokhu abafundi bakhe abanengi bathi, “Le yimfundiso enzima. Kambe ngubani ongayamukela na?” **61** UJesu wathi ngokunanzelela ukuthi abafundi bakhe babekhonona ngalokhu wathi kubo, “Lokhu kuyalikhuba yini? **62** Kungaba njani pho nxa lingayibona iNdodana yoMuntu isenyuka ibuyela lapho eyayikhona ngaphambilini! **63** UMoya unika ukuphila; inyama kayisizi lutho. Amazwi engiwakhulume kini angumoya njalo ayikuphila. **64** Kodwa bakhona abanye benu abangakholwayo.” Ngoba uJesu wayevele esazi kusukela ekuqaleni ukuba yibaphi phakathi kwabo ababengakholwa lokuthi ngubani owayezamnikela. **65** Waqhubeka wathi, “Yikho ngalitshela ngathi kakho ongeza kimi ngaphandle kokuba ephiwe amandla nguBaba.” **66** Kusukela kulesosikhathi abafundi bakhe abanengi bamdela ababe besamlandela. **67** UJesu wabuza abalitshumi lambili wathi, “Lina kalifuni kudela lihambe na?” **68** USimoni Phethro wamphendula wathi, “Nkosi, sizakuya kubani na? Wena ulamazwi okuphila okungapheliyo. (aiōnios g166) **69** Thina siyakholwa njalo siyazi ukuthi

ungoNgcwele kaNkulunkulu.” 70 UJesu wasephendula wathi, “Kangilikhethanga yini, lina elilitshumi lambili na? Ikanti omunye wenu unguSathane!” 71 (Wayesitsho uJudasi, indodana kaSimoni Iskariyothi, owathi loba engomunye wabalitshumi lambili wamnikela.)

7 Ngemva kwalokhu uJesu wahambahamba eGalile, kazathanda ukuya eJudiya ngoba amaJuda alapho ayefuna indlela yokumbulala. **2** Kwathi uMkhosi wamaJuda weziHonqo ususondele **3** abafowabo bakaJesu bathi kuye, “Sekumele usuke lapha uye eJudiya ukuze abafundi bakho babone imimangaliso oyenzayo. **4** Kakho umuntu othi efuna ukuba lodumo asebenzele ensitha. Njengoba usenza izinto lezi ziveze emhlabeni.” **5** Ngoba labafowabo babengakholwa kuye. **6** Ngakho uJesu wabatshela wathi, “Kasikafiki isikhathi sami salokho; kini loba yisiphi isikhathi sililungele. **7** Umhlaba ngeke ulizonde, kodwa mina uyangizonda ngoba ngiveza ukuthi lokho okwenzayo kubi. **8** Hambani lina emkhosini. Mina kangikayi emkhosini lowo ngoba kimi kasikafiki isikhathi esifaneleyo.” **9** Esetsho lokhu wazihlalela eGalile. **10** Kodwa ngemva kokuba abafowabo sebehambile emkhosini laye waya khona, hatshi obala kodwa wahamba ensitha. **11** Khonapho emkhosini amaJuda ayemlindele ebuza esithi, “Ingaphi indoda leyana?” **12** Phakathi kwamaxuku abantu kwakulokunyenyazelana ngaye. Abanye bathi, “Ungumuntu olungileyo.” Abanye baphendula bathi, “Hatshi, ukhohlisa abantu.” **13** Kodwa kakho owakhuluma ngaye obala ngokwesaba amaJuda. **14** Kwathi isikhathi somkhosi sesiphakathi laphakathi

uJesu wasesiya egumeni lethempeli waqalisa ukufundisa. **15** AmaJuda amangala, abuza athi, “Indoda le yaluzuza kanjani ulwazi olungaka yona ingafundanga?” **16** UJesu waphendula wathi, “Imfundiso yami kayisiyami. Ivela kulowo ongithumileyo. **17** Nxa umuntu ekhetha ukwenza intando kaNkulunkulu uzabona ingabe imfundiso yami ivela kuNkulunkulu loba ngiyazikhulumela. **18** Lowo ozikhulumelayo wenzela ukuzizuzela udumo, kodwa lowo osebenzela udumo lwalowo omthumileyo ngumuntu weqiniso; kakulankohliso kuye. **19** UMosi kalinikanga yini umthetho? Kodwa kakho lamunye kini owugcinayo umthetho. Kungani lifuna ukungibulala na?” **20** Ixuku labantu laphendula lathi, “Ulamadimoni wena. Ngubani ofuna ukukubulala?” **21** UJesu wathi kubo, “Ngenza umangaliso owodwa lamangala kakhulu lonke. **22** Kodwa ngoba uMosi walipha ukusoka (loba iqiniso liyikuthi kakuvelanga kuMosi kodwa kubokhokho), liyamsoka umntwana ngeSabatha. **23** Manje-ke, nxa umntwana engasokwa ngeSabatha kungabi yikuwephula umthetho kaMosi, pho mina lingizondelani ngokuthi ngisilise umuntu ngokupheleleyo ngeSabatha na? **24** Khawulani ukusola ngokubona kwamehlo kodwa yahlulelani ngokuqondileyo.” **25** Ngalesosikhathi abanye abantu baseJerusalema babuza bathi, “Kanti kasuye yini umuntu lo abafuna ukumbulala na? **26** Nangu phela ekhuluma egcekeni kodwa kabatsho lutho kuye. Kambe iziphathamandla zingabe sezibone ukuthi nguye uKhristu na? **27** Kodwa siyakwazi thina lapha indoda le edabuka khona; nxa uKhristu esefika, kakho ozakwazi

lapho avela khona.” **28** Kwathi uJesu elokhu esafundisa egumeni lethempeli, wamemeza wathi, “Yebo, liyangazi njalo liyakwazi lapho engivela khona. Kangizibuyelanga lapha kodwa lowo ongithumileyo uqinisile. Kalimazi **29** kodwa mina ngiyamazi ngoba ngivela kuye, nguye ongithumileyo.” **30** Besizwa lokhu bazama ukumbamba kodwa kakho owambeka isandla ngoba isikhathi sakhe sasingakafiki. **31** Loba kunjalo, abanengi exukwini labantu bakholwa kuye. Bathi, “Nxa uKhristu angafika, kambe uzakwenza imimangaliso okwedlula umuntu lo?” **32** AbaFarisi bezwa abantu benyenyeza izinto ezinjalo ngaye. AbaFarisi labaphristi abakhulu basebethuma amanxusa ethempelini ukuba ayembopha. **33** UJesu wathi, “Ngilani okwesikhathi esifitshane, besengihamba ngisiya kuye ongithumileyo. **34** Lizangidinga kodwa lingangifumani; lalapho engikhona lingeke lifike.” **35** AmaJuda abuzana athi, “Umuntu lo ufuna ukuya ngaphi lapho esingeke samfumana khona na? Uzakuya ebantwini bakithi abahlakazekileyo abahlala phakathi kwamaGrikhi, afundise amaGrikhi na? **36** Ubesitshoni esithi, ‘Lizangidinga, kodwa lingangifumani,’ njalo wathi, ‘Lapho engikhona lingeke lifike?’” **37** Ngelanga lokucina elaliqakatheke kakhulu emkhosini, uJesu wasukuma wakhuluma ngelizwi elikhulu wathi, “Nxa ekhona owomileyo keze kimi azonatha. **38** Loba ngubani okholwa kimi njengoba uMbhala utshilo, imifula yamanzi aphilayo izageleza ngaphakathi kwakhe.” **39** Ngalokhu wayesitsho uMoya, okwakuzakuthi labo abakholwa kuye bamamukele ngesikhathi esizayo. Kuze kube

yilesosikhathi uMoya wawungakathelwa ebantwini, njengoba uJesu wayengakakhazimuliswa. **40** Sebewazwile amazwi akhe abanye bathi, “Ngeqiniso umuntu lo nguye umphrofethi.” **41** Abanye bathi, “Nguye uKhristu.” Abanye njalo babuza bathi, “Kungenzeka kanjani ukuthi uKhristu avele eGalile na? **42** UMbhalo kawutsho yini ukuthi uKhristu uzavela kusendo lukaDavida, eBhethlehem, umuzi lapho uDavida ayehlala khona.” **43** Kanjalo abantu badabukana phakathi ngenxa kaJesu. **44** Abanye babefuna ukumbamba, kodwa kakho owambeka isandla. **45** Amanxusa ethempelini acina esebuyela kubaphristi abakhulu labaFarisi athi, “Kungani lingezanga laye?” **46** Amanxusa afakaza athi, “Kakho osewake wakhuluma njengaloyamuntu.” **47** AbaFarisi bakhwaza bathi, “Litsho ukuthi lani uselikhohlisile? **48** Ukhona na kubabusi loba kubaFarisi osebeke ithemba lakhe kuye? **49** Hatshi! Kodwa inkunkuma yabantu le engazilutho ngezomthetho, iqalekisiwe.” **50** UNikhodimasi owayeye kuJesu mandulo, owayengomunye wabo wabuza wathi, **51** “Kanti umthetho wakithi uyamhlala na umuntu engaqalanga wabuzwa ukuthi yena uthini ngokwakhe?” **52** Baphendula bathi, “Lawe uvela eGalile yini? Ake ukudingisise, uzabona ukuthi kakulamphrofethi ongaphuma eGalile.” [**53** Ngakho bonke basuka baya emizini yabo.

8 Kodwa uJesu waya eNtabeni yama-Oliva. **2** Kwathi kusisa wabonakala njalo emagumeni ethempeli, abantu bonke babuthana kuye, wahlala phansi wabafundisa. **3** Abafundisi bomthetho labaFarisi baletha owesifazane owayebanjwe ephinga. Bamisa phambi kwabantu **4**

bathi kuJesu, “Mfundisi, owesifazane lo ukhandwe efeba. **5** EMthethweni uMosi wasilaya ukuthi abesifazane abanjalo kabakhandwe ngamatshe. Manje wena uthini?” **6** Umbuzo lo wawungumjibila wabo ukuze bazuze izaba lokumbeka icala. Kodwa uJesu wakhothama waseloba phansi ngomunwe. **7** Kwathi ngoba belokhu bephikelela ngokumbuza wabakhangela wathi kubo, “Nxa ekhona phakathi kwenu ongelasono kaqale ukumkhanda ngamatshe.” **8** Waphinda wakhothama waloba phansi emhlabathini. **9** Esetshonjalo labo abezwayo baqala ukuthi nyelele munye ngamunye bahamba, kwaqala ngabadala bakhona, kwaze kwasala uJesu yedwa lowesifazane lowo elokhu emi khonapho. **10** UJesu wamkhangela wambuza wathi, “Mama, kanti sebeye ngaphi? Kasekho yini okwethesa icala?” **11** Owesifazane wathi, “Kabasekho, nkosi.” UJesu waphendula wathi, “Lami-ke, kangikulahli, zihambele, kodwa ungaphindi wenze isono futhi.”] **12** Kwathi uJesu esekhuluma ebantwini njalo wathi, “Ngiyikukhanya komhlaba. Loba ngubani ongilandelayo kasoze ahambe ebumnyameni lanini kodwa uzakuba lokukhanya kokuphila.” **13** AbaFarisi bahle bamqaga bathi, “Nanko-ke, wena uyazifakazela; ubufakazi bakho kabulaqiniso.” **14** UJesu waphendula wathi, “Loba ngizifakazela mina, ubufakazi bami buqinisile ngoba ngiyakwazi lapho engavela khona lalapho engiyakhona. Kodwa lina kumnyama nje kini ukuthi ngivela ngaphi lokuthi ngiya ngaphi. **15** Lina lahlulela ngendlela yabantu; mina kangahluleli muntu. **16** Kodwa ngithi nxa ngingehlulela, izinqumo

zami zilungile ngoba kangingedwa. Ngimi loBaba ongithumileyo. **17** Emthethweni wenu kulotshiwe ukuthi ubufakazi babantu ababili buqinisile. **18** Yimi ngokwami engizifakazelayo; omunye umfakazi nguBaba ongithumileyo.” **19** Basebembuza bathi, “Ungaphi uyihlo?” UJesu waphendula wathi, “Kalingazi mina kanye loBaba. Aluba belingazi, belizamazi loBaba njalo.” **20** Wawakhuluma amazwi la efundisa egumeni lethempeli eduze lalapho okwakubekwa khona iminikelo. Kodwa kakho owambambayo ngoba isikhathi sakhe sasingakafiki. **21** Waphinda njalo uJesu wathi kubo, “Ngiyasuka lapha, futhi lizangidinga, kodwa lizafela esonweni senu. Lapho engiyakhona alingeke lize khona.” **22** AmaJuda asebuzzana athi, “Uzazibulala yini? Yikho yini esithi, ‘Lapho engiyakhona lingeke lize khona?’” **23** Kodwa waqhubeka wathi, “Lina lingabalapha phansi; mina ngivela phezulu. Lingabomhlaba; mina kangisiwalo umhlaba. **24** Ngilitshelile ukuthi lizafela ezonweni zenu; nxa lingakholwa ukuthi nginguye engithi nginguye, ngempela lizafela ezonweni zenu.” **25** Bambuza bathi, “Uvele ungubani?” UJesu waphendula wathi, “Khonokho ebengivele ngikutsho sonke lesisikhathi. **26** Kunengi engingahlulela ngakho. Kodwa lowo ongithumileyo uthembekile njalo lokho engikuzwileyo kusuka kuye ngikutshela umhlaba.” **27** Kabazange bazwisise ukuthi wayebatshela ngoYise. **28** Ngakho uJesu wasesithi, “Lapho seliyiphakamisile iNdodana yoMuntu lizakwazi ukuthi ngingubani lokuthi kangenzi lutho ngokwami kodwa ngikhuluma kuphela lokho uBaba angifundise khona. **29**

Lowo ongithumileyo ulami; kangitshiyanga ngingedwa ngoba ngihlezi ngisenza lokho okumthokozisayo.” **30** Wathi esakhuluma lokhu abanengi bakholwa kuye. **31** UJesu wathi kumaJuda amkholwayo, “Nxa libambelela emfundisweni yami lingabafundi bami ngempela. **32** Ngakho lizalazi iqiniso, njalo iqiniso lizalikhulula.” **33** Amphendula athi, “Siyinzalo ka-Abhrahama futhi kasizange lanini sibe yizigqili zamuntu. Ukutsho kanjani pho ukuthi sizakhululwa?” **34** UJesu waphendula wathi, “Ngiqinisile ngithi wonke owenza isono uyisigqili sesono. **35** Phela isigqili kasilandawo emiyo emulini, kodwa oyindodana ungowakhona lanininini. (aiōn g165) **36** Ngakho-ke, nxa iNdodana ilikhulula, lizakhululeka ngempela. **37** Ngiyakwazi ukuthi lingabosendo luka-Abhrahama. Kodwa selizimisele ukungibulala ngoba ilizwi lami kalilandawo kini. **38** Ngilitshela lokho engikubone phambi kukaBaba kodwa lina lenza lokho elikuzwileyo ngoyihlo.” **39** Aphendula athi, “U-Abhrahama nguye ubaba.” UJesu wathi, “Aluba belingabantwana baka-Abhrahama ngabe lenza izinto ezenziwa nguye u-Abhrahama. **40** Kodwa kunje nje lizimisele ukungibulala, mina muntu oselitshele iqiniso engilizwileyo livela kuNkulunkulu. U-Abhrahama kazenzanga izinto ezinjalo. **41** Lenza izinto ezenziwa ngowenu uyihlo.” Amvukela athi, “Kasisibantwana abazuzwa ngobufebe thina. UBaba esilaye kuphela nguNkulunkulu ngokwakhe.” **42** UJesu wathi kuwo, “Kube uNkulunkulu ubenguYihlo, belizangithanda ngoba ngavela kuNkulunkulu, okwamanje sengilapha. Kangizibuyelanga kodwa uNkulunkulu wangithuma. **43**

Kungani lingaluzwisisi ulimi engilukhulumayo na? Ngoba liyehluleka ukuzwa engikutshoyo. **44** Lingabakayihlo uSathane ngakho lifuna ukusenza isifiso sikayihlo. Wavele waba ngumbulali mdabuko wakhe, kemanga eqinisweni ngoba uvele engelalo iqiniso. Uthi nxa ewaqamba amanga, akhulume ulimi lomdabuko wakhe ngoba ungunsomangase loyise wamanga. **45** Kodwa kalingikhohle ngoba ngilitshela iqiniso! **46** Ukhona na kini ongaveza ukuthi ngilecala lesono? Nxa ngikhuluma iqiniso kungani lingangikhohle na? **47** Lowo ongokaNkulunkulu uyakuzwa lokho uNkulunkulu akutshoyo. Isizatho sokuthi lingezwa yikuthi kalisibo bakaNkulunkulu.” **48** AmaJuda aphenyula athi, “Siyalahleka yini nxa sisithi ungumSamariya njalo ulamadimoni?” **49** UJesu wathi, “Kangiladimoni mina, kodwa ngidumisa uBaba ikanti lina liyangigcona. **50** Kangizidingeli udumo mina kodwa ukhona olufunayo, yena ungumahluleli. **51** Nginyaqinisa ngithi, nxa umuntu egcina ilizwi lami kasoze akubone ukufa lanini.” (aiōn g165) **52** Esizwa lokhu amaJuda ababaza athi, “Khathezi sesisazi ukuthi uledimoni! U-Abrahama wafa kanye labo abaphrofethi kodwa wena uthi nxa umuntu egcina ilizwi lakho kasoze akuzwe ukufa lanini. (aiōn g165) **53** Wena umkhulu kulobaba u-Abrahama na? Wafa, kanye labo abaphrofethi. Wena uzenza bani na?” **54** UJesu waphendula wathi, “Nxa ngizidumisa mina ngokwami, luyize udumo lwami. UBaba, elithi unguNkulunkulu wenu nguyeyingidumisayo. **55** Lanxa lina lingamazi, mina ngiyamazi. Ngabe ngithe kangimazi, bengizabe ngingumqambi wamanga njengani kodwa

ngiyamazi njalo ngiyaligcina ilizwi lakhe. **56** Uyihlo u-Abhrahama wathakazelela umnakano wokulubona usuku lwami; walubona wathokoza.” **57** AmaJuda athi kuye, “Kawukafikisi iminyaka engamatshumi amahlanu obudala, kodwa uthi usumbonile u-Abhrahama!” **58** UJesu waphendula wathi, “Ngilitshela iqiniso ukuthi u-Abhrahama engakazalwa, mina ngasengikhona!” **59** Besizwa lokhu badobha amatshe befuna ukumkhanda kodwa uJesu wasithela, waphunyuka wasuka emagumeni ethempeli.

9 UJesu wathi elokhu ehamba wabona indoda eyayiyisiphofu kusukela ekuzalweni kwayo. **2** Abafundi bakhe bambuza bathi, “Rabi, ngubani owenza isono, indoda le loba abazali bayo ukuze izalwe iyisiphofu na?” **3** UJesu wathi, “Kakusikho ukuthi abazali bayo loba yona indoda le yenza isono kodwa lokhu kwenzakala ukuze umsebenzi kaNkulunkulu ubonakaliswe empilweni yayo. **4** Nxa kulokhu kusemini kumele siwenze umsebenzi wakhe ongithumileyo. Ubusuku buyeza lapho kungelamuntu ongasebenza khona. **5** Nxa ngisesemhlabeni, ngiyikukhanya komhlaba.” **6** Esekutshilo lokhu wakhafulela emhlabathini, wavuba udaka ngamathe walunameka emehlweni endoda. **7** Wayitshela wathi, “Hamba uyegeza esizibeni saseSilowami” (ibizo leli litsho ukuthi “Ukuthunywa”). Ngakho indoda yahamba yayageza, yabuyela ekhaya isibona. **8** Omakhelwane bayo lalabo abahlezi beyibona icela babuza bathi, “Kakusiyo yini indoda le eyayihlala icela?” **9** Abanye baqinisa ukuthi kwakuyiyo. Abanye

bathi, “Hatshi, lo ufana layo nje kuphela.” Kodwa yona yagcizelela yathi, “Ngiyiyo leyondoda.” **10** Bamjinga ngemibuzo bathi, “Pho amehlo akho avuleke kanjani?” **11** Waphendula wathi, “Indoda abayithi nguJesu ivube udaka yalunameka emehlweni ami. Ingitshele yathi kangiyi eSilowami ngiyegeza. Ngakho ngiyile ngayageza, ngasengibona.” **12** Bayibuza bathi, “Ingaphi leyondoda?” Wathi, “Kangazi.” **13** Indoda leyo eyayikade iyisiphofu ya lethwa kubaFarisi. **14** Usuku uJesu enza ngalo udaka wavula amehlo endoda leyo lwaluyiSabatha. **15** AbaFarisi baphinde bayibuzisisa ukuthi kwenziwani ukuze ibone. Indoda yaphendula yathi, “Uninde udaka emehlweni ami, ngageza, manje sengibona.” **16** Abanye abaFarisi bathi, “Umuntu lo kaveli kuNkulunkulu ngoba kaligcini iSabatha.” Kodwa abanye babuza bathi, “Isoni singayenza kanjani imimangaliso enje na?” Kanjalo adabukana. **17** Bacina sebhendukela endodeni eyayiyisiphofu njalo bathi, “Wena uthini ngaye? Ngamehlo akho awavulileyo.” Indoda yaphendula yathi, “Ungumphrofethi.” **18** AmaJuda kawazange akholwe ukuthi indoda le yayikade iyisiphofu lokuthi yayisiyenziwe yabona kwaze kwabizwa abazali bayo. **19** Bababuza bathi, “Lo yindodana yenu yini? Nguye lo elithi wazalwa eyisiphofu? Sekwenzeke kanjani ukuthi khathesi usebona?” **20** Abazali baphendula bathi, “Thina sazi ukuthi uyindodana yethu, njalo siyakwazi ukuthi wazalwa eyisiphofu. **21** Kodwa ukuthi khathesi usebona lokuthi amehlo akhe avulwe ngubani kasikwazi. Mbuzeni. Usekhulile; uzazikhulumela.” **22** Abazali bakhe bakutsho lokhu ngoba babesesaba amaJuda, ngoba amaJuda

Sebefikile wathi kubo, “Liyakwazi ukuthi ngaphila njani ngesikhathi sonke ngilani, kusukela ngosuku engafika ngalo esifundeni sase-Ezhiya. **19** Ngayikhonza iNkosi ngokuzithoba okukhulu langezinyembezi, loba ngangilingwa kabuhlungu ngamacebo amaJuda. **20** Liyakwazi ukuthi kangizange ngithikaze ukutshumayela loba yikuphi obekungaba luncedo kini kodwa ngalifundisa obala njalo ngingena izindlu ngezindlu. **21** Ngitshumayele kumaJuda lakumaGrikhi ukuthi kumele baphendukele kuNkulunkulu ngokuphenduka, bakholwe eNkosini yethu uJesu. **22** Okwamanje ngiqhutshwa nguMoya ukuthi ngiye eJerusalema loba ngingazi ukuthi kuzakwenzakalani kimi khonale. **23** Ngazi kuphela ukuthi kuwo wonke amadolobho uMoya oNgcwele ungixwayisa ukuthi ukubotshwa lobunzima kungimelele. **24** Kodwa eyami impilo ngiyibona ingasilutho kimi, injongo yami emqoka yikuqeda loluhambo lokufeza lumsebenzi engiwuphiwe yiNkosi uJesu, umsebenzi wokufakaza ivangeli lomusa kaNkulunkulu. **25** Khathesi ngiyazi ukuthi kakho kini engihambe ngitshumayela khona umbuso ozaphinda angibone futhi. **26** Ngakho ngiyafakaza kini lamuhla ukuthi kangilacala ngegazi labantu bonke. **27** Ngoba kangingabazanga ukutshumayela kini yonke intando kaNkulunkulu. **28** Zigcineni lina kanye lawo wonke umhlambi uMoya oNgcwele olenze laba ngabathungameli. Wobani ngabelusi bebandla likaNkulunkulu, owalithenga ngegazi lakhe. **29** Ngiyazi ukuthi nxa sengisukile lapha, impisi eziphangayo zizakuza phakathi kwenu ziwungenele umhlambi. **30** Laphakathi kwenu kuzavela

abantu abazalihlanekela iqiniso ukuze abanye abafundi babalandele. **31** Ngakho lihlale liqaphele! Khumbulani ukuthi okweminyaka emithathu kangizange ngiphumule ukuxwayisa omunye lomunye wenu ubusuku lemini ngezinyembezi. **32** Khathesi ngilinkela kuNkulunkulu laselizwini lomusa wakhe elilamandla okulakha lokulipha ilifa phakathi kwabo bonke abangcwelisiweyo. **33** Kangihawukelanga siliva samuntu, loba igolide kumbe izembatho. **34** Lina ngokwenu liyakwazi ukuthi izandla zami lezi zagcwalisa zonke izinswelo zami lezabakhula bami. **35** Kukho konke engakwenzayo ngalibonisa ukuthi ngalindlela yokusebenza nzima kumele sizione ababuthakathaka, sikhumbula amazwi eNkosi uJesu athi, ‘Kubusiseke kakhulu ukupha ukwedlula ukwamukela.’” **36** Esekutshilo lokhu waguqa phansi kanye labo bonke, wakhuleka. **37** Bonke bakhala lapho bemgona lokumanga. **38** Okwabadanisa kakhulu kwaba yilizwi lakhe lokuthi babengasayikuphinde babubone njalo ubuso bakhe. Basebemphelekezela emkhunjini.

21 Sathi sesizehlukanise kubo ngobuhlungu, sawela ulwandle saqonda nta eKhosi. Ngosuku olulandelayo saya eRodi, sasuka khona saya ePhathara. **2** Safumana umkhumbi owawuchaphela eFenikhiya, sangena kuwo, sahamba. **3** Sayithi tshazi iSiphrazi, sedlula ngeningizimu kwayo, saya e-Asiriya. Sakhuphukela eThire lapho umkhumbi wethu wawuzakwethula khona umthwalo wawo. **4** Safumana abafundi khona, sahlala labo insuku eziyisikhombisa. Baholwa nguMoya ukuthi bamncenge uPhawuli ukuthi angayi eJerusalema. **5** Kodwa isikhathi

sethu sesifikile, sasuka saqhubeka ngohambo lwethu. Bonke abafundi lamakhosikazi abo kanye labantwana basiphelekezela basikhupha edolobheni, safika okhunjini saguqa sakhuleka. **6** Sesivalelisene, sangena emkhunjini, bona babuyela emakhaya. **7** Saqhubeka ngohambo lwethu sisuka eThire sayakhuphukela ePhetholemayi, lapho sabingelela abazalwane, sahlala labo usuku lonke. **8** Sasuka ngelanga elilandelayo safika eKhesariya sayahlala endlini kaFiliphu umvangeli, engomunye wabayisiKhombisa. **9** Wayelamadodakazi amane angendanga njalo ephrofitha. **10** Sesihlale insuku ezimbalwa kwafika umphrofethi owayethiwa ngu-Agabhasi evela eJudiya. **11** Weza kithi, wathatha ibhanti likaPhawuli, wazibopha izandla lezinyawo zakhe ngalo, wathi, “UMoya oNgcwele uthi, ‘Ngayonale indlela amaJuda aseJerusalema azabopha umninibhanti leli abesemnikela kwabeZizwe.’” **12** Sathi sikuzwa lokhu sonke labantu bakhonapho sancengana loPhawuli ukuthi angayi eJerusalema. **13** Uphawuli waphendula wathi, “Likhalelani lingidabula inhliziyo yami na? Kangilungelanga ukubotshwa kuphela, kodwa lokufa eJerusalema ngifela ibizo leNkosi uJesu.” **14** Kwathi ngoba engancengeki sadela sathi, “Mayenzeke intando yeNkosi.” **15** Ngemva kwalokhu, salungisa sasesisiya eJerusalema. **16** Abafundi abathile abaseKhesariya basiphelekezela basisa emzini kaMnasoni lapho esasizahlala khona. Wayeyindoda edabuka eSiphrazi, engomunye wabafundi bakuqala. **17** Ekufikeni kwethu eJerusalema abazalwane basamukela ngokuthokoza. **18** Ngosuku olulandelayo uPhawuli lathi sonke sahamba ukuyabona uJakhobe,

bonke abadala babekhona. **19** UPhawuli wababingelela, wabika ngokugcweleyo konke uNkulunkulu ayekwenzile kwabeZizwe ngokusebenza kwakhe. **20** Bathi sebekuzwile lokhu bamdumisa uNkulunkulu. Ngakho basebesithi kuPhawuli, “Uyabona mzalwane ukuthi izinkulungwane ezinengi zamaJuda sezikholiwe njalo wonke atshisekela umlayo. **21** Sebetshelwe ukuthi wena ufundisa wonke amaJuda ahlala phakathi kwabeZizwe ukuthi afulathele uMosi, ubatshela ukuthi angasoki abantwababo lokuthi angalandeli amasiko ethu. **22** Pho senzeni? Ngeqiniso bazakuzwa ukuthi usufikile, **23** ngakho yenza lokhu esikutshela khona. Kulamadoda amane phakathi kwethu asenze isifungo. **24** Hamba lawo amadoda la, ubambisane lawo emkhutsheni wokuzihlambulula, uwabhadalele izindleko zawo zakhona ukuze aphuce amakhanda awo. Ngakho umuntu wonke uzakwazi ukuthi akulaqiniso kulimibiko ngawe, kodwa babone ukuthi wena ngokwakho uphila ngokulandela umlayo. **25** AbeZizwe bona abakholwayo sesibalobele ngesinqumo sethu ukuthi kabaxwaye ukudla okunikelwe ezithombeni, bangadli ububende, lenyama yenyamazana ekhanyiweyo lokuhlobonga.” **26** Ngosuku olulandelayo uPhawuli wawathatha lawomadoda wayazihlambulula kanye lawo. Wasesiya ethempelini ukuyakwazisa ngosuku lokuphela kwensuku zokuhlambulula lokuthi umnikelo walowo lalowo wabo wawuzakwenziwa nini. **27** Kwathi lezinsuku eziyisikhombisa sezizaphela, amaJuda athile esifunda sase-Ezhiya abona uPhawuli ethempelini. Alidunga lonke ixuku ambamba **28** ehlaba umkhosi

esithi, “Madoda ako-Israyeli; sibambiseni! Yiyo le indoda efundisa abantu bonke ezindaweni zonke okuphambene labantu bakithi lomlayo wakithi kanye lendawo le. Ngaphandle kwalokho, usengenise amaGrikhi emagumeni ethempeli wangcolisa indawo le eNgcwele.”

29 (Mandulo babebone uThrofimasi wase-Efesu edolobheni eloPhawuli basebekhumbula ukuthi uPhawuli wayeze laye emagumeni ethempeli.) **30** Idolobho lonke laphithizela, abantu beza begijima beqhamuka inxa zonke. Bamdumela uPhawuli bamhudula bemsusa ethempelini, amasango alo ahle avalwa. **31** Bathi besazama ukumbulala, umbiko wafika kumlawuli wamabutho amaRoma ukuthi idolobho lonke laseJerusalema laseliphithizela. **32** Khonokho nje wathatha abanye abaphathi kanye lamabutho wagijimela esiphithiphithini lesa. Kwathi labo ababevusa uthuli bebona umlawuli lamabutho akhe bema ukutshaya uPhawuli. **33** Umlawuli weza wafika wambopha wathi kabotshwe ngamaketane amabili. Wasembuza ukuthi wayengubani lokuthi wayoneni. **34** Abathile exukwini bamemeza lokhu, abanye bamemeza okunye, kwasekusithi ngoba umlawuli engalizwa iqiniso ngenxa yokuxokozela waselaya ukuthi uPhawuli kasiwe enkambeni yamabutho. **35** Esefikile ezinyathelweni zokuqansela endlini, abantu baphithizela ngamandla waze wathwalwa ngamabutho. **36** Ixuku elalilandela laphikelela limemeza lisithi, “Msusele amanqe!” **37** Amabutho esathi amngenisa ngaphakathi, uPhawuli wacela kumlawuli wathi, “Ngingaba lelizwi lawe na?” Yena waphendula wathi, “Uyasikhuluma yini isiGrikhi? **38** Kawusuye

yini umGibhithe owaqala umvukela, wakhokhela izinkulungwane ezine zamathekulambuso enkangala?” 39 UPhawuli waphendula wathi, “NgingumJuda waseThasasi eSilisiya, isakhamuzi sedolobho elihloniphekayo. Ngicela ukuthi kengikhulume labantu laba.” 40 Esethole imvumo kumlawuli, uPhawuli wema ezinyathelweni zokuqansela endlini wathulisa ixuku ngesandla. Kwathi bonke sebethule wakhuluma kubo ngesiHebheru wathi,

22 “Bazalwane labobaba, manje lalelani lizwe ukuzivikela kwami.” 2 Bathi bemuzwa ekhuluma kubo ngesiHebheru bathula zwi. UPhawuli wasesithi, 3 “Mina ngingumJuda owazalelwa eThasasi eseSilisiya, kodwa ngakhulela kulonaleli idolobho. Ngafunda ngaphansi kukaGamaliyeli, ngafundiswa okugcweleyo ngomlayo wabokhokho, lami ngakhuthalela uNkulunkulu njengani lamuhla. 4 Ngabahlukuluza abalandeli bale iNdlela baze bafa, ngibopha abesilisa labesifazane ngibaphosela entolongweni, 5 into engafakazwa ngumphristi omkhulu kanye lenkundla. Ngaze ngathola izincwadi kubo zisiya kubazalwane babo eDamaseko, ngaya khona ngifuna ukuba letha labobantu beyizibotshwa eJerusalema ukuthi bazojeziswa. 6 Kwathi sekungaba yimini enkulu sengisondela eDamaseko, masinyane kwaphazima ukukhanya kuvela ezulwini kwangizingelezela. 7 Ngawela phansi, ngezwa ilizwi lisithi kimi, ‘Sawuli! Sawuli! Ungihlukuluzelani na?’ 8 Ngabuza ngathi, ‘Ungubani, Nkosi?’ Waphendula wathi, ‘NginguJesu waseNazareth omhlukuluzayo.’ 9 Ababengiphelekezela bakubona ukukhanya, kodwa kabalizwanga ilizwi lalowo

owayekhuluma lami. **10** Ngabuza ngathi, ‘Kumele ngenzeni Nkosi?’ INkosi yathi, ‘Phakama uye eDamaseko. Khonale uzatshelwa konke osumiselwe ukuthi ukwenze.’

11 Abaphelekezeli bami bangihola ngesandla bangisa eDamaseko ngoba inkazimulo yokukhanya yayingenze ngaba yisiphofu. **12** Indoda eyayithiwa ngu-Ananiya yeza yazangibona. Yayingumlandeli omkhulu womlayo njalo ihlonitshwa kakhulu yiwo wonke amaJuda ayehlala khona. **13** Wema eceleni kwami wathi, ‘Mzalwane Sawuli, bona njalo!’ Ngalesosikhathi ngahle ngazuza amandla okumbona. **14** Wasesithi, ‘UNkulunkulu wabokhokho bethu usekukhethile ukuthi uyazi intando yakhe lokuthi umbone oLungileyo lokuba uzwe amazwi aphuma emlonyeni wakhe. **15** Uzakuba ngufakazi wakhe ebantwini bonke ngalokho okubonileyo lokuzwileyo. **16** Pho usalindeni? Sukuma ubhaphathizwe, ugeze izono zakho, ubiza ibizo lakhe.’ **17** Ngithe sengibuyile eJerusalema ngikhuleka ethempelini, ngafikelwa yisiyeziphupho, **18** ngabona iNkosi ikhuluma isithi kimi, ‘Phangisa! Suka masinyane eJerusalema ngoba kabayikubamukela ubufakazi bakho ngami.’ **19** Ngaphendula ngathi, ‘Nkosi, lababantu bayakwazi ukuthi nganginquma lamasinagogu ngibabopha njalo ngibatshaya labo abakholwa kuwe. **20** Lalapho kuchithwa igazi lomfakazi wakho uStefane ngangimi khonapho ngivumelana labo njalo ngilinde izigqoko zalabo ababembulala.’ **21** INkosi yasisithi kimi, ‘Hamba; ngizakuthumela kude kwabeZizwe.’” **22** Abantu bamlalela uPhawuli sonke isikhathi, kodwa esetsho lokhu bavungama bamemeza bathi, “Kasuswe

emhlabeni lo umuntu! Kamelanga aphile!” 23 Bathi sebeklabalala, behlubula amajazi abo, njalo bephosa uthuli emoyeni, 24 umlawuli wamabutho walaya ukuthi uPhawuli kangeniswe enkambeni yamabutho. Wayala ukuthi atshaywe njalo abuzisiswe ukuthi kungani abantu bemvukela kanje. 25 Bathi sebemlalisa phansi ukuthi bambhaxabule bembophile, uPhawuli wathi kumphathi wekhulu owayemi khonapho, “Kusemthethweni yini ukuthi utshaye umuntu ongumRoma ongetheswanga cala na?” 26 Umphathi wekhulu esekuzwile lokho wayabikela umlawuli wamabutho wathi, “Usuzathini manje? Indoda le ingumRoma.” 27 Umlawuli wamabutho waya kuPhawuli wambuza wathi, “Ake ungitshela, kanti ungumRoma na?” Wathi, “Yebo, nginguye.” 28 Umlawuli wamabutho wasesithi, “Mina ngahlawula imali ukuthi ngithole ilungelo lokuba ngumRoma.” UPhawuli waphendula wathi, “Kodwa mina nginguye ngokuzalwa.” 29 Labo abasebelungele ukumbuzisisa bahle batshedela emuva masinyane. Umlawuli webutho ngokwakhe wethuka esenanzelela ukuthi wayebophe uPhawuli, umRoma, ngamaketane. 30 Ngosuku olulandelayo, njengoba umlawuli wamabutho wayefuna ukwazi isibili ukuthi kungani uPhawuli wayebekwa icala ngamaJuda, wamkhulula walaya abaphristi abakhulu leSanihedrini yonke ukuthi bahlangane. Wasemletha uPhawuli wamisa phambi kwabo.

23 UPhawuli wawujolozela umphakathi weSanihedrini wathi, “Bazalwane, sengiwugcwalisile umlandu wami kuNkulunkulu ngenhliziyo eqotho kuze kube lamuhla.”

2 Umphristi omkhulu, u-Ananiya, kwamcunula lokhu, watshela labo ababemi eduze kukaPhawuli ukuthi bamukule umlomo. 3 UPhawuli wathi kuye, “UNkulunkulu uzakumukula, wena mduli oconjwe ngekalaga emhlophe! Lapha uhlalele ukungahlulela ngomthetho, ikanti wena ngokwakho uyaweqa umthetho ngokulaya ukuthi ngitshaywe!” 4 Labo ababemi eduze kukaPhawuli bathi, “Ulesibindi sokuthuka umphristi omkhulu kaNkulunkulu wena?” 5 UPhawuli waphendula wathi, “Bazalwane, bengingazi ukuthi ungumphristi omkhulu; ngoba kulotshiwe ukuthi: ‘Ungakhulumi okubi ngombusi wabantu bakini.’” 6 UPhawuli wayesazi ukuthi abanye babo babe ngamaSadusi, abanye bengabaFarisi, wasememeza phakathi kweSanihedrini wathi, “Bazalwane, mina ngingumFarisi, indodana yomFarisi. Ngithoniselwa ukuthi ngilethemba lokuvuka kwabafileyo.” 7 Wathi ngokutsho lokhu, kwavuka umsindo phakathi kwabaFarisi lamaSadusi, umphakathi wasudabukana phakathi. 8 (AmaSadusi athi kakulakuvuka ekufeni, lokuthi kakulazingilosi loba imimoya, kodwa abaFarisi bayakuvuma konke lokho ukuthi kukhona.) 9 Kwaba lokuxokozela okukhulu, kwathi abanye abafundisi bomthetho ababe ngabaFarisi basukuma bayidaza inkani. Bathi, “Kasiboni lutho olubi ngendoda le. Mhlawumbe umoya kumbe ingilosi ikhulume kuye ke?” 10 Yavutha inkani umlawuli webutho waze wesaba ukuthi uPhawuli sebengamdabudabula. Waselaya amabutho ukuthi ahle amsuse kubo ngamandla amlethe enkambeni yamabutho. 11 Ngobusuku obulandelayo iNkosi yema

eduze kukaPhawuli yathi, “Iba lesibindi! Njengoba usufakaze ngami eJerusalema, kusamele njalo uyofakaza eRoma.” **12** Ngosuku olulandelayo amaJuda abumba icebo njalo enza isifungo sokuthi kawayikudla kumbe anathe engakambulali uPhawuli. **13** Kwakungamadoda edlula amatshumi amane ayehambisana lalelocebo. **14** Baya kubaphristi abakhulu labadala bathi, “Sesifunge ijoyi lokuthi kasiyikudla lutho size simbulale uPhawuli. **15** Ngakho-ke lina leSanihedrini khalazani kumlawuli webutho ukuthi amlethe kini ngenhloso yokuthi lifuna ubufakazi obugcweleyo ngecala lakhe. Thina sesilungisile ukuthi simbulale engakafiki lapha.” **16** Kodwa kwathi ukuba indodana kadadewabo kaPhawuli isilizwile lelicebo, yaya enkambeni yamabutho yayamtshela uPhawuli. **17** UPhawuli wasebiza omunye umphathi wekhulu wathi, “Hamba lejaha leli kumlawuli wamabutho; kukhona elifuna ukukutsho kuye.” **18** Ngakho wasemusa kumlawuli. Umphathi wekhulu wathi, “Isibotshwa esinguPhawuli singibizile sangicela ukuthi ngilethe ijaha leli kuwe ngoba kukhona elifuna ukukutshela khona.” **19** Umlawuli wamthatha lowojaha, wambamba ngesandla waya laye eceleni, wambuza wathi, “Kuyini ofuna ukungitshela khona?” **20** Wathi: “AmaJuda asevumelene ukuthi akucele wena ukuthi ulethe uPhawuli phambi kweSanihedrini kusasa ngenhloso yokuthi afuna ingcazelo epheleleyo mayelana laye. **21** Ungabavumeli ngoba abeqa amatshumi amane bawo bazamcathamela. Asenze isifungo sokuthi angadli njalo anganathi engakabulali uPhawuli. Kunje nje sebelungile, sebelindele invumo yakho ngesicelo sabo.”

22 Umlawuli wathi kahambe umfana, wamqonqosela wathi, “Ungatsheli muntu ukuthi usungazisile ngalokhu.”

23 Wasebiza abaphathi bebutho ababili wabalaya wathi, “Lungisani ixuku lamabutho angamakhulu amabili, abagadi bamabhiza abangamatshumi ayisikhombisa labangamakhulu amabili abahlome ngemikhonto ukuthi baye eKhesariya lamuhla ebusuku ngehola lesithathu. 24 Lilungisele loPhawuli amabhiza ukuze asiwe kuMbusi uFelikhe evikelekile.”

25 Wabhala incwadi kanje:

26 Klawudiyasi Lisiya, Kumhlekaazi, uMbusi uFelikhe: Ngiyabingelela. 27 Indoda le yabanjwa ngamaJuda, okwathi esezama ukuyibulala ngafika lamabutho ami sayilamulela ngoba ngasengizwile ukuthi ingumRoma.

28 Ngadinga ukwazi ukuthi ayesithi yoneni, yikho ngayiletha phambi kweSanihedrini yawo. 29 Ngezwa ukuthi icala layo laliphathelene lomlayo wawo, kodwa kwasweleka icala elingafanela ukufa loba ukugwetshelwa entolongweni. 30 Ngithe sengilunywe indlebe ngecebo lokuyibulala ngahle ngayedlulisela kuwe. Ngiphinde ngatshela omayimangalela ukuthi bazokwethula kuwe abamangalela ngakho. 31 Ngakho amabutho azilandela lezo ziqondiso amthatha uPhawuli ebusuku ayamfikisa e-Antiphatrini. 32 Ngosuku olulandelayo amabutho amtshiya leqembu labagade amabhiza ukuthi liqhubeke laye, bona babuyela enkambeni. 33 Kwathi abamabhiza sebefikile eKhesariya bayethula incwadi kumbusi loPhawuli laye bamnikela kuye. 34 Umbusi wayibala incwadi wambuza ukuthi wayedabuka kusiphi isifunda. Esezwile ukuthi wayengoweSilisiya, 35 Wathi, “Icala lakho ngizalhlola nxa

labo abakumangalelayo sebefikile lapha.” Waselaya ukuthi uPhawuli agcinwe elindiwe esigodlweni sikaHerodi.

24 Ngemva kwensuku ezinhlanu umphristi omkhulu u-Ananiya wehlela eKhesariya labadala abathile kanye lomeli owayethiwa nguThethula, bafika beneka ukumangalela kwabo uPhawuli kumbusi. **2** UPhawuli esebiziwe, uThethula walethula icala kuFelikhe wathi: “Mhlekaazi! Ngaphansi kombuso wakho sesikholise isikhathi sokuthula eside, ikanti lombono wakho usulethe intuthuko kulesisizwe. **3** Yonke indawo, ngazonke izindlela, mhlekazi omuhle Felikhe, siyakwamukela konke lokhu ngokubonga okukhulu. **4** Kodwa ukuthi ngingakuchitheli isikhathi, ngiyakucela ukuthi uke usizwe kancinyane esikutshoyo. **5** Indoda le siyifumane ukuthi iluhlupho, ivusa isiphithiphithi phakathi kwamaJuda kuwo wonke umhlaba. Ingumholi wequla lamaNazarini **6** futhi yazama njalo ukungcolisa ithempeli; yikho sayibamba. Sasifuna ukumahlulela ngokomlayo wethu. [**7** Kodwa umlawuli uLisiya weza wazamthatha ngodlakela ezandleni zethu, wathi obamangalelayo kabeze phambi kwakhe]. **8** Ngokumhlola wena ngokwakho uzalibona iqiniso ngazonke lezizinto esimangalela ngazo.” **9** AmaJuda lawo ayingenela indaba eqinisa ukuthi lezizinto zaziliqiniso. **10** Kwathi umbusi esemphile ithuba lokuthi akhulume uPhawuli waphendula wathi: “Ngiyazi ukuthi usube ngumahluli walesisizwe okweminyaka eminingi; ngakho ngizivikela ngesibindi langentokozo. **11** Ungalithola iqiniso lokuthi kakudluli insuku ezilitshumi lambili ngiyile eJerusalema

ukuyakhonza. **12** Abangimangalelayo kabazange bangifumane ngiphikisana lomuntu ethempelini, loba ngitshotshozela amaxuku emasinagogweni kumbe ngaphi edolobheni. **13** Bangezake balethe ubufakazi kuwe balezizinto abangimangalela ngazo. **14** Kodwa ngiyavuma ukuthi ngikhonza uNkulunkulu wabokhokho bethu, njengomlandeli weNdlela abayibiza ngokuthi ngumvukela. Ngiyakukholwa konke okuvumelana loMlayo lokubhaliweyo kubaphrofethi, **15** njalo ngilethemba elifana lelamadoda la kuNkulunkulu, ukuthi kuzakuba lokuvuka kwabafileyo, abalungileyo lababi. **16** Ngakho ngiyazama kokuphela ukuba isazela sami sihlale sihlanzekile phambi kukaNkulunkulu laphambi kwabantu. **17** Ngemva kweminyaka eminengi ngingekho, ngeza eJerusalema ukuletha izipho zabaswelayo ebantwini bakithi lokwethula iminikelo. **18** Ngangihlanzekile ngokomkhuba baze bangifumane ethempelini ngisenza lokhu. Kwakungelaxuku labantu elalilami, kumbe ukuthi ngangiphazamisa ngokuthile. **19** Kodwa kukhona amaJuda athile avela esifundeni sase-Ezhiya, okufanele ukuthi ngabe akhona lapha phambi kwakho, angethese icala nxa kukhona akusolayo ngami. **20** Kumbe wonala akhona kawachaze ukuthi licala bani alifumanayo kimi mhlazana ngimi eSanihedrini, **21** ngaphandle kwalokhu kodwa engakumemezayo ngimi phambi kwawo ukuthi: ‘Kungenxa yokuvuka kwabafileyo okwenza ngithonisiswe phambi kwenu lamuhla.’” **22** Ngakho uFelikhe, owayesazi kakhulu ngeNdlela walimisa icala. Wathi, “Kuzakuthi nxa uLisiya umlawuli angafika

ngizaliquuma icala lenu.” **23** Walaya umphathi wekhulu ukuthi agcine uPhawuli elindiwe kodwa amvumele ukukhululeka okuthile kanye labangane bakhe ukuthi bamuphe lokho akuswelayo. **24** Ngemva kwensuku ezinengi uFelikhe wafika lomkakhe uDrusila owaye ngumJudakazi. Wathi kakubizwe uPhawuli, wamlalela echaza ngokukholwa kuJesu Khristu. **25** UPhawuli wathi esebalisa ngokulunga, langokuzithiba langokwahlulelwa okuzayo uFelikhe wesaba wathi, “Sekwanele okwamanje! Usungahamba. Kungaze kulunge njalo ngizakubiza.” **26** Yena wayecabanga ukuthi uPhawuli uzamupha imali yokumfumbathisa, yikho wayembiza futhifuthi ekhuluma laye. **27** Isidlule iminyaka emibili, uFelikhe walandelwa esikhundleni nguPhokhiyu Festasi, kodwa ngoba uFelikhe wayefuna ukuthabisa amaJuda, watshiya uPhawuli elokhu esentolongweni.

25 Ngemva kwensuku ezintathu efikile esifundeni uFestasi, wasuka eKhesariya waya eJerusalema **2** lapho abaphristi abakhulu labakhokheli bamaJuda bema phambi kwakhe beneka amacala kaPhawuli. **3** Bamcela ngokuphangisa uFestasi, ukuba abenzele umusa, abalethele uPhawuli eJerusalema, ngoba babeceba ukumcathamela bambulale endleleni. **4** UFestasi waphendula wathi, “UPhawuli uvalelwe eKhesariya, njalo mina ngokwami Ngiya khona masinyane. **5** Akuthi abanye abakhokheli bakini bahambe lami bafike bamethese amacala khonale, nxa kukhona akonileyo.” **6** Eshlale insuku eziyisificaminwembili loba ezilitshumi labo, wehlela eKhesariya, kwathi

ngosuku olulandelayo wangenisa inkundla wathi kaletshwe uPhawuli phambi kwakhe. **7** Esefikile uPhawuli amaJuda ayebuyile evela eJerusalema ambuthanela, ethula amacala amanengi esabekayo ngaye, kodwa engelabufakazi ngawo. **8** UPhawuli wasezivikela wathi, “Angenzanga lutho oluphikisa umlayo wamaJuda kumbe ukudumaza ithempeli, kumbe oluphikisa uKhesari.” **9** UFestasi wayefuna ukwenzela amaJuda umusa, wathi kuPhawuli, “Uyavuma na ukuya eJerusalema ukuthi ngiyekuthonisela khona amacala la?” **10** Waphendula uPhawuli wathi, “Khathesi sengisiyakuma phambi kwenkundla kaKhesari, lapho engifanele ukuthonisiswa khona. Kangonanga lutho kumaJuda, njengoba lawe usazi kakuhle. **11** Kodwa, nxa ngilecala lokwenza loba yini efanele ukufa kangali ukubulawa. Kodwa nxa lawomacala engiwetheswa ngamaJuda la engasiqiniso, kakho olelungelo lokunginikela kuwo. Ngilidlulisela kuKhesari!” **12** UFestasi esehlenganise amakhanda lomphakathi wakhe, wathi, “Usulidlulisele kuKhesari. Uzakuya-ke kuKhesari!” **13** Sekuyizinsuku ezimbalwa ngemva kwalokho iNkosi u-Agripha loBhenikhe bafika eKhesariya ukuyaqinisa ubudlelwano laye uFestasi. **14** Njengoba babezachitha insuku ezinengi khona, uFestasi wakhuluma leNkosi ngendaba kaPhawuli. Wathi, “Kulendoda lapha eyatshiywa nguFelikhe iyisibotshwa. **15** Ngathi ngiseJerusalema, abaphristi abakhulu labadala bamaJuda bayimangalela ngamacala athile, bacela ukuthi ibulawe. **16** Ngabatshela ukuthi kakusimkhuba wamaRoma ukunikela umuntu engakahlanganiswa

labamangaleli bakhe, waphiwa ithuba lokuzivikela kulawo macala abambeka wona. **17** Bathi sebefikile lapha behamba lami, ngahle ngalingenisa icala, kodwa inkundla ngayihlanganisa ngosuku olulandelayo, ngathi indoda leyo kayingeniswe. **18** Sebephakamile ukuba bakhulume, kabasambekanga lawomacala engangi-wakhumbula. **19** Kodwa, kulezinto ezithile ababephikisana ngazo laye mayelana lenkolo yabo langenye indoda eyafayo ethiwa nguJesu, uPhawuli athi yena iyaphila. **20** Ngisuke ngadideka ukuthi ngizicubungule njani izindaba ezinjalo; yikho ngimbuzile ukuthi angavuma yini ukuya eJerusalema ayethonisiswa khona ngamacala la. **21** Kuthe uPhawuli esethe ucela icala lakhe limiswe liyoqunywa nguMbusi oMkhulu, ngathi kagcinwe entolongweni ngize ngimdlulisele kuKhesari.” **22** U-Agripha wasesithi kuFestasi, “Ngifuna ukuthi kengiyizwe mina ngokwami indoda leyo.” Waphendula wathi, “Uzayizwa kusasa.” **23** Kusisa u-Agripha loBhenikhe bafika ngodumo olukhulu bangena emthethwandaba lezikhulu zakhona ezaziwayo kanye labakhokheli bedolobho. UFestasi wathi uPhawuli kalethwe. **24** UFestasi wasesithi, “Nkosi Agripha, lani lonke elikhona lathi lapha, liyayibona indoda le! Sonke isizwe samaJuda eJerusalema lakhona lapha eKhesariya senza isikhalazo kimi bememeza ukuthi kayisafanelanga ukuthi ibe ilokhu iphila. **25** Ngafumana ukuthi kwakungelalutho alwenzayo olufanele ukufa, kodwa ngenxa yokuthi wacela ukudluliselwa kuMbusi oMkhulu, ngakhetha ukuthi ngimdlulisele eRoma. **26** Kodwa kakulalutho olubambekayo engizalulobela uMhlekezazi ngaye. Ngakho

sengimlethe lapha phambi kwenu lonke, ikakhulu phambi kwakho wena Nkosi Agripa, ukuze kuthi ngemva kokumhlola hlezi ngithole ulutho engingaluloba. 27 Ngibona kungaba liphutha elikhulu ukuthumela isibotshwa ngingacacanga ngamacala esiwetheswayo.”

26 U-Agripa wasesithi kuPhawuli, “Ulemvumo yokuzikhulumela.” Ngakho uPhawuli wasephakamisa isandla sakhe waqalisa ukuzivikela, wathi, 2 “Nkosi Agripa, ngizibona ngilenhlanhla ukuma phambi kwakho lamuhla ngisethula ukuzivikela kwami kuwo wonke amacala engiwetheswa ngamaJuda, 3 ikakhulu njengoba wena uwazi amasiko amaJuda kanye lokuphikisana kwawo. Ngakho ngiyakucela ukuthi ungilalele ngokubekezela. 4 AmaJuda wonke ayayazi impilo engiyiphilileyo kusukela ebuntwaneni bami, ekuqaleni kokuphila kwami elizweni lakithi njalo laseJeruselema. 5 Sebengazi okwesikhathi eside njalo bangafakaza nxa bethanda, ukuthi ngenhlelo zenkolo yethu eqinileyo, ngangiphila ngingumFarisi. 6 Manje sekungenxa yethemba lami kulokho uNkulunkulu akuthembisa okhokho bethu okwenza ngithonisiswe lamuhla. 7 Lesi yiso isithembiso esilindelwe yizizwana zakithi ezilitshumi lambili ukuthi zizasibona sigcwaliseka zilokhu zimkhonza uNkulunkulu ngokutshiseka emini lebusuku. Mhlekezi, kungenxa yalo lelithemba engimangalelwa lona ngamaJuda. 8 Kungenzakala kanjani ukuthi phakathi kwenu kube yinto engakholekiyo ukuthi uNkulunkulu uyabavusa abafuleyo na? 9 Lami ngokwami ngangizimisele ukuthi ngenze yonke imizamo

yokuphikisana lebizu likaJesu waseNazarethu. **10** Lakanye yikho lokho engakwenzayo eJerusalema. Ngaphiwa amandla ngabaphristi abakhulu ngaphosela abanengi abangcwele entolongweni, kwathi ekubulaweni kwabo lami ngasekela ukubalahla. **11** Izikhathi ezinengi ngangihamba nginquma lamasinagogu ngisithi kabajeziswe, ngazama njalo ukubabamba ngamandla ukuthi bahlambaze uJesu. Ngathi ngihlanyiswa yikubazonda ngaya lakwamanye amadolobho aseziweni ukuyabahlukuluza khona. **12** Kolunye uhambo lwami ngalubangisa eDamaseko ngilamandla lomlayo engawuphiwa ngabaphristi abakhulu. **13** Kwathi sekungaba yimini enkulu ngisendleleni Mhlekezi Agripa, ngabona ukukhanya kuvela ezulwini, kukhazimula ukwedlula ilanga, kungizingezelele kanye labakhula bami. **14** Sonke sawela phansi, ngezwa ilizwi lisithi kimi, ngesiHebheru, 'Sawuli, Sawuli ungihlukuluzelani na? Kubuhlungu kuwe ukukhahlela izinciji.' **15** Ngasengibuza ngathi, 'Ungubani, Nkosi?' INkosi yaphendula yathi, 'NginguJesu omhlukuluzayo. **16** Phakama khathesi ume ngezinyawo zakho. Ngizibonise kuwe ukuthi ngikukhethe ukuba yinceku njalo ube ngufakazi walokho osukubonile ngami, lalokho engisazakutshengisa khona. **17** Ngizakuphephisa ebantwini bakini lakwabeZizwe. Ngikuthuma **18** ukuthi uvule amehlo abo, ubaphendule basuke ebumnyameni baye ekukhanyeni, njalo basuke emandleni kaSathane baye kuNkulunkulu ukuze bemukele ukuthethelelwa kwezono lendawo phakathi kwalabo abangcwelise ngokukholwa kimi.' **19** Ngakho-

ke, Nkosi Agripha, kangiqholozelanga umbono ovela ezulwini. **20** Ngaqala ngaba seDamaseko, kwalandela abaseJerusalema laseJudiya lonke, kwalandela labeZizwe labo, ngatshumayela ukuthi kumele baphenduke babuyele kuNkulunkulu njalo babonise ukuphenduka kwabo ngezenzo zabo. **21** Kungaleso isizatho okwenza amaJuda angibamba ngisemagumeni ethempeli azama ukungibulala. **22** Kodwa uNkulunkulu ungiphephisile kuze kube namuhla, yikho ngimi lapha ngifakaza kwabancinyane labakhulu ngokufananayo. Kakulalutho engilutshoyo ngaphezu kwalokho abaphrofethi loMosi abathi kuzakwenzakala, **23** ukuthi uKhristu wayezahlupheka, njalo njengowokuqala ukuvuka kwabafileyo, atshumayele ukukhanya ebantwini bakibo lakwabeZizwe.” **24** Khonapho uFestasi wasemphazamisa esazivikela wathi, “Phawuli, usangene ingqondo! Ukufunda kwakho okukhulu sekukuphambanise ingqondo.” **25** Waphendula uPhawuli wathi, “Kangihlanyi, Mhlekazi omkhulu Festasi. Engikutshoyo kuliqiniso njalo kulengqondo. **26** Inkosi izijaye lezizinto yikho ngikhuluma kuyo ngikhululekile. Ngiyakholwa ukuthi kakukho lokukodwa kukho okuyeqileyo inkosi, ngoba kakwenziwanga ejikweni ngokucatshelana. **27** Nkosi Agripha, uyabakholwa na abaphrofethi? Ngiyazi ukuthi uyabakholwa.” **28** U-Agripha wasesithi kuPhawuli, “Kambe ucabanga ukuthi ngesikhatshana esifitshane kangaka ungangiphendula ngibe ngumKhristu?” **29** UPhawuli waphendula wathi, “Singaba sisifitshane loba sibeside, ngiyakhuleka kuNkulunkulu ukuthi kakungabi

nguwe kuphela kodwa bonke abangizwayo lamuhla bangaba yilokho engiyikho khona, ngaphandle kwala amaketane.” **30** Inkosi yaphakama kanye lombusi loBhenikhe lalabo ababehlezi labo. **31** Baphuma endlini, bathi sebekhuluma bodwa, bathi, “Indoda le kakulalutho elwenzayo olufanele ukufa loba ukuvalelwa entolongweni.” **32** U-Agripha wathi kuFestasi, “Indoda le ibizakhululwa kube ibingedluliselanga icala layo kuKhesari.”

27 Sekumisiwe ukuthi sizakuya e-Ithali, uPhawuli kanye lezinye izibotshwa banikelwa ezandleni zomphathi wekhulu owayethiwa nguJuliyasi owaye ngoweButho leSikhosini. **2** Sagada umkhumbi e-Adramithiya owawusulungele ukuya emathekwini asemakhunjini esifunda sase-Ezhiya, sahle salungena ulwandle. Sasilo-Aristakhasi, owayesuka eThesalonika. **3** Kusisa sakhuphukela eSidoni; uJuliyasi watshengisa umusa kuPhawuli, wamvumela ukuthi aye kubangane bakhe bamenzele lokho ayengabe ekuswela. **4** Sesisuka lapho saluqonda ulwandle njalo sagudla ethunzini laseSiphrazi ngoba ukuvunguza komoya kwakuphambana lathi. **5** Sathi sesiwele sadabula ulwandle olubanzi malungana lasokhunjini lweSilisiya lePhamfiliya, sakhuphukela eMira eseLikhiya. **6** Khonapho umphathi wekhulu wafumana umkhumbi wase-Alekizandriya uwelela e-Ithali, wasingenisa kuwo. **7** Sahamba sitotoba okwensuku ezinengi, sathwala nzima ukuyafika eKhinidu. Kwathi ngoba umoya usivalela ukuthi sihambe ngendlela yethu, sawela sayagudla ethunzini laseKhrethe, malungana

leSalimoni. **8** Sahamba siceza okhunjini kanzima, safika endaweni ethiwa kuseMathekumahle, eduze ledolobho laseLaseya. **9** Sasesilahlekelwe yisikhathi esinengi kakhulu, lokuhamba olwandle kwasekuyingozi kabi ngoba ngalesisikhathi kwasekungemva kwesikhathi sokuzila. Yikho uPhawuli wabaxwayisa wathi, **10** “Madoda, ngibona ukuthi uhambo lolu luzakuba lengozi lomonakalo omkhulu, kubhidlike umkhumbi lempahla, lempilo zethu lathi.” **11** Kodwa umphathi wekhulu, esikhundleni sokulalela lokho okwakutshiwo nguPhawuli, walandela iseluleko somtshayeli womkhumbi kanye lomnikazi wawo. **12** Njengoba itheku lalingelihle ukuthi simise khona ebusika, abanengi bakhetha ukuthi siqhubeke ngohambo, bethemba ukuthi sizafika eFenikhe simise khona ebusika lobo. Leli kwakulitheku eliseKhrethe, elalikhangele eningizimu yentshonalanga njalo lenyakatho yentshonalanga. **13** Kwathi ngokuphephetha komoya opholileyo waseningizimu, banakana ukuthi basebekutholile ababekudinga; ngakho bawukhulula umkhumbi wawela ugudle iKhrethe. **14** Masinyazana nje, umoya olamandla esivunguvungu owawuthiwa “yiNhlampumalanga” wavunguza usuka esihlengeni. **15** Umkhumbi watshaywa yilesosiphepho wehluleka ukuqondana lomoya; ngakho wasehlula sasesindenda nje siwulandela. **16** Sathi lapho sidlula ekusithekeni kwesihlenge esincane esithiwa yiKhawuda, kwasekusala lokuthi simise kuhle isikepe sokuphephela siqonde. **17** Kwathi amadoda esesidonsele phezulu emkhunjini, basebethandela izintambo bebopha

umkhumbi ngokwawo ukuze uqine wonke. Bathi ngoba besesaba ukuthi bazatshayeka emhlabathini wetshebetshebe laseSithisi, behlisa iseyili bayekela umkhumbi wazindendela nje. **18** Isiphepho sasizunguza kabuhlungu kwaze kwathi ngosuku olulandelayo saqalisa ukujikela umthwalo olwandle. **19** Ngosuku lwesithathu baphosela phandle ngezabo izandla izintambo lezinye impahla zokuhambisa umkhumbi. **20** Kwathi sekuyizinsuku ezinengi singaliboni ilanga loba izinkanyezi, kodwa isiphepho silokhu sisidla ubhedu, saphelwa lithemba lokuthi sizaphepha. **21** Amadoda ayesehlale isikhathi eside engadlanga, uPhawuli wasesima phambi kwabo, wathi, “Madoda, ngabe lingilalele sangasuki eKhrethe; ngabe kalizifakanga phakathi kwale inhlekenhleke lokulahlekelwa lokhu. **22** Kodwa manje ngiyalikhuthaza ukuthi lime isibindi, ngoba kakukho lamunye wenu ozakufa; ngumkhumbi kuphela ozabhidlika. **23** Izolo ebusuku ingilosi kaNkulunkulu engingowakhe mina njalo lengimkhonzayo ime phambi kwami **24** yathi, ‘Ungesabi, Phawuli. Kumele uyethonisiswa nguKhesari; njalo uNkulunkulu usebe lomusa wokukunika impilo zabo bonke owela labo.’ **25** Ngakho manini isibindi, madoda, ngoba ngiyamethemba uNkulunkulu ukuthi kuzakwenzakala njengokungitshela kwakhe. **26** Kodwa phela sisezake sitshayeke phansi sikhaphazelwe esihlengeni esithile.” **27** Ngobusuku betshumi lane sasilokhu siyaluziswa oLwandle lwe-Adriyathi, lapho okwathi phakathi kobusuku abaqhubi bomkhumbi bezwa kungathi basebesondela emhlabathini. **28** Baphosa

izintambo zokulinganisa bafumana ukuthi amanzi ayezike okwezingalo ezilikhulu elilamatshumi amabili. Ngemva kwesikhatshana baphinda baziphosa njalo bafumana izingalo ezingamatshumi ayisificamunwemunye ukuzika. **29** Bathi ngoba besesaba ukuthi sasizasakazeka ematsheni basebesehlisa insika zokumisa umkhumbi ngemuva bekhalela ukuthi kuse. **30** Abaqhubi bomkhumbi bazama ukunyanya babaleke emkhunjini ngokwehlisela isikepe sokusinda olwandle bezenza abafuna ukuyakwehlisa ezinye insika ngaphambili komkhumbi. **31** UPhawuli wasesithi kumphathi wekhulu lasemabuthweni, “Nxa amadoda la engahlali emkhunjini, ngeke lisinde.” **32** Ngakho amabutho asequma izintambo ezazibambe isikepe sokusinda asiyekela sayagxumukela emanzini. **33** Sekubanga emathathakusa, uPhawuli wabakhuthaza bonke ukuthi badle. Wathi, “Okwensuku ezilitshumi lane ezidluleyo belihlezi libambe amaphaphu enu; lisehluleka lokudla; kalizange lidle lutho. **34** Okwamanje ngilicela ukuthi lidle. Kumele lidle ukuze liphile. Kakho loyedwa wenu ozalahlekelwa lalunwele ekhanda lakhe.” **35** Esekutshilo lokhu, wathatha isinkwa wabonga kuNkulunkulu phambi kwabo bonke. Wasesihlephuna wadla. **36** Bonke baqunga isibindi basebesidla labo. **37** Sisonke sasingabantu abangamakhulu amabili lamatshumi ayisikhombisa lesithupha emkhunjini. **38** Bathi sebedlile basutha, baphungula ukusindwa komkhumbi ngokuchithela amabele olwandle. **39** Kwathi sokusile kabawunanzelelanga umhlabathi, kodwa babona itheku elaligcwele itshebetshebe, basebezimisela ukuthi

umkhumbi bayewumisa khona nxa kuvuma. **40** Baquma insika bazitshiya zicwila olwandle, baphinda banyomula lezintambo ezazibambe okokugwedlisa. Basebephakamisa iseyili yaphambili beyiqondisa emoyeni, basebeqonda ekhunjini. **41** Kodwa umkhumbi watshayeleda esidulini setshebetshebe olwandle wahle wabhajwa. Isihloko sawo sathi ngxi phansi asabe sisanyikinyeka, ingemuva yona yahlakazeka itshaywa ngamagagasi. **42** Amabutho asesithi kungcono abulale izibotshwa ukuze kungabikhona esizantsheza sibaleke. **43** Kodwa umphathi wekhulu wayefuna ukuvikela impilo kaPhawuli, yikho wabalela ukuthi bakwenze lokho abasebekumisile. Walaya labo ababelamandla okuntsheza ukuba bazithele olwandle bona kuqala baqonde emhlabathini. **44** Inengi lalizandenda ngamapulanka liye khona loba ngasiqa bani somkhumbi. Ngale indlela wonke umuntu wafika emhlabathini ephephile.

28 Sathi sesiphephile safika emhlabathini, sezwa ukuthi isihlengi leso sasithiwa yiMalitha. **2** Abantu bakhona basiphatha ngomusa ongajayelekanga. Basemukela kuhle sonke, basibasela umlilo wekhanka ngoba izulu lalisina njalo kumakhaza. **3** Uphawuli watheza umnyaba wenkuni, wathi ebasela kwaphuma inhlanguwana isixotshwa ngumlilo yahle yamthandela esandleni. **4** Abahlali besihlengeni bathi bebona inyoka ilenga esandleni sakhe bakhulumisana besithi, “Indoda le iyisigebenga; ngoba loba isindile olwandle, unkulunkulukazi uKulunga kayivumelanga ukuthi iphile.” **5** Kodwa uPhawuli wayithintitha inyoka wayilabhulela emlilweni yena akaze

alimala lakancane. **6** Abantu babelinde okwesikhathi eside bengaboni lutho olubi lusenzakala kuye, baguqula imicabango yabo basebesithi ungukulunkulu. **7** Eduze kwalapho kwakulepulazi likaPhabhiliyasi, owayeyisikhulu esiphethe isihlenge. Wasemukela ngesihle emzini wakhe, wasihlalisa khona okwensuku ezintathu esiphethe kuhle. **8** Uyise wayegula elele phansi ephethwe luqhuqho lesihudo. Uphawuli wayambona, kwathi esekhulekile, wambeka izandla wamsilisa. **9** Kwathi sekwenzakele lokhu, bonke abagulayo esihlengeni beza basiliswa. **10** Basidumisa ngezipho ezinengi, kwasekusithi sesilungela ukuwela basilungisela umphako owaneleyo. **11** Ngemva kwezinyanga ezintathu sangena olwandle sigade umkhumbi owawuchithe ubusika khona lapho. Wawungumkhumbi wase-Alekizandriya owawulophawu lwamakhanda amaphahla abonkulunkulu uKhasto loPholukhi. **12** Sakhuphukela eSirakhusi sahlala khona okwensuku ezintathu. **13** Sesisuka lapho sawela sayafika eRegiyumi. Ngakusasa kwaphephetha umoya weningizimu, kwathi ngelanga elilandelayo sayafika ePhuthewoli. **14** Lapho safumana abazalwane abasicela ukuthi sihlale khona okweviki silabo. Sasesifika eRoma. **15** Abazalwane balapho basebezile ukuthi siyeza, ngakho bahamba baze bayafika eNkundleni yase-Aphiya laseziNkantini eziNtathu besihlangabeza. Wathi ebona lababantu uPhawuli wabonga uNkulunkulu njalo waqiniswa. **16** Sithe sesifikile eRoma, uPhawuli wavunyelwa ukuhlala yedwa, elindwe ngelilodwa ibutho. **17** Ngemva kwensuku ezintathu uPhawuli

wabiza abakhokheli bamaJuda. Bathi sebehlangene wathi kubo, “Bazalwane bami, loba ngingenzanga lutho olubi ebantwini bakithi kumbe olwephula imikhuba yabokhokho bethu, ngabotshwa eJerusalema nganikelwa kwabaseRoma. **18** Wona esengihlolile afisa ukungikhulula ngoba ngangengelacala loba elakuphi ukuganga okwakungafanela ukufa. **19** Kodwa kwathi ngoba amaJuda ekwala lokho ngabona sekufanele ukuthi ngikhalaze kuKhesari; kungayisikho ukuthi ngasengimangalela abantu bakithi. **20** Ngalesisizatho ngicelile ukuthi ngilibone, ngikhulume lani. Kungenxa yethemba lika-Israyeli okwenza ngibotshwe ngale iketane.” **21** Baphendula bathi, “Kasitholanga zincwadi ezivela eJudiya mayelana lawe, njalo kakho umzalwane ovela khonale oke wabika kumbe wakhuluma ulutho olubi ngawe. **22** Kodwa sifuna ukuzwa imibono yakho, ngoba siyakwazi ukuthi ezindaweni zonke abantu bakhuluma kubi ngaloluhlelo lwenkolo.” **23** Balungiselela ukuhlangana loPhawuli ngelanga elithile elalibekiwe, njalo kweza abantu abanengi endaweni ayehlala kuyo. Kusukela ekuseni kwaze kwaba ntambama echaza umbuso kaNkulunkulu njalo efakaza ngokuseMthethweni kaMosi lakubaPhrofethi. Wazama njalo ukubazisa ngoJesu **24** Abanye basuthiseka ngalokhu ayekutsho, kodwa abanye kabazange bakholwe. **25** Baphikisana bona bodwa basebesuka ngemva kokuba uPhawuli esepethe inkulumo yakhe ngokuthi, “Nxa uMoya oNgcwele wakhuluma iqiniso kubokhokho benu aze ukhulume ngomphrofethi u-Isaya ukuthi: **26** ‘Hamba kulababantu uyekuthi, “Lizahlala

lisizwa kokuphela, kodwa lingaqedisisi; lizahlala libona kokuphela kodwa lingabonisisi.” 27 Ngoba inhliziyo yalababantu isibuthundu; kabasezwa ngezindlebe zabo, njalo sebevale amehlo abo; ngoba bangaqabuka bebona ngamehlo abo, bezwe ngezindlebe zabo, baqedisise ngezinhliziyo zabo, baphenduke, lami ngibasilise.’ 28 Ngakho ngithanda ukuthi lazi ukuba insindiso kaNkulunkulu isithunyelwe kwabeZizwe, njalo bona bazalalela!” [29 Ngemva kwalokhu, amaJuda asuka, ephikisana wodwa kakhulu.] 30 UPhawuli wahlala khona okweminyaka emibili egcweleyo, ehlala endlini yakhe ayeloje kuyo, njalo esemukela ngesihle bonke ababesiza bezombona. 31 Watshumayela ngombuso kaNkulunkulu, wafundisa ngeNkosi uJesu Khristu ngesibindi njalo engaphazanyiswa muntu.

KwabaseRoma

1UPhawuli, inceku kaKhristu uJesu, owabizelwa ukuba ngumpostoli njalo wahlukaniselwa ivangeli likaNkulunkulu, **2** ivangeli alithembisa ngaphambilini ngabaphrofethi bakhe emibhalweni engcwele **3** mayelana leNdodana yakhe, yona okuthi ngokwemvelo yayo yoluntu yayiyinzalo kaDavida, **4** njalo ngoMoya wobungcwele yabonakaliswa ngamandla ukuthi iyiNdodana kaNkulunkulu ngokuvuka kwayo kwabafileyo; uJesu Khristu iNkosi yethu. **5** Ngaye samukela umusa lobupostoli ukuba sinxusele abantu beZizwe bonke ekulaleleni okuza ngokukholwa ngenxa yebizo lakhe. **6** Lani futhi lingabanye babeZizweni ababizelwe ukuba babe ngabakaJesu Khristu. **7** Kubo bonke abaseRoma abathandwa nguNkulunkulu njalo ababizelwe ukuba ngabangcwele bakhe: Umusa lokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba laseNkosini uJesu Khristu kakube kini. **8** Kuqala ngibonga uNkulunkulu wami ngoJesu Khristu ngilibongela lani, ngoba ukukholwa kwenu kubikwa umhlaba wonke. **9** UNkulunkulu engimkhonza ngenhliziyo yami yonke ngokutshumayela ivangeli leNdodana yakhe, ungufakazi wami ekuthini ngilikhumbula kokuphela **10** emikhulekweni yami izikhathi zonke; njalo ngiyakhuleka khathesi ukuthi sengathi ekucineni ngentando kaNkulunkulu ngivulelwe indlela yokuza kini. **11** Ngiyafisa ukulibona ukuze ngilinye isipho somoya sokuliqinisa, **12** okuyikuthi ngokufananayo lina lami siqinise lukholo lomunye wethu. **13** Kangifuni ukuba lingaze lazi, bazalwane, ukuthi

sengaceba kanengi ukuba ngize kini (kodwa ngisehluleka ukwenzanjalo kuze kube khathesi) ukuze ngibe lesivuno phakathi kwenu, njengalokhu engakwenzayo kwabanye abeZizweni. **14** Ngilomlandu kumaGrikhi lakwabangasiwo, kwabahlakaniphileyo labayiziwula. **15** Yikho-nje ngitshisekela ukutshumayela ivangeli lakini eliseRoma. **16** Kangilanhloni ngevangeli, ngoba lingamandla kaNkulunkulu okusindiswa kwabo bonke abakholwayo: kuqala amaJuda, kulandele abeZizwe. **17** Ngoba ukulunga okuvela kuNkulunkulu kubonakaliswa evangelini, ukulunga okungokukholwa kusukela ekuqaleni kusiya ekucineni, njengoba kulotshiwe ukuthi: “Abalungileyo bazaphila ngokukholwa.” **18** Ulaka lukaNkulunkulu luyabonakaliswa luvela ezulwini kulabo abangalunganga kanye lobubi babantu abancindezela iqiniso ngobubi babo, **19** kalokho okungazakala ngoNkulunkulu kusobala kubo, ngoba uNkulunkulu ekwenze kwabasobala kubo. **20** Ngoba kusukela ekudalweni komhlaba isimo sikaNkulunkulu esingabonakaliyo, amandla akhe angapheliyo kanye lobuNkulunkulu bakhe, sekubonakele ngokusobala, kuzwisiseka ngokwenziweyo, ukuze abantu bangabi lasizatho sokuzigeza. (aīdios g126) **21** Ngoba lanxa uNkulunkulu babemazi, kabamdumisanga njengoNkulunkulu loba bambonge, kodwa imicabango yabo yaba yize lezinhliziyo zabo eziyiziwula zaba mnyama. **22** Lanxa bazenza abahlakaniphileyo baba yizithutha **23** benana inkazimulo kaNkulunkulu ongafiyo ngemfanekiso eyenziwa yafana labantu abalakho ukufa lezinyoni lezinyamazana kanye lezinanakazana

ezihuquzelayo. **24** Ngakho uNkulunkulu wabanikela esonweni sezinkanuko zezinhliziyi zabo zobufebe ngokwenza imzimba yabo ihlazo phakathi kwabo. **25** Benana iqiniso likaNkulunkulu ngamanga, badumisa bekhonza izinto ezadalwayo kuloMdali odunyiswa kuze kube nini lanini. Ameni. (aiōn g165) **26** Ngenxa yalokhu, uNkulunkulu wabanikela ezinkanukweni ezilahlazo. Labesifazane bakibo benana imvelo yobudlelwano bemacansini ngokungasikho kwemvelo. **27** Ngokufanayo abesilisa labo badela ukuphathana kwemvelo labesifazane batshiseka ngokukhanukana. Abesilisa benza izenzo ezilahlazo lamanye amadoda, bazilethela isijeziso esifanele ukuxhwala kwabo. **28** Phezu kwalokho, njengoba bengazange bacabange ukuthi kufanele bagcine ukumazi uNkulunkulu, wabanikela engqondweni yokuxhwala, ukuba benze okungamelanga kwenziwe. **29** Sebegcwele ngokonakala konke, ububi, ubuhaga kanye lokuxhwala. Bagcwele umhawu, lokubulala, lengxabano, lenkohliso kanye lolunya. Bangabanyeyayo, **30** labahlebi, labazonda uNkulunkulu, leziqholo, labazigqajayo kanye labazikhukhumezayo; baqala izindlela zokwenza okubi; badelela abazali babo; **31** kabaqedisisi, kabathembekanga, kabalathando njalo kabalamusa. **32** Lanxa besazi isimiso esilungileyo sikaNkulunkulu sokuthi labo abenza izinto ezinje bafanele ukufa, kabaqhubeki nje kuphela besenza zona kanye lezizinto, kodwa bayavumelana njalo lalabo abazenzayo.

2 Ngakho-ke, kawulasizatho sokuzigeza wena owahlulela omunye, ngoba loba kungaphi owahlulela khona

omunye, uyazigweba wena ngokwakho, ngoba wena owahlulelayo wenza izinto ezifanayo. **2** Siyakwazi ukuthi ukubahlulela kwakhe uNkulunkulu labo abenza izinto ezinje kweyame eqinisweni. **3** Ngakho lapho ke, wena muntu nje, ubahlulela, kodwa usenza izinto ezifanayo, ucabanga ukuthi uzakubalekela ukwahlulela kukaNkulunkulu na? **4** Kumbe njalo weyisa ubukhulu bomusa wakhe, ukubekezela kanye lesineke sakhe, ungananzeleli ukuthi umusa kaNkulunkulu ujonge ukukusa ekuphendukeni na? **5** Kodwa ngenxa yobuqholo bakho lenhliziyo yakho engaphendukiyo, uziqoqela ulaka oluzakuhlupha ngosuku lolaka lukaNkulunkulu, lapho okuzabonakaliswa khona ukwahlulela kwakhe okulungileyo. **6** UNkulunkulu “uzakupha umvuzo emuntwini munye ngamunye ngokuhambelana lalokho akwenzileyo.” **7** Kulabo abaphikelela besenza okuhle bedinga inkazimulo, udumo kanye lokungabhubhi, uzakubanika ukuphila okulaphakade. (aiōnios g166) **8** Kodwa labo abazinqinekelayo labala iqiniso balandele ububi, kuzakuba lolaka lokuthukuthela. **9** Kuzakuba lokuhlupheka losizi emuntwini wonke owenza okubi, kuqala kumJuda kulandele koweZizweni, **10** kodwa inkazimulo, udumo kanye lokuthula kuye wonke owenza okulungileyo, kuqala kumJuda kulandele koweZizweni. **11** Ngoba uNkulunkulu kalabandlululo. **12** Bonke abenza isono ngaphandle komthetho bazabhubha ngaphandle komthetho, njalo bonke abenza isono ngaphansi komthetho bazakwahlulelwa ngomthetho. **13** Ngoba akusilabo abezwa umthetho abalungileyo

emehlweni kaNkulunkulu, kodwa yilabo abalalela umthetho okuzathiwa balungile. **14** (Ngempela, nxa abeZizwe, abangelawo umthetho, besenza ngokwemvelo izinto ezifunwa ngumthetho, bangumthetho bona ngokwabo, lanxa bengelawo umthetho, **15** njengoba bebonakalisa ukuthi okufunwa ngumthetho kulotshiwe ezinhliziyweni zabo, izazela zabo ziyafakaza, imicabango yabo ibasola iphinde ibavikele.) **16** Lokhu kuzakwenzakala ngosuku uNkulunkulu azakwahlulela imfihlo zabantu ngoJesu Khristu, njengokutsho kwevangeli lami. **17** Khathesi-ke wena, nxa uzibiza ngokuthi ungumJuda; nxa uthembe umthetho njalo uzincoma ngobudlelwane bakho loNkulunkulu; **18** nxa uyazi intando yakhe njalo uvumela okuhle ngoba ufundiswe ngumthetho; **19** nxa ukholwa ukuthi ungumkhokheli weziphofu, ukukhanya kwalabo abasemnyameni, **20** umeluleki wezithutha, lomfundisi wezingane, ngoba kwezomthetho uhlanganisa ulwazi leqiniso, **21** ngakho wena ofundisa abanye, kambe lawe kawuzifundisi na? Wena otshumayela ngokungebi, uyeba na? **22** Wena othi abantu bangafebi, uyafeba na? Wena owenyanya izithombe, uyawaphanga amathempeli na? **23** Wena ozincoma ngomthetho, uNkulunkulu uyamdelela ngokwephula umthetho na? **24** Njengoba kulotshiwe ukuthi, “Ibizo likaNkulunkulu lihlanjaziwe phakathi kwabeZizwe ngenxa yakho.” **25** Ukusoka kuligugu nxa ugcina umthetho, kodwa nxa usephula umthetho, usufana lokuthi kawusokanga. **26** Nxa labo abangasokanga begcina imfanelo zomthetho, kabayikukhangelwa njengabasokileyo na? **27** Lowo

ongasokanga ngokwenyama, kodwa elalela umthetho, uzakulahla wena, okuthi lanxa ulomlayo olotshiweyo njalo usokile, ungumephuli womthetho. **28** Umuntu kasumJuda nxa enguye emehlweni kuphela, loba esokile emehlweni lenyameni kuphela. **29** Hatshi, umuntu ungumJuda nxa enguye ngaphakathi, lokusoka yikusoka kwenhliziyo, ngoMoya, hatshi ngomlayo. Ukubongwa komuntu onjalo akuveli ebantwini, kodwa kuNkulunkulu.

3 Pho yibungcono bani obukhona ekubeni ngumJuda, loba ligugu bani elikhona ekusokeni na? **2** Kukhulu ngezindlela zonke. Okokuqala amaJuda aphathiswe wona kanye amazwi kaNkulunkulu. **3** Kuba njani nxa abanye babo babengathembekanga? Ukungathembeki kwabo kungachitha ukuthembeka kukaNkulunkulu na? **4** Akunjalo! UNkulunkulu kabe qotho, umuntu wonke abe ngumqambi wamanga. Njengoba kulotshiwe ukuthi: “Ukuze ubonakaliswe ukuthi uqondile lapho ukhuluma, njalo unqobe lapho usahlulela.” **5** Kodwa nxa ukungalungi kwethu kusenza ukulunga kukaNkulunkulu kucace kakhulu, thina sizakuthini na? UNkulunkulu kalunganga ngokwehlisela ulaka lwakhe phezu kwethu na? (Mina ngikhuluma njengokubona komuntu.) **6** Ngempela akunjalo. Aluba kwakunjalo, uNkulunkulu ubengawahlulela kanjani umhlaba na? **7** Omunye angaphikisa athi, “Nxa amanga ami ekhulisa ubuqotho bukaNkulunkulu ngalokho andise udumo lwakhe, kungani lokhe ngilahlwa njengesoni na?” **8** Kungani singathi njengoba sigconwa kuthiwa sitsho njalo futhi abanye bathi “Kasenzeni okubi ukuze kuvele okulungileyo na?”

ngaphansi komthetho, kalikwazi yini ukuthi umthetho uthini? **22** Ngoba kulotshiwe ukuthi u-Abrahama wayelamadodana amabili, enye ingeyesigqilikazi lenye ingeyowesifazane okhululekileyo. **23** Indodana yakhe yesigqilikazi yazalwa ngokwenyama; kodwa indodana yakhe yowesifazane okhululekileyo yazalwa kulandela isithembiso. **24** Izinto lezi zingathathwa njengomzekeliso; ngoba abesifazane ababili bamele izivumelwano ezimbili. Esinye isivumelwano sivela eNtabeni yeSinayi e-Arabhiya njalo sizala abantwana abazakuba yizigqili: Lo nguHagari. **25** UHagari umele iNtaba yeSinayi e-Arabhiya njalo uhambelana ledolobho lakhathesi eleJerusalema, ngoba lisebugqilini kanye labantwana balo. **26** Kodwa iJerusalema ephezulu ikhululekile, njalo ingumama wethu. **27** Ngoba kulotshiwe ukuthi: “Thokoza mfazi oyinyumba, wena ongazange uzale umntwana; umemeze ngenjabulo ukhale kakhulu, wena ongakaze uhelelwe; ngoba abantwana bomfazi olahliweyo banengi kulabalowo olendoda.” **28** Ngakho lina bazalwane, njengo-Isaka, lingabantwana besithembiso. **29** Ngalesosikhathi indodana eyazalwa ngokwenyama yahlukuluza indodana eyazalwa ngamandla kaMoya. Kunjalo lakhathesi. **30** Kodwa umbhalo uthini na? Uthi: “Susa isigqilikazi lendodana yaso, ngoba indodana yesigqilikazi kayiyikwabelana ilifa lendodana yowesifazane okhululekileyo.” **31** Ngakho, bazalwane, thina kasisibo bantwana besigqilikazi, kodwa abowesifazane okhululekileyo.

5 UKhristu wasikhululela ukuthi sibe lenkululeko. Ngakho manini liqine, lingavumeli ukuthi libotshelwe

futhi ejogeni lobugqili. **2** Qaphelani amazwi ami! Mina Phawuli, ngiyalitshela ukuthi lingavuma ukusoka, uKhristu kayikuba lusizo kini. **3** Njalo ngiyaqinisa ebantwini bonke abavumayo ukusoka ukuthi balomlandu wokulalela umthetho wonke. **4** Lina elizama ukulungisiswa ngomthetho sehlukaniswe loKhristu; sehlukane lomusa. **5** Kodwa ngokukholwa siholwa nguMoya silindele ithemba lokulunga ngokutshiseka. **6** Ngoba kuKhristu uJesu ukusoka loba ukungasoki akulasizo. Into kuphela eyiyo eqakathekileyo yikukholwa okuzibonakalisa ngothando. **7** Kade lihamba kuhle. Ngubani olikhuphe ekulandeleni iqiniso na? **8** Ukuncenga okunjalo kakaveli kulowo olibizayo. **9** “Imvubelo encinyazana ibilisa inhlama yonke.” **10** Ngiyathemba eNkosini ukuthi kaliyikwamukela omunye umnakano. Lowo olibeka phakathi kwenyakanyaka uzajeziswa, loba engubani. **11** Bazalwane, nxa ngisatshumayela ngokusoka, pho kungani ngilokhu ngihlukuluzwa? Nxa kunjalo isikhubekiso sesiphambano sesisusiwe. **12** Labo abahluphayo, ngifisa ukuthi ngabe bayaqhubeka bazithene! **13** Lina bazalwane bami, labizelwa ukuthi likhululeke. Kodwa lingasebenzisi inkululeko yenu ukuthokozisa inyama; kodwa sizanani omunye lomunye lizehlisa ngothando. **14** Umthetho wonke uhlanganiswa ngumlayo owodwa othi: “Thanda umakhelwane wakho njengoba uzithanda.” **15** Nxa liqhubeka lilumana lokudlanana, qaphelani hlezi liqedane du. **16** Ngakho ngithi philani ngoMoya, kaliyikuthokozisa izinkanuko zenu zenyama. **17** Ngoba imvelo yesono ikhanuka okuphambene

loMoya, loMoya ufuna okuphambene lemvelo yesono. Kuyaphikisana ukuze lingenzi elikuthandayo. **18** Kodwa nxa likhokhelwa nguMoya, kalikho ngaphansi komthetho. **19** Izenzo zenyama zisobala: ukuhlobonga, lokungesabi ukujeziswa, lokuxhwala; **20** ukukhonza izithombe lobuthakathi; inzondo lokuxabana, umona lentukuthelo, lobuhwaba, ukungezwani lokungavumelani **21** lomhawu; ukudakwa lokuzitika ngamanyala kanye lokunye okunjalo. Ngiyalixwayisa, njengoba lami ngaphila phakathi kwakho ukuthi abaphila kanje kabayikulidla ilifa lombuso kaNkulunkulu. **22** Kodwa izithelo zikaMoya luthando, lokuthokoza, lokuthula, lokubekezela, lomusa, lokulunga, lokuthembeka, **23** lobumnene kanye lokuzithiba. Ezintweni ezinje akulamthetho. **24** Labo abangabakaKhristu uJesu sebayibethela esiphambanweni imvelo yabo yesono lokufutheka kwayo kanye lezinkanuko. **25** Njengoba siphila ngoMoya, kasenzeni okuhambelana loMoya. **26** Kasingazikhukhumezi, singaqalani kumbe senzelane umona.

6 Bazalwane, nxa umuntu ethunjwe yisono esithile lina eliphila ngokoMoya kumele limbuyise kakuhle. Kodwa lizinanzelele ukuthi lani futhi lingalingwa. **2** Thwalani imithwalo yomunye lomunye, ngalokho lizagcwalisa umthetho kaKhristu. **3** Nxa umuntu ezitshaya ulutho yena engasilutho, uyazikhohlisa. **4** Umuntu munye ngamunye kahlole izenzo zakhe. Ngalokho angaziqhenya, kungekho ukuziqathanisa lomunye, **5** ngoba lowo lalowo kumele athwale umthwalo wakhe.

6 Loba ngubani othola ukufundiswa ngelizwi umele abelane zonke izinto ezinhle lalowo omfundisayo. 7 Lingakhohliswa: UNkulunkulu kahlekwa. Umuntu uvuna lokho akuhlanyelayo. 8 Lowo ohlanyela ukuthokozisa inyama yakhe, kuleyonyama uzavuna ukuchitheka; lowo ohlanyela ukuthokozisa uMoya, kuMoya uzavuna ukuphila okulaphakade. (aiōnios g166) 9 Kasingadinwa yikwenza okuhle ngoba ngesikhathi esifaneleyo sizavuna isivuno nxa singadeli. 10 Ngakho-ke, njengokuba silethuba kasenzeni okulungileyo ebantwini bonke ikakhulu kulabo abangabemuli yabakholwayo. 11 Khangelani ukuthi makhulu kangani amabala engiwasebenzisayo lapho ngililobela ngesami isandla! 12 Labo abafuna ukubukwa enyameni bazama ukulincindezela ukuba lisoke. Isizatho sokuba benze lokhu yikuba babalekele ukuhlukuluzelwa isiphambano sikaKhristu kuphela. 13 Lalabo abasokileyo kabawulaleli umthetho kodwa bafuna ukuba lisoke ukuze bazincome ngemizimba yenu. 14 Mina kangingazincomi lanini ngaphandle kwangesiphambano seNkosi yethu uJesu Khristu, umhlaba wonke owabethelwa ngaso kimi, lami njalo emhlabeni. 15 Ukusoka loba ukungasoki akutsho lutho; okuqakathekileyo yikudalwa kutsha. 16 Ukuthula lesihawu kubo bonke abalandela umthetho lo, kanye laku-Israyeli kaNkulunkulu. 17 Okokucina, akungabi lamuntu ongibangela uhlupho, ngoba emzimbeni wami ngilempawu zikaJesu. 18 Umusa weNkosi yethu uJesu Khristu kawube lomoya wenu bazalwane. Ameni.

Kwabase-Efesu

1 Uphawuli, umpostoli kaKhristu uJesu ngentando kaNkulunkulu, Lakwabangcwele bakaNkulunkulu abase-Efesu, abathembekileyo kuKhristu uJesu: **2** Umusa lokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba leNkosini uJesu Khristu kakube kini. **3** Udumo kalube kuNkulunkulu uYise weNkosi yethu uJesu Khristu, osibusise ebukhosini basezulwini ngezibusiso zonke zakomoya kuKhristu. **4** Ngoba wasikhetha umhlaba ungakadalwa ukuthi sibe ngcwele lokuthi singabi lasici ebusweni bakhe. Ngothando **5** wasimisela ukuba senziwe amadodana akhe ngoJesu Khristu, ngokwentokozo yakhe kanye lentando yakhe, **6** ukuze kudunyiswe umusa wakhe omangalisayo asiphe wona ngesihle kuLowo amthandayo. **7** Kuye silokuhlengwa ngegazi lakhe lokuthethelelwa kwezono ngokwenotho yomusa kaNkulunkulu **8** awuthululele phezu kwethu ngenhlanipho yonke langokuqedisisa. **9** Wasazisa imfihlakalo yentando yakhe mayelana lentokozo yakhe elungileyo ayiceba kuKhristu, **10** ukuba kuhlenganiswe ndawonye zonke izinto ezisezulwini lasemhlabeni ngaphansi kwenhloko yinye enguKhristu. **11** Sakhethwa kuye, simiselwe lokho ngokwecebo lakhe yena osebenza izinto zonke ngokuvumelana lenjongo yentando yakhe, **12** ukuze kuthi thina esaba ngabokuqala ukubeka ithemba lethu kuKhristu sibe ngabokubonga udumo lwakhe. **13** Lani labalwa kanye loKhristu lapho selizwe ilizwi leqiniso, levangeli lokusindiswa kwenu. Selikholwe kuye, labekwa uphawu, uMoya oNgcwele owathenjiswa, **14** oyisibambiso esiyisiqinisele selifa lethu kuze kufike

ukuhlengwa kwalabo abangabakaNkulunkulu ukuba kudunyiswe udumo lwakhe. **15** Ngenxa yalokhu, sekulokhu ngezwa ngokukholwa kwenu eNkosini uJesu kanye lothando lwenu kubo bonke abantu bakaNkulunkulu abangcwele, **16** angikaze ngiyekele ukulibongela lokulikhumbula emikhulekweni yami. **17** Nginyaqhubeka ngicela ukuba uNkulunkulu weNkosi yethu uJesu Khristu, uYise oyinkazimulo, alinike uMoya wokuhlakanipha lokwambulelwa ukuze limazi ngcono. **18** Ngikhulekela njalo lokuthi amehlo ezinhliziyo zenu akhanyiselwe ukuze lilazi ithemba alibizela kulo, inotho yelifa lakhe elimangalisayo kwabangcwele, **19** lamandla akhe amakhulu angelakulinganiswa kithi thina esikholwayo. Amandla lawo afana lokusebenza kwamandla akhe amakhulu **20** awasebenzisa evusa uKhristu kwabafileyo, emhlalisa esandleni sakhe sokunene ebukhosini basezulwini **21** phezu kokubusa konke lobukhosi, amandla kanye lombuso, lamabizo wonke angatshiwo, kungayisikho kwalesisikhathi kuphela kodwa lakuleso esizayo. (aiōn g165) **22** UNkulunkulu wabeka izinto zonke ngaphansi kwezinyawo zakhe wamkhetha ukuba abe yinhloko yezinto zonke zebandla, **23** lona elingumzimba wakhe, ukuphelela kwakhe yena ophelalisa izinto zonke ngezindlela zonke.

2 Lina lalifile eziphambekweni lasezonweni zenu, **2** elaliphila kuzo ngesikhathi lisalandela izindlela zalo umhlaba lezombusi wombuso wasemoyeni, umoya osebenzayo lakhathesi kulabo abangalaleliyo. (aiōn g165) **3** Lathi sonke sake saphila phakathi kwabo

ekuqaleni, sithokozisa izinkanuko zemvelo yethu yesono, silandela lezifiso kanye lemicabango yazo. Njengabanye, ngokwemvelo sasifanele ulaka. **4** Kodwa ngenxa yothando lwakhe olukhulu kithi, uNkulunkulu olesihawu esikhulu, **5** wasenza saba ngabaphilayo loKhristu lanxa sasifile eziphambekweni, ngomusa selisindisiwe. **6** UNkulunkulu wasivusa ekufeni kanye loKhristu wasihlalisa laye ebukhosini basezulwini kuKhristu uJesu **7** ukuze kuthi ezikhathini ezizayo atshengise inotho yomusa wakhe engeke ilinganiswe, ebalulwe yibubele bakhe kithi kuKhristu uJesu. (aiōn g165) **8** Ngoba ngomusa lisindisiwe, kungokukholwa njalo lokhu akuveli kini, kuyisipho sikaNkulunkulu, **9** hatshi ngemisebenzi, ukuze kungabi lozazincoma. **10** Ngoba siyibuciko bukaNkulunkulu, sidalelwe kuKhristu uJesu ukuba senze imisebenzi emihle, uNkulunkulu ayilungisa ngaphambili ukuba siyenze. **11** Ngakho, khumbulani ukuthi kuqala lina elingabeZizweni ngokuzalwa njalo elibizwa ngokuthi “ngabangasokanga” yilabo abazibiza ngokuthi “ngabokusoka” (lokho okwenziwa emzimbeni ngezandla zabantu), **12** khumbulani ukuthi ngalesosikhathi lahlelukene loKhristu, lingabalelwa enzalweni yako-Israyeli njalo lingabezizweni kusivumelwano sesithembiso, lingelathemba njalo lingelaye uNkulunkulu emhlabeni. **13** Kodwa khathesi kuKhristu uJesu lina elake laba khatshana le selisondezwe eduzane ngegazi likaKhristu. **14** Ngoba yena uqobo uyikuthula kwethu, yena owenza ababili baba munye, wadiliza uthango olungumduli wobutha owehlukanisayo, **15** ngokuchitha emzimbeni wakhe umthetho lemilayo

yawo kanye lezimiso. Injongo yakhe yayingeyokudala phakathi kwakhe umuntu oyedwa njalo omutsha ngabantu ababili, ngalokho enze ukuthula, **16** kuthi kulo umzimba munye kube lokubuyisana kwayo yomibili kuNkulunkulu ngesiphambano, achitha ngaso ubutha bayo. **17** Weza wazatshumayela ukuthula kini elalikhathshana lokuthula kulabo ababeseduzane. **18** Ngoba ngaye sobabili siyafinyelela kuYise ngoMoya munye. **19** Ngalokho-ke, kaliseyibo bezizweni lezihambi, kodwa seliyinzalo yakithi labantu bakaNkulunkulu, kanye lamalunga abendlu kaNkulunkulu, **20** lakhelwe phezu kwesisekelo sabapostoli labaphrofethi, uKhristu uJesu yena uqobo eyilitshe elikhulu lekhone. **21** Indlu yonke ihlanganiselwe kuye njalo ikhula ukuze ibe lithempeli elingcwele eNkosini. **22** Lani futhi lakhelwa ndawonye kuye ukuze libe yindawo yokuhlala uNkulunkulu ahlala kuyo ngoMoya wakhe.

3 Ngenxa yalesisizatho, mina Phawuli, isibotshwa sikaKhristu uJesu ngenxa yenu lina bantu beZizweni. **2** Ngeqiniso selizwile ngokuphathwa komusa kaNkulunkulu engawuphiwayo ngenxa yenu, **3** ukuthi ngaziswa imfihlakalo ngokwambulelwa njengoba sengabhala ngamafitshane. **4** Nxa libala lokhu lizenelisa ukuzwisisa umbono wami ngemfihlakalo kaKhristu, **5** engazange yaziswe abantu kwezinye izizukulwane njengoba khathesi isiveziwe nguMoya kubapostoli abangcwele bakaNkulunkulu lakubaphrofethi. **6** Imfihlakalo le iyikuthi ngevangeliki abeZizweni bazindlalifa bekanye labako-Israyeli, amalunga omzimba munye ndawonye,

labahlanganyeli kuso isithembiso kuKhristu uJesu. 7 Mina ngaba yinceku yevangeli leli ngesipho somusa kaNkulunkulu engasiphiwa ngokusebenza kwamandla akhe. 8 Lanxa ngimncane kulabancane bonke babantu bakaNkulunkulu, umusa lo ngawunikwa: ukuba ngitshumayele kwabeZizweni inotho kaKhristu engacubungulekiyo, 9 njalo ngikubeke obala ukuphatha kwami imfihlakalo le eyayifihliwe okweminyaka eminengi eyedlulayo kuNkulunkulu, owadala izinto zonke. (aiōn g165) 10 Injongo yakhe yayiyikuthi ibandla lazise ababusi leziphathamandla zemibuso yasezulwini ngenhlakanipho emangalisayo kaNkulunkulu, 11 ngokwenhloso yakhe engulaphakade ayifeza kuKhristu uJesu iNkosi yethu. (aiōn g165) 12 Kuye langokukholwa kuye singasondele kuNkulunkulu ngokukhululeka langesibindi. 13 Ngakho, ngiyalicela ukuba lingalahli ithemba ngenxa yokulihluphekela kwami, okuludumo kini. 14 Ngenxa yalokhu ngiyaguqa phambi kukaBaba, 15 lapho yonke imuli yamakholwa asezulwini lasemhlabeni ethola khona ibizo layo. 16 Ngikhulekela ukuthi ngenotho yobukhosi bakhe aliqinise ngamandla ngoMoya wakhe ezinhliziyweni zenu 17 ukuze uKhristu ahlale ezinhliziyweni zenu ngokukholwa. Ngikhulekela ukuba ligxile njalo liqine othandweni, 18 libe lamandla kanye labangcwele beNkosi bonke ukuba liqedisise ububanzi lobude lokujula kanye lokuzika kothando lukaKhristu, 19 lokuba lilwazi uthando lolu oludlula ukwazi ukuze ligcwaliswe ngesilinganiso sokugcwala okupheleleyo kukaNkulunkulu. 20 Ngakho-ke, kuye lowo

oyenza okukhulu kakhulu kulalokho esikucelayo kumbe esikucabangayo, ngokwamandla akhe asebenza phakathi kwethu, **21** udumo kalube kuye ebandleni lakuKhristu uJesu kuzizukulwane zonke kuze kube nini lanini! Ameni.

(aiōn g165)

4 Njengesibotshwa seNkosi, ngiyalincenga ukuba liphile impilo efanele ubizo elalwamukelayo. **2** Wobani ngabathobekileyo labamnene ngokupheleleyo; bekezelani, libekezelelane omunye komunye ethandweni. **3** Zamani ngamandla wonke ukugcina ukumanyana kukaMoya ngesibopfo sokuthula. **4** Kulomzimba munye loMoya munye; njengalokhu labizelwa ethembeni linye ekubizweni kwenu, **5** iNkosi yinye, lokholo lunye, ubhaphathizo lunye; **6** uNkulunkulu munye uYise wabo bonke, ophezu kwabo bonke njalo okubo bonke. **7** Kodwa yilowo lalowo wethu waphiwa umusa ngokwaba kukaKhristu. **8** Yikho-nje umbhalo usithi: “Ekwenyukeleni kwakhe phezulu, wahola abathunjiweyo abanengi njalo wanika iziphos ebantwini bakhe.” **9** (Ukuthi “wenyuka” kutshoni ngaphandle kokuthi njalo wehlela lezigabeni zangaphansi komhlaba na? **10** Yena lowo owehlela phansi nguye kanye owenyukela phezulu kakhulu kulamazulu wonke ukuze agcwale izindawo zonke emhlabeni lasezulwini.) **11** UKhristu nguye owanika abanye ukuba babe ngabapostoli, abanye babe ngabaphrofethi, abanye babe ngabavangeli, abanye babe ngabaphathi labanye babe ngabafundisi, **12** ukuba balungisele abantu bakaNkulunkulu imisebenzi yenkonzo, ukuze umzimba kaKhristu wakhiwe **13** sonke size

sifinyelele ekumanyaneni, ekukholweni lasekwazini iNdodana kaNkulunkulu sikhule ngokupheleleyo, sithole isilinganiso sokuphelela okufunyanwa kuKhristu. **14** Ngakho kasisayikuba zingane, siphoswa emuva laphambili ngamagagasi, siphetsulwa lapha lalaphaya yimimoya yonke yemfundiso kanye lokuhlakanipha lobuqili babantu ngamazwi abo enkohliso. **15** Kodwa-ke, sikhuluma iqiniso ngothando, sizakhula ezintweni zonke kuye yena oyinhloko, yena enguKhristu. **16** Kusukela kuye umzimba wonke ohlanganiswe wabanjaniswa yimisipha yonke ewusekelayo uyakhula uzakhe ngothando, isitho sinye ngasinye sisenza umsebenzi waso. **17** Ngakho-ke, ngilitshela lokhu, ngikugcizelela eNkosini, ukuba akumelanga liphile njengabeZizweni emicabangweni yabo eyize. **18** Kubamnyama ekuqedisiseni kwabo njalo behlukene lokuphila kukaNkulunkulu ngenxa yokungazi kwabo okungenxa yobulukhuni bezinhliziyo zabo. **19** Sebelahlekelwe ngunembeza wonke, sebezinikele ekuthokoziseni inyama ukuze benze inhlobo zonke zokuxhwala, inkanuko iqhubeka ifuna okunengi. **20** Kodwa lina uKhristu kalimazanga ngaleyondlela. **21** Impela lezwa njalo lafundiswa ngaye ngokweqiniso elikuJesu. **22** Lafundiswa mayelana lendlela yenu yakuqala yokuphila ukuba lilahle uqobo lwenu oludala, olonakaliswa yizinkanuko zalo zenkohliso; **23** ukuba lenziwe libe batsha esimeni sengqondo zenu; **24** lifake uqobo lomzimba olutsha, oludalelwe ukuba njengoNkulunkulu ekulungeni okuqotho lobungcwele. **25** Ngakho-ke, yilowo lalowo wenu kumele alahle amanga akhulume iqiniso

kumakhelwane wakhe ngoba sonke siyizitho zomzimba munye. **26** “Ekuthukutheleni kwenu lingoni”: Ilanga kalingatshoni lilokhu lithukuthele **27** njalo lingamniki indawo yokugxila uSathane. **28** Lowo obekade entshontsha kangantshontshi futhi kodwa kumele asebenze, enze ulutho oluhle ngezandla zakhe ukuze abe langakwabela abaswelayo. **29** Akungabi lenkulumo embi ephuma emiloniyeni yenu kodwa okusizayo ekwakheni abanye ngokwezinswelo zabo, ukuba kusize labo abalalelayo. **30** Njalo lingamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu elabekwa ngaye uphawu lwelanga lokuhlengwa. **31** Susani yonke inzondo, ulaka lokuthukuthela, ingxabano lesinyeyo, kanye lobubi bonke. **32** Wobani lomusa kanye lozwelo komunye lomunye wenu njalo lithethelelane njengalokhu uNkulunkulu walithethelela ngoKhristu.

5 Ngakho-ke, wobani ngabalingiseli bakaNkulunkulu njengabantwana abathandwa kakhulu **2** liphile impilo yothando, njengalokhu uKhristu wasithanda wazinikela ngenxa yethu njengomnikelo olephunga elimnandi lomhlatshele kaNkulunkulu. **3** Kodwa phakathi kwenu Akungabikhona umthonselanyana wokuhlobonga loba uhlobo luphi lokungcola kumbe ubuhwaba ngoba lezizinto kazifanelanga ebantwini abangcwele bakaNkulunkulu. **4** Njalo akumelanga kube lenhlamba lenkulumo zobuthutha loba ubuphoxo khona okuyizinto ezingafanelanga kodwa kakube lokubonga. **5** Ngoba kuliqiniso ukuthi: Akulamuntu oyisixhwali, ongcolileyo loba oyisihwaba, umuntu onjalo ukhonza izithombe, olelifa embusweni kaKhristu lokaNkulunkulu. **6** Lingavumi ukukhohliswa ngumuntu

ngamazwi ayize ngoba ngenxa yezinto ezinje ulaka lukaNkulunkulu lwehlela phezu kwalabo abangalaleliyo. **7** Ngakho lingahlanganyeli labo. **8** Ngoba lake laba yibumnyama kodwa khathesi seliyikukhanya eNkosini. Philani njengabantwana bokukhanya **9** (ngoba izithelo zokukhanya zikhona kubo bonke ubuhle lokulunga kanye leqiniso) **10** lidinge okuthokozisa iNkosi. **11** Lingahlanganyeli ezenzweni zobumnyama ezingelazithelo kodwa zichayeni sobala. **12** Ngoba kulihlazo lokukutsho nje okwenziwa yizigangi ensitha. **13** Kodwa konke okuvezwe obala yikukhanya kuyabonakala, **14** ngoba yikukhanya okwenza izinto zonke zibonakale. Yikho-nje kuthiwa: “Phaphama, wena oleleyo, vuka kwabafuleyo, uKhristu uzakhanya kuwe.” **15** Ngakho-ke, qaphelani kakhulu ukuba liphila njani, kungabi njengezithutha kodwa njengabahlakaniphileyo, **16** liwasebenzise ngokupheleleyo amathuba wonke ngoba insuku zimbi. **17** Ngakho-ke, lingabi yiziwula kodwa qedisisani ukuthi intando kaThixo iyini. **18** Lingadakwa liwayini okuthungamela ekoneni. Kodwa gcwaliswani ngoMoya, **19** likhulumisana omunye komunye ngamahubo, amaculo kanye lezingoma zakoMoya. Hlabelani lenzele iNkosi imiculo ezinhliziyweni zenu **20** limbonge kokuphela uNkulunkulu uBaba kukho konke, ngebizo leNkosi yethu uJesu Khristu. **21** Zehliseni omunye komunye lihlonipha uKhristu. **22** Bafazi, zehliseni kubomkenu njengaseNkosini. **23** Ngoba indoda yinhloko yomfazi njengoKhristu eyinhloko yebandla elingumzimba wakhe, yena onguMsindisi walo. **24** Ngakho njengebandla lizehlisa kuKhristu ngokunjalo abesifazane kumele

bazehlise kubomkabo ezintweni zonke. **25** Madoda thandani omkenu njengoKhristu owathanda ibandla wazinikela ngenxa yalo **26** ukuba alenze libengcwele, elihlambulula ngokuligezisa ngamanzi esebenzisa ilizwi, **27** kanye lokulethula kuye njengebandla elilenkazimulo, elingelasici loba ukuba mxhilibane kumbe esinye nje isici kodwa lingcwele njalo lingelacala. **28** Ngokunjalo, amadoda kumele athande omkawo njengemizimba yawo. Lowo othanda umkakhe uyazithanda yena ngokwakhe. **29** Belo, kakho owake wazonda umzimba wakhe kodwa uwunika ukudla awulondoloze njengokwenziwa nguKhristu ebandleni, **30** ngoba thina siyizitho zomzimba wakhe. **31** “Ngenxa yalokhu indoda izatshiya uyise lonina ihlanganiswe lomkayo njalo ababili laba bazakuba nyamanye.” **32** Le yimfihlakalo enkulu kodwa mina ngikhuluma ngoKhristu lebandla. **33** Kodwa omunye lomunye wenu laye kathande umkakhe njengoba ezithanda, lomfazi kumele ahloniphe indoda yakhe.

6 Bantwana lalelani abazali benu eNkosini ngoba lokhu kulungile. **2** “Hlonipha uyihlo lonyoko,” okungumlayo wakuqala olesithembiso, **3** “ukuze kukulungele lokuba ube lempilo ende emhlabeni.” **4** Bobaba, lingabathukuthelisi abantwana benu kodwa bondleni ngokufundisa langokulaya kweNkosi. **5** Zisebenzi, lalelani amakhosi enu asemhlabeni ngenhlonipho langokwesaba, langobuqotho benhliziyo, ngendlela elingalalela ngayo uKhristu. **6** Lingawalaleli ukuba liwathokozise nje kuphela nxa elikhangele kodwa njengezisebenzi zikaKhristu, lisenza intando kaNkulunkulu kuvela ezinhliziyweni

zenu. **7** Sebenzani ngenhliziyo yonke kube sengathi lisebenzela iNkosi hatshi abantu **8** ngoba liyakwazi ukuthi iNkosi izakupha umuntu wonke umvuzo ngenxa yokuhle akwenzayo loba eyisigqili kumbe ekhululekile. **9** Lani makhosi phathani izigqili zenu ngendlela efanayo. Lingazisongeli njengoba likwazi ukuthi lowo oyiNkosi yazo leyenu usezulwini njalo akukho ubandlululo kuye. **10** Ekucineni, qinani eNkosini lasemandleni ayo amakhulu. **11** Fakani isihlangu esipheleleyo sikaNkulunkulu ukuze lenelise ukumelana lamacebo kaSathane. **12** Ngoba kasilwi lenyama legazi kodwa silwa lababusi, lemibuso kanye lamandla omhlaba lo ogcwele ubumnyama, silwe njalo lamabutho emimoya emibi emibusweni yasemazulwini. (aiōn g165) **13** Ngakho-ke, fakani isihlangu esipheleleyo sikaNkulunkulu ukuze kuthi lapho usuku lobubi lufika libe lamandla okuma kuthi lalapho selenze konke, lime. **14** Manini liqine, ibhanti leqiniso libotshelwe ngensimbi ezinkalweni zenu, lesihlangu sasesifubeni sokulunga sisendaweni yaso, **15** lezinyawo zenu zigqokiswe zalungiselelwa ngokuvela evangelini lokuthula. **16** Phezu kwakho konke lokhu, thathani ihawu lokukholwa elizacitsha ngalo yonke imitshoko yomubi evuthayo. **17** Thathani ingowane yokusindiswa lenkamba kaMoya eyilizwi likaNkulunkulu. **18** Khulekani ngoMoya ezikhathini zonke ngezinhlobo zonke zemikhuleko lezicelo. Lilalokhu emicabangweni, qaphelani liqhubeke kokuphela libakhulekela bonke abantu beNkosi abangcwele. **19** Lami lingikhulekele ukuba kokuphela lapho ngivula umlomo wami, ngiphiwe amazwi

ukuze ngitshumayele ngesibindi imfihlakalo yevangeli,
20 engingumeli walo ngibotshwe ngamaketane. Khulekani
ukuba ngilitshumayele ngesibindi njengokumele
ngikwenze. **21** UThikhikhasi umzalwane othandekayo
loyinceku ethembekileyo eNkosini uzalitshela konke
ukuze lani lazi ukuba nginjani kanye lengikwenzayo. **22**
Ngimthuma kini ngenjongo yokuthi likwazi ukuthi sinjani
lokuthi alikhuthaze. **23** Ukuthula kakube kubazalwane,
lothando lokukholwa okuvela kuNkulunkulu uYise
laseNkosini uJesu Khristu. **24** Umusa kawube kubo bonke
abayithandayo iNkosi yethu uJesu Khristu ngothando
olungapheliyo.

KwabaseFiliphi

1UPhawuli loThimothi, inceku zikaKhristu uJesu, Lakubo bonke abangcwele kuKhristu uJesu eFiliphi kanye lababonisi labadikoni: **2** Umusa lokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba leNkosini uJesu Khristu kakube kini. **3** Ngiyambonga uNkulunkulu wami izikhathi zonke lapho ngilikhumbula. **4** Emikhulekweni yami yonke ngilikhulekela lonke, ngihlezi ngikhuleka ngokuthokoza **5** ngenxa yokuhlanganyela kwenu evangelini kusukela ngosuku lwakuqala kuze kube khathesi, **6** ngilethemba lokuthi lowo owaqalisa umsebenzi omuhle kini uzawuqhubekisela phambili kuze kube lusuku lukaKhristu uJesu. **7** Kuqondile ukuthi ngicabange ngokunjalo ngenxa yenu lonke, njengoba ngilani enhliziyweni yami njalo lanxa ngibotshiwe kumbe ngivikela ivangeli loba ngiliqinisa, lonke lihlanganyela lami emuseni kaNkulunkulu. **8** UNkulunkulu angafakaza ukuthi lonke ngilifiselani ngothando lukaKhristu uJesu. **9** Umkhuleko wami ngowokuthi uthando lwenu lwande kokuphela ekwazini lasekuzikeni kokuqedisisa **10** ukuze lenelise ukubona okuhle njalo lihlambuluke lingabi lasici kuze kube lusuku lukaKhristu, **11** ligcwele izithelo zokulunga ezibuya ngoJesu Khristu ekudunyisweni lasekubongweni kukaNkulunkulu. **12** Bazalwane, ngifuna ukuba lazi ukuthi okwenzakale kimi kusizile impela ekuqhubekeliseni ivangeli phambili. **13** Ngalokho, sekube sobala kubo bonke abalindi besigodlo lakwabanye bonke ukuthi ngibotshelwe uKhristu. **14** Ngenxa yokubotshwa kwami, abazalwane abanengi sebelethemba eNkosini

njalo sebelesibindi esikhulu sokutshumayela ilizwi likaNkulunkulu bengelakwesaba. **15** Kuliqiniso ukuthi abanye batshumayela uKhristu ngenxa yomona lombango kodwa abanye ngenxa yesifiso esihle. **16** Laba benza lokhu ngothando bekwazi ukuthi ngifakwe lapha ukuba ngivikele ivangeli. **17** Abakuqala batshumayela ngoKhristu ngokuzikhukhumeza, bengeqotho, becabanga ukuthi bangangidalela uhlupho ngisekubotshweni. **18** Kodwa-ke, kusizani pho? Into eqakathekileyo yikuthi ngezindlela zonke, ingabe kuyinjongo engalunganga loba eyeqiniso, uKhristu uyatshunyayelwa. Njalo ngenxa yalokhu mina ngiyathokoza. Yebo, ngizaqhubeka ngithokoza, **19** ngoba ngiyazi ukuthi ngemikhuleko yenu langosizo lukaMoya kaJesu Khristu, okwenzakale kimi kuzaletha ukukhululwa kwami. **20** Ngokutshiseka ngilindele njalo ngithemba ukuthi angiyikuyangeka langayiphi indlela, kodwa ngizakuba lesibindi esaneleyo ukuze kuthi khathesi njengenjwayelo uKhristu uzakudunyiswa emzimbeni wami, loba ngokuphila kumbe ngokufa. **21** Ngoba kimi, ukuphila kunguKhristu lokufa kuyinzuzo. **22** Nxa ngingaqhubeka ngiphila emzimbeni, lokhu kuzakutsho umsebenzi olezithelo kimi. Kodwa-ke, kuyini engizakukhetha? Angazi! **23** Ngiphakathi kwakho kokubili: Ngifisa ukusuka ngibe loKhristu, okungcono kakhulu; **24** Kodwa kuyasweleka kakhulu kini ukuba ngibe ngilokhu ngiphila kulumzimba. **25** Sengikholwe lokhu, ngiyakwazi ukuthi ngizakuba khona, njalo ngizaqhubeka ngilani lonke ngenxa yokuthuthuka kwenu lokuthokoza ekukholweni, **26** ukuze kuthi ngokuba lani kwami futhi,

ukuthokoza kwenu kuKhristu uJesu kuzakwanda ngenxa yami. **27** Loba kusenzakalani, lina ziphatheni ngendlela efanele ivangeli likaKhristu. Ngakho, langabe ngiyeza ukuzalibona loba ngizwe nje kuphela ngani ngingekho, ngizakwazi ukuba liqinile ngaMoya munye, lilwela ukholo lwevangeli njengomuntu munye, **28** kungekho kwethuswa langayiphi indlela yilabo abaliphikisayo. Lokhu kuyisibonakaliso kubo ukuthi bazachithwa, kodwa lina lizasindiswa nguNkulunkulu. **29** Ngoba kunikelwe kini ngenxa kaKhristu kungasikukholwa kuye kuphela, kodwa lokumhluphekela, **30** njengoba lilwisa hlupho lunye elabona ngilalo, lakhathesi liyezwa ukuba ngilokhu ngilalo.

2 Nxa kukhona okukhuthazayo ngokuhlangana loKhristu, nxa kulenduduzo evela ethandweni lwakhe, nxa kulobudlelwano loMoya, nxa kulozwelo lesihawu, **2** phelelisani intokozo yami ngokuba ngqondo nye, lilothando lunye, limunye emoyeni njalo linjongo yinye. **3** Lingenzi lutho ngokuzikhukhumeza loba ukuziphakamisa okuyize. Kodwa ngokuthobeka khangelani abanye njengabangcono kulani **4** lingazikhathaleli izifiso zenu lodwa kodwa likhathalele lezifiso zabanye. **5** Ekuphilisaneni kwenu, isimo sengqondo yenu kumele sifanane lesikaKhristu uJesu, **6** Yena okwathi ngemvelo enguNkulunkulu, kacabanganga ukulingana loNkulunkulu kuyilutho olungafinyelelwa, **7** kodwa wazithoba, wathatha isimo senceku, yena elesimo somuntu. **8** Wathi ebunjwe wabonakala njengomuntu, wazehlisa walalela kwaze kwaba sekufeni, ukufa kwasesiphambanweni! **9** Ngakho-

ke, uNkulunkulu wamphakamisela endaweni ephezulu kakhulu, wamnika ibizo elingaphezu kwamabizo wonke, **10** ukuba amadolo wonke aguqe ebizweni likaJesu, ezulwini lasemhlabeni kanye langaphansi komhlaba, **11** lezindimi zonke zivume ukuthi uJesu Khristu uyiNkosi, kube ludumo lukaNkulunkulu uYise. **12** Ngakho-ke, bangane bami abathandekayo, njengoba lihlezi lilalela kungayisikho ukuthi ngikhona kuphela kodwa ikakhulu nxa ngingekho, qhubekani lisebenzela ukusindiswa kwenu ngokwesaba langokuthuthumela **13** ngoba nguNkulunkulu osebenzayo phakathi kwenu ukuba lifune njalo lenze okumthokozisayo. **14** Yenzani konke kungela kusola kumbe ukuphikisana **15** ukuze libe ngabantwana bakaNkulunkulu abangelasici labahlambulukileyo, abamsulwa phakathi kwesizukulwane esonakeleyo lesixhwalileyo, lina elicwebezela phakathi kwaso liletha ukukhanya emhlabeni **16** ligagadlela ilizwi lokuphila. Ngalokho ngizazincoma ngosuku lukaKhristu ukuthi kangigjijimelanga kumbe ngasebenzela ize. **17** Kodwa lanxa ngithululwa njengomnikelo wokunathwa phezu komhlatshelo lenkonzo evela ekukholweni kwenu, ngiyathaba ngithokoza lani lonke. **18** Ngakho-ke, lani njalo thabani lithokoze lami. **19** Ngiyethemba eNkosini uJesu ukuba ngizathuma uThimothi kini masinyane ukuba lami ngithokoze lapho ngisamukela izindaba ngani. **20** Kangilaye omunye onjengaye, othakazelela inhlalakahle yenu ngobuqotho. **21** Ngoba abantu bonke bazifunela okwabo, hatshi okukaJesu Khristu. **22** Kodwa lina liyakwazi ukuthi uThimothi usezifakazele ngoba

njengendodana eloyise usesebenze lami emsebenzini wevangeli. **23** Ngakho-ke, ngithemba ngizamthuma masinyane lapho sengibonile ukuba izinto zingihambela njani. **24** Njalo ngiyathemba eNkosini ukuthi lami uqobo ngizakuza masinyane. **25** Kodwa ngibona kufanele ukuthi ngimthume kini futhi u-Ephafrodithusi, umzalwane wami, obambisane lami umsebenzi lolibutho kanye lami, oyisithunywa senu futhi, elamthumayo ukuthi angisize ngendingeko zami. **26** Ngoba uyalilangatha lonke njalo ukhathazekile njengoba lezwa ukuthi wayegula. **27** Ngempela wayegula njalo waphose wafa. Kodwa uNkulunkulu waba lesihawu kuye, kungayisikho kuye kuphela kodwa lakimi ukuba angiphephise osizini phezu kosizi. **28** Ngakho-ke, ngitshisekela kakhulu ukumthuma ukuze kuthi lapho limbona futhi lithokoze lami ngikhathazeke okunganeno. **29** Mamukeleni eNkosini ngokuthokoza okukhulu njalo libahloniphe abantu abanjengaye **30** ngoba waphosa wafela umsebenzi kaKhristu, wafaka impilo yakhe engozini ukuze angiphe usizo elingangiphanga lona.

3 Okokucina, bazalwane, thokozani eNkosini! Akusihlupho kimi ukulilobela ngezinto ezifanayo futhi ngoba lokho kuyisivikelo kini. **2** Qaphelani izinja lezo, abantu labo abenza okubi lalabo abalimaza umzimba. **3** Ngoba thina yithi abokusokwa, thina esikhonza uNkulunkulu ngoMoya wakhe, esiziqhenya ngoKhristu uJesu njalo esingabeki ithemba kokwenyama **4** lanxa nje mina ngokwami ngilezizatho zethemba elinjalo. Nxa kulomuntu ocabanga ukuthi ulezizatho

zokuthemba okwenyama, mina ngilezinengi: **5** ngasokwa ngosuku lwesificaminwembili, ngingowako-Israyeli, owesizwana sakoBhenjamini, umHebheru wamaHebheru; ngokomthetho, ngingumFarisi; **6** ngokutshiseka, ngahlukuluza ibandla; ngokulunga okugxile emthethweni, angilacala. **7** Kodwa loba kuyini okwakuyinzuzo kimi khathezi ngikubala njengokulahlekelwa ngenxa kaKhristu. **8** Phezu kwalokho, konke ngikubona kuyize lapho kulinganiswa lobukhulu obumangalisayo bokwazi uKhristu Jesu iNkosi yami esengilahlekelwe yizinto zonke ngenxa yakhe. Ngikubona kuyimfucuzo ukuze ngizuze uKhristu **9** njalo ngitholakale kuye, ngingelakulunga okungokwami okuvelela emthethweni, kodwa lokho kungenxa yokukholwa kuKhristu, ukulunga okuvela kuNkulunkulu njalo okungokukholwa. **10** Ngifuna ukumazi uKhristu lamandla okuvuka kwakhe ekufeni lobudlelwano bokuhlanganyela ekuhluphekeni kwakhe, ngibe njengaye ekufeni, **11** ukuze ngenye indlela, ngithole ukuvuka kwabafuleyo. **12** Akusikuthi sengikuzuzile konke lokhu loba ukuthi sengiphelelisiwe kodwa ngilwisa ukuba ngibambe lokho uKhristu Jesu angibambela khona. **13** Bazalwane, angikazibali njengosekubambile lokho. Kodwa yinye into engiyenzayo, ngiyakukhohlwa okusemuva ngizama ngamandla ukufinyelela kokuphambili, **14** ngilwisa ukuthi ngiyefinyelela ekucineni ukuba ngithole umvuzo uNkulunkulu angibizela wona ezulwini ngoKhristu uJesu. **15** Sonke thina esesiphelele kumele sikhangele izinto ngengqondo enjalo. Nxa kokunye licabanga ngokwehlukileyo, lalokho uNkulunkulu

uzakwenza kucace kini. **16** Kuphela nje kasiqhubekeni ngalokho esesikuzuzile. **17** Bazalwane, hlanganyelani labanye ekulandeleni isibonelo sami, libananzelele labo abaphila ngokwesibonelo esalitshengisa sona. **18** Ngoba, njengoba ngangihlala ngilithshela kuqala lakhathesi ngiyatsho futhi langezinyembezi ukuthi abanengi baphila njengezitha zesiphambano sikaKhristu. **19** Isiphetho sabo yikubhubha, unkulunkulu wabo yisisu sabo, lodumo lwabo lusehlazweni labo. Inggondo yabo isezintweni zasemhlabeni. **20** Kodwa elethu ikhaya lisezulwini. Njalo simlindele ngokutshiseka uMsindisi evela khonale, iNkosi uJesu Khristu, **21** yena okuzakuthi ngamandla amenza abeke izinto zonke ngaphansi kwakhe, uzaguqula imizimba yethu elesimo esiphansi ibe njengomzimba wakhe olenkazimulo.

4 Ngakho-ke bazalwane bami, lina engilithandayo lengilikhumbulayo, liyintokozo yami lomqhele wami, kumele liqine kanjalo eNkosini bangane abathandekayo! **2** Ngiyamncenga uYuwodiya loSintikhe ukuba bavumelane eNkosini. **3** Ngiyakucela mhlobo wami oqotho, siza abesifazane labo abasebenza lami kanzima ngenxa yevangeli, kanye loKlementi labanye engisebenza labo, abalamabizo abo asencwadini yokuphila. **4** Thokozani eNkosini kokuphela. Ngiyatsho futhi ngithi: Thokozani! **5** Ukuthobeka kwenu kakubonakale kubo bonke. INkosi isiseduze. **6** Lingakhathazeki kodwa ngazo zonke izikhathi bikani izicelo zenu kuNkulunkulu ngokukhuleka, ngokuncenga langokubonga. **7** Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqedisisa konke

kuzabusa inhliziyu zenu lezingqondo zenu kuKhristu uJesu. **8** Okokucina bazalwane, konke okuliqiniso, lokulesithunzi, lokulungileyo, lokuhlambulukileyo, lokuhle, lokubukekayo, nxa ulutho luluhle kakhulu loba lubongeka, cabangani ngezinto ezinje. **9** Loba kuyini elikufundileyo loba elikwamukeleyo loba elikuzwileyo kuvela kimi, loba elikubonileyo kimi, kwenzeni. UNkulunkulu wokuthula uzakuba lani. **10** Ngiyathokoza kakhulu eNkosini ngokuthi khathesi selize lavuselela ukungikhathalela kwenu. Impela kade likhathazeka kodwa lingelalo ithuba lokukubonakalisa. **11** Kangitsho lokhu ngenxa yokuthi ngiyaswela ngoba sengafunda ukwaneliseka kuyo yonke imimo. **12** Ngiyakwazi ukuba ukuswela kuyini njalo ngiyakwazi ukuba kuyini ukuba lokunengi. Sengafunda imfihlo yokwaneliseka kuzozonke izimo, langabe ngiyasutha loba ngilambile, loba ngilokunengi kumbe ngiswela. **13** Ngingazenza zonke izinto ngaye onginika amandla. **14** Kodwa kwakukuhle ukuthi lihlanganyele lami ekuhluphekeni kwami. **15** Phezu kwalokho, lina bantu baseFiliphi liyakwazi ukuthi ensukwini elaqala ngazo ukwazi ivangeli ngesikhathi ngisuka eMasedoniya, akukho lalinye ibandla elahlanganyela lami endabeni yokupha lokwamukela ngaphandle kwenu kuphela; **16** ngoba langesikhathi ngiseThesalonika langithumela usizo kanengi lapho ngidinga uncedo. **17** Akusikuthi ngifuna isipho kodwa ngifuna okuzakuba yinzuzo kini. **18** Sengamukele umvuzo ogcweleyo lodlulisileyo; ngiphiwe okwaneleyo njengoba khathesi sengamukele ku-Ephafrodithusi izipho

elazithumelayo. Zingumnikelo wephunga elimnandi, umhlatshelelo owamukelekayo lothokozisa uNkulunkulu.

19 UNkulunkulu wami uzakugcwalisa konke ukuswela kwenu ngenkazimulo yenotho yakhe kuKhristu uJesu.

20 Udumo kalube kuNkulunkulu uBaba kuze kube nini lanini. Ameni. (aiōn g165)

21 Bingelelani bonke abangcwele abakuKhristu. Abazalwane abalami bayalibingelela.

22 Abangcwele bonke bayalibingelela, ikakhulu labo abangabendlu kaKhesari. **23** Umusa weNkosi uJesu

Khristu kawube lomoya wenu.

KwabaseKholose

1UPhawuli, umpostoli kaKhristu uJesu ngentando kaNkulunkulu, loThimothi umzalwane wethu, **2** Lakubazalwane abangcwele labathembekileyo kuKhristu abaseKholose: Umusa lokuthula kakube kini kuvela kuNkulunkulu uBaba wethu. **3** Sihlezi simbonga kokuphela uNkulunkulu, uBaba weNkosi yethu uJesu Khristu, nxa silikhulekela, **4** ngoba sizwile ngokukholwa kwenu kuKhristu uJesu langothando elithanda ngalo abangcwele bonke. **5** Ukukholwa lothando okuvela ethembeni eligcinelwe lina ezulwini, eselezwa ngalo elizwini leqiniso, elilivangeli **6** eselifikile kini. Emhlabeni wonke ivangeli leli lithela izithelo njalo liyakhula njengebelikwenza phakathi kwenu kusukela ngelanga elalizwa ngalo lawuqedisisa umusa kaNkulunkulu ngawo wonke amaqiniso alo. **7** Lalifundiswa ngu-Ephafrasi oyinceku ethandekayo, ongumfundisi othembekileyo kaKhristu emele thina, **8** owasitshela ngothando lwenu kuMoya. **9** Ngenxa yalokhu, kusukela mhla sisizwa ngani kasizange siyekele ukulikhulekela sicela uNkulunkulu ukuthi aligcwalise ngokwazi intando yakhe ngakho konke ukuhlakanipha koMoya kanye lokuqedisisa. **10** Sikhulekela ukuba liphile impilo efanele iNkosi lokuba liyithokozise ngezindlela zonke, lithele izithelo kuyo yonke imisebenzi emihle, ukwazi kwenu uNkulunkulu kukhule, **11** liqiniswa ngamandla wonke mayelana lamandla akhe amangalisayo ukuze libe lokubekezela kanye lesineke esikhulu, kuthi njalo ngokuthokoza **12** limbonge ngentokozo uYise owalenza lafanela ukuhlanganyela

elifeni labangcwele bakhe embusweni wokukhanya. **13**
Ngoba wasihlenga embusweni wobumnyama wasiletha
embusweni weNdodana yakhe ayithandayo, **14** okukuyo
ukuhlengwa kwethu lokuthethelelwa kwezono. **15**
Indodana ingumfanekiso kaNkulunkulu ongabonakaliyo,
izibulo kukho konke okwadalwayo. **16** Ngoba izinto
zonke zadalwa ngayo: izinto ezisezulwini lezisemhlabeni,
ezibonakalayo lezingabonakaliyo loba kuyizihlalo
zobukhosi kumbe amandla loba ababusi kumbe abaphathi;
izinto zonke zadalwa ngayo zidalelwa yona. **17** Yona
iphambi kwezinto zonke njalo kuyo izinto zonke
zibambene. **18** Iyinhloko yomzimba okulibandla; iyikuqala
lezibulo elivela kwabafuleyo ukuze yona ibe ngeyokuqala
ezintweni zonke. **19** Ngoba uNkulunkulu wathokoza
ukuba ukuphelela kwakhe kube kuyo **20** lokuthi ngayo
abuyisane lezinto zonke, loba kuyizinto ezisemhlabeni
kumbe izinto ezisezulwini ngokwenza ukuthula ngegazi
layo elachithwa esiphambanweni. **21** Lina lake laba
ngabehlukane loNkulunkulu, liyizitha ezingqondweni
zenu ngenxa yokuziphatha kwenu okubi. **22** Kodwa
khathesi uselibuyisile ngomzimba kaKhristu uqobo lwawo
ngokufa ukuze alethule lingcwele ebusweni bakhe,
lingelasici njalo limsulwa. **23** Nxa liqhubeka ngokukholwa
kwenu ligxile njalo liqinile, lingasuki ethembeni eliliphiwa
ngevangeli. Leli yilo ivangeli elalizwayo eselitshunyayelwe
kuzozonke izidalwa ngaphansi kwezulu, mina Phawuli
esengibe yinceku yalo. **24** Khathesi ngiyathokoza
ngokulihluphekela kwami njalo ngiyagcwalisa emzimbeni
okulokhu kusasilela mayelana lezinhlupheko zikaKhristu

ngenxa yomzimba wakhe olibandla. **25** Sengaba yinceku yalo ngomsebenzi uNkulunkulu anginika wona ukuba ngililethele ilizwi likaNkulunkulu liphelele, **26** ebeliyimfihlakalo ebifihlakele okweminyakanyaka kanye lezizukulwane ezedluleyo kodwa khathesi isibekwe obala kwabangcwele beNkosi. (aiōn g165) **27** UNkulunkulu wathanda ukubazisa phakathi kwabeZizweni inotho emangalisayo yemfihlakalo le, enguKhristu phakathi kwenu, ithemba lenkazimulo. **28** Sitshumayela yena, seluleke njalo sifundise abantu bonke ngenhlakanipho yonke ukuze bonke sibalethe kuKhristu bephelele. **29** Ngisebenza nzima ukuba lokhu kufezeke, ngilwisa ngawo wonke amandla uKhristu asebenza ngawo phakathi kwami.

2 Ngifuna ukuba lazi ukuthi ngilizamela kakhulu okunganani lina labaseLodikheya, kanye labo bonke abangakangiboni mathupha. **2** Injongo yami yikuthi bakhuthazeke ezinhliziyweni njalo bamanyane ethandweni ukuze babe lenotho egcweleyo yokuqedisisa okupheleleyo, ukuze bayazi imfihlakalo kaNkulunkulu kubalisa uKhristu, **3** okufihlwe kuye yonke ingcebo yokuhlakanipha lokwazi. **4** Ngilitshela lokhu ukuze kungabikhona olikhohlisayo ngamazwi amnandi. **5** Ngoba lanxa ngingekho kini ngomzimba ngilani ngomoya njalo ngithokozela ukubona ubuntu benu lokuqina kokholo lwenu kuKhristu. **6** Ngakho-ke, njengoba uKhristu Jesu lamamukela njengeNkosi, qhubekani liphila kuye, **7** ligxile njalo lakhelwe kuye, liqine ekukholweni njengokufundiswa kwenu, liphuphuma ngokubonga. **8**

Qaphelani kungabikhona olithumbayo ngenhlakanipho eyize lekhohlisayo, eyeyame emdabukweni wabantu lakuzimiso zemvelo yakulo umhlaba kungesikho kuKhristu. **9** Ngoba bonke ubuNkulunkulu buhlezi kuKhristu ngesimo somzimba **10** njalo lina lilakho lokhu kuphelela kuKhristu oyinhloko yamandla wonke kanye lokubusa konke. **11** Lasokelwa kuye ngokususwa kwemvelo yenu yesono, kungayisikho ngokusoka okwenziwa ngezandla zabantu kodwa ngokulahla umzimba wenyama, lokhu kuyikusoka okwenziwa nguKhristu **12** ngokungcwatshwa laye ngobhaphathizo labuye lavuswa kanye laye ngokukholwa kwenu emandleni kaNkulunkulu owamvusa kwabafileyo. **13** Ngesikhathi lifile ezonweni zenu lokungasoki kwemvelo yenu yesono, uNkulunkulu walenza laba ngabaphilayo kanye loKhristu. Wasithethelela zonke izono zethu **14** ngokwesula yonke imithetho elotshiweyo lezimiso zayo eyayimelane lathi njalo isivimbela. Wayisusa, wayibethela esiphambanweni. **15** Kwathi eselahlise imibuso lababusi izikhali, wenza umbukiso oyinhlekisa ngabo, wabanqoba ngesiphambano. **16** Ngakho-ke, lingavumeli umuntu elahlulela ngalokho elikudlayo loba elikunathayo loba ngokuphathelane lomkhosi wokholo, ukuthokozela ukuthwasa kwenyanga loba usuku lweSabatha. **17** Lezizinto ziyisithunzi nje sezinto ezazizakuza kodwa ubuqotho butholakala kuKhristu. **18** Lingavumeli umuntu othokoziswa yikuzithoba kwamanga lokukhonza izingilosi eliphuthisa umvuzo wenu. Umuntu onjalo ubalisa ngokupheleleyo konke akubonileyo, kuthi

ingqondo yakhe engayisiyo yomoya imkhukhumeze ngemicabango eyize. **19** Usehlukane lenhloko yomzimba wonke wona ohlanganiswa ndawonye yimisipha lemithambo, okhula ngokuthanda kukaNkulunkulu. **20** Njengoba lafa loKhristu ezimisweni zalo umhlaba, kungani liphila sengathi lilokhu lingabawo, lizibeka ngaphansi kwemithetho yawo yokuthi, **21** “Ungabambi! Unganambithi! Ungathinti!”? **22** Konke lokhu kumiselwe ukuqedwa yikusetshenziswa ngoba kweyame phezu kwemilayo yabantu lemfundiso yabo. **23** Impela izimiso ezinje zibonakala njengenhlakanipho, ngenkonzo yazo yokuzenzela, ukuzithoba kwamanga lokuphatha umzimba kabuhlungu kodwa kazilalo usizo lokuzithiba ezinkanukweni zomzimba.

3 Ngakho-ke njengoba livuswe kanye loKhristu, bekani inhliziyo zenu ezintweni eziphezulu lapho uKhristu ahlezi khona esandleni sokunene sikaNkulunkulu. **2** Bekani ingqondo zenu ezintweni eziphezulu hatshi ezintweni zasemhlabeni. **3** Ngoba lafa, ukuphila kwenu khathesi kufihlwe loKhristu kuNkulunkulu. **4** Lapho uKhristu oyikuphila kwenu, ebonakala, lani futhi lizabonakala laye enkazimulweni. **5** Ngakho-ke, kubulaleni konke okungokwemvelo yenu yasemhlabeni: okubalisa ukuhlobonga, ukungcola, inkanuko, izifiso ezimbi, ubuhwaba lokukhonza izithombe. **6** Ngenxa yalezizinto, ulaka lukaNkulunkulu luyeza. **7** Lalijayele ukuhamba kulezizindlela empilweni elake layiphila. **8** Kodwa khathesi zilahleni zonke izinto ezinjengalezi: ulaka, ukuthukuthela, inzondo, ukunyeya lenkulumo ebolileyo.

9 Linqaqambelani amanga njengoba selihlubule uqobo lwenu oludala lezenzo zalo **10** lembatha uqobo lwenu olutsha olwenziwa lube lutsha ekwazini ngomfanekiso kaMdali walo. **11** Lapha akula oweZizwe loba umJuda, osokileyo loba ongasokanga, iqaba, umSikhethiya, isigqili loba okhululekileyo kodwa uKhristu uyikho konke njalo ukubo bonke. **12** Ngakho, njengabantu bakaNkulunkulu abakhethiweyo, abangcwele labathandwa kakhulu, zembeseni ngesihawu, umusa, ukuzithoba, ubumnene kanye lokubekezela. **13** Bekezelelanani, lithethelelane loba kuyinsolo bani omunye angaba layo ngomunye. Thethelelani njengoba iNkosi yalithethelela. **14** Phezu kwakho konke lokhu yembathani uthando olukubophela ndawonye konke lokhu, kube yikumanyana okupheleleyo. **15** Ukuthula kukaKhristu kakubuse ezinhliziyweni zenu ngoba njengezitho zomzimba munye labizelwa ukuthula. Njalo bongani. **16** Ilizwi likaKhristu kalihlale phakathi kwenu ngokupheleleyo lapho lifundisana njalo liselulekana ngenhlakanipho yonke, ngamahubo, amaculo kanye lezingoma zakoMoya, lihlabelale lilokubonga uNkulunkulu ezinhliziyweni zenu. **17** Njalo kukho konke elikwenzayo, ngelizwi loba ngesenzo, konke kwenzeni ngebizo leNkosi uJesu, libonge uNkulunkulu uYise ngaye. **18** Bafazi, zehliseni kubomkenu njengokufanele eNkosini. **19** Madoda, thandani omkenu njalo lingabi lesihluku kubo. **20** Bantwana, lalelani abazali benu ezintweni zonke ngoba lokhu kuyayithokozisa iNkosi. **21** Bazali, lingabathukuthelisi abantwana benu hlezi badumazeke. **22** Zigqili, lalelani amakhosi enu omhlaba ezintweni zonke;

likwenze hatshi ngoba elikhangele loba ukuthi alithande kodwa ngobuqotho bezinhliziyi langokuhlonipha iNkosi. **23** Konke elikwenzayo kusebenzeni ngenhliziyi yenu yonke njengokusebenzela iNkosi hatshi abantu, **24** njengoba lisazi ukuthi lizathola ilifa eNkosini njengomvuzo. YiNkosi uKhristu elimkhonzayo. **25** Loba ngubani oyenza okubi uzaphindiselwa ngobubi bakhe njalo akula kubandlulula.

4 Makhosi, nikani izigqili zenu okulungileyo lokufaneleyo ngoba liyakwazi ukuthi lani lileNkosi ezulwini. **2** Zinikeleni ekukhulekeni ngokuqaphela langokubonga. **3** Lisikhulekele lathi futhi ukuba uNkulunkulu avulele ilizwi lethu umnyango ukuze sitshumayele imfihlakalo kaKhristu engayibotshelwayo. **4** Khulekelani ukuba ngiyitshumayele ngokucaca okufanele ngikwenze. **5** Hlakaniphani kulokho elikwenzayo kwabangaphandle lisebenzisa amathuba wonke ngokugcweleyo. **6** Ingxoxo yenu kayihlale igcwele umusa, ifakwe itswayi ukuze likwazi ukuphendula umuntu wonke. **7** UThikhikhasi uzalitshela izindaba zonke ngami. Ungumzalwane othandekayo, umfundisi othembekileyo loyincku eNkosini. **8** Ngimthuma kini ngenjongo enxwanele ukuthi lazi ngomumo wethu lokuthi akhuthaze inhliziyi zenu. **9** Ubuya lo-Onesimasi, umzalwane wethu othembekileyo lothandekayo njalo ongomunye wenu. Bazalitshela konke okwenzakala lapha. **10** U-Aristakhasi engibotshwe laye loMakho umzawakhe kaBhanabhasi bayalibingelela. (Selamukela iziqondiso ngaye; angabuya kini limamukele.) **11** UJesu othiwa nguJustusi laye

uyalibingelela. Laba yibo kuphela abangamaJuda kulabo engisebenzela umbuso kaNkulunkulu labo njalo sebebonakalise ukuthi bayinduduzo kimi. **12** U-Ephafrasi ongomunye wenu lenceku kaKhristu uJesu uyalibingelela. Uhlezi elikhulekela kakhulu ukuba liqine kuyo yonke intando kaNkulunkulu liphelele njalo lithembile. **13** Ngiyamfakazela ukuthi uyalisebenzela kakhulu lina kanye lalabo abaseLodikheya leHiyerapholisi. **14** Umngane wethu othandekayo uLukha ongudokotela, loDemasi bayalibingelela. **15** Ngibingelelelani abazalwane abaseLodikheya loNimfa kanye lebandla endlini yakhe. **16** Emva kokuba incwadi le seliyifundelwe, bonani ukuthi iyafundwa lasebandleni laseLodikheya lokuthi lani libale incwadi evela eLodikheya. **17** Tshelani u-Akhiphasi lithi: “Bona ukuba uyawuqeda umsebenzi owamukele eNkosini.” **18** Mina Phawuli, ngiloba ukuvalelisa lokhu ngesami isandla. Khumbulani ukubotshwa kwami. Umusa kawube lani.

1 KwabaseThesalonika

